# Isitshayelelo

UMr. F. L. Ntuli, oyihumutsha e Charge Office eStegi kwa Ngwane, uyatuseka ngento ayenzele indhlu emnyama; futi lento ikude ukukohlakala ezinhliziyweni zabaningi, kakulu abakwa Zulu. Loku ngikutsho emva kokufunda incwadi enhle ayihumutshile ngesizulu ebizwa ngokuti "Nada The Lily" eyalotshwa umufi uSir. Rider Haggard, umlungu owayenozwela ngesizwe sakwaZulu, esidumisa ebabaza namandhla aso, eti siqoto siqinile.

Kulencwadi-ke, uMr. Ntuli aseyenze ukuba ifundwe yibo bonke abangenamandhla okuyifunda ngesiNgisi, uSir Rider Haggard waloba incwadi emangalisayo ngesizwe sakwa Zulu ngesikati sisa buswa uTshaka ka Senzangakona ka Jama ka Ndaba ka Mageba ka Punga.

Ngamazwi amnandi noma egcwele umoya ofudumeleyo lendabakazi enkulu elandwa uMbope ka Sitayi kumlungu owayeze kuye ngakwa Dukuza, ezobhula ngoba elahlekelwe zinkabi zake, nempela uMbope wazikomba ngase Payindane, okwati izisebenzi zake zisazilandele uMbope wasala walandisa umlungu lendaba egijimisa igazi ka "Nada the Lily."

Lencwadi isixoxela ngokuzalwa kuka Tshaka, nokubaleka kwake kwa Zulu benonina uNandi baze bafika kwa Mtetwa. Kutiwa bati besendhleleni eduze nomuzi wenkosi yase Langeni, uMakedama no Mbope esengumfana, bebuka abafana bebuyisa izinkomo uNandi wacela amanzi, kodwa yenqaba nawo inkosikazi ye-

nkosi yase Langeni. Okwati nalapo uMbope ebakelela amanzi unina wawacita. Loku kwamtukutelisa uTshaka, wafunga wati mhla waba inkosi yakwa Zulu wosibhubhisa isizwe sase Langeni, kusale uMbope yedwa yena owabapa amanzi.

Nempela wakwenza loko ese yinkosi. Okunguyena kuxoxwa ngaye kakulu uMhlopekazi, indodana yenkosi uTshaka. Esizwa kutiwa uyise wafihlelwa mhla ezalwayo. Wazalwa uBaleka udade wabo ka Mbope, kodwa bamfihla emehlweni enkosi, besizwa uNandi. Wakula lo mfana ebizwa ngokuti oka Mbope; kwenzelwa ukuba uTshaka angambulali.

Angiquli nokuqula ukuti umfundi eseke wafunda imiqa yokuqala kovuma ukuba ayibeke pansi aze ayiqede. Ngingezibale izihloko zonke ezikuyo, kepa imnandi ngokumangalisayo. Noma iyi Novel isekwe endabeni etandwa abantu ukuyazi. Wenze umsebenzi obongekayo uMr. Ntuli, engingeke ngiwulande ngokupelele kule miqana. Uyotuswa yibo bonke aboyifunda. Ngetemba izovula amehlo abaningi bajwayele ukufunda izincwadi ezilotshwe abakubo.

Ngalamazwi ambalwa ngiyetula eBandhla lencwadi.

Yimi,

JOHN L. DUBE

(uMAFUKUZELA).

DEDICATED

TO THE MEMORY

OF

SIR THEOPHILUS SHEPSTONE

AFFECTIONATELY KNOWN TO THE SOUTH AFRICAN

NATIVE OF YEARS GONE BY AS

"SOMSEU"

AND TO HIS HONOUR

T. AINSWORTH DICKSON, M.C. C.M.G.

"MSUNDUZA"

RESIDENT COMMISSIONER OF SWAZILAND

1928

WHO SEEKS THE UPLIFT OF THE BANTU

SO ARDENTLY

# Acknowledgement

I am under deep obligation which I cannot repay,- first and foremost to the Executors of the late Sir Rider Haggard for their kind permission to translate "Nada The Lily" into the Zulu Language.

The work of translation has been arduous, necessitating meticulous care — in conveying as nearly as can be,—the Author's story, in its true meaning and I would here convey my humble acknowledgement to A. G. Marwick Esq., Senior Assistant Commissioner of Swaziland—for his untiring help, advice and courtesy, in reading through portions of the translation, and for valuable corrections made by him.

I wish also to acknowledge with gratitude, the timely assistance of numerous friends who so generously made the project of placing this translation, within the reach of the Native—possible by financial assistance.

Without their generous aid—the work could not have been completed by me.

F. L. Ntuli.

## U ku Bonga

Ngi no kubonga oku khulu engi nge nawo amandhla oku ku bonakalisa, ikakhulu ku bapathi bezindaba zo mufi u Sir Rider Haggard ngomusa wabo ukuba bengivumele ukuba ngi hu mushe i bhuku u Nada the Lily ngolimi lwesi Zulu.

Umsebenzi woku humusha leli bhuku beu ngomukhulu kakhulu owadinga uku nakekela oku faneleyo ukuze ku zwakale kahle umqondo womubhali we bhuku, futi ngi yayi bonga kakhulu ngoku tobeka inkosi u A. G. Marwick Esq. oyi sekela lika nkosinkulu ku Hulumeni wakwa Ngwane ngoku ngadinwa kwakhe uku ngisiza ngeze luleko nango ku hlola kwakhe inxenye yesi Zulu sale ncwadi.

Futhi ngi thanda uku zwakalisa ukubonga kwami ezihlotsheni eziningi ezi mhlope ezi ngenzele usizo nange zimali ukuze le ncwadi abantu babe nako ukuyithola.

Ngapandhle kwalolu sizo bengi ngeke ngaufeza lo musebenzi.

F. L. Ntuli.

## ISAHLUKO I[1]

### UkuProfetha kwoMfana uShaka·

Wena Baba uthi angikuxoxele indaba kaMhlopekazi ese umfana, umpathi weNkosikazi yensimbhi, imbhazo noma isizeze esi uMkhalisi wabantu, uMhlopekazi waqanjwa igama kwathiwa, uMbulali, futhi, ufuna ngikutshele ngothando aye thanda ngalo uNada owaye muhle kakhulu pakathi kwabesifazane bakwa Zulu. Yinde leyo ndaba, kodwa pela, kuhle ngoba, usazoke uhlale amalanga amaningi. Uma ngisapilile, ngizo ku xoxela. Yiba nesibindi ke, baba, ngoba, ku ningi engi zo kukuxoxela khona okudabukisayo, namanjena nje, uma ngi cabanga ngo Nada, kwehla izi nyembhezi emehlweni ami amadala.

U ya ngazi nje mina ukuthi ngi ubani, baba, na. Aungazi, ucabanga ukuthi, ngi yisangoma esidala u Zwide. Yonke leminyaka, abantu bacabanga ukuthi, ngi u Zwide, kanti akusilo igama lami lelo. Bayi ngcosana abalaziyo, ngoba bengilifihla, ngoba, noma sengi pansi kwo muthetho wo muhlope uKhwini nje, umkhonto wona, unga ngena uyi gwaze inhliziyo yami; uma eke waba khona nje, owazi igama lami.

Au bheke lesi sandhla, baba—cha, leso esashwabaniswa umlilo; buka lesi sokudhla. Uyasibona pela wena, mina sengaba yi mpumputhe, angisaboni. Kodwa noko, enhliziyweni yami, ngi sa bona nje nga kuqala. Yebo, ngi bona ku bomvu kakhulu;—ku bomvu igazi lama khosi amabili. Lalela baba, vula indhlebe yakho ulalele kimi. Mina ngingu Mopo—ha! Wethuka pela, wethuka njenge butho lezi Nyosi le thuka mhla u Mopo ehambha pambhi kwalo, okwathi ngo mukhonto owaye wupethe, wopisa uShaka, igazi la consela pansi. Ngi ngu Mopo owa bulala iNkosi uShaka, ngamu bulala ngi no Dingane

no Mhlangana ozalwa yi Nkosi; kodwa elami inxeba, yilo ela mukhipa umupefumulo, ukuze afe u Shaka, kwaba ngenxa yami.

Uthini na. Uthi u Dingane wa fela ngaso Tukela na. Yebo wafa, kodwa afelanga lapo, wafela entabeni ye mikhovu, esifubeni somuthakathi omudala womfazi oyitshe, eli pezu kwe ntaba, lilinde ukubhubha kwo m'hlaba. Kodwa nami, ngake ngaba khona kuleyo ntaba yemi khovu. Ngangi sakwazi uku hambha ngisa ku khuthalele, kwaku ngavumi ukuba ngilale nginga zipindiselanga kulabo engi zondana nabo. Nga hambha imini yonke, kwathi ebusuku ngamuthola. Ngangi hambha nomunye umuntu, samu bulala—.

Kodwa, ngi ku tshelelani konke loku na. Kuya hlangana yini ne ndaba yo thando luka Mhlopekazi beno Nada omuhle njenge mbhali na. Ngizo ku tshela ke. UShaka nga mu gwazela udadewethu uBaleka, ozala u Mhlopekazi, futhi, uShaka waye bulele abafazi bami nabantwana bami. U Dingane samu bulala sino Mhlopekazi, simu bulalela u Nada owaye yi ndodakazi yami.

Le ndaba ipatha abantu abakhulu, baba. Yebo baningi aba bazi nga magama abo, be kuthi uma impi idumelana, ikhuze isiga nga magama abo, ngizwe izintaba sezi zamazama, na manzi ngi wabone eseqhaqhazela. Kodwa bapi manje labobantu ababe namagama amakhulu kangaka na. Sebe seku thuleni, abamuhlope sebe baloba ezincwadini. Ngike ngiba khumbule sebe yizinyoka, be huquzela emanxiweni emizi yabo. Uma ngi yazazi lezo zinyoka abayi zona, nginga zi fihlikeza nge sithende sami, Lapaya enzansi kwethu, endaweni yoku lahla amakhosi, ku khona umugodi, una mathambo ka Shaka, inkhosi eyafa ngenxa ka Baleka. Kude, le, kwa Zulu, ku khona isiwa entabeni yemi khovu, pansi kwaso, kukhona amathambho ka Dingane, inkosi eyafa ngenxa ka Nada. Indawo awa kuyo, yayi yinde kakhulu, naye, enomzimbha osindayo; lawo mathambho akhe, epuka aba yizivungwana. Nga

hambha ngaya ukuyo wabona, uma esedhliwe amanqe nezi mpungushe. Ngase ngihleka kakhulu, ngase ngiza lapa ukuba ngizo fela khona.

Konke loku seku kudala, kodwa angika fi, sengi yafisa ukufa, ngiye lapo kwaya khona uNada. Mhlaumbhe ngi hlale khona ukuba ngize ngi kuxoxele lendaba, baba, ukuze nawe uze uyixoxele abelungu uma uthanda.

Ngi mudala kangakanani nje mina na. Cha, angazi. Ngi mudala kakhulu impela. Noma u Shaka waye nga fanga, ngabe uyi ntanga yami. Amukho ose khona kwe ngangi babona ngise umfana. Sengi mudala kangangokuba, kufanele ngi kusheshisele. Sengi njengo tshani bu buniswa ukungena kobusika. Yebo, njengoba ngikhuluma nje, sengi yabuzwa ubusika bokuguga bungi hlaba enhliziyweni. Nami sengi kulungele ukulala emakhazeni, mhlaumbe ngiyo vuka futhi ekuthwaseni kwe hlobo.

Ngizo qala ekuqaleni—Amazulu engakabi siso isizwe —Nga zalwa yisi zwe sase Langeni. Thina, sasi nge siso isizwe esikhulu; kodwa ngemuva kwesi khathi, amadoda aqinile ese hlangene onke, aye pela ibutho empini ka Shaka. Mhlaumbe babe ngaba yizi nkulungwane ezimbhili noma ezintathu, bene sibindi, manje seba fa bonke, kanye nabafazi naba ntwana babo, seba pela nje ngo kufa kwe nyanga efile, indaba yoku pela kwabo ngi zobuye ngiku landise yona.

Isizwe sakithi sa sakhe ezweni elihle, eli sobala; manje sela khiwe ama Bhunu. U baba u Makhedama waye yi nkosi yaleso sizwe, umuzi wakhe wawa khiwe pezu kwe gquma, kodwa mina ngangi nga zalwa yi nkosikazi enkulu. Ngenye intambhama, ngise muncane, ubude bami busa khaula emadolweni omuntu, sapuma no mame, saya enzansi kwe sibaya siyo buka izinkomazi zi ngena esibayeni. U mame waye zi thanda kakhulu lezi zinkomazi, enye yayi nebala elimuhlope ebu sweni i mpemvu, okwakuli uma ehambha imu landele. U mame waye belethe udadewethu omuncane u Baleka, waye semuncane, sahambha hambha saze

sa hlangana nabafana ababe buyisa lezi zinkomazi, umame wase eyi biza leyo empemvu, wayipa amakhasi omu mbhila owaye ze nawo. Kwathi noma sebe dhlula nazo abafana, yasala yona ngaku mame. Wathi isiyo buya naye uma ese goduka, mina ngiloku ngi dhlala ngaku mame, inkomo yona yayidhla utshani. Kuthe kusenjalo, sabona umfazi ehambha ethafeni eqonde kithina. E hambha njengo khatheleyo. E belethe umthwalo wama cansi, nge ngalo ebambhe umfana ongangami, kodwa yena emukhulu futhi eqinile kunami. Sahlala isikhathi eside, waze wafika lomfazi, wafike wawela pansi, ngoba wa esekhathele. Samubona ngezi nwele zakhe ukwenziwa kwazo ukuthi, asiye owakithi. Wathi, "Sanibona!" U mame wathi, "Sanibona" Nifunani na. Sifuna ukudhla ne ndawo yokulala. Ngi puma kude. Po, ungubani wena, futhi, usizwe sini na. Mina ngingu Nandi, ngi u mka Senzangakhona kwa Zulu, kusho isihambhi.

Kwaku kade ku khona impi, kulwa abakithi naba kwa Zulu, uSenzangakhona waye bulele amaqhawe akithi wadhla izinkomo zakithi eziningi. Ngaloko, umame wathi ukuba ezwe uku khuluma kuka Nandi, wa thukuthela wasukuma, wathi: "Kepa upinda uzalapa uzongicela ukudhla ne ndawo, mfazi wenja yom Zulu! hambha, funaze ngiku bizele amantombazana azo ku shaya aku xoshe kuleli lizwe."

Lomfazi waye muhle, wathula nje, u mame waze waqeda uku khuluma intukuthelo yakhe, wase ebheka pezulu ese khuluma ngo ku nembhuluka, ethi: Nanso inkomo ngaku we, ivuza ubisi ebeleni. U nge sithele yini ubisi sinomfana wami eguleni na. Esho elikhipa igula lakhe emuthwalweni esinika lona.

Wathi umame. "Ngeke."

Wathi u Nandi, somile sipuma kude; po unge sipe yini amanzi nge ndebe na. Kade sawa gcina! Ngeke ngi kunike mfazi wenja, hambha uyozifunela wena amanzi.

Amehlo ka Nandi ahlengezela izinyembhezi, umfana wakhe wa songa imikhono wa hwaqabala. Lomfana

waye muhle kakhulu, enamehlo eqhamileyo amunyama, kuthi uma ehwaqabala, amehlo akhe afane ne Zulu li hloma.

Lomfana wase ethi, Mame, asisafuneki lapa njenga kuleya ndawo, ekhombha nge khanda kwe lakwa Zulu. Asi hambhe siye ku Dingiswayo, abakwa Mthethwa bayofike basi londoloze.

U Nandi wathi, yebo asihambhe mntanami, kodwa kukude, sesi khathele, siyo kwe hluleka endhleleni.

Ngathi ukuba ngi kuzwe loko, inhliziyo yami ayaze yathanda, nga mu dabukela u mfazi nomfana, babe bonakala ukuthi, sebe khathele. Angaze ngasho lutho ku mame, ngathatha isigubhu ngaya odongeni, eduze, engangi lwazi ukuthi luna manzi. Masinyane ngabuya naso isigubhu sigcwele amanzi. Ngenxa yoku thukuthela kwake umame, wafuna ukungi bambha kodwa nga dhlula kuye nge jubane, isigubhu ngasi nika umfana. U mame wase uya ngi yeka, kodwa wamu cekefula wamu cekefula ngo mulomo, ethi imizi yakithi ivelelwe ububi obupuma endodeni ka Nandi, wase ebona enhliziyweni yakhe ukuthi, okubi kakhulu kusazauvela ku phuma endodaneni yakhe (u Nandi) yidhlozi lakhe elali mutshela loko. Nempelake baba, idhlozi lakhe lali qinisile. Uma lo Nandi no muntwana wakhe bake bafela endhle, amasimu abantu ba kithi angabe asilo ihlane namuhla, na mathambo abo angabe awakho odongeni olu khulu luka Tatiyane olu seduze nomuzi ka Cetshwayo.

Lapo umame ekhuluma, mina ne nkomazi emu hlope ebu sweni, sasi mi sibukela, umntwana u Baleka ekhala kakhulu. U mfana ka Nandi amuphuzisanga unina amanzi ngesi gubhu. Wa wa phuza wa cishe wa waqeda yedwa: Ngi yabona ukuthi waye yowaqeda, uma akholwanga; asalayo wabe seu wa nika unina, wase uyawa minya. Lo mfana waye se thatha isigubhu eza naso esi phethe nge sinye isandhla; nge sinye epethe induku emfushane.

Wathi kimi, nge zwi eli fana ne lesi cebi si khuluma no muntu ompofu, "U ngu bani igama lakho mfana?
"Ngathi, igama lami ngi u Mopo"
"Abakini ba yisizwe sini na. Nga mutshela ukuthi aba se Langeni.

Yebo ke, Mopo; ngi zo ku tshelake elami igama. Mina ngi ngu Shaka ozalwa uSenzangakhona, thina si nga Mazulu. Ngi zokutshela okunye futhi. Ngi muncane manje, nabantu bami ba yi ngcosana. Kodwa ngizokhula ngibe mkhulu ikhanda lami, lize liyo sithela ema fwini; uyothi noma ubheka pezulu ungaze wa libona. U buso bami, buyo kuku xhopa ngo ku khazimula; buyo khazimula nje nge langa; nabantu bami ba yo khula kanye nami bayo wugwinya wonke umhlaba. Ngi yothi uma sengi mukhulu kanye nabantu bami, ne zwe sesa linyathela pansi yonke indawo lapo kunga fika khona umuntu, ngaleso sikhathi ke, ngi yosi khumbhula isizwe sakini sase Langeni esa ncisha mina no mame indebe yobisi sesi khathele. Uyasibona lesi sigubhu; amaconsi ayo gcwala kuso ayoba ngange gazi eliyo puma ku muntu wakini. Kodwa ngoba wena ungi puzisile amanzi, ngiyoku sindisa Mopo, wena wedwa kupela, ngiyo kubeka ube mukhulu pansi kwami. U yo khulupala pansi kwami, uwe kupela onge yuku linyazwa yimi, ngisho noma sewone kangakanani kimi; loku engiku shoyo, ngi yaku fungela. Kodwa, lowo mfazi, ekhombha umame, kuhle asheshe afe, ukuze kunga dingeki ukuba, ngi mufundise ukuthi, ukufa ngemuva kwe sikhathi eside kunga fika nini. "Sengi khulumile" Wase edhla imihlathi esi gema ngenduku.

U mame wathula isikhashana. Ngezwi elipela umoya, wathi: Kunamanga loku. Ku khuluma sengathi kuyi ndoda—nethole liya khonya njenge nkunzi. Ngizoke ngikufundise loku—lomntwana wo mthakathi. Washo emubeka pansi uBaleka, waxosha umfana.

U Shaka wema wathula nje, u mame waze waba seduze naye; wapakamisa induku owaye yipethe wa-

shaya u mame kakhulu ekhanda, wawela pansi. Wahleka umfana, wapenduka wahambha nonina uNandi.

Lawa mazwi ke, baba, anga wokuqala enga wezwa ekhulunywa u Shaka, aye pulofetha, kwaba njengoba waye shilo, namazwi akhe oku gcina engamuzwa ewa khuluma, aya gcwaliseka. Ngokunye; wakhuluma ngoku khula kwe sizwe sakwa Zulu. Asi khulanga ke na. Wapinda wa khuluma ngoku wa kwaso, nangempela siyo kuwa. Akusibo yini abeLungu laba esebe hlangana ngo Cetshwayo, be lingisa amanqe ekaka inkabi efileyo na. Ama Zulu asa fani njenga kuqala angeze a melana nabe Lungu. Yebo, Yebo, amazwi akhe azogcwaliseka, mina ngizo khuluma ngabantu aseba qalekiswa. Angishiye lapo ke kuloko.

Ngase ngiya ku mame, masinyane wa vuka lapo waye wele khona, wahlala pansi wambhoza ubuso nge zandhla. Engozini aye shaywe yona kopa igazi, lehlela ezandhleni nase sifubeni sakhe. Ngale sula ngo tshani. Wahlala kanjalo isikhathi eside, umntwana ekhala, nenkomo yakhalela uku sengwa, ngalesula njalo igazi ngo tshani. Isigcino waze wazi susa izandhla ebusweni wa khuluma.

Wathi, Mopo, mntanami, kade ngi pupa, ngi pupe ngi bona umfana, yena u Shaka lo ongi shayileyo; esekhulile enjenge siqhwaga. Ehambha ezintabeni nase ndhle, amehlo akhe ekhanya njengo nyazi, ezulisa umkhontwana ngesandhla, owawu bomvu yigazi, eloku ebambha abantu eba cosula nge zandhla zakhe. Imizi yabo ayi gxobe ayi shikishe nge zinyawo zakhe. Ngapambhi kwakhe, ku luhlaza njenge hlungu lase hlobo, kodwa, emuva kwakhe, kumunyama njenge hlungu. Ngase ngi bona aba kithi ke, Mopo; be baningi be khuluphele, behleka ezinhliziyweni zabo, amadoda anezibindi, izintombi zi zinhle: Ngathi lapo ngiba bala, abantwana babo bahlangana amakhulu-khulu. Nga buye ngaba bona futhi Mopo. Sebe ngamathambo a muhlope ayi zinkulungwane nge zi nkulungwane ebhulukuqiselwe ndawonye emadwaleni, u Shaka emi

phezu kwawo ehleka ku ze ku zamazame umhlaba. Ngase ngi pinda ngi ku phupha seu khulile wena Mopo seu yi ndoda. Seku uwena wedwa kupela be-ngasekho bonke abakithi. U khokhozela ngemuva kwe siqhwaga esingu Shaka, uhamba nabanye abakhulu abafana nabase ndhlunkulu. Wa se umu gwaza ngo mukhontwana omu ncane, wawela phansi wa pinde waba umuntu omncane futhi, wathi lapo ewa, wa ku thuka. Wena wa mu tshela u Baleka, udadewenu— wase uya phela njalo. Asi goduke, Mopo, asi goduke; sekuyahlwa.

Sase siya sukuma saya ekhaya. Kodwa mina angi yi xoxanga lendaba, nga thula ngoba, nga nge sa ba kakhulu.

## ISAHLUKO II

### U ku Hlupeka kuka Mopo

Manjeke ngi zoke ngi lande okwa khulunywa umfana uShaka ku Mame, wase ushesha uyafa. Lolo luduma aye mu shaye lona ebunzini, lwaba yisi londa esi ngapoliyo, pakathi kuso, kwa mila ithumbha, ladhla lashona pakathi, laze lafika ebuchosheni. U mame wa shayeka pansi wafa, nga khala kakhulu ngoba, ngangi muthanda u mame, kwaba buhlungu ukumu-bona esefile, esebanda nomzimba wakhe seu lukhuni, engasa ngipenduli, ngisho noma sengi memeza kakhulu. Bamu ngcwaba, base beshesha uku mukhohlwa. Yimi ngedwa engangi hlala ngi mu khumbhula, amukho omu-nye, ngisho no Baleka imbhala, kodwa pela waye se ngumntwana, u baba yena wase ezi thathela omunye umfazi ose musha, wase uye neliswa yiloko. Emuva kwaloko ngapila ngoku hlupeka, ngoba abafowethu babe ngangi thandi, ngoba ngangihlakanipile kunabo, ngi yingwazi futhi, ngine jubane kunabo; ngako konke loko, bamenza ubaba ukuba angi zonde, wase sengi patha

kabi. Kodwa thina no Baleka, sasi thandana ngoba sasi nesi zungu, naye wanamathela kimina—noma ngangi semuncane nje, ngangi kubona ukuthi, uku hlakanipa ku amandhla, ngoba, noma ungaupatha umkhonto ubulale ngawo, kodwa umpathi wempi, unamandhla kunalowo obulalayo. Ngase ngibona ukuthi, izangoma nezi nyanga, ziye satshwa ezweni, ngoba uma inyanga, iyi nye, ipethe induku inga xosha ishumi labantu lihlome imikhonto. Nami ngase ngibona ukuthi, kuhle ngibe yi sangoma. Ngoba yizo ezinamandhla okubulala eziba zondayo ngokukhipa izwi nje, ngomlomo. Ngabufundake ubu nyanga—ngaya endhle ngayo zila khona ngihlezi ngedwa, ngakwenza konke okwenziwayo uma kufundwa ubunyanga, ngethwasa ezintweni eziningi, ngoba emilingweni yethu, kukhona ukuhlakanipa, nase mangeni kunjalo—nawe uyakwazi loko, baba, ngoba uma ubu ngakwazi, ngabe auzanga lapa kimi ukuzo buza izinkabi zakho ezi lahlekileyo.

Nga bhula ke ngaze ngaba neminyaka engamashumi amabili yobudala—ngaze ngaba yindoda esiqinile, ngaze ngapelela eku thwaseni, nginga thwasiswa muntu. Ngase ngitholana nenye inyanga yakiti u Noma, eyayi si ndala, iyichide, ihlakanipe kakhulu. Ngafunda obunye ubuqili nokuhlakanipa kuyo, kodwa isigcino, yangenzela ubu khwele, yanga khela isu ukuba ngibhajwe. Kwa suke kwa lahleka izinkomo zomu numzane ongu makhelwane kodwa, engo wesinye isizwe, lo munumzane, weza ku Noma ezobhula, eza ne holelo, uNoma wehluleka ukuzibona izinkomo lapo zi khona. Lomnumzane wase uya thukuthela, esebiza iholelo ukuba libuyiswe, wala uNoma, bathethisana, umnumzane wathi uzobulala uNoma; uNoma wathi uzomuthakatha.

Ngathi mina, "Kahleni," sengi bona ukuthi seku zau chitheka igazi. Ngathi mina, thulani ke ngibone ukuthi, idhlozi lami, alizuku ngi tshela yini ukuthi izinkomo zingapi na.

Umnumzane wathi, Ungumfana wena wazini ke na, ngathi mina, "Sizau bona pela", nga wathatha amathambo.

Washo kakhulu u Noma wathi, Yeka ama thambo wena!" "Asi yeke ukuhlupa amadhlozi ethu ngenxa yale nja".

Umnumzane wathi, "Muyeke awashaye amathambo". Uma ume nqabela ngi zo ku dwengula ngo m'konto" Esho eu pakamisa.

Ngase ngi ya wa sheshisa; amathambo ngi ya wa shaya. U mnumzane wahlala pambi kwami wathi, "Siya vuma"—Idhlozi lami laba nami, Ngangi ngazazi izi nkomo ukuthi zipi, kodwa masinyane ngazibona zonke lapo zikhona, nga mu balela nge mi bala yazo, nobukulu bazo, ngamutshela konke. Njenga we baba mhla idhlozi lami lingitshela izinkabi zakho ezazi lahlekile. Nga mutshela neyayi wele emfuleni igenuke ngomhlane emanzini, umkhono wayo u bhajwe ebhaxeni le mpande yomuthi ngamutshela konke oku shiwo yidhlozi lami.

Wase uya jabula lo muntu ese thi, uma ngi zi bhule kahle wazi thola izi nkomo, seuzo holela mina amepuce u Noma; wase e buza kubantu abaningi ababe khona ethi nina nithini na.

Bathi, "Yebo," kuyimfanelo, bati, nati sifuna kuze ku be njalo. U Noma wahlala wathula nje wangi buka kabi. Wa bona ukuthi ngi bhule kahle, loko kwa mtukutelisa kabi. Kwaba yindaba enkulu; zazi ziningi lezizinkomo ezazilahlekile, uma nempela zinga fumaniseka lapo ngizikhomba khona, abantu bayo bona ukuthi, yimina inyanga enkulu. Ngaleso sikati ke, kwase ku hlwile nenyanga inga ka pumi, lomnumzane wati, uzo sale ese lala khona lapa kithi, wathi, kuyoti lapo kuqala ukusa a hambe nami aye lapo ngi muyalele khona izinkomo. Wase uya hamba ke.

Nami ngase ngiya endhlini yami nga fike nga lala. Masinyane, nga papama, ngizwa ku khona oku ngi cindezelayo esifubeni. Ngi the lapo ngithi, ngiya

vuka nge zwa into eqandayo ingi hlaba emupinjeni. Nga buyela pansi nga se ngi ya buka. Umnyango wau vulekile. Inyanga isa puma, ise pansi ise bomvu nje nge sigaxa somlilo kude. Nga ngi yi bona ngo munyango ovulekile, unyezi u khanyisile endhlini. Ngabu bona ubuso buka Noma isangoma. E pezu kwami, engi gqolozele ngeso lakhe elilodwa, epethe umumese. Yiwo lowo mumese engangi wuzwe ungi hlaba emu pinjeni.

"Mgewana ndini kanthi nga kwo ndhlela ukuba ubuye udhle mina!" e hoshoza endhlebeni yami. Yini ubhule lapo kwehluleke mina khona? Kulungile ke, ngi zoku ku khombisa ukuthi injana enjengawe ye nziwa njani. Ngizoqala ngo ku ku hlaba esiqwini solimi yi kho na ungezu kuhlaba, bese ngilo ngiku nquma izi nqamu nge zi nqamu kancane, bese kuthi ekuseni ngi tshele abantu ukuthi, ubu sikwa amadhlozi ngoba uqambe amanga. Bese ngi ku nquma izingalo ne mi lenze. E he, ngi kwenze ufane ne nduku! Ngi ku—.' Wase eufaka u mu mese nge nzansi kwo muhlati.

"Ngathi, Shwele, malume" se nge saba ngi zwa ubuhlungu bomu mese. Wathi, ku njani uvuke uyo funa lezi zinkomo zale nja uziqhube uyozibeka kwe nye indawo uzifihle na. Wayisho indawo ese sitha esi godini enga ziwa abantu abaningi. "Uma uvuma ngi zoku yeka bese ngikupa izi nkomazi ezi ntatu kulezo nkomo. Uma wala, noma ungi khohlisa, nge dhlozi lika baba, ngo yi thola indhlela engo ku bulala ngayo!"

"Impela malume, ngizokwenza loko". "Au ngi thembanga ngani khona kuqala? U ma bengiqonda ukuthi beufuna izi nkomo zibe ezakho, bengi ngeke ngi zibhule. Mina ngi zi bhule ngoba, ngi bona ungezu kuli thola leli holo."

Wase e gwavuma ethi, "Kanti au mubi nje ngokucabanga." Vuka ke, wenze nje ngo ku sho kwami. U bo buya uma seku qala uku fudumala ilanga.

Ngase ngiyavuka ke, ngino mucabango wokuti angi suke ngi hlale kuye. Kodwa ngi nga hlomile, yena e pethe umumese; kanti njalo, uma ngangi ngase ngi pumelele ngimu bulale, kwaku yothiwa ngi mubulele, be se ngidhliwa umkonto. Ngase ngakha elinye i su. Lokuba ngi hambe ngiye esigodini lapo izinkomo ngi zi bone khone, emathanjeni, nginga zi lethi ukungi zozifihla. Cha, kodwa ngi qondise esi bayeni. Ngi mu dumaze u Noma enkosini, baba, nakubo bonke abantu. Kodwa pela nga ngise musha ngi ngakayazi inhliziyo ka Noma. Waba yisangoma waze waba mudala ngoku ngesiko ukudhlala nje. Wabe enenhliziyo embhi kabi!—waye hlakanipe nje nge mpungushe, esabeka njengebhubesi.—

Ngase ngiya emusamo, uNoma engi bhekile, ngafike nga thatha iwisa ne hawu lami eli ncane. Ngase ngi pumela pandhle ngi ya hamba ku u Nyezi. Ngi the ukuba ngidhlule isibaya nga nyelela njenge thunzi. Ngase ngiya gijima ngi hamba ngi hlabelela ngi thi ngethusa imimoya emibi.

Nga qale nga gijima kakhulu endaweni eu bala, ngaye ngayo fika eqeleni lapo se kuqala ukuba yi hlati. Kwafike kwaba munyama kakhulu pansi kwe mithi, lapo ke, nga hlabelela ka khulu. Nga ze ngauthola umzila wezi nyathi engangi u funa, nga hamba ngawo. Isigcino nga fika obala lapo ku khanya unyezi nga pansi kwe mithi, nga guqa pansi ngabuka. Ehe! idhlozi lami beli nga ngi tsheli amanga! Nazi izinyawo ze zinkomo. Ngase ngi hamba ngo kujabula ngaze nga yofika esigodini esi nom'fudhlana—. Ngaze nga fika lapo umzila we zinkomo seu mukhulu khona;—ngafika esizibeni. Ngasi khu mbula ukuthi yiso engi si khonjiswe yidlozi. Ngaso sebeni lwaso ku ntanta inkabi ebulewe ukuminza emanzini, unyawo lwayo lu bhajwe empandeni eyi bhaxa. Konke engakubonayo kwa simze kwa fana nengikubone nge nhliziyo.

Ngathi ukuqhubekela pambili ngaqalaza. Nga bona ukukhanya kokusa ku cwebezela ezi mpondweni zezi

nkomo. Ngithe ngi sa zibuka, enye yatimula, ya vuka ya zi thuntutha amazolo. Kwa kuthi uma uyi buka ise nkungwini kunga khanyi kahle ku be se ngathi ingange ndhlovu.

Ngase ngi ya zi butha zonke—zazi yi shumi nesi khombisa—nga zi qhuba nge ndhledhlana encane nga ziqondisa ekhaya. Kwase kushesha uku sa, ngathi ngi fika lapo kwakufanele ukuba ngizi fihle khona nje ngo kusho kuka Noma, ilanga lase liqala ukufudumala. Kodwa angi funanga ukwenza angi tshele kona. Pinde, ngangi zo hamba nazo mina ngize ngi fike nazo ekhaya, ngiba tshele bonke ukuthi, u Noma uyi sela. Ngoba ngase ngi khathele, nga hlala pansi ukuba ke ngi pumule isi kashana. Ngithe ngisa hlezi, nge zwa umsindo, nga bheka o khalweni nga bona ku qhamuka isi xuku sa madoda, pambi kwaso, ku u Noma elinganisene nomu numzane umunikazi we zinkomo engangizi qhuba. Ngasukuma, ngema, ngi mangele; ngi the ngisemi, nga ba bona begijima beza kimi be memeza be pakamise izi nduku ne mi khonto.

"Na nguya ke! kusho uNoma." Nangu ya! lo mfana ohlakanipileyo enga mondhla kanti ngi mondhlela ukuba angi bangele amahlazo. Ngi theni-ke? Angi ku tshelanga ukuthi uyi sela na. Hau-yebo! Ngi yayazi imikhutshana yakho, Mopo, mntanami.! Uyamubona ke! weba izinkomo! U be zazi sonke lesi sikhathi lapo zi khona, manje seu ya'ko zi fihla zi yo musiza ngo ku lobola umfazi, akunjalo mfana wami ohlakanipileyo na. Wase uya ngidumela, nge nduku, elandelwa umnumzane owa yethukuthele egquma.

Nga zi bonela ke manje, baba. Ngezwa inhliziyo yami se yi hlanya ngo ku thukuthela, ngabona konke se ku dilaya, kwa ba khona indwangu e bomvu emehlweni ami. Ngiya vama ukuyibona uma sengi zokulwa. Ngamemeza kanye nje ngathi "Una manga!" nga muhlanga beza. Wa ye se fikile uNoma. Wa gadhla ngenduku, nga vika nge hawana lami elincane, nga yi buyisela. U wewu! Nga mu shaya! ngali

pelelisela ekhanda iwisa, wa vuma pansi. Nga khuza futhi, ngamudumela um'numzane. Wa ngi ciba ngo mkonto, wangi posa, nga mushaya naye futhi. Wa vika ngehau lakhe, nga li shaya ngali cindezela e khanda lakhe, wa wa, wagingqika waquleka. Noma wasale wa phila, noma wa fa, angazi ke baba; kodwa ngoba ikhanda lakhe lali lukhuni mhlaumbe wa sinda. Kwathi, be sa libele ukumangala laba abanye, nga fula ihela nge jubane. Ba ngi sukela be hamba bengi ciba nge mikhonto, be zama ukungi khalima. Amukho owaye ngangi fica ngisho namunye. Nga ngi nje ngomoya; nga ngi gijimisa okwe nyamazane ivuswa yi zi nja; ngaba shiya ngaze nga yo sithela ngedwa.

## ISAHLUKO III

### U ku hlupeka ku ka Mopo aze Afike ekhaya.

Nga zi lahla pansi etshanini ngi hehezela ngaze nga hlaba ipika; ngase ngiya ko bhaca esiqintini so mhlanga ngase xhaphozini. Nga lala khona lonke ilanga ngicabanga. Ngi zo kwenza njani na. Se ngiyi mpungushe engena mugodi; U ma ngi buyela kwa ba kiti, impela banga fike ba ngi bulale, ngoba bathi ngi yi sela. Ngi bulawele uNoma, ngangi ngaku funi ke loko, ingani inhliziyo yami ya yi dabukile. Ngase ngi fikelwa umcabango ka Shaka, umfana lowo enga mu phuzisa amanzi nge sigubhu kuqala. Be ngi ke ngi yi zwe indaba yakhe; esa ziwa ezweni; esedumile; esa ziwa na yimithi notshani. Amazwi aye wa khulumile ne pupo lika mame ngaye, kwase ku qala uku gcwaliseka. Ngo ku sizwa yi sizwe sa ka mThethwa u Shaka wa si thatha isi kundhla sika yise u Senzamanje waye selwa no Zwide, inkosi yaba kwa Ndwandwe, waye fungile ukuti, aba kwa Ndwandwe uyoba

nyathela pansi, ba nga pinde ba tholwe muntu. Nga se ngi ya khumbula mhla u Shaka enge thembisa ukuthi ngiyoba mu khulu ngikulupale pansi kwake; ngase ngi bona ukuthi kuhle ngi hambe ngiye ku ye. Mhlaumbe uyofike angi bulale; kepa pho, kunani? Impela uma ngi hlezi lapa ngi zo bulawa. Yebo, ngi zo hamba. Kodwa inhliziyo yami yabuye yangi ca bangisa okunye. Kwa ku khona umuntu munye enga-ngi mu thanda em'hlabeni—u dade wethu Baleka. U baba waye mendisele enkosini ye sizwe esakhelene naso, kodwa nga ngazi mina ukuthi u dade wethu waye nga ku funi ukugana lenkosi. Mhlaumbhe ngi nga baleka naye uma ngi ngase ngiye kuye ngifike ngi mutshele ukuthi ngiya hamba ngi zoke ngi linge.

Nga hlala ke kwaze kwahlwa, ngase ngi ya suka eme nweni ebe ngi lele kuwona, nga nyonyoba ngaya ekhaya. Nga fika ngema isikhashana ensimini yomu-mbhila, ngoba ngase ngi lambe kakhulu, nga dhla wona lo mu mbhila ose amahevu ngau sutha. Ngase ngi ya hamba ke ngaze nga fika ekhaya. Abanye bakiti be hlezi nga pandle kwe ndhlu botha umlilo be khuluma. Nga nyenya nga sondela nga kubo, nga ngi qonda kahle ukuthi nge ke bangi bona ngoba angi kho lapo ku khanya khona, ngangi funa uku zwa ukuthi bathini. Kwaya nje ngo ku cabanga kwami, kanti nempela ku petwe mina, bangi thuka nga yo-nke inhlamba. Beti ku zoba khona umhlola ezweni ngoba ngi bulele isangoma esikhulu u Noma. No-kuthi futhi, aba kwa lo'mnumzane bazo biza enkulu inhlaulo ngoba ku shaywe umunumzane. Nga se ngi zwa futhi ukuthi kanti u baba seu thume onke ama doda aku leso sizwe ukuba ayo ngi funa ngakusasa, bangi bulalele lapo beyongi thola khona. Ngathi nge-nhliziyo, "Ah!" "ninga ngi zi ngela kodwa no buya lize". Kuthe kuse njalo kwase ku suka inja eyayi lele ngase mulilweni seyi hogela emoyeni. Angi yi bonanga ukuthi iyipi leyo nja—impela, ngase ngikho-hliwe ukuthi ku khona izinja lapo ngi sondela eduze

nase khaya; ku ba njalo ke uma umuntu engazi, baba. Yauhosha umoya inja yase iya vungama, ilo-ku ibheke nga kimi, ngase ngi ngenwa ukwe saba. Ivungamelani inja? Omunye ebuza kwo munye. "Hamba uyo bona." Waye zi bhemela u gwayi nje lowo okwaku shiwo kuye akaze ayi ngena. Wasuke wa pendula ngo kuti, Aku hambe yona inja iyo zi bonela ngo kwayo," esho e thimuliswa ugwayi. Ku-sizani ukwe fuya inja ubuye uzi bambele wena isela na.

Wase uti enjeni, "Ayi hambe." Ya gijima ya ya pambili inja ihamba ikhonkota. Ngayi bona; kanti yi nja yami u Kosi, inja enhle kabi. Ngi the ngi sa-lele pansi nginga ka qondi ukuba ngizo kwenza njani, yase ingi zwa nge punga, seyi thula uku khonkota, yangi fica ngi nge muva kwe sihlahla ya fika ya ngi khotha ebusweni. Nga nyenyeza ngathi, "Thula, Kosi!" Yase ilala eceleni kwami.

Indoda yo kuqala yathi, seyi shonepi le nja na. Ithakathiwe yini loku ishesha uku thula uku khonkota ingabe isa buya njena.

"Ake sibone", ku sho omunye esukuma, epethe umkhonto. Nga pinda futhi ngaba noku khulu ukwe saba, ngoba ngabona ukuthi, bazo ngi bamba, kuhle ngizi sindise ngoku baleka futhi. Ngathi lapo ngi gxuma ukuba ngibaleke, kwa vuka inyoka enkulu emunyama pambhi kwake lomuntu ya qonda ngase zindhlini. Bethuka bagxuma behlukana, babuye ba buya bonke bayi landela, bethi yiko loku obeku kho-nkotwa yinja. La ngimela idhlozi lami elihle, baba. E la suke la penduka inyoka ngoku sobala ukuba lingi sindise.

Kwathi lapo sebe hambile ngase ngi yasuka lapo sengiya kwenye indawo, wa ngi landela u Kosi nga qale nga cabanga ukuba ngi yi bulale le nja ngi bona ukuthi izau ngi dalula; kwathi lapo sengi yi bizile ukuba ngi zoyi pohloza inhloko ngewisa, ya hlala pansi ilshikiza umsila, kwa ba sengathi iya ngi hlekisa, ngase ngi ye hluleka ukuyi bulala. Ngase ngi bona ukuthi

angisale se ngi hamba nayo. Nga ngi qonde ukuba ngi nyenye ngi yongena elawini lami ngiyo thatha imi khonto yami nesiphuku sami, bese ngenza indhlela yokuba ngi khulume no Baleka. Nga ngi cabanga ukuthi akukho muntu elawini lami, ngoba kwaku lala mina ngedwa, ne zindhlu zika Noma zazi yi bangana kude ngase sandhleni sokunene. Nga fika e gumeni lo m'hlanga elizungeze izindhlu, kwa ku ngeko muntu e sa ngweni, ela li nga valiwe nge hlahla la meva njenge mihla. Lali valwa yimi, lali nga valiwe ngoba ngangi ngekho. Nga yi lalisa pandhle inja, ngase ngi ya ngena ngesibindi, ngafika em'nyango we lawu la mi, nga lalela. Kwa ku ngekho muntu; ku nge kho no pefumulayo pakathi. Ngase ngiya ngena ke, ngi yo funa imikhonto yami, nesi gubhu sa manzi nesi camelo esasi bazwe kahle engangi nga funi uku sishiya. Nga kuthola masinyane. Ngase ngi puthaza isi phuku sami, nge zwa ngi phatha into e bandayo. Nge thuka nga buya nga phatha futhi. Kanti, ubuso bo muntu ofile, u Noma, enga ngimu bulele, waye bekwe elawini lami ese zau lahlwa. Hau! lapo ke, ngase nge saba kabi, ngoba u Noma ese file ese m'nyameni waye sabeka kakhulu kunoma epilile. Ngase ngi lungela ukubaleka, se ngizwa amazwi abe sifazane be khuluma ngapandhle em'nyango wayo lendhlu, ngawezwa ukuthi awobani, kwaku amazwi abafazi ababili baka Noma, omunye wa yethi, uzo linda isi dumbu sendoda yakhe. Kwa funyaniseka ukuthi, ngi bhajiwe, ngqi, isibili, kuthe ngi ngakaboni ukuthi konje, ngi ngenzenjani, ngase ngibona ithunzi lithi, zibe, emunyango, ngase ngizwa ngo mufutho ukuthi yinkosikazi enkulu ekhulupeleyo ka Noma iya khothama ingena emunyango. Ngesikashana nje yase ipakathi, yafike ya hlala pansi nga sesi dunjini, akwaze kwa sala ndawo yo kuba ngiye ngase munyango, yasi susake isililo, ya ngisho yangisho nge nhlamba. Ingaqondi ukuthi ngi khona, ngi lalele. Mina ngangi hlezi ngase khanda lika Noma. U kwesaba kwami, kwa ngenza ngithole

isu. Njengoba kwase kukhona umfazi endhlini, angi bange ngi sa mesaba ofile, ngoba waye umkhohlisi omkhulu, ngathi ake ngi menze avalelise uku khohlisa kwake. Nga faka izandhla zami nga pansi kwemikhono yesidumbhu esifileyo sika Noma, nga sipakamisa ngasi hlalisa. Umfazi wezwa ku khwashaza, nga muzwa ese khuluma yedwa.

Ngathi ngezwi lika Noma, "Thula lo muthakathi omdala." Kona sengifile usa loku ungi bangela umsindo na.

Wathi, ukuba, ezwe loko, we thuka waye wayoshayeka pansi ngomuhlane, wase e funa ukukhala.

"Yini! U nga linga wena ukhale na, nga pinda futhi nge zwi lika Noma ngathi, ngi zoku fundisa ukuthi ku thuliwa ku thiweni. Ngase ngisi wisela pezu kwakhe isidumbhu.

Lapoke, nga muqedela wafa, nya, ngamushiya equlekile, angazi ke noma wasale wa papama yini, kodwa wa thula yathi, nya, isikhathi eside. Ngase ngidumela ingubo yami, kanti akusiyo, yisi puku sika Noma sezi nsimbha esenziwa abe Suthu, esihle esilingenwe yizinkomo ezi ntatu—ngase ngiyabaleka ngi landelwa yi nja yami u Kosi.

U muzi ka baba inkosi u Makhedama, wawuseduze kwaku funeka ngi dhlule khona ngaku Baleka owaye sa lele. Ngangi ngafuni uku ngena nge sango, ngoba kwaku khona u muntu olinda isango. Ngavula uthango lwo mhlanga ngo mukhonto, nga ngena nga qonda endhlini lapo ku lele u Baleka nao dadewabo. Ngangi yazi nendawo endhlini alele ngakuyo, ne khanda lakhe lapo linga khona. Ngase ngilala pansi ngo hlangothi khona nga pandhle, nga bhoboza etshanini obufulele indhlu maqondana ne khanda lakhe. Kwa ngi thatha isikhathi eside, ngoba utshani babu buningi, yaze ya bhoboka imbobo. Ingaka pumeleli ngapakathi, nga yeka nginomucabango wokuthi, mhlaumbe, u Baleka amukho, endaweni yakhe, kulele enye intombazana, nga cishe nga yeka, nga baleka ngedwa.

ngase ngizwa intombhazana ivuka ikhala—ngathi, "Auzwake" Sengathi u Baleka lowo okhalayo, ekhalela umfowaho. Ngase ngi sondeza umlomo etshanini senginyenyeza "Baleka, dadewethu! Baleka, musa ukukhala! Yimina u Mbope, sengifikile sukuma, ungakhulumi lutho. Phuma lapo endhlini, uze nesiphuku sakho."

U Baleka wa ye hlakanipe kakhulu; a khalanga nje nga manye amantombazana; waba se uyezwa, ngemuva kwe sikhashana, wa sukuma, wapuma ne ngubo yakhe.

Wa nyenyeza wathi, "U bekwa yini lapa Mopo na?" "Impela bazo ku bulala!"

Ngathi, "Thula!" Ngase ngi mutshela nge cebo engase ngi lakhile. "U zo hamba nami kambe na?

Ngase muva ko ku cabanga isi khashana, wase ethi yebo mfowethu ngi zo hamba nawe, ngoba uwe wedwa engi mutandayo kwa ba kithi, kodwa ngi ya bona nje ukuthi sesi ya esi gcinweni sethu ungiyisa ekufeni.

Loko ku khuluma kwakhe angikusebenzisanga nje kakhulu emqondweni wami ngaleso sikathi, kodwa nga buye ngaku khumbula. Sase siya hamba ke so babili, silandelwa yi nja u Kosi, sithe uma sesi pandhle kwo muzi sase siya gijima si qonde ezweni lama Zulu.

## ISAHLUKO IV

### U kubaleka kuka Mopo no Baleka

Sa hamba bonke lobo busuku, kwaze kwakhatala nenja embhala. Emini sa casha ensimini yomu mbhila, ngoba sase saba ukubonwa. Ntambama sezwa abantu be khuluma, ngaba bona nge zikhala zo m'bila ukuthi, abantu bakithi bathunywe u baba ukuba ba zosi funa, baya dhlula ba qonda emzini oseduze beyo buza

ukuthi aba sibonanga yini, base baya nyamalala asabe sisa babona. Uma sekuhlwile sa hamba futhi; sa ba no munyama ke lapo, sa hlangana ne salukazi, esa si buka ka lukhuni kodwa asa khuluma lutho. Emuva kokuba si pambane naso sa hamba imini nobu suku, ngoba sa bona ukuti, uma, abasi landelayo be hlangana nalesi salukazi, singa ba tshela ukuthi si sibonile; ne mpela kwaba njalo. Ngobusuku be sithatu sa fika emasimini omumbhila, umumbhila we puliwe wa nyathelwa. Pakathi kwawo, ku khona isidumbu se xegu, umzimba wonke ugcwele amanxeba emikhonto.—Kwasi mangalisa loko, sadhlulela pambili. Sase si bona umuzi wala masimu ushisiwe, Saya khona—hau! sa bona into edabukisayo. Yonke indawo kwa ku ucaca lwe zidumbu za bantu aba file, beba ningi—abadala, izinsizwa, abafazi, abantwana na bancane aba ncelayo, bese mulotheni we zindhlu ezishile, be namanxeba emi khonto. Nomu hlabathi ubomvu yigazi labo, ne langa seli shona kwasuke kwaba bomvu lonke izwe sengathi isandhla se dhlozi elikhulu uNkulunkulu besi wu sinda nge gazi. Uthe, ukuba akubone konke loku u Baleka wase uya khala; wa ese khathele, ukudhla sasikuthola kancane, sasidhla u tshani na mabele alu hlaza.

—"Isitha kade si lapa," ngathi ngisa sho njalo nge zwa se ngathi u khona ogqumayo nga lapaya kwo thango lwo m'hlanga, ngaya khona uku yo bheka. Nga fumana owesifazane ose musha elele pansi; elimele kabi, kodwa ese zwa, baba. Eduze naye, ku khona indoda seyifile, pambi kwayo, ku ucaca lwe zidumbu zabe sinye isizwe; le ndoda ya yi fe ilwa. Pambi kwo mfazi kwaku khona izidumbu zabantwana aba thathu; esinye si eso muncane sipezu kwo mfazi ogqumayo, ngamu buka umfazi, wa pinda futhi wa gquma, wa bheka wa ngi bona ukuthi ngi pethe umkhonto.

Wathi, sheshisa ungibulale. Abu ka neli yini lobu buhlungu osu ngi zwise bona na.

Ngati mina ngi yisihambi angi funi uku mubulala.

Wa se ethi, ngi pe amanzi ke: "ku khona umthombo lapaya nge muva kwo muzi."

Ngase ngi biza u Baleka ukuba eze ku mfazi, nga hamba ne sigubhu ngaya emu tonjeni. Na khona emitonjeni kwa ku khona izidumbu, ngazi donsa nga zi khipela nga pandhle, athe lapo amanzi ese cwebe kancane ngase ngi ya wakha nge si gubhu ngi wa sa ku mfazi. Wawa puza kakhulu, kwaba sengathi aya buya amandhlana akhe—amu pilisa amanzi.

Ngase ngi mubuza ngithi. U ze wa ba nje na nje, be kwe nze njani na.

Yi mpi ka Shaka, oyi nkosi yama Zulu, si dhliwe iyo. Sithe sisa lele namuhla ekuseni sabe thuka sebe khona. Yebo, mina ngithe ngi papama nge zwa seku fiwa. Bengi lele ngase ndodeni yami, yona leya elele lapaya pansi na bantwana. Si pume sonke sa baleka indoda yami ipethe umkonto ne hawu. Yayi umuntu one sibindi. Au mu boni! ufe nje ngeqhawe; pambi kwakhe, ku khona o satane abatatu ba ma Zulu aba buleleyo. Ba ngi bamba mina, base be bulala abantwana bami, base be gwaza mina baze ba ngi ye ka ngoba be cabanga ukuthi, se ngi file. Base beya hamba. Angi bazi ukuthi, bebe zokwe nzani, kodwa ngi yabona ukuthi, ku ngenxa yokuba inkosi yakithi, ayi wa tumelanga ama buto, ukuba ayo kwelekelela u Shaka uma elwa no Zwide.

Wase uya thula, wa khala kanye, wa se uya fa njalo.

Udade wethu kwamu khalisa loko, nami kwa nge nyelisa.

Ngathi nge nhliziyo "Au" "leli Dhlozi eli khulu libi. Uma linge libi, izinto ezi nje, ngabe aze nzeki." Mina ngacabanga kanjalo ke baba; kodwa manje, angisa cabangi kanjalo. Sengi yazi ukuthi sasi ngakayi boni indhlela ye Dhlozi eli khulu.—Ngangi seyi nkuku (ngimu ncane) nje ku lawo malanga baba; nge muva kwesikhathi, nga se ngiye jwayela ukubona izinto ezinjalo. Azi pindanga zinge nyelise uma ngizibona ngisho na kancane. Kodwa phela nge sikhathi soku

busa kuka Shaka imi fula yayiba bomvu yi gazi—yebo, be uthi nxa ufuna uku puza uqale u wahlole kuqala amanzi. Abantu base be ku fundile ukuba bafe bengau banganga umsindo.—

Sa lala khona ku lowo muzi, kodwa ubuthongo pinde, ngoba sa hlushwa yimi moya yabantu abafile, ihamba imemezana yonke indawo. Kwaku fanele ukuba le mimoya ibizane; amadoda aye funa omukawo, nabo nina ba bantwana be funa abantwana babo. Sase se saba si cabanga ukuthi, imimoya izosi thukuthelela ukuti sizo kwenzani khona, sase si lo si bambene nge zandhla siqhaqhazela. Naye u Kosi eseqhaqhazela, eloku ehlaba um'kulungwane ka khulu. Kodwa kwaku se ngathi le mimoya ayi si boni, yase iya ncipa imisindo yayo uma se ku sa.

Kwathi lapo kuqala ukukhanya sangena endhleleni sa dabula pakathi kwe zidumbu sayo ngena ithafa. Indhlela yethu yaba yinhle sesi qonde emuzini ka Shaka, ngoba sase sihamba ezinyaweni ze mpi neze zinkomo ezi dhliwe yimpi, kwenye indawo si fike esi dunjini se qhawe eli bulewe yi mpi ngenxa yokuba bese le hlulwa amanxeba linga senawo amandhla oku hamba bese liya qedelwa. Ngase ngiya qala manje uku ngabaza ukuya ku Shaka ukuthi, konje anga fike asibulale nje. Kwa funyaniseka ukuthi aku sekho lapo singaya khona, ngase ngithi asi sale sesi hamba nje, sesi yobona khona. Sa pelelwa amandhla na uku khathala, u Baleka wathi asi hlale pansi si fe, singa be sisa kuzwa ukuhlupeka, kodwa noko waye qinisile ngoba nako loko kwaku yolunga. Si sa hlezi inja u kosi ya ngena esi hlahleni eduzane, ngase ngi yizwa i bhozomela ngezwa ubu bhudubhudu. Ngaya khona ngigijima ngamu funyanisa ebambe impunzi enkulu elingana naye, waye yifunyanise ilele. Ngase ngiyi faka umkonto nge nanela ngoba sekuvele ukudhla. Ngase ngi yayi hlinza—sayidhla luhlaza ngoba wau nge kho umlilo. Yimbi inyama iluhlaza, kodwa sayidhla ngenxa yoku lamba, sadhla sathola amandhla. Sase siyo geza emto-

njeni; kuthe sisa geza uBaleka wa bheka enhla wa khala ngo kwe saba. Kanti ubona abantu aba yisitupa aba hlomile be pezulu entabeni, be nge kude kakhulu, bona ba kithi baka baba uMakedama be sa loko be si xosha be funa uku sibulala. Ba si bona qede base be memeza, ba thathela ngama jubane. Nathi sa sukela sa baleka njenge zinyamazane, ngoba kwase kwe saba ngisho unyawo olumbhala.

Se hlisa ukhalo olu bheke enzansi eMfolozi emhlope eyayi bonakala iyi zinsonge nsonge ethafeni ifana ne nyoka enkulu ecwebezelayo. Nga pesheya kwayo kwe nyuka, singa qondi ukuthi, kazi ngalapaya kwe zintaba kunjani, kodwa saba nomucabango wokuthi, ku lapo umuzi ka Shaka unga khona. Sa gijima sa qonda emfuleni—ngoba sasi yobhekapi na. Eza amaqhawe emuva kwethu. Kwa bonakala ukuthi atanda uku sifica, bana majubane, futhi sebe thukutele ngoba be puma kude. Kwathi noma sesi likhipa lonke ijubane letu, aku sizanga, ba thanda uku si fica. Se thuka sesi seduze nomfula; ugcwele futhi, ubanzi. Ngenhla kwetu amanzi ezwakala nje ukuthi athukuthele, epukela pezulu njenga magagasi, abese shwilana pezu kwa madwala; nge nzansi ku khona umsinga, angeke apile umuntu eke wafika kuwo; pakathi kwa manzi ayaluzayo nomsinga kwaku khona isiziba esishonayo si thule sithe cwaka kodwa amanzi aso, egijima.

U Baleka wathi, "Hau! mfowethu, sizo kwenze njani na. Ngathi kuhle sikhete loku" "sizo bulawa yimikhonto yabantu bakithi noma sizo zama uku wela umfula na.

Ku lula uku bulawa amanzi kuno kubulawa yi nsimbi, kusho u Baleka.

Ngathi, "Kulungile!" Se ngathi amadhlozi akithi anga si bheka! Loku noku hlamba si ya kwazi. Sa qonda esizibeni, kuyimi pambili. Sazi lahla izipuku zethu, kwa sala umkhonto enga ngi upethe ngamazinyo—sa sho pakathi sa hamba saze sa fika lapo

amanzi e khaula esi fubeni; sa hlamba saqonda pakathi nomfula, si holwa yinja u Kosi.

Kuthe, ku senjalo, aye se khona amabuto pezu kwo mfula.

"Ha! yiko lokuya, kusho omunye," niya hlamba, he? Kulungile sizo ni bamba sini bulale—ngisho noma ninga baleka niye nifike emukhaulweni wezwe; siyo ni xosha size si ni bambe. Wase esi ciba ngomukhonto owafike wangena pakati kwethu nje ngo nyazi.

Wathi lapo ekhuluma, sa hlamba sa qinisa, sa fika emsingeni. Umsinga wa si khukhula wasibhekisa enzansi kwafunyaniseka ukuthi, ukuhlamba siya kwazi, sa qonda pambili. Uma sasi ngase si pumelele uku welela nga pesheya si nga thatwanga ngamanzi akhukhulayo, sasi yauba sisindile.—Kuthe nje sesi seduze na nga pesheya,—kwaba yilapo singena emanzini ayisi yalu. Sa qinisela, sa lwa nawo. U Baleka waye yi ntombazana ene sibindi, amanzi amuthata amu shonisa nga pansi kwami, angaze ngaba nako ukuthi ngingamu siza kanjani. Ngi the nge thuka ngase ngimi pezu kwe tshe nga qalaza. Nanguya, sekusele izinyathelo ezi yi sishiyagalolunye afike emanzini ayaluzayo. Ngangi ngase nako ukubuyela emuva. Ngase ngi pele amandhla, kwabonakala nje ukuthi, seu zokufa. Kanti ne nja u Kosi, iya bona. Ya hlamba ya pindela emuva ku yena, ya fike ya mu khonkota, ibisi penduka iqonde nga pesheya. We lula isandhla sakhe sokudhla wa yi bamba ngomsila. Ya hlamba ya donsa ngoba kwaku yinja enamandhla. No Baleka wahlamba waqinisa nge zinyawo zakhe na nge sandhla sakhe soku nxele, kancane--kancane—basondela. Ngase ngi mu nikeza uthi lomukhonto wami. Wa lu bamba nge si nxele. Kwenzeka njalo nje kanti, izinyawo zakhe seziqebele empopomeni, nga donsa no kosi wa donsa samu khipela emanzini angashoniyo, sase si yamu welisa, wa fika ngapandhle wawa ehehezela.

Athe ukuba ama buto abone ukuthi siya wela impela, amemeza esi songela, agijima ehlisa umfula.

Ngathi, "Sukuma, Baleka!" bayo funa izibuko.

Wathi, "Ah, ngi yeke ngife!" Nga mu sukumisa nge nkani, noku hehezela kwase kupelile, sa hamba nga mandhla si khu puka intaba ende. Nge muva kwe sikhathi eside, sa fika pezu kwayo, sau bona umuzi omkhulu lapaya kude.

Ngathi mina. "Yiba ne si bindi." Uyau bona na nkuya umuzi ka Shaka.

"Yebo, mfowethu na," Uthi kambe khona lapaya kuyo fike kusi lungele nje na. Sikakwe ukufa nga pambili na ngase muva—si pakathi kwakho.

Sa sheshe sa fika endhleleni esuka ezibukweni le Mfolozi iqonda ekhaya, iyo le ndhlela eya yi hambe impi eyayi qhuba izinkomo. Sa hamba ngayo ke saze saba kude bu duze nase khaya, sathi lapo sibuka nge-muva sa bona na mpaya! aba sixoshayo besi landela—sebe yisihlanu—omunye umuke emfuleni be wela.

Sa pinda sa gijima futhi, kodwa, sasi ngase nawo amandhla, ba sondela. Nga cabanga ngenja yayi yi govu. Uma uyi sasazela umuntu ibi fike imulume noma ubani. Nga yi biza nga yi khombisa ye zwa ngi bona nje ukuthi, seku zauba ukufa kwayo. Yaba sukela igwavuma isi vuse no mhlwenga. Ba zama uku yigwaza nge mikhonto, noku yishaya ngama wisa, pinde! yaloku isuka ihlala ngalapa na ngalapa, iba luma, iba libazisa. Isigcino omunye wayi shaya, ya suka ya hlala kuye entanyeni. Ya na matela empinjeni nga mazinyo kwa ubu giqi giqi pansi umuntu nenja, isi-gcino kwafa kokobili inja nomuntu. Kwa ku yinja leyo! Azisekho lezo zinja manje. Uyise wayo kwaku yi bhansa lesi Bhunu, inja yoku qala ukufika ku leli lizwe. Yake ya bulala ingwe iyodwa nje, zwi! Wafa kanjalo ke u Kosi!

Sonke leso sikhathi thina siya gijima. Sase siyi bangana nase sangweni lo muzi ka Shaka, kwaku khona okwa kwe nziwa pakathi, kwaku zwakala umsindo kubonakala ngoku suka uthuli. Ama butho amane sawa bona ese suka enjeni naku muntu ose yalela, beza kithina nga majubane. Nga bona ukuthi,

kwami. Kwa khanya nje ukuthi, ngi file namuhla; ithemba elibanga bikho; kwaba mnyama kimi. Kwathikhona seku mnyama ngalithola isu. Nga bambelela pansi nge zandhla, nga guqa nga ma dolo, ngaya ngalapa nanga lapa. Nga shayeka ezithweni zakhe esefuna uku ngi gwaza, ngamu khela. Waye wathi, bhunsu! pansi. Uthe engaka bhunsuleki pansi, ngase ngi vukile. Ngau thatha umkhonto wakhe owase u wele pansi, uthe eti uya vuka ngamu gwaza ngawo emhlane. Nge si khashana esi ngango ku pazima kwe so, baba; wafa umshubo. Ngase ngi baleka ngoba nga ngi ngase nako ukubhekana nabanye ababili; amandhla ami aye se pelile.

Izi nyathelo ezi ngaba yikhulu pambi kwami kwa ku wabazela u Baleka ngezingalo nje ngo muntu osuthi utshwala. Nga mufica seku sele izinyathelo ezi ngama shumi amane afike esangweni lomuzi. Wase uya pela ke lapo nya! Yebo! wathi bhulukucu pansi, nge ma ecaleni kwakhe. Na khona lapo nga ngi yo ku fa uma laba ababili aba libalanga isi khashana kwa bakubo aba file, bathi beza kimi base be hlanya ngenxa yoku thukuthela. Kuthe ku senjalo, isango lomuzi la vuleka, kwa puma idhlanzana lama butho lihudula isiboshwa nge zi galo. Ngemuva kwabo, kuza umuntu omkhulu, owe mbhete isikhumba sengwe emahlombe, ehleka, ehamba ekakwe aba numzane aba yisihlanu noma yisithupa, emuva kwa labo banumuzane ku landela idhlanzi la ma butho.

Ama butho abona ukuthi, kuya bulawana lapaya, bagijima eza afikisana kanye naba si bulalayo.

Bathi, "Ningo bani na. Ni tshelwa ubani ukuthi bulalani abantu esangweni lomuzi we Ndhlovu na. Lapa ku bulala i Ndhlovu yodwa."

Ba pendula bathi "si nga ba ka Makedama," si landela laba bantu ababi abenze ububi ba bulala abantu ekhaya. Ake nibone! sebe bulele aba kithi ababili khona manje. Sinikeni si ba bulale.

Athi ama butho, "Celani e Ndhovini" futhi nicele ukuba ninga bulawa.

Ku se njalo i nkosi ende ya thukuthela uma izwa loko ku khuluma. Ya qhwayizela yaya kubona; ya bukeka ingu muntu omkhulu, kanti ise ngu muntu omusha nje. Ngo bude waye ba dhlula kancane labo aye hamba nabo. Isi fuba sake singange sabantu ababili; ubuso bakhe be sabeka futhi, bu buhle, uma ese thukuthele amehlo akhe afane ne sikhuni somulilo esi vuthayo.

"O bani laba aba thuquza uthuli emasangweni omuzi wami na," ebuza enyukubala.

"Yebo, Yebo Ndhlovu!" ku pendula induna ya mabutho, ikhothama ka khulu pambi kwakhe, bathi, nga bantu ababi laba, baba xoshela ukuba baba bulale.

Wathi u Shaka, "Kulungile!" Bayekeni baba bulale abantu ababi.

"Yebo nkosi enkulu! siyabonga wena omukhulu!" ku bonga aba kithi ababe funa uku sibulala.

Wathi, u Shaka, ngi ya nizwa, wase epinda futhi ekhuluma ne nduna. Wathi, uma sebe babulele ababi, bona ke bayo xhoxhwa amehlo benziwe izi mpumputhe bayekwe bagoduke benjalo, ngoba ba kwazile uku pakamisa umkhonto emasangweni e Zulu, (izulu, uShaka). Bongani futhi bantwa-bami! "Wa hleka, ama butho abubula athi," Hawu! uhlakanipile, isi nqumo sakhe siya khanya siye sabeka nje nge langa.

Kodwa ababili bakithi, ba khala se be saba, ngoba abaku thandanga bona loko ku nquma okunjalo.

Wathi futhi u Shaka, nibo ba nquma izi lwimi zabo futhi. Yini ukuba ba bange umsindo ongaka ezweni lama Zulu na. Aku na kwenzeka loko, pinde! ne zinkomo zi nga punza. Azi badhle, ezimnyama! Nansi ya intombazana lapo ilele khona. Ilele ubuthongo ayise na mandhla. Yi bulaleni! Kunjani na. Niya ngabaza! Cha ke, uma nisa cabanga ngisa niyeka. Wathi bathatheni laba bantu, niba gcobe ngo ju lwezi nyosi emizimbheni yabo, niba chwaneke pezu kweziduli,

nga kusasa bayobe sebe cabangile. Kodwa, qalqni ngoku bulala lezizi mpungushe ezimbhili, ekhomba mina no Baleka, zibukeka zi khathele zo zela.

Nga qala manje uku khuluma, lapo sengi bona amabutho ese sondela kithina uku zosi bulala.

Ngathi, "Hawu Shaka," mina ngi u Mbope, lo udadewethu uBaleka.

Ngase ngi yathula, kwasuka olukhulu uhleko kubo bonke ababe mi.

Yebo-ke, Mbope no dadewenu uBaleka kusho u Shaka ngoku bhinqa. Sanibona Mbope no Baleka futhi; salani kahle.

Ngathi mina, "Hawu Shaka" mina ngi u Mbope indodana ka Makhedama we sizwe sase Langeni. Yimi engakupuzisa amanzi ngesigubhu ekadeni, sise bancane sobabili. Wathi kimi, ango kuza kuwe uma usu khulile waba mukhulu, wa funga ukuthi; uyo ngi gcina ungangi limazi, namuhla ke sengi fikile, ngifike no dadewetu. Ngi yacela ukuba kube njengo ku thembisa kwakho kwa kuqala.

Kwati lapho ngikhuluma kanjalo, ubuso buka Shaka ba penduka, walalela kahle—Wathi, "Asiwo amanga lawo." Ngi ya kwamukela Mbope. Seu zokuba yinja yendhlu yami, wondhliwe yimina. Nge ndaba ka dade wenu, angishongo lutho kuyena. Ku zoba kanjani ukuba angabulawa, loku ngase fungela isi zwe sakini, ngathi, kuyo sinda wena wedwa na.

Ngathi; muhle kakhulu, afanele uku bulawa nkosi!" (Ngi sho nge si bindi;) "ngoba futhi, ngi yamu thanda, ngi cela ukuba, ngi piwe ukupila kwakhe!"

Yiguquleni ke ngi yi bone ubuso bayo lentombazana, "kusho u Shaka. Ba yi guqula, wayibona.

Wathi u Shaka, "Au khulumi manga futhi mfo ka Makhedama," Ngi ya ku nika leso sipo, nayo futhi izau lala endhlini yami, ibe ngomunye wawo dadewethu. Wathi, Ake ungixoxele ke indaba yakho, ukulume iqiniso lodwa."

Nga hlala pansi nga mu xoxela konke. Walalela kahle, aze adinwa uku lalela. Ngi the lapo sengi qedile, wakhuluma into yaba yinye, wathi, sengathi leyo nja, u Kosi ngabe ayi fanga ngoba uma ibisekhona, ube zoyibeka pezu kwe ndhlu ka baba u Makhedama, ibe yi nkosi yama Langeni.

Wase ekhuluma ne nduna yama butho, Wathi, "Ngi zokwenza nje ngoba ngangi tembhisile." Abanga thintwa muntu laba bantu ababili base Langeni. (esho ababe sixosha) Omunye wabo uzau bulawa, omunye ayekwe a hambe. Lo, "ekhomba isiboshwa (esathi sifika babe si hudulela nga pandhle kwe sango) lo ke, Mopo, yi gwala uqobo lwalo. Izolo be ngi tumele ukuba ku yo vinjezelwa umuzi waba thakathi lapaya, mhlaumbe ni u bonile ngendhlela uma niza lapa. Lo nabanye abathathu be be hlanga nyele emunye wa ku lowo muzi, obe vikela umfazi wakhe na bantwana. Walwa impela waba bulala boba thathu abantu bami. Lenja, yesaba uku bhekana naye. Yema kude yamu ciba ngo mkonto yamu bulala, yase igwaza umfazi. Aku lutho nje loko; kodwa be ku fanele ukuba alwe naye eduzane be bhekene. Ngi zomu hlonipa. U zo kulwa ne nye yalezi zi ngulube ze si baya sakini aze afe, "esho ekhomba ku la ba bakiti ngo mukhonto, oyo sinda uyo kwe nziwa loko nawe abe be kwenza kuwe. Enye ingulube ngi yoyi thuma ibuyele ekaya. Khethani ke bantabaka Makhedama ukuthi yimupi ozau pila kinina."

Laba ba kithi aba bili, kwa Ku yi ze lamani, zi thandana, boba bili uku fa beku xolele ku yi lowo efuna ku fe yena apilise omunye. Ba pumela obala boba bili, bethi ba funa ukulwa no mzulu.

"Yebo, kanti si khona yini isi bindi ezi ngulubeni na. Kusho u Shaka. Sizo ke si bone ke. U yau bona lo mukhonto na, ngi zou posa pezulu; uma uwa ngothi, ukudhla kwawo kubheke pezulu, kuyosinda lo muntu omude; kodwa, uma ukudhla kwawo ku hlaba pansi, kuyo sinda omufishane!" Wau

ponsa pezulu umkontwana wakhe omuncane wa pendu penduka emoyeni. Onke amehlo au buka upenduka uwa. Waye wahlaba ngo kudhla pansi.

Wati u Shaka ku muntu omude, "Woza lapa wena," "Shesha ubuyele emzini ka Makhedama, ufike uthi, kuyena. U thi u Shaka, i Ngonyama ka Zulu ka Malandela, nge minyaka eminingi eya dhlulayo, isizwe sa kini sa ngi ncisha ubisi. Namuhla inja ye ndodana yakho u Mopo, ihlaba umkulungwane pezu kwo pahla lwe ndlu yakho.' Hambha ke.

Wa fula thela umuntu lowo omude, waxhaula ku mfowabo, wa hamba na lawo magama omu hlola.

U Shaka wa mu biza umZulu okwase ku uyena yedwa oseleyo, kwa babe si xosha be funa uku sibulala wathi kuye, aka lwe. Kwathi lapo sebe yi bongile inkosi, balwa ngokwe sabekayo, isigcino we hlulwa umZulu ehlulwa owa kiti, wa baleka ngalo lonke ijubane analo, kwa khethwa abantu aba yisi hlanu ba mu xosha.

Kepa noko wa ba shiya, ngoba wa linganisa u Nogwaja ngoku jika eduze abheke emuva, wa ba shiya okoku pela wa sinda. U Shaka aku mu thukuthelisanga loko ngoba, sengati wathi kwa ba mu xoshayo, bangabo mu xosha kakhulu. Yinye into eyayi yinhle enhliziyweni embi ka Shaka, ngaso sonke isi khathi, waye mu sindisa umuntu onesi bindi—mina nga jabula ngoba, owa kiti wame hlula umuntu owa bulala lowa mfazi esa mu funyanisa ese fa nga pesheya kwo mfula.

## ISAHLUKO VI

### U Mopo Ese yi Nyanga ye Nkosi

Igcina lapo ke, baba indaba yoku fika kwethu no Baleka emzini ka Shaka. I Ngonyama yama Zulu. Mhlaumbe uzo mangala ukuthi benginga ku tshele ngani le ndaba, loku iya fana nje ne zinye izi ndaba za bantu ba kithi. Izi ndaba ezi njenga lezi, zifana nje

ngoba nawe wazi ukuthi, injalo ipuma edunjini, wa vela ka njalo ke u Mhlopekazi ongu mbulali, no Nada omuhle, engi zokuku tshela ngo thando lwabo. Ngoba u Nada, kwaku yi ndodakazi yami, uMhlopekazi ke yena, kwaku yi ndodana ka Shaka uqobo lwayo, kodwa bayi ngcosana ababe kwazi loko, waye zalwa udadewethu u Baleka.

Kwathi uma u Baleka ese pumulile ukukhathala aye kade enako koku baleka kwethu, nobuhle bake sebubuyele endaweni yabo, u Shaka wase u menza umkakhe, waba omunye waba fazi bake abaningi, owaye babiza ngokuthi, odadewabo, mina wa ngenza ukuba ngibe enye ye zinyanga zakhe zokwelapa, imithi yami yayi mu jabulisa impela, kanga ngokuba ngabe se ngi bekwa ukuba ngibe pezu kwazo zonke izinyanga, kwaku yisi kundhla esikhulu impela, ngoba, sa ngitholisa izinkomo eziningi na bafazi abaningi; futhi siyi ngozi enkulu. Ngoba nga ngi ngavuka ngi pile kahle nje eku seni, ngi nga ze ngaba nawo umcabango, wokuthi, konje ku ngathi ku lalwa, mina bese kade ngo ma se ngi bomvu yi gazi. Zinngi izinyanga eza bulawa u Shaka, uma inyanga i nge lapi kahle, igcine ngoku bulawa. Be kuthi ngelinye ilanga uma iNkosi izwa ubuhlungu emzimbeni, noma izwa ingqondo yayo inga sangulukile kahle, ibi si thatha u mkhonto igwaze inyanga ebi yelapa yena athi ingu mthakathi. Kodwa mina nga sinda, nge nxa yemithi yami ena mandla, futhi nga sindiswa yi si fungo aye sifunge kimi ngi se umntwana. Inkosi yayi hamba nami noma iya pi. Nga ngi lala eduze ne ndhlu yayo, uma kubuthene ibandhla ngangi hlala emuva kwayo, uma ku se mpini ngangi ba se caleni kwayo.

He! impi! — impi! sasi kwazi uku lwa nga lezo zikhathi baba, ku lezo zi khathi impi yethu ya yi landelwa yi zi nkulungwane za manqe, kuthi lapho sihamba khona ku gcwale imi hlambi yezi mpisi, ezazi sutha zonke. Angi soze nga khohlwa yi mpi yoku qala, eyalwa ngimi eceleni kuka Shaka. Inkosi ya yi

sanda ku qeda u kwakha umuzi wayo omukhulu, ngase ningizimu kwo Mhlatuze. Kwa ba njalo ke, i nkosi u Zwide wasi hlasela isitha sakhe u Shaka okwe si thathu, naye u Shaka apume amu hlangabeze nga maviyo ayi shumi, (iviyo li linye abantu aba yizi nkulungwane ezintatu) Impi ka Shaka ya yi hlome imikhonto emi fushane yo ku gwaza mahlanze, iqala uku setshenziswa imikhonto enjalo.

Impi yayi melene ka nje; ama butho ka Zwide aye so khalweni olude, olunga pakeme kakhulu ebuthene pezu kwalo, ama viyo ayi shumi nesi khombhisa kwa ku mnyama lonke ukhalo, pezu kwamakhanda abo, kumhlope kuthe qwa izidhlodhlo nje ngo ngqoqwane. Nathi futhi sasi sokhalweni, pakathi kwethu nabo, sa hlukaniswe yisigodi esi no mfudhlana. Bonke ubusuku, imililo yethu, yayi khanya kuze ku se, kuze ku khanye na ńga pesheya kwe sigodi; kuze ku se amabutho ehlabelela, kuye ku zwakale enzansi nokhalo. Kwa qala uku sa kwaba mpunga enzansi, zakhala izinkomo zibona uku khanya, amabutho a vuka ezi hlangwini zawo aye lele kuzo; avuka enikina amazolo ezinweleni nase mahawini—Yebo, avuka ejabulela uku fa. Impi yema nje ngamabutho ayo. Kwaba khona aba yisifuba sayo naba yizi mpondo zayo, beba ningi nje nge zinkanyezi benge naku balwa, nemikhonto yabo ibenza ba cwazimule njengazo izi nkanyezi. Kwa fika umoya woku sa, izidhlodhlo zabo, zase ziloku ziyendiswa umoya, zagobela nga nhlanye nje ngo tshani bu gotshwa umoya, kwabonakala nje ukuthi, izidhlodhlo sezi funa yona imikhonto. Lapuma ilanga loku bulalana pezu kwe ntaba, la bengezela laba bomvu emahawini abomvu; yaba bomvu yonke leyo ndawo yoku bulalana, izidhlodhlo ezimuhlope zama khosi, zagwija zaba bomvu yigazi le zulu. Bazibonela ukuthi; yi bika lokufa leli, hawu, bahleka bejabuliswa ukuba isizodumelana. U ku fa kwa ku nge lutho. Ngoba kwa ku m'nandi uku fa ngo mukhonto. U ku fa kwa ku yini yona na. Kanti kwa ku

ngafanele yini ukuba, umuntu afele inkosi na. U ku fa kwaku yizikali zoku nqoba. Ba funa ukuba, nga lobo bu suku ukunqoba kube okwabo. Kuhle kabi ukwe hlula empini.

Lalela ihubo le mpi, eli susa unwele uba bone abantu sebe hlanya bodwa nje, la qalwa nga sohlangothini lo ku nxele, ale mukela amabutho nga mabutho laye lawa qeda lapo ekhaula khona.

Si yi zinkomo ze nkosi sa zalelwa uku hlatshwa
Nawe futhi sikanye nawe,
Singa ma Zulu, aba ntabe Ngonyama,
Yebo! uya qaqazela yini na.

Ma sinyane u Shaka wase e vakasha pakathi kwe zinhla zempi yakhe, elandelwa yizinduna zakhe, kanye nami. E hambisa okwe nyamazane enkulu; ukufa seku bonakala kuse mehlweni akhe, ehogela umoya nga makhala nje nge nyamazane, ezwa uku fa lapo ku nuka nga khona. Wathi; ukuba a pakamise umkhonto wakhe, ukuhuba kwathula kwathi "Nya" kwe zwakala udumo lwako ezi ntabeni kupela.

Wa memeza, wathi "Bapi aba kwa Zwide na". E memeza nge zwi eli fana ne le nkunzi. Apendula ama buto athi "Ba lapaya, baba", Yonke imikhonto i khomba nga pesheya kwe sigodi.

Wa pinda futhi wathi, "Abezi," Si zo hlala lapa size si gugele khona na.

Ama butho athi "Ca, baba"
"Ayi bambe! Ayi bambe!"
"Aku pume i butho lo Mkhandhlu!"

esho epinda okwe sithathu, esa sho njalo, i butho lo Mkhandhlu, eli patha izi hlangu ezi mnyama la puma la qasha nga pambi kwe mpi.

Wathi u Shaka, "Hambani", bantabami. "Nazo izi tha. Hambani ni ngabe nisa buya!"

Ba pendula bonke nga zwi linye, bathi "Yebo, baba!" ba hamba be hlisa iqele nje ngo mhlambi wezi nyamazane eziningi kakulu ezi nezi mpondo ze nsimbi.

Nampo se be wela umfula, nango u Zwide ese vuka, be zwakala sebe xokozela; uku khanya ko ku sa, kwa bonakala pezu kwe mi khonto yabo.

Hau! beza! Hau! Yadumelana! Uya wu zwa umsindo wa ma hawu! U ya bezwa bezi bonga!

Ya dudulana iyi sana emuva na pa mbili. La hlehla ibutho lo Mkandhlu la baleka! Leza lazo wela emfuleni se ku yi nxenye yalo; abanye sebe file. We zwakala umsindo woku thukuthela ezi xukwini kwa ba u Shaka yedwa ohlekayo.

Wathi; "Vulani vulani!" Lidedeleni lingene ibutho lama ntombhazana;" La dhlula ibutho lo Mkandhlu, la buyela nge muva seli jabhile.

U Shaka wase enyenyezela izi nduna, za gijima; zayo nyenyezela u Menziwa i nduna enkulu kanye nezi ncane; kwase kusuka amabutho ababili, ehlisa ukhalo, amanye amabili aya nga so hlangotini lwokudhla, elinye lapuma la bheka ngaso kunene. U Shaka wa sala na ma butho ama thathu okhalweni, okwa se ku yi kupela kwawo. Kwa pinda futhi kwe zwakala ukuduma kwoku shayana kwa mahawu. U weu! nanko ke ama doda; ayi bambile, a baleki. Ku theleka amabutho ngamabutho pezu kwawo, kodwa ayibambile. Afa ubu khithikhithi, ngamakhulu na nge zi nkulungwane, kodwa amukho ofulathelayo, pambi ko muntu oyedwa, kufe nga babili. U weu! baba, kula mabutho amabili apumayo ngemuva kwe lo Mkandhlu aku buyanga namunye. Kanti njalo kwaku abafana bodwa, kodwa pela ku aba ka Shaka wansondo. U Menziwa, induna enkulu ye mpi, wa gqitshwa yizi dumbu zama qhawe akhe. Namuhla aba sekho abantu aba nje nga labo.

Se ba fa, nya.—U Shaka wa buka ngase nyakatho na ngase ningizimu kwempi. Wathi, Uyabona! ku benyezela imikhonto pakathi kwe mithi. Izi mpondo ze ya kithi sezi yaba hlanganisela. Ba yaba bulala, nabo baya bulawa, kodwa pela aba ka Zwide baningi, futhi ba nga maqhawe, eya kithi imi kalukhuni.

Wa phinda futhi u Shaka wa posa izwi, ze zwa izi nduna, wa wa bona amabutho elula izi ntamo, elalela ukuthi ku thiwani, "Ayi bambe! Bantwana be Zulu!" Kwezwakala omkhulu umdumo, ubugidi gidi be zinyawo, ubu menye menye be mikhonto, ubu lepu lepu be zidhlodhlo, kwathi "niki" inyoni yayeka ama piko, ikhukhula yehla inyathela naba kubo nezitha. Eka Zwide ya qhela, yasi hlangabeza! sau wela umfula; izinkubele za kithi za vuka zahlala, zasi qhweba zisi misa isibindi, zisi khombhisa pambhili sazi nyathela sazi wisela pansi, singa sazi khathalele ngoba, zinga senawo amandhla oku lwa futhi. Sa hlangabezana neka Zwide njenge nkunzi ihlangabezana nenye. U wewu! lapoke, baba, angi pindange ngazi lutho. Kwaba sekuba bomvu yonke into. Leyo mpi! leyo mpi! Saba shanela. Kwathi lapo seyi pelile, wau ngalibona iqele lonke seli bomvu kupela. Bayi ngcosana aba balekayo, bayi ngcosana esaba yeka ukuba baleke, saba sobozela njengo mulilo equbuleni lesi khotha; saba gwinya, sase siyema sesi bafuna. Kwa funyaniseka ukuthi, sebe fe bonke. Wonke u mkhosi ka Zwide wawu supelile. Sabe hlula, ngalelo langa; Kwa kupume imizila eyi shumi, kwabuya emithathu kupela, eyisikhombhisa ya ya lapo kunga pumi langa khona.

Zazi njaloke izimpi zethu kusabusa u Shaka.

Ngi zoku tshela nge butho lo Mkandhlu, elabalekayo. Kwathi lapo sesi buyele ekhaya, u Shaka walibiza ukuba lize kuyena. Wakhuluma nalo kahle. Wali bonga ngo kulwa kwalo. Wathi, kuyimfanelo ukuba, uma amantombazana ebona igazi, ethuke aze aquleke, abaleke akhumbule emakhaya. Wathi bengi ni yalile ngathi, hambhani ningabuyi, kodwa, nibuyile. Manjena ke ku zau thiwani ke na. Wa zi mbhoza nge ngubo ebusweni. Ama butho ali bulala lonke ibutho lo Mkhandhlu izinkulungwane ezimbhili, azi shaya azi qothula nge mikhonto be bagwaza bebakxolodela, ngoba be balekile njengamagwala.

Amagwala, sasi wenza njalo kulezo zi nsuku baba. Nge muva kwaloko kwenza, umuntu emunye wakwa Zulu, waye lwa na bantu abayi sihlanu be zinye izizwe. Ngisho noma waye nga hlanganyelwa yi shumi, ube nga baleki. "U be lwa aze afele khona, anga baleki" Kwase kuba umkhuba wethu ukwenza njalo. Aku pindanga futhi, ukuba, ithi impi ye hluliwe, ibuye izo ngena emasangweni omuzi we Nkosi ngesi khati si ka Shaka.

Leyo mpi, yalwa kwaba kanye, esi kundhleni sokuba, ize ilwe ka ningi. Kwakube ku sa thwase nyanga, ku pume impi entsha, ibuye seyi ncipile, isi yi ngcosana, kodwa inqobile, ibuye ne zi nkomo ezi nge na ku balwa ubuningi bazo. Sehlula izizwe nge zizwe. Kuthi, aba sinde eku gwazweni, benziwe ibutho elisha, kuthi noma, abantu befa ngezinkulungwane zonke izinyanga nje, impi yona, yayi khula. Ngase muva kwe si khashana nje, akubange kusaba khona nkosi eseleyo, ngapandhle kwakhe u Shaka. U Msuduka, sa mu qeda, kwa landela u Mancengeza. U Mzilikazi wa xoshwa washoniswa enyakatho; u Matiwane wa bhuqeka nya. Sase si theleka ku leli lase Natali; sa fika abantu bakhona be baningi, be nge na ku balwa. Kwa kuthi lapo sihambe khona, aba sindile ku be yi labo aba ngene emgodini ku pela. Sasi bulala ndoda, sibulale mfazi, sibulale ngane, sishaye si sizile konke; kusale izwe linga se nabantu. Sithe si suka lapo, sasiya ku Faku, inkosi yama Mpondo. Manje ungeke usa mukhomba pi na.

Kwa ya kwa ya, ama Zulu aze a khathala yi zimpi, ne mikhonlo ebukhali kakhulu, yaze yaba bu thuntu.

## ISAHLUKO VI

### U ku Zalwa kuka Mhlopekazi

Kwa ku umtheto ka Shaka eku pileni kwakhe, ukuba angabi nabo abantwana aba zelwe uye, kanti njalo

waye naba fazi abaningi. Be kuthi uma ku zelwe umntwana, abulawe masinyane. O mukakhe wa ye babiza ngo kuthi, o dadewabo.

Wathi kimi, "U thini Mopo," uthi ngi nga zala abantwana, aba zothi uma sebe khulile ba ngi gwaze na. Ku thiwa ngi yi nkosi ehlupayo. Ake usho ke ukuthi, la ma khosi ahlupayo, afa kanjani na. Abulawa yi nzalo yawo. Ca, Mopo mina ngi zobusa nje ngize ngife, uma sengifile, sengi hleli na ma dhlozi ango baba, isi khundhla sami siyo thatwa yi labo aba namandhla ku na banye!"

Nge muva kokuba u Shaka akhulume kanjalo, kwa funyaniseka ukuthi, udadewethu, u Baleka, umka Shaka, wathola isisu; kwathi futhi ngalo lelo langa, u mkami u Makhoba wabeletha ama wele, kanti njalo kwa sekupele ama langa ayisi shiyagalombili umkami u Anadi ebelethe u mfana. Konje wena baba u buza ukuthi mina nga ganwa kanjani, loku u Shaka waye nga vumi ukuba ama butho akhe a ganwe, aze abe yizi nsizwa ezindala, ese zi khehle izi coco. Yi sipo nje enge nzelwa sona, ngoba ngi yi nyanga yo kwe lapa, waye thi; kuhle ukuba inyanga ikwazi ukwe lapa izinhliziyo' ezimbi zaba fazi. Ingabe kunge nzeka yini loko!

U ma i nkosi izwa ukuthi, u Baleka seuyagula, abulawanga ngaso leso si khathi; ngoba waye muthanda kancane, kodwa, wa biza mina wa ngi thuma ukuba, ngiyo melapa, athi uma ese belethile, umntwana ayiswe kuyena, njengoba kwaku hlalwa kwenziwa njalo, enzela ukuba azibonele ngokwakhe ukuthi, nempela umntwana ufile nya, Nga vuma, nga hambha nga yokwenza engi thunywe kona; kodwa nginga thandi, ngoba, u Baleka kwaku udadewethu, umntwana wakhe, eyi gazi lami. Poke, wase esho ushilo u Shaka wa nsondo—Ngoba, uma asenzanga njengokusho kwakhe, sasi yobulawa kanye nabo bonke abomuzi wethu. Kungcono kufe umntwana, kunokuba sibe ukudhla kwe zimpungushe. Nga fika e Mpo-

sweni lapo kuhlala khona amakhosikazi enkosi, angi bona qede, asukuma ahambha, ngoba kwaku umthetho ukuba angahlali lapo ku khona mina khona. Nga sala ke no dadewethu sobabili.

Nga hlala la nga thula, yena elele, kanti ngi yamubona ukuthi, uyakhala.

Ngathi, Thula mntwana, U ku hlupeka kwakho kuzo shesha kupele.

Wathi, ngeke, esho epakamisa ikhanda, wathi yikhona kuqalayo. Wathi, Hawu, lomuntu ono laka kangaka. Ngiya kwazi ozokufuna lapa, seuzo bulala lomntwana engi zomuzala.

Ngathi, ngi thunywe yi nkosi mfazi ndini. Iku thume ukuthini na. Kanti mina ngi nge be ngisapendula yini na.

U mntwana owayo inkosi, kepa asiye yini owami nami na. U mntwana uzobe seu ya donswa, asuswe ngi mugonile, ayo bulawa u we nje, Mopo na. Aku mina yini ebe ngi ku thanda Mbope*) na. Asi balekanga yini nawe sa shiya aba kithi, si balekela ulaka luka baba na. U yazi nje ukuthi ku le nyanga efile, inkosi ibi kuthukuthelele kabi, ngoba ibi gula, yase ifuna uku ku bulala; nga yi ncenga, ngayi khumbuza ise fungo sayo na. Wena ke ungi bonga nga loko; "U ze ukuzo bulala umntwana wami, yena wa mazibulo lo!"

Ngamu pendula ngathi, "Ngi thunywe yi nkosi mfazi ndini;" kodwa sengi sho izi nhliziyo zami se zi zimbili.

Wase uya thula u Baleka, wase, ebhekisa ubuso bake obondeni lwendhlu, wa khala, ekhihliza ka khulu.

E sa khala, ngezwa sengathi kukhona ohambhayo pandhle, kwa ba khona ithunzi emnyango. Kanti ku ngena owe sifazane yedwa. Ngithe lapo ngi mubuka nga bona ukuthi kanti, u Nandi, ozala inkosi u Shaka, owa ye bizwa ngo kuthi, u "Nina we Zulu", nga khothama nga mu khulekela enguye lowo owa ncishwa u Mame u bisi.

*) Elinye igama lika Mopo u Mbope.

"Sau bona, Nina wa Mazulu". Wa vuma wathi, "Yebo Mbope" U khalelani lo Baleka na. U khala ngoba evelelwe usizi lwa-besi fazane yini na. Ngathi, "buza ku yena nkosikazi enkulu".

Wa pendula u Baleka wathi; Ngi ya khala nina we nkosi, ngi khaliswa yi lo muntu, ongu mfowethu, uthunywe yi nkosi yami, indodana yakho, ukuba, azo bulala ingane engi zo yi zala. Hau nje ngoba wena uyabazi ubu hlungu bo ku zala, ngi ncengele! Indodana yakho wena, ayi bulawanga mhla izalwayo".

"Mhlaumbe ngabe ku ngcono uma ya bulawa, "Baleka", ku sho u Nandi; ngoba, ngabe aba file bonke laba bantu abaningi kangaka".

"Kodwa, pela, ese ngu mntwana, wa ye lungile, e thobile, umu thanda ka khulu nawe Nina we Zulu".

"Pinde, Baleka! ese ngu mntwana wa ye ngi luma ibele, angi hluthule izi nwele; unje ngaloku waye njalo ese ngu mntwana".

Sengathi umntwana wakhe ange be njalo, Nina we Zulu! Au cabange pela ukuthi, au naye umfana ozalwa yi ndodana yakho, wokuba uthokoze ngaye uma usu mdala. Kambe uthi inzalo yakho yonke mayi pelele pansi na. Lokhu, inkosi yethu, ipila nge zimpi; Ingafa nayo ku sale ku be njani ke na. Lokhu, ayi na mntwana.

Noma aba fowabo be nkosi be ngaba khona, bangeze baba yi gazi lakho mame. Ngi ngu mfazi, nawe ungu mfazi; ngi ya kuncenga. Sindisa umntanami, uma ku nge njalo, si bulale sobabili naye!"

Yaqala uku thamba inhliziyo ka Nandi, waba no sizi kwaze kwe hla izi nyembezi.

Wase ethi, si zau kwenza njani Mbope na. Loku, inkosi ifuna ukuba imubone umntwana efile, no muhlanga lo, uye zwa, uma isola, nawe uyayazi inhliziyo ka Shaka ukuthi uyo se nza njani.

Abakho yini, aba ntwana aba zelweyo lapa kwa Zulu na. Ku buza u Baleka, wavuka wahlala, wa swebezela, enyenyezela u Mbope.—"Lalela, Mbope!

Ingani umkakho uya beletha na. U ya ngizwa kambe Mame we Zulu, nawe mfowethu uya ngizwa. Ni nga bo dhlala ngami ku le ndaba. Mina ngi nga mu sindisa umntwana wami, uma ku nge njalo kufe nina no babili kanye naye. Ngoba, ngi ngathi, enkosini, be kuze nina, no babili kimi, na fike nati, aku sindiswe umntwana kubulawe inkosi.

Khethani ke eni zau ku kwenza, sheshisani!"

Wa buyela pansi, kwa thula kwathi "nya" Sa bhekana, kwakhuluma u Nandi wathi.

Nginike isandhla Mbope, ufunge ukuthi, uzau kuma eqinisweni kule mfihlakalo, nje ngoba nami ngi ya funga pambi kwakho. Ku nga se kwe nzeke nje ukuba, kuthi, lomntwana onga ka zalwa, abuse abe yi nkosi yakwa Zulu, aku bonge, ngo ku kwenza ube mukhulu ku na banye. Kodwa uma u se pula lesi sefungo, angi yu kufa nge dwa!"

Nga pendula ngathi, Ngi ya funga, wena ozala ama Zulu".

Kulungile ke mfo ka Makhedama." Wathi, u Baleka, kulungile mfowethu. Hambhani ke niyo kwenza eni nga kwenza ni sheshise ngoba se ngi ya beletha. Hambani, niqonde ukuthi, uma nehluleka, angi yu ku ni haukela, ngi yo kwe nza ukuba nife, noku nifela, ngi nga ni fela!"

Nga hamba ke. U mgcini sango wangi buza wathi, "U yapi·na. Ngathi, ngi landa imithi yami nina be nkosi". Kodwa, hau! inhliziyo yami yayi buhlungu kabi, se ngi cabanga isu, lokuba ngi baleke, ngi ye kude nezwe la kwa Zulu. Kodwa, kwa bonakala ukuthi, ngi ye hluleka, ngi nge ze nga kwenza oku njalo. "Hau!" ngi nga mu bulala umntanami, ngi mu bulale ukuba, ku sinde oka Baleka na. Futhi ngi nga ze nzela yini okwami, ngi yeke oku shiwo yi nkosi na. Ngisindise ingane ebese kuthiwe ayi bulawe na. Cha, aku ngabibikho engi kwenzayo kukho konke loku, angibaleke, ngiye kwe sinye isizwe esi kude,

lapo ngi nga fike ngi pile khona. Angi nakho ukuthola uku pila lapa; pansi kuka Shaka, ukufa kodwa.

Nga fika kwami, nga funyanisa owa kwami u Makhoba ese belethe amawele. Nga ba khipa bonke endhlini, kwa sala omunye umkami u Anadi, owa yese na malanga ayi si pohlongo ebelethe u mfana. Iwele lesi bili lo mfana, lapuma lifile. E lo ku qala lali yi ntombazana, la pila, igama lalo kwaba u Nada omuhle, u Nada oyi mbali. Wa fika ke, umcabango enhliziyweni yami. Ngi zo hambhisa ngale ndhlela ke.

Ngase ngithi, ku Anadi, "Ngi nike lelo wele lo mfana", ali file. Ngi nike, ngi hambhe nalo, ngipumele nga pandhle komuzi, ngiyo livusa ngo muthi wami"

"Aku sizi lutho, le ngane ifile," ku sho u Anadi. "Ngi nike umntwana, wena mfazi!" se ngi sho nge nkani. Ne mpela wa ngi nika isidumbu leso.

Nga muthatha nga mu songa emithini yami, ngase ngi ku goqonga konke ngo cansi lwami.

Nga se ngithi, ungabo vumela muntu angene lapa endhlini, kuze ku buye mina", futhi unga bo ku sho lutho, nga le ngane oku sengathi ifile. U ma uke wa ngenisa umuntu, noma wa khuluma, imithi yami iyo kwe hluleka, futhi ne ngane iyoku fa nge mpela".

Nga puma ke, ngi mu shiya owesifazane emangele; ngoba aku siwo umu thetho wa kithi ukuba, amawele apiliswe oma bili uma ezelwe; nga gijima nga qinisa, ngiqonde ema sangweni ase Mposeni.

Nga fika ku ba lindi ba masango ngathi, "Ngi lethe imithi nina be nkosi!" Bathi, "Ngena", Nga ngena ema sangweni, ngaze nga yo ngena kwa Baleka. U Nandi, waye no dadewethu endhlini, bebo babili.

U mntwana seu zelwe kusho unina we Nkosi. Ake umubuke Mbope mfo ka Makhedama!"

Nga mubuka nempela. Emu khulu, namehlokazi akhe amunyama ama khulu, afana naka Shaka iNkosi, u Nandi yena wa buka mina. Wa nyenyeza wathi, U pi na. Ngase ngi sombhulula ucansi nga khipa

ingane efile pakathi kwe mithi, ngi qalaza, nge saba. Nga nyenyeza ngathi, Ngi nike lowo opilileyo.

Ba nginika, ngase ngi thatha umuthi engi waziyo, sengi wuhlikihla olimini lwomntwana. Lo muthi ke, unamandhla okwenza ulimi lungakwazi uku khuluma isikhashana esithile, ngase ngi musonga futhi emithini yami, ngase ngigoqonga ngo cansi. Kodwa entanyeni yalo mntwana ozelwe efile, nga bopa intambho ye yendola, kwaba sengathi bengi mu kxinya ngayo.

Nga qala ke uku khuluma no Baleka ngathi "Mfazi", Nawe futhi nina wama Zulu, sengi senzile ke isifiso senu, kodwa, yazini ukuthi ngingaka qedi, lesisenzo siyo bulala abaningi. Nibo fihla, kuthule kuthi, nya, njengo kuthula kwase mathuneni, ngoba nobabili seni lengela ethuneni.

Nga hambha futhi, ngi pethe ucansi nge sandhla sokudhla olu nomntwana ofile pakathi, kodwa isithungu semithi esi songe umntwana ozwayo; nga ngi si bopele ema hlombe ami. Nga dhlula e Mposeni, kwase kuthi loku engi ku pethe nge sandhla so ku dhla; nga ku pakamisela pezulu; nge nzela ukuba, abalindi be sango babone ukuthi, ngi petheni, kodwa mina ngi thule nje, nginga khulumi.

"Ku lungile", kusho aba lindi 'masango.

Kanti umnyama wami usa ngi hlalele, ngathi nje, ngi sa puma e Mposeni nga hlangana ne zi gijimi ezi ntathu, zi puma enkosini.

Zathi. "Sau bona, mfo ka Makhedama!" I nkosi iya ku biza ukuba uye endhlunkulu.

Nga thi, "Kulungile!" se ngi yaya khona manje, kodwa ngi sa zoke ngi gijime ngi yo bona ukuthi unjani owa kwami u Makhoba. Naku, loku, oku funwa yi nkosi, ngi sho ngi ba khombisa ingane efile. Ku yiseni enkosini uma ni thanda".

Bangi pendula bathi, Inkosi, ayisi thumanga loko Mbope", "Izwi layo lithi, ku funeka ube pambhi kwayo masinyane".

Lapoke ngezwa ku gcwala amanzi esi swini sami. Ama khosi ane zi ndhlebe ezi ningi. Ngabe konje se yi zwile nje. Ngi zo kuya kanjani po pambi kwe Ngonyama, ngi thwele umntwana wayo ezwa ngi mu fihle emhlane wami na. U ma nga ke nga thithizela, nga bona kalisa ukuthi ngi ye saba, anga lalela, kwa ku yauba yi si pelo sami njalo. Ngase ngi thi "Kulungile! Se ngi ya khona". Sa hamba saya esa ngweni le ndhlunkulu.

Ilanga lase li shona. U Shaka ehlezi esi godhlweni sakhe esincane, pambhi kwe ndhlu yakhe. Nga guqa nga madolo pambhi kwakhe, ngathi, Bayede, ngase ngihlala. Wase ethi, Sukuma mfo ka Makhedama!"

Ngathi, ngi ye hluleka uku sukuma Ngonyama ye Zulu", "Ku ya nge hlula uku sukuma, ngi pethe igazi le ndhlunkulu nge zandhla zami, ngi ngaze ngikhululwe iyona inkosi.

Wa buza wathi, "Lipi lelo gazi na". Nga se ngi khombha u cansi enga ngi lu pete. "Ake ngibone", Nga se ngi ya lu sombulula, wa mu buka umntwana, wa hleke ka khulu. Wa se, ethi, "mhlaumbhe ube zau ba yi nkosi", wase e thuma indoda ukuba imu suse. "Mbope ubulele umuntu obe za u ba yi nkosi. Awe sabi yini na.

Ngathi, "Cha, Zulu eli mnyama, umntwana ngi mu bulele ngo mthetho we nkosi".

Wathi u Shaka, "Hlala pansi ke si xoxe", wa ye no musa ngalelo langa. "Ngo muso, uzau nikwa izi nkabi ezi yisi hlanu, nga loku okwenzile; uyozi khetha emu hlambhini we ndhlunkulu".

"I nkosi i lungile; iya ngi bona uma se ngi lambhile inge suthise. Inge ngi vumele yini po ngi hambe na. Owe si fazane wa kwami uyabeletha, ngi funa uku yo mu bona".

"Cha, ake u hlale ka ncane; ku njani nje ku Baleka udadewethu ongu dadewenu na. "Ku lungile". U khalile yini uma umthatha umtanake na. "Cha, akhalanga. U the, okwe nziwa yinkosi yami ku lungile".

"Ku hle! U ma u ke wa khala, ube zau bulawa naye. U be no bani nje na. U be no Nina wa ma Zulu". U Shaka wa nyukubala. "U Nandi, u mame, ube yo kwenzani khona na. Ngo kwami ngi qinisile, noma engu mame nje—uma be ngi cabanga—" wa thula khona lapo enga ka likhipi.

Kwa thula kwa thi, nya, nga muzwa esethi. Au ngi tshele ukuthi, kukhonani lapo e cansini. Esho ekhomba ngo mkontshwana wakhe omncane, ekhomba emu thwalweni owa u se mahlombe ami.

"U muthi, nkosi".

U thwele umuthi, omu ningi ka ngaka sengathi uzo kwe lapa impi. Sombhulula ucansi ke ngi ubone".

La poke baba nge zwa imi nkantsha incibilika, pakathi ema thanjeni ami, ngenxa yokwe saba, ngibona ukuthi, uma ngi lu sombulula ucansi, ayi bone ingane bese— "Kwe lashiwe, Nkosi, Aku bonwa. Aku fanele uku wu buka umuthi".

"Vula!" esho ngo ku thukuthela. U thini? uthi angi ngayi buki imithi engi dhliswa yona ngi nga yi thandi—Aku mina yini inyanga yoku qala ezi nyangeni zonke na.

"U muthi ungu kufa kwe nkosi", ngi sho ngi wu pakamisa umtwalo ngi wu beka kude ne nkosi, e thunzini lo thango, lapo ngi thanda khona. Ngase ngi khothama, ngi sombhulula kancane izi ntambho zo qhotho owa u boshwe ngazo, sengi juluka sengi manzi, amehlo ese gcwele umjuluko sengathi yizi nyembhezi. Ngiyo kwenze njani nje kodwa, uma angase ayi bone ingane na. Uma, ingase ivuke ikhale, ngi yau thini? Ngi nga wu hlwitha lo mu khonto au peteyo, ngi mugwaze ngawo! E he, ngi yi bulale inkosi, nami bese ngi yazi bulala! Lwa sonjululwa ke u cansi. Phakathi, ku khona ama qabunga a nsundu, ne zi mpande ne mithi; nga pansi ku khona ingane oku sengathi ifile i boshiwe—.

"Kwa ba kubi", yasho inkosi ya bhema ugwayi, Au buke Mpope ukuthi ngi khombha kahle kanga kanani! Wau pakamisa umkhonto wakhe, efuna uku

wu ciba agwaze lo mthwalwana wami. U the lapo ethi uyau ponsa, idhlozi lami lamu fiki sela uku thimula, umkhonto, wafike wa hlaba ama qabunga ne mithi okunga pandhle, umntwana wa sinda.

Nga nanela ngathi, "Ashila!" nkosi. "Ashila, Mbope, yinhlanhla" ku pendula u Shaka. "Hamba ke! Wenze ise luleko sami; ubo ba bulala nawe abantabakho, nje ngami, ngoba uma unga ba bulali bayo ku ku hlupa. Ama zinyane ama bhubesi athanda uwa bulale ngo ku wa cwilisa emanzini ese mancane. Ngau bopa masinyane umthwalo—nga wusheshisa, iza ndhla zi qaqazela. Yek'ingane seyi vuka ikhala. Yayi yobe isha yile insimbi kimi; Nga sukuma nga yi khulekela inkosi. Ngase ngi ya zi ncipisa ngi ya suka pambi kwayo. Ngi the ngi sa puma nje ema sangweni endhlu nkulu, ya qala ingane uku nswininiza pakathi emtwalweni. U ma yake ya nswininiza ngi nga ka pumi nje. Hau!

Lathi i butho, lapo ngi dhlula kulo, "Yini, Mbope! "kwa khala umundhlwane we nja nga pansi ko mutsha wakho na.

Nga thula nje, nga hamba nga mandhla ngaze nga fika kwami. Nga ngena; nga funyanisa omukami aba bili be bodwa.

"Se ngi mu vusile umntwana, ba fazi", ngi sho ngi wu sombulula umthwalo. U Anadi wa muthatha wa mu buka. Wathi, "Seu khula khulile ku na ku qala lomfana" Ngathi, kuthe ukuba kungene umpefumulo kuyena, wase uya mu khukhumalisa.

Wathi futhi u Anadi, "Amehlo akhe, asa fani nje ngoba ebe njalo" Manje ase ma khulu, ase mu nyama, nje nga we nkosi" Nga pendula ngathi, Idhlozi lami, limubuke emehlweni, la wenza aba mahle.

Wapinda futhi okwe si thathu wathi, "Lomu ntwana u no pawu lo ku zalwa elangeni. "Lowo, engi ku nike yena, ube nge nalo".

"U pau lwe nziwe umuthi wami".

"Lo mntwana aku se siye, se ku omunye", ku sho u Anadi esesho nge nkani. "Yi nkatazo le, ezau si bangela isi sila ezi ndhlini zethu".

Nga sukuma se ngi thukuthele, nga mu thuka kabi, se ngi bona ukuthi, uma ngi nga muthulisi lo mfazi, uku khuluma kwakhe ku zau si shonisa.

Ngathi, "Thula, mtakati!" U tshelwa ubani ukuthi, khuluma lawa manga? U funa ukuba sithole isiqalekiso yini. Pinda futhi ukhulume kanjalo, uzau ngena engombocweni nje ngo mtakathi!"

Nga mu thethisa, nga mu songela ukuthi uzau bulawa, isigcino wase uye saba, e se ngi ncenga ukuba ngi mu thethelele. Nga ngi me saba kakhulu lomfazi ukuthi anga se akhulume ngoba ngi mubona.

## ISAHLUKO VII

### U Mhlopekazi Pambi kwe Nkosi

Ye dhlula iminyaka, le ndaba ya lala. Ayaze ye zwa kala nempela, kodwa yayi sa lele nje; mina ke, baba, ngange nqenile kakhulu, ngo ku vuka kwayo. Ngoba kwa ku yi mfihlo eya ziwa aba fazi aba bili ku pela, u Nandi ozala izulu, no Baleka u dade wethu, inkosikazi ye nkosi; nabanye futhi aba bili—u Makhoba no Anadi, omu kami boba bili—Lwa lu khona usolo. Po ke, yayi nga hlala ka njani oko ku pela inga veli obala na.

E muveni kwa loko, kwa se ku suka u Nandi no Baleka, akwabe ku sa vuma ukuba ba lufihle uthando lo mntwana, okwa ku thiwa yi ndodana yami, igama layo ku u Mhlopekazi, kodwa engo zalwa yi nkosi u Shaka ku Baleka, u khulu wakhe ku u Nandi. Laba abesi fazane ba se be loku be zo ngena nga munye endhlini yami, be shaya sengathi ba vaka shela omu kami, ba fike bamu thathe lo mfana, ba mu dhlalise emathangeni abo. Ngi loku ngi ba ncenga ngithi,

aba nga ku jwayeli ukwenza njalo, kodwa ngi nga sizi luto. U thando lwa ba ngena ka khulu ezi nhliziyweni zabo ngo mntwana, ngi thi uma ngi ba khuza, ngi be ngi ba bangile. Isigcino kwaba yi lesi—U Shaka wa mubona umntwana ehlezi e dolweni lika Nina u Nandi.

Wa ngi buza u Shaka wathi, "Mbope! "U Mame uye nzani leya ngane yakho na. U ma eswele ingane yo ku yanga, yini a ngangi mina na. Wahleka uhleko olu fana no lwe mpisi.

Ngathi mina, angazi, ya dhlula leyo ndaba okwe si khashana. Kodwa u Shaka, wase ebeka abantu ukuba ba bheke u nina. Wa khula ke lo mfana, u Mhlopekazi waba mukhulu, waqina; amuko kwa ba be yi ntanga yakhe, owaye fana naye ku leyo ndawo. Kodwa ku sukela ebu ntwaneni bakhe, waye yisi thuli, enga khulumi ka ningi, enge sabi lutho, nje ngo yise u Shaka. E zweni lonke, wa ye thanda abantu aba bili ku pela, kwa ku yimina u Mbope okwa ku thiwa ngi uyise, kanye no Nada okwa ku thiwa uyi wele naye.

Manje ke, sizo ke, sizwe ngo Nada, ukuthi nje ngoba lo mfana, u Mhlopekazi, waye na mandhla ene sibindi ku nabo bonke abantwana, no Nada ke waye njalo, waye thobe kakhulu, futhi emuhle ka khulu. Ngo kwe qiniso, baba. Ngi ya kholwa ukuthi, igazi lakhe, lali nge silo elesi zulu kahle, kodwa, nami loko, angi nalo iqiniso lako. Kodwa, amehlo akhe wona, aye thambile, futhi ema khulu, ku na wa bantu bakithi, izi nwele zakhe zi zinde, zi nga sontene ka khulu, futhi e khanya ethanda ukuba mpofu. Waye fuze u nina u Makhoba, kodwa yena, waye muhle emu dhlula unina; emu hle impela ku nabo bonke abesi fazane ba kithi, engi baziyo. U Nina u Makhoba, owa kwa mi, waye i Swazi ngo kuzalwa, lapa emzini we nkosi wafika nabanye bedhliwe empini eya yi kade ihlasele, inkosi yase ingi pa yena ukuba abe umkami. Kwa ku thiwa lo Makhoba, waye zalwa

umu numzane we Swazi we si bongo sa kwa Vilakazi, wa zalwa yi nkosikazi yakhe lo mnumzane, angazi kodwa ukuthi, uyise uqobo lwake kwa ku uye yini lomu numzane na. Ngake ngezwa, yena u Makhoba engitshela ukuthi, enga ka zalwa, kwa ku khona umlungu owa ye hlala kwabo. Wa ye i Putukezi elali puma enzansi, lilihle, li umkandi wensimbhi. Lo mlungu waye thanda unina ka Makhoba ka khulu, abanye abantu babeti, u Makhoba uzalwa yilo i Putukezi, bethi azalwa yilo mnumzane we Swazi. Nami ngi ya kwazi loku ukuthi, i Swazi lamu bulala umlungu umkami e nga ka zalwa. Kodwa amukho owazi iqiniso lale zi zindaba, nami ngi khuluma ngoba, ubuhle buka Nada, babu fana no buhle babe lungu, bunge sibo ubuhle babantu bakithi waye fanele ukuba abe njalo uma uyise mukhulu waye umlungu.

U Mhlopekazi no Nada, babe ngehlukani. Babe dhla ndawonye, ba lale ndawonye, ba hambhe ndawonye; umcabango noku khuluma kwabo ku fana. Hau! uma umuntu eba buka, kube kuhle impela! Be se nga bantwana, kwaze kwaba kabili u Mhlopekazi esindisa u Nada eku feni.

Oko ku qala kwaba ka nje, ba puma boba bili ekhaya, baya kude, be funa amajikijolo athandwa ka khulu ngaba ntwana. Ba zula bazula be hambha be hlabelela, baze ba wa thola, ba wadhla ka khulu. Ilanga lase liyo shona, ba fikelwa ubu thongo balala. Ba vuka ebu suku seku vunguza omkhulu umoya, se lina ne mvula ema khaza, ngoba kwa kwe thwasa ubu sika, izi thelo za sendhle zi vuthiwe.

"Vuka, Nada!" kusho u Mhlopekazi," asi ye ekhaya, ama khaza azosi bulala".

Wa vuka u Nada, ese saba, ba hamba ke sebe ba mbhene nge zandhla, be hambha be quzuka emu nyameni. Kodwa nge nxa yo moya no busuku, ba lahleka, kuthe lapo ku sayo, babe pakathi kwe hlathi aba nga laziyo. Ba pumula isi khashana, be kha ama jikijolo be wa dhla, base be hamba futhi. Ba zula

lonke lelo langa, kwaze kwahlwa futhi. Ba se be kha amagatsha emithi be mbhata wona benzela uku fudumala, sebe khathele kakhulu, ba sheshe ba thathwa ubu thongo balala be gonene. E ku seni ba vuka, kodwa base be khathele kakhulu nama jikijolo ese ncipile, kwathi lapo seku semini, apela nya. Ba se be lala pansi eqeleni, u Nada wa ca mela esi fubeni sika Mhlopekazi. Wase ethi, "mfowethu, kuhle sisale sesi fela kona lapa".

Noma se ku njalo, umfana yena wa ba ne sibindi esi khulu, wathi. Isi khathi so kufa, dadewethu, si yo zi fikela sona. Ake u pumule lapa, ngi sa zoke ngi khwele pezulu entabeni ke ngi buke ukuthi si ku pi.

Wa mu shiya ke, wa kupuka entabeni, e qeleni le ntaba, wathola ama jikijolo ama ningi ne zi ntondo, wa dhla wa sutha. Wa fika pezu kwe ntaba, wa buka pezu kwe hlathi. Kude ngase mpumalanga wa bona into ende, emhlope efana ne nthuthu ye nganywe yi siwa esi mnyama, kwa funya niseka ukuthi, umuzi we nkosi. Wase uye hla njalo entabeni, ehambha ebanga umsindo nge nxa yoku jabula, epethe ama jikijolo nezi ntondo nge sandhla. Kodwa, eku fikeni kwakhe lapo ebe mu shiye khona u Nada, wamu funyanisa ese qulekile yi ndhlala, na makhaza, noku khathala. E se lele pansi nje ngo muntu olele ubu thongo, pezu kwa khe, kumi i mpungushe, eyathi ukuba ibone u Mhlopekazi eza, ya baleka. Manje na ke, kwa ba khona imi cabango emi bili enhliziyweni ka Mhlopekazi, omunye wa u owo ku zi sindisa yena ashiye uNada, omunye u ukuba, alale pansi afe kanye no Nada. Kodwa, wau thola umcabango we sithathu, wa khumula imicilo emulsheni wakhe, wa ye luka izi ntambo, wa bopela ngazo u Nada emhlane wakhe, wa mu beletha, wa hambha naye emuzini we nkosi. Waye ngeke afike, ngoba, kwa ku kude. Kwathi lapo seli shona, izi gijimi ezazi hamba ehlatini, za fika kumfana, onga bhince luto, emhlane wakhe ku boshelwe intombazana, epethe intonga, ehamba ka

ncane, eyenda, amehlo ese pume ese ama qhumuza, umlomo usu na magwebu. Enga sa kwazi uku khuluma, ese khathele, ne zi ntambho, abope ngazo u Nada, sezi mu dhlile ema hlombe; esinye isi thunywa sa mubona ukuthi u Mhlopekazi, umfo ka Mbope, bamu thwala ba musa ekhaya. Ba cishe ba mushiya u Nada be cabanga ukuthi seu file, kodwa u Mhlopekazi wa ba khombhisa esi fubeni sakhe, basi patha, ba yizwa inhliziyo yakhe ukuthi isa dikiza, base be muthatha naye; Kwa gcina ngokuba ba sinde bobabili, base be thandana ka khulu ku na kuqala.

U ma se be se khaya, nga mu tshela u Mhlopekazi ukuba anga pindi athathe u dade wabo aye naye endhle, abo hlala ekhaya. Kodwa lomfana, wa ye thanda kakhulu uku hambha ezula nje nge mpungushe, Yonke indawo lapo eya khona umfunyanise e landelwa u Nada. Kwathi, nge linye ilanga, banyamalala ekhaya, ama sango aye vuliwe ba puma, ba ya emhosheni omkhulu owa u no mantindane, uma umuntu engena khona bamu bulale. Angazi ke noma, kwa ku yi qiniso yini loko, kodwa ngi yazi ukuthi, ku lowo mu hosha kwa ku hlala umfazi ohlala ema hlathini, owa ye hlala emu humeni odhla noma yini ahlangana nayo, ayi bulale, ebe, noma yini, okunye aku dhlayo, waye kumbha pansi nge zandhla. Lo mfazi waye uhlanya. Indoda yakhe, yayi nukwe yi zinyanga, zathi ithakatha inkosi yase iya bulawa. Nje ngoba kwa ku umthetho ka Shaka, ukuba umuzi wo mthakathi, uvinjezelwe, ba bulawe bonke baku lowo muzi, kwagcinwa ngabo abantwana bama ntombazana amathathu, bathi sebe funa ukugwaza unina, masinyane wa nge nwa yi dhlozi lamu hlanyisa, base bemu yeka uku mubulala, sebe saba noku muphatha, ngoba ese nge nwe yi dhlozi; nge muva kwa loko, apindange athintwe ngu muntu. Wase uya baleka ke, seu yohlala emuhosheni ohlala o mantindane; uku hlanya kwakhe kwa ku menza nje, ubethi uma ebona abantwana, i kakhulu bama ntombazana, abe se fisa uku ba bulala, nje nga

bakhe, aba bulalwa. Wa ye vama uku kwenza loko, be kuthi uma inyanga isi hlangene, ku mu vuke ka khulu uku hlanya, ahambhe aye afike kude e funa bona abantwana, afike ekhaya abahlwithe nje nge nkentshane. Noma ese kwenza loko, wa ye nga thintwa muntu ngoba, waye ngenwe yi dhlozi, ngisho na labo owaye bulala abantwana babo.

Yi wo lowo muhosha ke u Mhlopekazi no Nada aba ngena ku wo, lapo kuhlala khona umbulali waba ntwana, ba fike ba hlala nga sesi zibeni esi seduze no mu hume ohlala lo mfazi, be kha izi mbhali, be dhlala nga zo. Wase esuka, u Mhlopekazi, ese yofuna izi mbhali ezi mila ema dwaleni, emu shiya yedwa u Nada. E hamba ememezana no Nada nge muva, kwaze kwa vuka umfazi pakathi e mhumeni, ngoba wa ye puma ku sihlwa kube kupela nje nge mpungushe. Wa puma ke umfazi emhumeni ezwa ipunga le gazi, e phethe umkhonto. Wase ebona u Nada ehlezi e tshanini, eluka izimbali, wa mu nyonyobela efuna uku mbulala. U ma ese ngi xoxela umntwana uthi— u Nada wa fikelwa u moya obandayo, lapo selu sondela lolu hlanya, wezwa ese ngenwa ukwesaba, kanti aka muboni lo mfazi ofuna uku mbulala. Wazi dedela izi mbhali zawela pansi, wabuka esi zibeni pambhi kwa khe, wasi bona isi thunzi somfazi esi zibeni, wabu bona ubuso obulambhileyo bo mbulali wa bantwana, enyonyoba eqamuka ngenhla kwakhe, eza kuye, enezi nwele ezi lengela ebunzini, na mehlo ukhazimula nje nga we bhubesi.

U Nada wa khala, egxuma ebaleka eshona lapo kushone khona u Mhlopekazi, lwa mu sukela u hlanya lwomfazi. Wa ku zwa uku khala u Mhlopekazi. Wa bheka emuva nge jubane, ehlisa igquma, wa si bona isi gebengu somfazi pambhili. U Nada sesi mu bambhe nge zi nwele, no mkhonto sesi wupakamisile ukuba sigwaze. U Mhlopekazi waye ngau phete u mkhonto, waye phethe indukwana nje eyi sa gilana; wasi dumela wasi khombha kahle engalweni, wayi shaya

samu yeka u Nada sa bhekana naye si bhodhla. Sau pakamisa umkhonto sithi siya muqeda u Mhlopekazi, wa gxumela nga nhlanye. Sa pinda futhi sithi siyamesula ngomkhonto: wa gxuma wa bheka pezulu, umkhonto wa hwipiliza ngapansi kwakhe. Samu pinda futhi okwe sithathu, wathi noma ethi uya ziwisa evika umkhonto, sa mu gwaza ehlombe. Wawa nawo umkhonto, wadonseka, wa puma esandhleni somfazi, uthe, ethi, uyau dumela, wase evukile nawo u Mhlopekazi ese kude, unamathele ehlombe.

Wa penduka umfazi, wa banga u msindo ese thukuthele se ku vuke no hlanya, wa qonda ku Nada nge jubane eyo mu bulala nge zandhla. U Mhlopekazi wa qinisa i mihlathi, wawu donsa wawu khipa umkhonto, walu sukela ngawo uhlanya lwo mfazi ememeza. Lwa pakamisa elikhulu itshe, lwa mu jikijela ngalo—la fike lashaya kwe linye itshe lafa la hlakazeka, ngoba lali jikijelwe ngama khulu amandhla; wa sondela wafike wa lugwaza, umkhonto wangena waye wa pu ma nge muva, lwa wa pansi lwa fa. U Nada wali bopa inxeba lika Mhlopekazi, ela li libi, lingene kakhulu pa kathi, wa fika ka bu hlungu emzini we nkosi, wafike wa ngi xoxela yonke le ndaba.

Kwase ku ba khona abanye abantu abathi, kuhle abulawe lo mfana ngoba ubulele umuntu one dhlozi. Kodwa ngala mina, ngathi, anga thintwa muntu. U mfazi umbulele ngoba ezi vikela yena no dadewabo; noma u bani unalo ilungelo lo ku bulala uma ezi vikela, ku pela uma ebulawa ngo m'yalo we nkosi, noma ebulawa yilabo aba suke be thunywe yi nkosi. Ngathi futhi noma ku njalo, lomfazi ube ne dhlozi elibi, ngoba idhlozi eli lungileyo, alisho ukuthi aku bulawe abantwana, ngabe ku ngcono uma beli mu bulalisa izinkomo ngokuba aku siwo umthetho wa kithi, uku bulala abantu ba bulawelwe ama thongo, ngi sho noma ku khona impi, izi nja ezi nga Besuthu zona zi ya kwenza. Kwa ba khona u ku dunguzela oku nga peli, ngoba, izangoma zazi funa impela ukuba,

umfana abulawe, zithi, uma enga bu lawa, kuzo vela umhlola, ngoba ubulele ne dhlozi, isi gcino indaba yaze ye zwakala enkosini.

U Shaka wase engi biza ukuba ngi ze ku ye kanye no mfana u Mhlopekazi, wabiza ne za ngoma.

Kwa qala iza ngoma uku khuluma, zilandisa inkosi ukuthi, u Mhlopekazi ku funeka abulawe. Wa zi buza u Shaka iza ngoma wathi, ku ngaba nani uma umfana enga bulawanga na. Zathi, idhlozi lalo mfazi ofile, linga menza lomfana ukuba alethe umhlola emzini we nkosi. U Shaka wa buza ukuthi, umhlola unge za yini kuye eyi nkosi na, za qale za buza emadhlozini ku qala, zase zi ya mupendula ke zathi cha, umhlola unge hlela omunye wendhlu ye nkosi, olandela inkosi nge si khundhla. U Shaka wathi, akhathali noma ba nga velelwa yini aba landela yena, noma be nga velelwa okubi, noma okuhle. Wase e khuluma no Mhlopekazi. U Mhlopekazi wamu buka nge sibindi u Shaka ebusweni sengathi ubuka untanga yakhe.

Wathi u Shaka, "mfana", uthini wena nje ngoba bathi laba bantu kuhle ubu lawe na.

"Ngathi, Wena oMnyama", ku pendula u Mhlopekazi, Ngi mu gwazile mina umfazi ngi vikela uku pila kwami".

"Asi lutho loko", ku sho u Shaka. U ma mina, ngi yi nkosi, ngi funa uku ku bulala ungabe nawe seu yangi bulala na, noma ubu lale engi ba thume ukuba baku bulale kambe na. I thongo ebe li ku mfazi, be ku yi thongo eli yi nkosi, be li thume umfazi ukuba aku bulale; ngau vumile ke wena ukuba ufe.

U naso yini esinye isi zathu na.

"Yi lesi, Ndhlovu", ku pendula u Mhlopekazi; umfazi ube zo bulala udade wethu engi mu thanda nga pezu kokuba ngi zi thanda".

Wathi u Shaka, "Asi lutho loko", Uma ngithi ku ɦle ubulawe, noma wenzeni, ngi nge sho yini ukuthi

aku bulawe nabo bonke abo muzi wa kwenu kanye nawe na. I dhlozi eli yi nkosi linge kwenze yini oku njalo nalo. U ma kungasekho oku shoyo; uzau kufa.

Nga qala manje ukwe saba, se ngi bona ukuthi konje u Shaka angase amu bulale nje oyi ndodana yami nge nxa ye zwi lezi nyanga.

Kodwa lomfana u Mhlopekazi wa mu buka pezulu, wa pendula nge si bindi, enga penduli nje ngo muntu ozi ncengela ngoba esezo bulawa, wa pendula nje ngomuntu one lungelo.

"Wen'odhl'izitha", ngi nga thi nje, uma ku ngezwakali ese ngi ku shilo, asi yeke uku khuluma, angi sale se ngi fa. Owa wu bathume ukuba ba bulaleba fike bamu shiya lo mfazi be cabanga ukuthi, uyahlanya. Mina ke ngi ye nzile intando ye nkosi; ngi mu bulele noma ehlanya noma enga hlanyi, inkosi yayi thumele ukuba abulawe, loku engi bongwa ngako akusiko uku fa kodwa, u dumo.

U Shaka wathi, ukhuluma kahle nje nge ndoda, Mhlopekazi. Aku shaywe izi nkomo ezi yi shumi, zi nikwe lo mfana onesi bindi nje nge ndoda, uyise uzo me lusela zona. U ye ne liswa yiloko Mhlopekazi na".

Wa pendula wathi u Mhlopekazi, "Nge mukela loko engi nikwa kona, ngi ya yi bonga inkosi ngoba ingi nika nje ngo ku thanda kwayo".

U Shaka wa mu gqolozela, wase uya thu ku thela, wa buye wa qhumuka wa hleka.

Wase ethi, "Kwe nziwa yini, ukuba le nkonyana, ifane nenye, eya zalwa emuzini ka Senzangakona, nge zi khathi ezi pambhili!" Nami nga ngi nje ngaye lo mfana.

Yi ba njalo mfana, sengathi, u ngaze uba thole, aba yo ku khulekela bathi Bayede kuwe eku gcineni. Kodwa unga bo pambhana nami, ngoba, uma abantu a babili be fana ba ngeze be zwana. Hambha ke!"

Sase siya hambha njalo, sa zi dhlula izi nyanga zi

hleba zodwa, ngoba loko kwenza kuka Shaka, aku zi jabulisanga, ngenxa yokuba ku hlola imihlola. Zaba no mona futhi ngami, za fisa uku ngi zwisa ubu hlungu ngo ku thanda uku limaza umntwana oku thiwa ungo wami.

## ISAHLUKO VIII

### Ingombhoco eNkulu

E muva kwa loko kwa tula kwati cwaka, kwaze kwa pela umgido we Ncwala. Ba yi ngcosana aba bulawa ku lowo mgido, kanti njalo ne ngombhoco ye nziwa ku le ncwala, izinyanga zaba nuka abathakathi, zi thi ba thakatha inkosi; zaba nuka ba ba baningi nga lelo langa. Kwase ku kubi kwa Zulu nga lezo zikhathi, abantu se be ze saba kabi izinyanga. No buthongo bu nga sehli, nge nxa yokuba, umuntu eno mucabango wo kuthi, konje ngo muso, isanusi singa se singi shaye nge shoba le nkonkoni nje, be se ngi ya donswa njalo ngi ya ko bulawa. Kwaba yisikhathi eside, u Shaka enga sho lutho ngo hlupo lwe zinyanga, ebange ngo kuthi, uma zi nuka anga ba thandiyo, ngoba babe baningi owa ye ngasa ba thandi, a jabule uma izi nyanga zi ba nuka, kodwa, zithi uma sezi nuka labo aba thandayo, zibe sezi zonele kuye, athukuthele. Kanti njalo ngomu thetho we zwe, osuke ese nukwe yi zinyanga, kwa ku fanele a fe, yena, nabo bonke, abo muzi wakhe; nga kho lokoke, u Shaka, le ndaba yayi mu pethe kabi, ngoba wa ye nge nayo indhlela yo ku ba sindisa aba thandayo, ukuba ba nga nukwa yizinyanga ba bulawe. Nge linye ilanga kusihlwa nga hambha nga ya kwe lapa u Shaka, egula inhliziyo yakhe i hlupekile, nge nxa yokuba kwa ku kade ku khona Ingombhoco ngalelo langa, ya dhla izi nduna zakhe zempi ezi nga ma qhawe amakhulu ezi yi si hlanu,

nabanye aba ningi. Bonke sebe bulewe kanye naba fazi na ba ntwana babo. U Shaka kwa mthukuthelisa loko kwenza, waze wa ngi tshela umcabango wakhe.

Wathi kimi, "Mbope, mfo ka Makhedama Izwe la kwa Zulu li buswa yi za ngoma, ali sa buswa yimi. Kuyau gcina pi na? Imbhala aku zu ku nukwa mina ngi bulawe nje na? Le zi zanusi zi ya nge hlula; ezweni seze sabeka nje nge thunzi lase busuku. Ngi tshele ukuthi ngi nga zi shonisa pi na?"

Nga pendula ngathi, "O nkosi, aba hambha pezu kwe mi khonto, bawela kuyo, ngisho izinyanga uqobo lwazo, nge ke zime pezu kwe mikhonto. Sona isa ngoma, asinayo yini inhliziyo efayo na. Asi nalo yini igazi eli ngase lo pe na?"

U Shaka wa ngi bhekisisa, wathi "Mbope! U yi ndoda ene sibindi, ngoba uya kwazi ukukhuluma ka nje kimina. Awazi yini ukuthi, isa nusi asi patwa na?"

Ngathi, "Mina ngi khuluma oku semu cabangweni we nkosi. Au lalele ke, nkosi! Nge mpela isanusi esi ne qiniso, asi pathwa, kodwa uma siqambha amanga ke na? Si nuke abantu be nge nzanga lutho, ku bulawe abantu aba nge na cala na? Kubi yini, ukuba si patwe kabi, nge ndhlela naso ebesi pete kabi abaningi na. Kunjani loko, nkosi na?"

"U khuluma kahle!" kusho u Shaka. "Au ngi tshele ke mfo ka Makhedama ukuthi, inga lungiswa ka njani lendaba na?" Nga sondela nga nyenyeza endhlebeni ye Zulu eli Mnyama, wa vuma ngo ku nqekuza ikhanda.

Nga khuluma ka njaloke mina, ngoba nami ngi bu bona ububi be zanusi, futhi ngi yazi ne mfihlakalo yazo. Futhi nge saba ukuthi, nami kanye ne ngi ba thandayo, asi kho ndawo ezanusini. Ngoba zazi ngi zonda sengathi ubu ngoma bazo bu zi tshela mina nje ku pela.

Yenzeka indaba nge linye ilanga ekuseni, khona em'zini wenkosi, kwa puma yona inkosi uqobo lwayo, igijima imemeza kakhulu, ibiza abantu uku ba

bazo bona umhlola owenziwe umthakathi kuyo. Ba fika nempela abantu, bau bona umhlola. Kwa ku gcotshwe igazi ezi nsikeni za masango endhlunkulu. Kwa qaqazela amadolo ama doda, wona ane sibindi ezi mpini uma ebona leli gazi; abafazi bakhala ba mbhongoza kakhulu sengathi ku fiwe; be khaliswa u kwesabeka kwa lo mhlola.

U Shaka, wa sho nge likhulu izwi, ele sabekayo, wathi, "U bani owenze lento na. U bani nje, nempela, oze wazo thakatha i nkosi, ngo ku thela igazi endhlini yayo na?"

Aku pendulanga• muntu, wa pinda futhi u Shaka, wathi—"U muntu owe nze loku akayu kufa yedwa—. U yau kufa naso sonke isizwe sakubo, ngi sho ne ngane, kanye ne nkomo yakhe embhala!

Aku pume izi thunywa, ziye empumalanga, nase ntshonalanga, nase nyakatho, nase ningizimu, zi bize iza ngo ma ku zo zonke izindawo! Zi bize izi nduna zawo wonke ama butho, na ba numzane bayo yonke imizi! Ngo suku lwe shumi, ku sukela na muhla, ku yo kwe nziwa ingomboco, ngalelo langa kuyau nukwa aba thakathi be si lisa, nabe si fazane, nge ndhlela enga zange yenziwe kwa Zulu.

Za puma ke izi thunywa; ziyo kwe nza loko ezi ku thunywa yi nkosi, ama gama alabo eziyo babiza sezi wa tshelwe yizi nduna, ba qala ke uku fika abantu emzini we nkosi imi hla yonke; kwa gcwala ema sangweni omuzi wase bu khosini, be gaqa nga madolo pambhi kwe nkosi beyi bonga kakhulu, kodwa, ingaze ya vuma ithule nje. Omunye umnumzane, wa fika epethe induku yomuthi obomvu opatwa amakhosi, u mnaka owaye yipiwe uyena u Shaka uqobo lwakhe eminyakeni epambhili. U Shaka wathi ka bulawe ngaso leso sikhati.

Nga ku sihlwa, ku zau kusa kube yi ngomboco, za ngena ekhaya izanusi ze si lisa neze sifazane, zi yi khulu na ma shumi ama hlanu sezi zonke, zizi mbhi ze sabeka zenziwa yizi nyongo na ma thambo

abantu, kulenga emizimbheni nase ma khanda ku ubu lepu lepu zi gcobe ama futha abantu, ku lenga ne zi khumbha zezi nyoka. Za ngena ngo ku thula, zaze zema pambhi kwe ndhlunkulu zase zi hlabelelela inkosi ingoma zithi;

"Sesi fikile nkosi, sipuma emi pandwini nase ma tsheni nase ma xhopozini,
Size uku zo geza igazi la ba file;
Siza nempi yethu epuma emoyeni nje nga manqe empini.
U ma ezwa kunuka igazi laba file.
"Asi zi sodwa Nkosi! si sinye isazi siza ne tongolaso.
E lifike limu nyenyezele igama lo lahliwe,
Asizi sodwa, ngoba si ama dodana nezi nduna zo Kufa,
Yiko uku fa oku si qondisa kwa ba la hliwe.
"Inyanga i puma ibomvu empumalanga, ilanga li shona li bomvu entshona langa;
Li bukeni nili valelise ba thakathi '
Si nibala nibe ama khulu, nina eni the aku qalekiswe inkosi.
He! masinyane sizau ni valelisa!"

Zase zi ya thula ke, za hamba ngo ku thula, zabuyela lapo za zi bekwe khona, ukuba zi lale zi khuluma na ma dhlozi. Abantu abaningi, ba be qhaqhazela ngo kwe saba; uma bezwa iza ngoma zi khuluma zodwa, ngenxa yokuba, bazi ukuthi ba ningi abantu aba zau shaywa nge shoba, linga ka shoni ela ngo muso. Nami futhi ngangi gedezela, ngi no ku khulu ukwe saba. Hau! baba, kwa ku kubi ngalezo zi khathi kusa busa u Shaka, ukufa kwa ku si hlalele yonke indawo! U muntu wa ye nga sho ukuthi, upilile, no kuthi, owakwakhe nomntwana wa khe ba sa pilile, noma yini yakhe, konke ana ko kwa ku okwe nkosi, ababe suke be sinde empini, ba be hlalele uku bulawa yi zangoma.

Kwa sa, oku nga liyo, kwathi ku nga kasi kahle, za se zi pumile izi thunywa, se zi ba biza bonke ukuba, beze e ngombocweni ye nkosi. Amadoda eza nga makhulu khulu, epethe izi nduku ezi mfushane kupela—ngoba uma umuntu eza pambi kwe nkosi, ehlomile, ube bulawa—afike a hlala, enza umkhumbi pambhi kwa ma sango endhlu nkulu. E bu sweni be bukeka be dabuke kabi, futhi ne zisu zabo, zi na ma pango nge nxa yokuba, aku bange ku sangena uku dhla nga lelo langa, ngoba, ba se bebona nje ukuthi, sebe u ku dhla ko kufa. Lapo be hleli khona, babe kakwe yi zi xuku zama butho, izi nsizwa ezi khethiweyo, ngo ku ba ziyi zi qwaga, izi kwanyalala nje eze sabekayo, ezi hlome ama wisa odwa. Yizo ke eza zi aba bulali.

Kwathi lapo se be pelele bonke, ya puma i nkosi, ilandelwa yi zinduna zayo kanye nami. Ye mbhete ingubo yayo ye zingwe, iba dhlula bonke ngo bu de. Izi xuku zithe shaye! pansi, kwa duma omkhulu u Bayede. U Shaka wa ziba nje; enyu kubele, ethwele izi nhlonze. Wathi uku ba bheka kanye abantu, wase ubheka kanye futhi ku ba bulali, iso lakhe uma li ku buka, u nge nelwe ukwe saba oku khulu, oku guqula izi nwele zi be mpunga nge si khashana esi ncane.

Wa vakasha, ebuka izi xuku za bantu, wa se ehlala esi gqikini, eceleni kwe bandhla eli hlezi pansi ele nze umkhumbhi kwa sala ibala pakathi kwa thula kwathi cwaka.

Kwa se ku qamuka impi ye zintombhi i puma ema sangweni, ivunule ubuhlalu, ilungisele ukusina, i pethe ama hlamvu alu hlaza, yeza ihambha ishaya izandhla, ihlabelela ka ncane ithi:

"Si memezela i dili le Nkosi, Hayi! Hayi!
Lizau dhliwa ama nqe Ha! Ha!
Kuhle—kuhle uku fela i Nkosi!"

Za thula ke, zase zi kxela emuva kwethu. U Shaka wase epakamisa isandhla, kwa se ku zwakala ubu

gidigidi bo ku gijima kwezinyawo. Masinyane kwa qhamuka emuva kwethu, ibutho la bangoma, abe silisa be nga kwe so kudhla, abe sifazane be nga kwe se khohlo. Nge sandhla so ku nxele, zi phete ishoba le nkonkoni, nge sokudhla, zi phethe i xha lemikhonto ne hawana elincane. Be babi be sabeka, be thi uma be gijima, ku khehleze amathambho aba wa fakile, izinyongo ne zi khumbha zezi nyoka, ku ndanda emoyeni emuva kwabo, ebu sweni, ku cwebezela ama futha aba wa gcobile. Be qhunsule amehlo nje nge zi nhlanzi, be pukule ne milomo be buka abantu aba shaye umkhumbi wo kufa. Zinge nako uku qonda ukuthi, konje, kungase ku be yi bapi abazobulala naba zo bulawa, linga ka shoni ilanga lalolo lusuku!

Ba sondela ke aba ngoma labo, nje nge si xuku so kufa. Beza be thule bethe nya, ku zwakala ubu basha basha be zi nyawo kupela, noku khehlezela kwa ma thambo aba wa bopele ezi ntanyeni zabo, ba fike ba kxela pambhi kwe Zulu eli mnyama. Nge muva kwe si khashana, kwa suka omunye wapakamisa i hawu nge sandhla, ba sho bonke nga zwi linye bathi, "Siya ku bingelela, Baba!"

Wa vuma u Shaka wathi "Yebo, bantabami.

"U Baba, ufunani na. U funa igazi yini na.

Wathi u Shaka, "Ngi funa igazi la labo aba necala".

Zase zi ya guquka njalo iza ngoma se zi khuluma zodwa; eze si lisa za khuluma ne ze si fazane.

"INgonyama yama Zulu ifuna igazi".

"Izau li nikwa!" kusho eza be sifazane.

"INgonyama yama Zulu izwa kunuka igazi".

"Izau li bona!" kusho eza be sifazane.

"Amehlo ayo afuna aba thakathi".

"Izau ba bala sebe yi zi dumbhu! kusho abesi fazane.

"Wathi u Shaka, "Thulani". Musani ukulibala uku khuluma, ninga sebenzi lutho. Lalelani! Aba thakathi bangi thakathile! Ba thele igazi emu zini we nkosi. Ba ba mbeni ni ba khipe khona emi godini nina magundwane! Ndizani emi moyeni nize ni ba thole nina

manqe! Ba nukeni khona ema sangweni emizi yabantu, ni ba sho nga magama abo nina zi mpungushe! nina eni zingela ebu suku! U ma, be bhace emi godini, ba donseni ni ba khipe khona, ba landeni uma be baleke baya kude, na khona ema thuneni, ba khipeni uma sebe file. Sebenzani! Sebenzani! Ningi khombise bona uqobo, niyau piwa oku khulu; aba thakathi-ke bona, ngi sho noma be ngaba yisi zwe, bayo bulawa bonke. Manje na ke, qalani. Bhulani nga shumi nga si khathi sinye, ngoba ni baningi, ni pelele nonke, ilanga linga ka shoni."

Za pendula iza ngoma zathi, "Kuzau pela Baba". Kwase ku pumela nga pambhili, ezi yi shumi zaba fazi, pambi kwazo, ku hambha eyo mfazi eyayi dume kakhulu ku lezo zi khathi, se yi khulile, igama layo ku u Nobela, amehlo akhe, aye kwazi uku bona ebu mnyameni, eku bhuleni, waye khalipe nje nge khala le nja, owaye kwazi ukuzwa amazwi abantu a ba file, uma be khuluma ebusuku, ayi khulume kakle yonke into ayizwe beyi khuluma. Zonke ezinye iza ngoma ze silisa, neze si fazane, za zi hlezi zi shaye isi baya, zi bhekene ne nkosi. Kodwa lo mfazi yena, wa sondela, eza nezinye ezi yi si shiyagalolunye zabe sifazane Za penduka za bheka empumalanga, zabuye za penduka za bheka entshonalanga, nase Nyakatho nase ningi zimu, zi funa ukubona imi cabango ya bantu. Zase zi loku zi gaqa nga madolo, zi ba zungeza, zi lingisa ama kati; za se zi zi wisa pansi, za hogela pansi. Sonke leso si khathi ku thule ku the cwaka, nje ngo ku thula kwa pakathi ko busuku, se ku zwakala ku shaya uvalo ezi fubeni ku pela; ku lo kuzwakala amanqe ekhala emithini. Isi gcino we zwakala u Nobela;

Niya muzwa nje, bo dadewethu na"
Ba vuma, bathi, "Siya muzwa"
"U hlezi nga se mpumalanga yini, bo dade na?
Ba vuma, bathi, "U hlezi ngase mpumalanga",
"U zalwa umuntu onge siye yini wa lapa na",

"Yebo, uzalwa kude".

Base be gaqa be sondela; ba gaqa nga madolo, baze ba ba seduze nalapo nga ngi hlezi khona, ngi pakathi kwe zi nduna eduze ne nkosi. Izinduna za bhekana zodwa, izi nwele zazo, za penduka zaba mu hlope nge nxa yo kwe saba; mina ke, lapo, baba, kwa xega a madolo, umu nkantsha wami wa ncibilika waba amanzi, khona pakathi ema thanjeni ami, ngenxa yokuba, nga ngi mazi lowo aba mu shoyo oyi ndodana yo muntu onga ziwa. Kwa ku yimi lowo, baba, aba se be funa uku mu nuka; uma sengi nukiwe, be se ngi ya bulawa nayo yonke indhlu yami, ngoba, noma i nkosi ya yi fungile ukuthi, angi yu ku thintwa yi lutho nje; kwa ku nge naku siza lutho, uma se ngi nukiwe yizi nyanga, nga bu buka ubusokazi obe sabekayo be za ngoma pambhi kwami, zi huquzela, ziza, ngathi lapo ngi bheka nge muva nga ba bona aba bulali be vivinya ama wisa, sebe lungiselela uku bulala, nga bona nje, ukuthi seku pelile kimina. Ngase ngi khumbhula amagama, esa si wa nyenyeza ne nkosi. Si lungiselela yona le ngombhoco, nge zwa se ku buya i thembha ki mina, kwaba se ngathi, kuthi, gidi, isi bindi. Kodwa noko se ku njalo, angi thembhanga ka khulu, ngoba mhlaumbhe, le ngombhoco, kwa ku yi su lika Shaka, lokuba, ku bhanjwe mina.

Kwathi lapho se zise duze ka khulu nami, zase zi yema.

"Si pupe amanga yini bo dade na".

Za vusa ama khanda azo, nje nge zi nyoka, za vuma ngoku nqekuza ama khanda, kwe zwakala ubu khehle khehle ba ma thambho ezi ntanyeni; se zi cwazimuliswa umjuluko, zase zi hlangana nga ma khanda, u Nobela wa ngena pakathi kwazo, wa khuluma izwi.

Za hleka, zathi, "He! he!" si yezwa! Yilo igama lakhe lelo. Aka bizwe ngalo pambhi kwe Zulu, yena, kanye na bo bonke a bomuzi wakhe—.

Masinyane za vuka, za gxuma, ze za kimi nga majubane, u Nobela, isanusi esidala epambhili, za fika za ngi khombha nga mashoba ezi nkonkoni. U Nobela wa se engi shaya nge shoba ebusweni, wa sho kakhulu, wathi

"Sau bona Mbope ka Makhedama! U we lo obhece igazi emasangweni e Nkosi ubulala i Nkosi. U muzi wakho, ma u sizilwe uthiwe nya!"

Ngamu bona u Nobela eza kimi, nge zwa noma ese ngi shaya ebusweni sengathi ngi ya pupa. Ne zi nyawo za ba bulali ngazi zwa ziza zi gijima, sebe zo ku ngi donsela eku feni okwe sabekayo, ulimi lwami lwasuke lwa qina, lwa nama thela emlonyeni, nge hluleka uku khuluma. Ngathi, jeqe, ngase Nkosini, ngezwa sengathi iya khuluma;

Cishu bashaye emhlolweni, kodwa be hlulekile." Kusho u Shaka

Inkosi yase ipakamisa umkhonto wayo, kwa thula umsindo kwathi cwaka. Aba bulali bema, iza ngoma nazo zema zi soloko zelule izi ngalo zi ngi khombile, abantu aba be baningi kangako babe thule benga sa zama zami, sengathi ba file.

"Ka hleni!" ku sho u Shaka.

"Buyela nga se celeni mfo ka Makhedama", wena okuthiwa ungu menzi wo bubi! Buyela eceleni nawe Nobela, nalabo ohambha nabo, enithi u Mbope ungu menzi wobubi! Nithini na? Nithi ngi nge neliswa ukuba ku bulawe inja ibe nye nje na. Ba nukeni, manqe, khethekani nge zi gaba, ba nukeni! Aku setshenzwe kusese mini, ebusuku "yisi khathi soku dhla!"

Ngase ngi ya sukuma, se ngi mangele, ngema eceleni. Nazo izangoma za ba fazi, zema nga nhlanye, zi mangele, ngenxa yokuba, loko kwenza okunjalo, uma umuntu ese nukiwe kunga zange ku bonwe ndawo. Ngoba, kwa kuthi uma umuntu sezi mushaye nge shoba, abulawe kukho loko. Abantu babe khohliwe nje ukuthi, uku bulala ku yeke lweni na.

Nazo iza ngoma, zazi khohliwe nje ukuthi, kwe nzenjani, za buka inkosi zithi zi zokuzwa isi zathu, pinde alaze lasho lutho iZulu eli Mnyama.

Se ma njalo nga nhlanye, kwa ngena ibutho le sibili, le za ngoma za ba fazi, nazo za be nza ubu ngoma bazo, nje nge zinye. Zona ke za bhula nge yazo indhlela, ngoba ukwenza kwe zangoma azi nuki muntu munye, yileyo inuka owayo, naleyo inuke omunye. Leli butho ke lona, la shaya ubu so be zinye izinduna ze nkosi, zathi yizo eze nze lobo bu thakathi.

"Buye lani nga nhlanye!" isho ku labo asebe nukiwe; nani ese niba bonile ububi babo, yimani na labo aba nuke u Mbope, umfo ka Makhedama. Mhlaumbe bonke ba ne cala."

Kwa ba njalo ke futhi; kwase ku suka ibutho lesi thathu, la nuka enye induna enkulu yempi, nalelo butho futhi, kwa thiwa ali buyele nga nhlanye, nalowo onukiwe kwa ba njalo.

Laze la shona ilanga ku njalo, izi gaba nge zi gaba ze zangoma, ze si fazane zi ba nuka, zi ba shaya nga ma shoba. Kwa se ku ngena iza ngoma zama doda, emuva kokuba zibhule, zi pelele eza be sifazane, nga zi bona nje ukuthi sezi yabona nazo ukuthi, zibekelwe u no xhaka. Kodwa noma kunjalo, ku funeka zenze loko oku shiwo yi nkosi, kuthi noma ze hluleka, ubungoma bazo bunga zi tsheli luto, bese zi khomba nje noma ubani nge nxa yokwe saba u Shaka. Za ba nuka, zaba nuka abantu kwaze kwaba yimpi enkulu yaba nukiwe, ihleli pansi ithule ite cwaka, se iloku ibukana yodwa, ngamehlo ano sizi; bonke beloku be posa amehlo elangeni, sonke sesi li buka sili gcina, lehla kancane liyoshona. Ababe sasele, izinyanga zi ngaka banuki; ba sangana imi qondo, ba guquka baba babi. Ba gxume ba bheke pezulu, badhle imi hlathi, bazi gingqe pansi, Ba khipe izi nyoka emi godini, bazi dhle luhlaza zizwa, ba mbhongoze be biza ama dhlozi abo nama khosi ase ndulo, ukuba izinyanga zinga ba nuki.

Isi gcino, kwa fumaniseka ukuthi, se li zau shona ilanga, se ku bhula isigaba so ku gcina, esa nuka aba lindi be si godhlo sa ma khosikazi. Kwa ku khona insizwa kulesi sigaba so ku gcina, nayo eyi sangoma ende, yona yasilela nge muva, ayaze yabhula, igolozele pezulu ezulwini.

Kwathi lapo, isi gaba so ku gcina, sesi qedile, semiswa nga nhlanye kanye na ba nukiwe, i Nkosi yayi memeza lensizwa, yayi buza igama layo, nokuthi, inge yasizwe sini, nokuthi, yona isale kanjani yodwa, ayibhulanga ngani.

Ya phendula yathi, "Ngi ngu Ndabezimbi ozalwa u Api, Nkosi" Ngi ngo we sizwe saba Qulusi. Kambe iNkosi ifuna ukuba ngi munuke yini lowo amadhlozi angi tshele yena ukuthi uye owenze lesi senzo na.

Yathi i Nkosi, "Ngi sho njalo". Le nsizwa u Ndabezimbi, ya suka ya hambha ya qonda, ya dabula pakathi kwo mkhumbi inga hlabeleli futhi inga benzi ubu cikociko obe nziwa yi zangoma, yazi hambhela nje ngo muntu ezi pumela esangweni lomuzi wakhe, ya fika yayi shaya i Nkosi u Shaka, yamu shaya ebusweni nge shoba, yathi, "Mina ngi nuka iZulu eli pezulu!"

Kwa ba khona oku khulu ukumangala ezi xukwini, zi buka isi pukupuku esi zau bulawa ka bu hlungu u Shaka. Kodwa u Shaka wa sukuma wahleka kakhulu.

"U wena wedwa ku pela oqinisileyo! kusho u Shaka! Wase ethi ku bantu, Lalelani, nina bantu! Yimina enge nze loku! Yimi engi gcobe leli gazi nge sami isandhla, nge nzela ukubona izinyanga zama qiniso ne za manga! Namuhla, ku khanya ukuthi kulo lonke izwe lakwa Zulu, yinye kupela inyanga ene qiniso yile nsizwa—Izi nyanga za manga, ake nizi buke, nizi bale, ziningi zi nganga maqabunga emithi. Ake nizi buke! naziya zimi, eceleni kwazo kumi ezi ba nukile—bengena cala, kodwa sebe lahlwe yicala, ukuba bafe naba fazi babo, kanye naba ntwana babo,

bafe nje nge zinja. Manjena ke, se ngi buza kinina bantu bami, ukuthi, nina nithi angi zenze njani lezinyanga zamanga na.

Ba sho bonke kanye kanye, nga zwi linye, kwa duma yonke indawo bathi. "Aba bulawe, Nkosi!"

"Yebo!" ku sho u Shaka. "Kuhle bafe nje nga bantu aba namanga!"

Ze zwakala izanusi ze silisa ne zesi fazane, za nswininiza, za mbhongoza ka khulu seze saba, zizi ncengela, zizi pala nge zi nzipo, zi fisa ukuzi bulala kunokuba zi bulawe. Inkosi ya ba hleka nje kupela.

"Lalelani nina!" esho ekhombha kitina esi nukwe yi zangoma. Nilahliwe yi lezi zangoma ezi namanga, ukuba nife. Ba dumeleni ni ba bulale bantabami! ba bulaleni bonke! ni ba shanele! ni ba cime! bonke! ni shiye le nsizwa!

Sase si ba sukela, ngoba, sase si ba zonda egazini, si funa uku zi pindisela, ngenxa yobu nzima ababe se thwese bona. Aba lahlwe yi cala, kwaba yi bona aba bulala, aba ba lahlile, kwathi, Ngqokotho! uhleko ku hleka umkhumbi we ngombhoco, abantu bajabula ngoba sebe pumule enkatazweni ye zi nyanga.

Saba bulala saba qeda abangoma, saba shiya sebe yinqwaba ye zi dumbhu. Kwa pela konke uku khala no ku zi ncengela ne zi qalekiso. Izanusi zafa za landela eza zi kade zi ba bulala abaningi. Inkosi ya sondela ukuba ke i buke. Ye za yodwa, kwathi bonke aba kade be bulala izangoma, ba khothama bedhlula pambhi kwayo beyi bonga. Kwasala mina nge dwa ngimi, sengi gcwele udaka no ku ngcola, ngoba nga ngi nge sabi ukuma pambhi kwe nkosi. Wa sondela u Shaka, wabuka inqwaba ye zi dumbhu za ba file, ne fu lo thuli eli pezu kwazo olwalu suka uma siba bulala, lunga ka peli.

"Nampo ke se be lele pansi, Mbope", ku sho u Shaka. Nampo pansi izi nyanga ezi bhule amanga enkosini! Lihle leli zwi lakho, Mbope, ongi tshele lona, ukuba ngi zi cupe izi nyanga; ngi ku bonile we thuka,

lapo leya nyanga yomfazi u Nobela eku tswibila nge shoba lo kufa. Zifile izangoma, izwe lizau ke li pefumule kahle; nabo bonke ububi, ebe zi benza, se bu fana na loluya thuli, masinyane luzau pelela pansi lungabe lusa ba bikho".

Washo njalo ke wase uya thula—kanti se u bona into inyakaza nga pansi kwe fu lo thuli, ya hamba ya dabula ezi dunjini za ba file. Yeza kancane, ihambe igu dhluza izi dumbhu izi gudhluzela nga lapa na nga lapa, saze sayi bona seyimi nge zinyawo, itotoba, iqonde kithina—ye sabeka uma uyi buka. Isimo sayo, ifana nomfazi ose khulile, noma yase igcwele igazi no daka nje ngayi bona. Kwa ku u Nobela, yena owaye ngi nukile, se ngi mu bulele wafa, kodwa esevukile kwa ba fileyo ukuba azo ngi qalekisa!

Wa totoba weza, izinto abe zi gqokile se ku lenga seku ama ntwengu ntwengu, emu zimbheni nase busweni bakhe; ku khona ama nxeba ayi khulu. Ngamubona ukuthi, seu yafa, kodwa seku sele kancane upume umpefumulo, inzondo ibonakala ivutha emehlweni akhe afana na we nyoka.

Wa khuleka, wathi, "Nkosi!" nge zwana eli nswininizayo

U Shaka wathi, "Thula, loku oku namanga!" "Se u file!"

Angi ka fi, Nkosi. Ngi lizwile izwi lakho nela leya nja, ebe ngithi ngi zo yinika izimpungushe zi yidhle, ngeke ngi fe ngi nga ka khulumi. Ngi munukile namuhla ngi nga kafi; manje na ke, nje ngoba se ngi otile, ngi sa munuka futhi. U Mbope lo, uyo ku ku thakatha nge gazi wena Shaka, yena no Nandi, unyoko, beno Baleka, umkakho. U bo wa khumbhula lawo mazwi ami, mhla umkhonto uyo be ubomvu yi gazi, pambi kwakho, nge sikhathi so ku gcina, Nkosi! Sala kahle!" Washo loko qede, wa khala kakhulu, wa shayeka pansi wafa.

Amanga om'thakathi aye sabeka, nokufa kwakhe ku ye sabeka, ku sho u Shaka enga sa nakile, wase

efula thela. Kodwa, lawo mazwi ka Nobela, apelanga enhliziyweni ka Shaka, ika khulu ngoba, aye patha u Nandi no Baleka. Ahlala enje nge mbheu ihleli emhlabathini, akhula aze athela izi thelo nge si khathi sawo.

Ya pela kanjalo ke, ingombhoco enkulu ka Shaka, enkulu ku nazo zonke ezake ze nziwa ezweni la kwa Zulu.

## ISAHLUKO IX

### U KUFA KU KA MHLOPEKAZI

E muva ko ku bulawa kwe zangoma, u Shaka wa beka abantu, ukuba ba linde u nina u Nandi, kanye no mkakhe u Baleka, ongu dade wethu, aba lindi ba mu bikela ukuthi, laba abe sifazane boba bili, bahlala benyenya, beza kwami, ba fike ba gone umfana, ba mange lo mfana engo munye wabantwana bami. U Shaka wase uyawa khumbula ke amazwi a khulunywa u Nobela, isanusi esesafa, inhliziyo yakhe yaba munyama ngenxa yoku ngabaza ukuthi, konje u Nobela ngabe waye qinisile yini. Kodwa waye ngasho lutho kimina ngaleyo ndaba, waye ngange sabi, futhi, enga kholwa ukuthi nginga makhela amasu oku mubulala, mina engi yinja yakhe. Nakhuke futhi owabuye wakwenza, engi ngazi noma waye kwenza nge sihle noma ngo bubi yini. Wangi thuma ukuba ngiye esizweni esikude, esiseduze nezwe lama Swazi ukuba ngiyo bala izinkomo zakhe, ezazi hlala khona, ngi bale nenzalo yazo. Ngamubonga, ngathi ngi zo kwenza loko engi thunywa khona, ngathi ngizo gijima nje nge nja, wanginika amadoda, ukuba ngi hambhe nawo.

Ngase ngi buyela kwami ukuyovalelisa abafazi bami nabantwana bami, nga funyanisa owakwami u Anadi, unina ka Musa, ese gula, ehema, ekhuluma izinto esingazazi akhulume konke okufika emucabangweni wakhe, ngabona ukuthi, uthakathwe khona lapa emuzini wami, yisitha.

Noma kunjalo, kufuneka ngi hambhe ngi yosebenza umsebenzi we Nkosi, nga mutshela umkami u Makhoba unina ka Nada. Nokuthi, sekukhona umcabango wokuthi u Mhlopekazi yi ndodana ka Shaka. Ngathi uma ngi mutshela u Makhoba lendaba, wakhala izinyembhezi, wabambelela kimi, ngabuza ukuthi ukhalelani kangaka na, wathi kukhona into embhi ayi bonayo enhliziyweni yakhe, ukuthi, uma ngizohambha ngimushiye emzini ka Shaka, uqinisekile ukuthi, uma sengi buya, ngiyo funyanisa, yena no Nada umntanami, no Mhlopekazi, okwakuthiwa uzalwa yimi, nami ngi mu thanda njenge ndodana yami, bengasekho bonke. Kwathi uma ngithi ngi yamuthulisa ngabe ngi muqhubela pambhili ukuba akhale kakhulu, ethi uqonda kahle ukuthi; loko akushoyo, kuyo kwenzeka.

Ngamubuza ke ukuthi, po kuzokwenziwa njani, nami sengizwa ngi nosizi, uma ngi mu bona ekhala izinyembezi, sengi bangelwa na ububi lobo owayebesaba.

Wathi ngi thathe uhambhe nami ndoda yami, nami ngi pume kulelizwe elibi, igazi lakhona eli chitheka njengo buningi bamaconsi emvula, ke ngiyo pumula kancane ku bantu bakithi, kuze kupele ukwesaba u Shaka.

Ngathi, po, mina nginga hambha kanjani nawe na. Loku amukho onga puma lapa emzini we Nkosi enga vunyelwanga iyo na.

Wathi, indoda ingamulahla nje umfazi wayo, i Nkosi ayiyi ngeni indaba yendoda no mufazi wayo. U bokuthi wena, ausangifuni ngoba angisazali, uthi, seungibuyisela lapo nga vela khona. Siyo buye sibonane nje thina uma sisapila.

Ngathi, kulungile. Wena ke, ubo puma no Nada no Mhlopekazi lapa ekhaya namuhla ku sihlwa, si hlangane odongeni lwo mfula ku sasa ekuseni, nge muva kwa loko ke; sesi yo thembhela ema dhlozini awo baba ukuba asi londoloze".

Sa valelisana ke, u Makhoba wa ba thatha abantwana weqa nabo.

E ku seni, nga ku sasa, ngawa biza ama doda enga ngi wa nikwe yi nkosi, ukuba ngi hambe nawo, sa hamba. Sa fika odongeni lwo mfula, ilanga seli pezulu, nga mu funyanisa ese khona owa kwami u Makhoba naba ntwana bakhe boba bili. Bathe uku ba bangi bone, ba sukuma, ngamu nyukubalela, akabe esa ngi bingelela. Na laba enga ngi hambha nabo bamu buka ka nswempu.

Ngase ngi yaba tshela ukuthi, sengi malile lomfazi, ngoba, "Seku ku dala futhi se ku pelile, ngi hambha naye ngi mu buyisela ezweni lama Swazi lapo apuma khona". "Musa uku khala", ngi sho ku Makhoba, "Ngi ya gcina uku khuluma nawe".

Abuza la ma doda athi "Itheni i Nkosi na". Ngathi ngi yo yi tshela. Sase siya hambha njalo.

Manje na ke ngi zo ku tshela ukuthi wasi lahlekela kanjani u Mhlopekazi, oyi ndodana ka Shaka, owaye se kulile, esezau ba yindoda, ethukuthela kabi, ese mkhulu kanti yena use yingane nje, ekule ngomzimbha.

Kwa se ku pele ama langa ayisi khombhisa si hambha, ngoba kwa ku kude, ku sihlwa nge le si khombisa i langa, sa fika ezweni lezi ntaba, imizi ya khona iyi ngcosana, ngoba yayi bulewe u Shaka nge si khati esi pambhili. Mhlaumbhe uyayazi leyondawo baba, yintaba enkulu ema ngalisayo ekakwe yizi ntaba. Ine mi khovu, ne gama layo ku thiwa, yi Ntaba ye mi khovu, pezulu kwayo, kukhona isi qongo esi mpunga, esi fana ne khanda lomfazi ose khulile. Iyona ke, leyo ndawo esa si zolala kuyo ngoba kwa se ku hwalala. Ku se njalo sase siye zwa ukuthi ku khona ama bhubesi ama ningi kuyo yonke leyo ndawo ema tsheni, sa wezwa e bhodhla sase siye saba kabi, owa yenge sabi lutho u Mhlopekazi kupela. Sase sakha isi honqa sa mahlahla ameva, sa hlala pakathi si yi pethe nge zandhla imi khonto si lungele. Ne nyanga ya shesha ya puma, ngoba ya yisi hlangene, kwa ba

omkulu unyezi, kwa khanya yonke indawo. Kude bu duze na lapo sasi hlezi khona, kwa ku khona isi wa, pezu kwaso ku khona umhume, kulo mhume kuhlala ama bhubesi ama bili ne zinyane lawo. Kwathi lapo unyezi ese balela, sawa bona ama bhubesi epuma ema pezu kwe siwa, ena mazinyane amabili ama ncane edhlala nje nga ma kati ama ncane, uma sasi nge sabi, sasi yo bukela kahle.

Wathi u Nada, "Hau! Mhlopekazi", sengathi ngi nga thola omunye umntwana we bhubesi abe yi nja yami.

Wa hleka nje umfana wathi, "Kepa, uthi angi yo ku thathela omunye yini dadewethu na.

Ngathi mina, "Thula, mfana", "U muntu oke wa thatha abantwana ba ma bhubesi ange pile".

"Aya thathwa baba", esho ehleka, Kwagcina nga loko ke.

Sase sibona unina wa bantwana, ese ba thatha ngomlomo, eba buyisela emhumeni. Wa buye wa puma, ase aya hambha ama bhubesi omabili eyo funa ukudhla, sase si we zwa e bhodhla kude. Sa basa omkhulu umlilo, sase silala khona esi honqeni sethu sa meva, si ngase sabi ngoba sibona ukuthi, ama bhubesi ase kude adhla izinyamazane.

Kodwa u Mhlopekazi alalanga, ngoba yena wa ye funa ukuyo thathela u Nada izinyane le bhubesi, owa yethe uya lifuna, ngenxa yobu ntwana nobu wula, u Mhlopekazi aqondanga ukuthi, uma enga yo thatha umntwana we bhubesi, angabe usi faka engozini sonke.

Waye nge sabi lutho, uma u Nada eke wathi uthanda into; ube nga pumuli u Mhlopekazi enga yi tholanga leyo nto ayi lethe kuye. Njaloke, sathi silele, wa nyenya u Mhlopekazi nje nge nyoka othangweni lwa meva, epethe umkonto, waya khona pansi kwe siwa, eya emholweni wa ma bhubesi. Wa fike wa khwela esi weni waze wa fika emholweni wa ma bhubesi, wa ngena, wa funa pakathi. Wakhwela pezu kwe zi nqwaba zama thambho ezi nyamazane, lapo zi dhle-

lwa khona, ba muzwa abantwana be bhubesi, beza kuye bethi unina seu fike no kudhla, be hambha be nswininiza be ndondandonda. Wa ba bona ngo ku cwazimula kwa mehlwana abo, waya kubo. Wa fike wa mu thatha omunye, osalayo wa mu bulala ngoba enge naku bathatha boba bili. Wa shesha wa puma eputhuma ukuba kungaze kubuye ama bhubesi, wa fika esihonqeni sethu samahlahla ameva, lapo ku sayo.

Mina ngangi vuke lapo kusazo kusa ngema, ngibuka ngapandhle. Kanti nangu, u Mhlopekazi emsamo esihonqeni, emi, ehleka. U mkhonto wakhe eubambe nga mazinyo, uconsa igazi, epethe izinyane le bhubesi nge zandhla, likhala lizubazuba, elibambhe ngesikhumbha entanyeni nange milenze yangemuva eli lengisile.

Ethi vuka dadewethu, nansi inja oyifunayo. Iyaluma, kodwa izobuye ithambhe nje.

Wa vuka u Nada, wajabula uma ebona umntwana webhubesi ngathula nje ngisalibele ukumangala.

Ngathi kuye, "Lesi sithuthana!" yeka lowo mntwana webhubesi ahambhe, kungaze kufike ama bhubesi asidwengudwengule khonamanje.

Wathi, angifuni, baba, esho ngoku thukutela, ingani siyi sihlanu sihlome imikhonto na. Singaze sehlulwe amakathi amabili nje kupela na. Ingani mina ngiyile emgodini wawo ngi ngedwa, ngingesabi.

Ningathi ninonke nesabe ukubhekana namabhubesi obala na.

Ngathi, U yahlanya, Yeka izinyane lelo lihambhe Ngagijima ngaya kuyena ngifuna ukumubambha ngi mepuce, Wabaleka nalo.

Wathi, ngeke ngili yeke lingafile sengili tholile, wase ulibambha nge khanda wali sonta intamo, wali lahla pansi, wathi, aubonike baba se ngi kwenzile uku sho kwa kho!

E sa khuluma sau zwa umbhongo emhumeni esi weni. Athi ukuba abuye ama bhubesi afunyanisa elinye izi nyane lifile, elinye linga sekho.

"E si honqeni! - emuva, esi honqeni!" kusho mina, sa gxuma se qa ama hlahla a meva sangena kwaba ubu xhaka xhaka imi khonto, sesi hloma si qhaqhazela, sigodoliswa ama khaza ase ku seni. Sithe uma sibheka khona lapaya pezulu esi weni, sawa bona amabhubesi, eza nga ma jubane ngo mkhondo wo muntu owa thathele ama zinyane awo. E le ndoda li pambili li landelwa ele nkomazi, li bhodhla, ele nkomazi linga bhodhli, ngoba ngo mlomo lali pethe izinyane eli file, elali gwazwe uMhlopekazi e mhumeni. Asondela ama bhubesi ese thukuthele evutha, ese vuse imihlwenga, etshikiza amashoba awo amade.

"U fanelwe yi nhlambha wena nje nge si thutha, mfana ka Mbope", ku sho enye indoda engangi hambha nayo, isho ku Mhlopekazi; ngi zo ku shaya kuze ku pume igazi ngaloku ku ganga kwakho".

"U bo qala ngoku shaya amabhubesi ku qala, ubuye ke uzo shaya mina ingabe unga ngi shaya yini", ku pendula umfana, unga qali ngo ku ngi thuka unga ka wa shayi ama bhubesi nami "unga ka ngi shayi".

Amabhubesi ke, manje, aye se sondela ese se duzenathi; eza ezi nyaneni lawo elifile, u Mhlopekazi owa libulala wa li ponsa nga pandhle ko thango lwa meva. E le nkunzi lafika lema lali nuka. La bhodhla, Hauf la bhodhla ke khona, lasho kwa zamazama umhlaba. E le nkomazi, la mubeka pansi elali fike limu phethe ngo mlomo, ngoba lali nge na ku ba patha boba bili ngomlomo.

"Buyela emuva kwami wena Nada", kusho u Mhlopekazi, esho evivinya umkhonto, "I bhubesi seli funa uku gxuma".

E sa sho njalo nje, enga ka li gwinyi, inkunzi ye bhubesi yase i shona pansi isi lungela uku gxumela emuntwini. Masinyane la suka lasukisa okwe nyoni, sali bona seli pezulu emoyeni liza kithina.

"Li hlangabezeni nge mikhonto!" ku sho u Mhlopekazi, nempela, nje ngoku sho ko mfana sa buyela ndawonye, sa misa imikhonto yaba yisi xhobo ya-

bheka pezulu ya khongozela ibhubesi, nempela lafike lazi chwaneka kuyo, ya ngena yathi shiqe; lathi, fulukuhlu, pezu kwethu, lisi galela ngezi dhladhla zalo, li pebeza ne mikhonto, li bhodhla sele nziwa u buhlungu na uku thukuthela, lasi wisela pansi sathi, watalala. Lona lathi nje, gumbhuqu lase livukile, la libala uku luma imikhonto eyayi sesi fubeni salo. U Mhlopekazi yena a wanga, ngoba lathi ukuba li dilikele pezu kwe thu, yena wa qhasha wa buyela eceleni, enza isu lakhe, samuzwa ese khuza isaga, wa lisho ka khulu emhlabankomo ngo mkhonto, walithi, mbhe, la vuma pansi ngo mgqumo wo kufa la pangalala.

Konke loko kwenzeka njalo nje, ele nkomazi limi nga pandhle ko thango, li pethe izi nyane lalo elifile ngo mlomo, elili funyanise nga pandhle kwe si honqa, ku nga sa vumi ukuba liba shiye abantwana balo. Kodwa, kuthe, ukuba li uzwe umgqumo wokufa wo mngane walo, lali lahla pansi izinyane elifile, la lungi sela uku gxuma. Kwaba u Mhlopekazi yedwa owema wa bhekana nalo, ngoba futhli, uyena yedwa owa wu donsa wawu kipha umkhonto wakhe ebhubesini elifile le nkunzi. La suka nje ngo moya liya ku mfana, owayemi ese thule ethe du, nje nge tshe, ukuba ba hlanga bezane. La fike lazi choma emkhontweni wakhe, wa ngena wathi, nya, we phukela khona, wa shayeka pansi u Mhlopekazi, waba nga pansi kwe nqwaba ye bhubesi nje ngo sefile. La vuka isi juqu som'khonto sivele esi fubeni salo, lamu nuka li mu mfumfutha nge khala, sengathi liyazi ukuthi uye, lo, olepuce abantwana balo, la muthi khamfu, ngo khalo la hlanganisa no mu tshana wakhe ngomlomo, la gxuma la ye la hlala nga pandhle ko thango naye li mu phethe ngo mlomo.

"Hau, mu lamuleleni bo", ku sho u Nada ngezwi lo ku khala. Sa gijima si landela i nkomazi ye bhubesi, si memeza.

La fike lema isi khashana pezu kwama zinyane alo efile, u Mhlopekazi elenga emlonyeni walo, kwaba

sengathi liya mangala uma li ba buka; saba nomcabango wo kuthi mhlaumbhe lizo mudedela. Lithe ukuba li zwe umsindo wethu, la baleka la qonda ehlatini, li pelhe u Mhlopekazi ngo mlomo. Sadumela imi khonto yethu sali landela; sa sheshe sa fika ematsheni, sa funa sa funa; nya, ibhubesi no Mhlopekazi. Sa buyela emuva, inhliziyo yami yaba buhlungu kabi ngoba nga ngi mu thanda ka khulu lo mfana, ngi mu thanda sengati uzalwa yimi. Nga bona ukuthi seu file seku pelile.

"U pi u mfowethu na". ku buza u Nada lapo sesi buyile. Ngathi, "Asekho" Aseu pinde abonakale okokupela.

Intombazana ya khala kabi, yazi wisa pansi yathi, sengathi nami ngabe ngi fe naye umfowethu.

"Asi hambe", kusho u Makhoba u m'kami. Yathi enye indoda esi hambha nayo ku Makhoba "Aunazo yini wena izi nyembhezi zoku khalela umntanakho na".

Wathi u Makhoba, "Kusizani uku khalela isi dumbhu; uku khala kuzo muvusa yini na. "Asi hambhe!"

Ya mangala le ndoda izwa u Makhoba ekhuluma kanje, ingazi ukuthi u Mhlopekazi azalwa u Makhoba.

Sa hlala ku leso si honqa nga lelo langa saze salala khona, si ne thembha loku thi, mhlaumbhe ibhubesi lizo buyela emhumeni walo, sili bulale. Kodwa ali pindanga li buye. Nga ku sasa sa bopa sa hambha, sidabukile. U Nada yena, wa ye nosizi olukhulu olwamenza waba buthakathaka we hluleka na uku hambha, kodwa apindanga wali patha igama li ka Mhlopekazi endhleleni.—Nami futhi kwaba njalo, kodwa kwa ngi mangalisa ukuba ngisindise u Mhlopekazi ekubulaweni yi Ngonyama ye Zulu, kodwa ayodhliwa yi nkomazi ye ngonyama yase ndhle.

Sa hambha ke saze sa fika emuzini engi thunywe yi nkosi kuwo, lapo sasi zo kwe hlukana khona nowa kwami.

Kusa nga kusasa sa valelisana ngo ku thandana si sodwa ku nga boni muntu, kanti, kuthi uma ku

khona abantu, si shalazelane, kwaba sengathi asi se yu ku pinda sibonane, nje ngo ku cabanga kwethu, na nge mpela kwa ba nje ngo ku cabanga kwethu. Ngase ngi muthatha u Nada ngi yo khuluma naye yedwa, ngathi. Se si ye hlukana ke lapa mntanami; nami angazi ukuthi siyo pinde sibonane nini, ngoba izi khathi zimbhi ukuba ngi ze hlukanise nani; ngithi ngi sindisa nina. Wena Nada seu zoba umfazi, futhi, uzokuba muhle kakhulu wena, kunabo bonke abe si fazane ba kithi, mhlaumbhe ku nge nzeka ukuba, ufunwe abantu a baningi aba khulu, ukuba uba gane, nami, mina yihlo, mhlaumbhe ngi yoba ngi ngasekho ukuba ngi ku khethele ofanele ukuba yi ndoda yako, nje ngo mthetho we zwe lakithi. Kodwa ke, ngi ya ku tshela, ukuthi uma ku nge nzeka, ubo gana lowo othandwa yinhliziyo yakho, ube ngu mfazi wakhe othembhekile kuye yedwa, ngoba, inhlala kahle yo mfazi endodeni yakhe, ithola kala ka njalo".

Nga gcina lapo, –. Wathi, "sale seu thula baba", musa uku ngi pathela indaba yo kwe nda, ngoba angi soze nge nda mina, ngoba ufile u Mhlopekazi ngenxa yo bu thutha bami. Ngi zo hlala nje ngi nge ndi, ngize ngi fe. Hau sengathi ngi nga shesha ukufa, ngi zi hambhele ngi zi yele ku lowo engi mu thandayo yena yedwa.

Nga thi "Ca, Nada," u Mhlopekazi be ku u mfowenu, akufanele ukhulume kanjalo ngaye noma esefile nje.

"Angi kwazi loko oku shoyo, baba" mina ngi khuluma engi kutshelwa yi nhliziyo yami, ingi tshela ukuthi be ngi mu thanda u Mhlopekazi esapila, noma ese file nje, ngi yo muthanda kuze kube se ku peleni. Wena u ngibona ukuthi ngi se yi ngane, kanti inhliziyo yami yi nkulu, ayi ngi tsheli amanga".

Nga ku yeka uku mthethisa, ngoba ngi kwazi ukuthi, u Mhlopekazi waye nge siye owa kwabo, naye nje waye nga mu gana. Kodwa nga simze nga mangala nje, ukuthi, ukwazi ka njani nje ngoba ku njalo noku ngu mthetho akwazi ukuthi aku siwo.

Musa ukuba ubuye uli pathe igama li ka Mhlopekazi", kusho mina ngoba seu file, noma unge naku mu khohlwa, kodwa, musa uku pinda upathe igama lakhe, ngi ya ku ncenga mntanami, ukuthi noma singa sa bonani, ubo hlala ungi kumbhula, ngi ya ku thanda mntanami, u khumbhule na magama engihlala ngi ku yala ngawo. Izwe leli, liyi hlane eli na meva mntanami imvula yakhona yi gazi, si yazula nje ngezi hambhi ezi hlupekile enkungwini, anga zi nje nami ukuthi sihambha nje kwe nze njani. Kodwa siya fika isi gcino sakho konke be se siyafa, simuke lapa, amukho owa ziyo ukuthi uma sesi file si shonapi. Mhlaumbhe lapo siya khona, abukho ububi ku khona ubuhle bodwa, nalabo ababe thandana emhlabeni, ba fike ba thandane ka khulu ema zulwini; ngoba ngi ya kholwa ukuthi uma umuntu efa aku bisiko uku pela kwakhe „loko, ubuya abe uye futhi kwa Nkulunkulu—. Yiba ne si bindi ke mntanami, ngoba uma ku nge njalo ke, u suke elele—. Sala kahle ke."

Sangana, se hlukana, nga ba buka boba bili umkami u Makhoba no Nada indodakazi yami, baze basithela nge ndhlela eya e Swazini, nga dabuka ka khulu, ngo ba se ngi la hlekelwe u Mhlopekazi, okwati nge muva kwe si khati wa bizwa ngokuthi u Mbulali nokuti Isiqopamuthi.

## ISAHLUKO X

### U ku thethwa kwe Cala lika Mbope

Nga hlala ama langa amane emzini lapo nga ngi thunywe khona ngi sebenza umsebenzi we nkosi. Nge langa le sine, nga vuka nalabo enga ngi hambha nabo, ama bombho sawa bhekisa emzini we nkosi. Kwathi singa ka bi kude, sa hlangana ne dhlanzana lama butho, afike asi misa.

"Kwenze njani nina be Nkosi na."
ku buza mina nge si bindi:

Athi ama butho, "Yi loku, mfo ka Makhedama." "Si nike umkhako u Makhoba naba ntabako o Nada no Mhlopekazi, si benze loko esi ku thunywe yi Nkosi kubona."

Ngithi, "U Mhlopekazi," se waya lapo iNkosi ingase naku mthola khona, ngoba seu file; u mkami u Makhoba ne ndodakazi yami u Nada, namhlanje se be le, emi pandwini yama Swazi, iNkosi, ingaba landa nge mpi uma iba funa. U Makhoba yena angi na ndaba naye ngoba, se ngamu xosha ngi ya muzonda, intombazana yona, angazi, loku maningi amantombazana asi lutho noma ipilile noma ifile, kodwa noko ngifisa se ngati i Nkosi inga yi yeka.

Nga sho njalo ngo ku ngabi na ndaba, ngi sho ngoba ngazi ukuthi, umkami no mntanami seba kude lapo u Shaka engase naku bathola khona.

Wenza khona uku cela impilo yentombazana," kusho elinye ibutho, li hleka, "ngoba bonke aba zalwa uwe sebe file, kusho iNkosi yathi aba bulawe."

Impela kunjalo na. Ngi sho ngo moya opansi, kanti njalo ama dolo ami aseya gedezela, nolimi lwami lwathi paqa emlonyeni.

I Nkosi yenze nje ngoku thanda kwayo. Uthi olusha luya hluma; Ngi yo buye ngi ba zale abanye aba ntwana."

Yebo, Mbope; u zo qala ngo ku funa aba nye a bafazi aba sha, ngoba a bakho nabo ba file futhi, bonke, boba hlanu."

Impela kunjalo na." "I Nkosi ayi zenzele nje ngo ku bona kwayo, ku sho mina, nga khathazeka ka khulu, nga labo ba fazi bami, ababe hlala ngo ku xabana."

"Ku njalo, Mbope," ku sho ibutho; uku thatha abanye aba fazi, uzale abanye abantwana, ku nga ba kuhle uma wena upilile, unga file, ngoba, abakho a bantwana ongaba zala, uma u su file, ngoba ngi ya bona ukuthi u Shaka seu ku linde ngomkonto."

Ngithi, "kunjalo na." INkosi ayi zenzele nje ngo ku bona kwayo. Ilanga libalele, kuya shisa, sengi khathele uku hambha. Ogwazwa ngomkonto ulala athi nya."

Nga khuluma ka njalo ke baba, impela, ngaleso si khathi ngangi fisa ukufa. Ngangi nga se nalutho emhlabeni. U Makhoba no Nada sebe hambhile, u Mhlopekazi ese file, na banye aba fazi bami na ba ntabami, se be bulewe. Ngangi nga se nayo inhliziyo yoku ba ngi buye ngivuse umuzi, se ngi sele nge dwa, seku bonakala nje ukuthi, nami angi sale se ngi fa.

Ama butho abuza ema dodeni engi hambha nawo, ukuthi, lendaba engi wa tshela yona, iyi qiniso yini na. Ukuthi u Mhlopekazi ufile, nokuthi, u Makhoba no Nada se base Swazini na, athi yebo, ku yi qiniso, aye sethi ke ama butho azo hambha nami angi yise e Nkosini, kwa ngi mangalisa loko ngoba, ngangi cabanga ukuthi, azo ngi bulalela khona lapo ngimi khona. Sa hambha ke, si hambha; nga yizwa yonke indaba eye nzeke emzini we Nkosi.

Kwa ku the, mhla ngi puma emzini ka Shaka, ngiya lapo ngi thunywe khona, we zwa u Shaka nge zi nhloli zakhe, ukuthi, u Anadi, umkami wesi bili, uya gula, uya hema. Wase ehambha na ma butho ama thathu, waya emzini wami eku shoneni kwe langa. Wa fike wa wa shiya esangweni lomuzi, wa wa tshela ukuthi, aku nga ngeni futhi ku nga pumi muntu ekhaya, wa hambha u Shaka wa yo ngena endhlini lapo ku gulela khona u Anadi, eu pethe lo mkontwana wakhe omncane owa u piselwe othini lomuthi obomvu opathwa ama khosi. Kanti lapa endhlini, ku khona u Nandi, u nina ka Shaka, no Baleka, udade wethu oyi nkosikazi ka Shaka, ngoba bona babe nga zi ukuthi u Mhlopekazi umntaka Baleka ngi hambhe naye, lezi zi pukupuku ezimbhili zaba fazi, zazi zo dhlalisa umntwana, ngoba zase ze jwayele ukwenza njalo. Ngaleli ilanga za funyanisa ku gcwele abanye aba fazi endhlini, kanye na bantwana, baba khipa bonke, kwa sala u

Musa umtaka Anadi egula u Anadi, lowo mntwana u Musa, waye mudala nge zi nsuku ezi yisi pohlongo ku no Mhlopekazi ozalwa u Shaka. U Musa, bathi ahlale endhlini, base beloku be mu qabula, be mupa imfe be saba uku thi bazo thini laba bafazi uma ku zothi ngoba u Mhlopekazi amukho bangabi na nda ba nezinye izi ngane.

Bathe be sa hlezi kwathi, zibe, e mnyango, kanti ku ngena yona inkosi uqobo lwayo, yaba bona be dhlalisa umntwana u Musa. Bathe ukuba ba bone ukuthi, yi Nkosi le engenayo, bazi lahla pansi bayi bonga. U Shaka wasimze wathi uku sineka kalu khuni, wathi, aba vuke ba hlale. Wase ethi ku Nandi no Baleka umkakhe.

Ni yamangala ukuthi ngi zo kwenzani lapa endhlini ka Mbope ka Makhedama. Ngi zoni tshela ke; ku nge nxa yokuba amu kho, ngamu thuma, ngi zwile ukuthi, umkakhe u Anadi, u yagula – uye yini lo, olele pansi na. Nje ngoba yimina inyanga enkulu ezweni ngize uku zo melapa, Nandi, mame, nawe Baleka dadewethu".

Wa khuluma ka njalo ke, eba buka boba bili, e chatazela ugwayi eku dhleni ko mkhonto, ebhemela khona, kwathi ingani ukhu luma kahle, ba suke ba qhaqhazela be saba, ngoba u Shaka, ube ba qeda abantu ekhuluma kahle nje. U Nandi unina we Zulu wathi yenze kahle i Nkosi ukuba ize, ngoba, umuthi wayo uzo kwenza lo, ogulayo athole uku pumula no ku thula.

Wathi, "Yebo" kunjalo "Kuhle kakhulu mame, nawe dade wethu ukuni bona ni qabula lowa mntwana. Impela uma enga zalwa yinina ngabe ani muthandi kangaka".

Ba pinda ba qhaqhazela futhi, ba fisa ka khulu ezi nhliziyweni zabo sengati lo mfazi ogulayo, u Anadi, angalala anga vuki akhulume loku ku bheda kwakhe. Kodwa aku banga nje ngo ku fisa kwabo, ngoba waba

seu yavuka u Anadi, ezwa izwi le Nkosi, ukugula kwakhe kwa mutshela ukuthi, lo Musa uyena u Mhlopekazi umntan'e nkosi.

Wathi, "Ha!" esho evuka ehlala pansi, ekhombha umntanakhe u Musa, owa ye hleli khona endhlini encike obondeni, esaba. "Mange, pela, Nina wama Zulu, mange! Konje bathi, uyi zinyane le Nkosi eli letha umhlola ezi ndhlini zethu na. Bathi konje uzalwa u Mbope no Makhoba!" Wase ehleka ka khulu, wathula wa buyela pansi, wa lala ezi ngu tsheni zakhe zezi khumba.

Wakhulumela pansi u Shaka, wathi, "Ku thiwa uzalwa u Mbope no Makhoba",

"Kanti uzalwa ubani mfazi ndini na" "Hau, musa ukumbuza Nkosi, ku sho unina ka Shaka no mkakhe, besho bezi lahla pansi pambi kwake, sebe hlanyiswa ukwe saba. Musa uku mbuza, upambhene ingqondo nawe uyamuzwa. U thakathiwe, uya pupa abhede."

Wathi u Shaka, "Tulani!" Ngi funa u kuzwa oku khulunywa yi lomfazi. Mhlaumbe likhona iqiniso ekubhedeni kwake engingalithola. U bani yena lowo mfazi na.

"U bani na." Kusho u Anadi. Kanti uyisilima yini wena osabuza ukuthi, ubani.

Sondeza indhlebe yakho lapa kimi ngi ku nyenyezele, ngoba uma ngi khuluma kakhulu, buzo kuzwa utshani bendhlu, bese buyayi nyenyezela inkosi. Igama lakhe u—uyezwa na. U yindodana ka Shaka no Baleka udadewabo ka Mbope, isiqalekiso esa lethwa u Nandi unina we Zulu, okuyothi uma izwe selidiniwe ububi be Nkosi, indodana ka Baleka isithathe isikhundhla sobu khosi.

„Amanga lawo Nkosi!" kusho u Nandi no Baleka. Musa uku mulalela; una manga ngoba, u Musa lo, amushoyo, umntanakhe, asa muboni ngoba uyagula.

U Shaka wasukuma endhlini, wa hleka kakhulu, wathi: Impela u Nobela waye qinisile, ngona ngoku mubulala, wathi ku Nandi, yibo lobu buqili ongenzela bona mame na. U ngi bekela indodana ukuba ize

ingibulale. Kulungile mame wena ozala iZulu, yemukela izulu elikunqumela khona, wena ongi bekela indodana ukuba ingi bulale kubuse yona esikhundhleni sami, mina ndodana yakho, ngi zo lahlekelwa umame. Nawe ke Nandi, yi fa—yi fa ubulawe yi sandhla esapuma esiswini sakho. Wawu pakamisa u Shaka umkhontwana wakhe omuncane, wamu gwaza unina. Wema nje u Nandi ethule engakhali, unina we Zulu, inkosikazi ka Senzangakhona, waubambha u mkhonto wawu donsa wawu khipa ohlangothini lwakhe.

Nawe futhi uyau kufa, Shaka o Mubi!" kusho u Nandi, wawa pansi wafa pakathi endhlini.

U Shaka wa mubulala kanjalo ke unina u Nandi.

Wathi ukuba u Baleka aku bone loko, wa baleka wa puma endhlini, wa qonda e mposeni, wa gijima kangango kuba, ababe linde esangweni abakwazanga uku mumisa. Kodwa wathi ukuba afike endhlini yakhe, wa pelelwa amandhla, wa wa pansi. U mntanami u Musa, wa pelelwa yisi neke ngenxa yo kwe saba, wahlala khona lapo endhlini, u Shaka wa kholwa ukuthi, nempela uzalwa uye; nje ngo kusho ku ka Anadi, wamu bulala naye futhi, ebulawa uye u Shaka uqobo lwakhe nge sakhe isandhla.

Wa puma e ndhlini wa hambha, ama butho ama thathu, wa wa shiya e sangweni, wase ethuma impi ukuba iyo vimbhezela umuzi ka Mbope, i wu shise. Nembhala Yau shisa, abathi baya puma baya baleka ya ba gwaza impi, yaba bulala. Bafa kanjaloke abafazi bami bonke, kanye naba ntwana, nezi chaka zami, kanye nabanye ababe se mzini wami ngaleso si khathi, kwaba njengo kusha ko muthi ozalela izi nyosi, kwa sala mina ngedwa kupela, ngoba mina, no Makhoba no Nada sasi nge kho si kude.

Kodwa noko u Shaka ake neliswanga yilelo gazi, nje ngoba sengi shilo pambhili ukuthi wa be seu lhumela izithunywa ethi azi yo bulala u mkami u Ma-

khoba no mntanami u Nada, nalowo owaye bizwa ngokuthi, uyi ndodana yami, mina kwa thiwa angi ngabo bulawa, kodwa ngi bo lethwa kuye.

E ku boneni kwami ukuthi, ama butho angi bulali, nga cabanga, ngoba nga bona ukuthi, noma ngi sa ye kiwe nje, ngizo buye ngi bulawe nge ndhlela embhi.

Ngabona ukuthi ku ngcono ngi zi bulale, kunokuba ngi bulawe umuntu. Yini engi sazo yilindela, loku se ngi ose nqunyelwe ukuba ngife na. Ngi sazau pilela ukwe nzani, loku bonke ebe ngi ba thanda aba sekho na. Kulula ukufa, ngoba ngi yazazi izi ndhlela zo kufa. E si pandhleni sami: kwa ku khona umuthi oyi mfihlo, okuthi uma umuntu eke wau dhla, baba, linga shoni ekhona. Izi nkanyezi anga pindi azi bone. Ngangi nga ku khathalele nje uku bulawa ngo mkhonto, noma yi nge wisa; ngi sho na ku bulawa nge mi mese ngi puze ukufa, noma ngi shiswe ngi zwe ubu hlungu bo koma, noma ngi xhoxhwe amehlo, ngize ngi fe ngi nga boni. Kwa ku njaloke na nga muhla sengi hlezi emkhumbini we ngomboco, sengi nukwe yizi nyanga, lomuthi wau khona nga ngi wupethe ngi nawo imini no bu suku. Impela namuhla, yiso isi khathi soku wu sebe nzisa.

Nga cabanga ngi hlezi bonke ubusuku, yebo! nga ze ngau khipa lo muthi obabayo ngau beka olimini, sengi funa uku wudhla ngi zi bulale ngawo; kuno kuba ngi yobulawa u Shaka ka buhlungu. Ngathi ngi sau beke olimini, nga khumbhula indodakazi yami u Nada, okwase ku uyena yedwa oseleyo, noma ese zweni elikude. Nga khumbula nowa kwami u Makhoba, kanye no dadewethu u Baleka, okwa ku yibona ababe sasele, nje ngo ku sho kwa mabutho aye ngi hlangabezile, angi qondanga ukuthi, u Baleka yena wa sala kanjani uma ku bulawa abanye. Kwa buye kwa fika omunye umcabango enhliziyweni yami, wo kuthi; nje ngoba ngi se khona angi kafi; ngi nga zi pindisela nami kuye ongi bangele lolu sizi; ngoba uma ngi zi bulala manje, ngi nga zi pindisela ka

njani sengi file na. Loku, noma aba file, be nazo izi nhliziyo, abanazo izandhla zo ku zi pindisele. Cha, angi nga zi bulali. Kuhle ukufa kuzi fikele kona. Isi khathi sami soku fa si yo shiwo uye u Shaka. U kufa aku pendulwa, ku yazi khethela; aku vulelwa emnyango ukuba ku ngene, kodwa, uma ku thanda, ku fohla utshani kungene endhlini nje ngo moya. Ake ngi wu yeke lo muthi wami.

Nga sinda ke baba, ama butho angi bu yisela emzini ka Shaka. Safika seku hlwile ekhaya, ngoba ilanga la shona si ngena ema sangweni. Kwathi, ingani seku hlwile, induna, okwa ku thiwe ibo bika uma se ngi fikile; ya hambha yayo bika ukuthi, sengi khona, ngi pandhle ngi boshiwe. Yathi i Nkosi, "Mu letheni lapa kimi, inyanga yami, yi khona ngi zo mutshela ukuthi, abe ndhlu yakhe ngi be lape kanjani".

Ba ngi thatha ke ba ngi yisa endhlunkulu, ba ngi sunduza bengi nge nisa em'nyango wendhlu.

Kwa ku khona umlilo, uvutha endhlini, ngoba kwa ku ma khaza, u Shaka ehlezi nga le kwo mlilo, ebheke em'nyango, epakathi kwe ntutu, amehlo akhe, asabekayo ekhanyiswe umlilo kanye no buso.

Izi nduna zakhe, ezazi hlezi ngase mnyango za ngi bambha, za ngi donsela e mlilweni, nga punyula nga zi bhalakaca pansi, ngabonga iNkosi nga magama ayo obu khosi. Izi nduna zangi sukela zi funa uku ngi bamba futhi, kodwa u Shaka wathi, "muyekeni; ke ngi khulume naso lesi si chaka sami". Zangi yeka, za mu khothamela nga lapa na nga lapa kwakhe, za khothama amabunzi azo athintha umhlaba, izandhla zi se zi ndukwini zazo, ngase ngi hlala pansi ngi qondene ne Nkosi, sa khulumela emlilweni.

Wathi u Shaka, "Ake ungi tshele izi nkomo engi ku thume zona, ukuthi zingaki m'fo ka Makhedama" Imbhala abantu bami bazi pete kahle nje izinkomo zami na.

Nga pendula ngathi, "bazi pethe kahle Nkosi".

"Ngi tshele ke ukuthi zi ngaki kanye ne mibala yazo,

Mbope, uzi bale zonke".

Nga susa pansi ke, ngi mu balela nga yinye, nga qala nge zinkabi, kwa landela izi nkomazi nezi thokazi, ngazi bala zonke; u Shaka wa thula wathi nya elalele, kwaze kwaba sengathi seu lele. Kodwa ngazi mina ukuthi alele, ngoba umlilo wau lo u wa khanyisa amehlokazi esabekayo. Futhi ngi kwazi loko akwenzayo ukuthi, uhlupa mina nje, no kuthi ufuna ukuba aqale ezwe nge zi nkomo zakhe enga ka ngi bulali. Ngamu balela ngaze nga qeda.

"Ku njalo", ku sho i Nkosi, "ku sa lungile.

Kanti base khona abantu aba thembhekile ezweni. U yazi ke, Mbope, ukuthi, ku vele u sizi emzini wakho ungeko.

"Se ngi zwile Nkosi!" ngi pendula kalula nje, sengathi aku siyo indaba enkulu.

"E hene, Mbope, ku vele usizi emzini wakho, isi qalekiso se Zulu se hlele umuzi wa kho. Ngi zwe bethi kwehle umlilo upuma pezulu wazi shisa ngo ku shesha izindhlu zakho".

"Sengi ku zwile loko, Nkosi! —

Seu kuzwile konke loku, Mbope, kodwa au ka kuzwa konke. U yazi nje Mbope ukuthi, pakati kwaba file lapa emzini wakho, ku fe ongi zalayo oku thiwa u Nina wama Zulu na.

Lapoke, baba, nge nza uku hlakanipa, ngoba, ngaba nomcabanga omuhle, engi unikwa yi dhlozi lami eli ngi thandayo, ngoba nga ba se ngi zi lahla pansi, nga khala ka khulu nje ngomuntu ono sizi impela.

Musa ukuba ube usa khuluma, Zulu eli Mnyama!" Musa uku sho ukuthi lowo owa kuzalayo, seu file, Hau Ngonyama ye Zulu. Ngakhala ka njalo. Laba abanye abafile bebe yini na. Bau u moya nje, bayi consi lamanzi nje; kodwa lolu hlupo lu khulu lufana nesi vungu vungu lu nga ngo lwandhle".

"Thula, muntu wami, thula! ku sho u Shaka nge zwi loku bhinqa; kuhle wazi loku, ukuthi wenze kahle ukuba ukhale kakhulu ngoba, ozala ama Zulu asekho,

be uyobe wenze kabi uku klalela umlilo oshise umuzi wakho. Ngoba uma uke wakhalela ukufa ko muzi wakho wayeka uku khalela u Nina we Zulu be ngi zo bona ukuthi umubi, manje, ngabe seu khala izinyembezi zegazi Mbope. Wenze kahle impela ukuba ulibone isu ebe se ngi kwa khele lona.

Nga qala nami uku ku ¡bona uku jula kwo mgodi u Shaka abese ngi cupe ngawo, ali bongwe i dhlozi lami, eli ngenze nga khuluma kanjalo. Ngase ngi ba ne thembha ke ukuthi, seu zo ngi yeka; kanti pinde, kwa ku se yisi qalo leso.

Wathi u Shaka, "U yazi nje, Mbope" ukuthi, nje ngoba u Mame efele lapaya emalangabini omlilo emzini wakho, ukhulume amazwi ayi si mangaliso, asabekayo, engi wezwe pakathi ko mlilo ethi, wena Mbope, no Baleka, u dadewenu na ba fazi bakho, be nihlangene ngo kuthi, ngi no mntwana ngi nge naye. U khulume wa sho njalo ke, ngi mu zwa ese m'lilweni. Ngi tshele ke Mbope ukuthi, bapi labo bantwana owa puma nabo lapa e khaya, lowa mfana ona mehlo afana nawe bhubesi, abathi u Mhlopekazi, ne ntombazana abathi u Nada na.

Nga pendula ngathi, u Mhlopekazi se wa fa Nkosi, wa bulawa yi bhubesi, u Nada u hlezi emi pandwini yama Swazi; se ngi zwile ke ngaye. Ake si khulume nga le ndaba ka nyoko ose file—owayi khuluma pakathi kwa ma langabi omlilo odumayo. Ngi tshele Mbope manje ukuthi iyi qiniso yini na.

"Cha, Nkosi! Kuya bonakala nje, ukuthi, u Nina we Zulu waye se hlanyiswa yilo iZulu, uma ekhuluma kanjalo. "Angi kwazi loko, Nkosi".

"Au kwazi loko Mbope na. Kusho i Nkosi. Wa pinda futhi wa ngi buka ka nzima, eqisa amehlo emlilweni. Au yazi nje leyo ndaba Mbope na. Kanti ubanda kangaka; izandhla zakho ziya qhaqhazela amakhaza. Hayi, ndoda, musa ukwe saba—othisa izandhla, zo thise Mbope. Au boni ke, faka isandhla sakho leso pakathi emlilweni!" Wa khombha ngo-

m'khontwana wa khe omncane, opiselwe othini lo muthi opathwa ama khosi, ekhombha lapo umlilo ubomvu kakhulu khona—wathi ehene, wa khombha qede wa hleka.

Lapo ke baba, nge zwa sengi banda—yebo, ngafa nga pola kanti ngi zau kusha, ngoba nga yibona into eqondwe u Shaka, Ukuthi, seu funa uku ngi linga ngo mlilo.

Nga qale nga thula ngathi, nya, ngi sa cabanga. Wase epinda futhi ese futheka nge zwi eli khulu: "Chabo, Mbope, musa ukwe puza; ngizo hlala ngi fudumele wena ubu godola na. Kunjani, zinduna zami, sukumani, nibambhe isandhla sika Mbope, niso thise emlilweni yi khona inhliziyo yakhe, izo jabuliswa uku fudumala kwe langabi, sibe si xoxa naye le ndaba yo mntwana, u mame owaye khuluma ngaye, umntwana owa zalwa u Baleka umfazi wami, udadewabo ka Mbope umuntu wami".

Aku dingeki ka khulu ukuba ba ngaze bangi bambhe nge sandhla, Nkosi, "ngi sho lapo nge sibindi so kwe saba, ngoba se ngi bona ukuthi, uma ngi nga kwenzi aku shoyo, ngi zo kufa ngi sa libele uku ngabaza. Ngaba nawo umcabango wo buthi, engangi bupethe ukuba ngi bugwinye ngi sale se ngi fa, kodwa, uku fisa uku pila ku khulu, noku fisa uku zi pindisela nakho ku namandhla, ngase ngi thi, enhliziyweni yami, "Ake ngi kahle ka ncane: nako loku ngi zo ku bekezela: ngase muva kwako, uma ku funeka ukuba ngi fe, sengi yo ku fa".

"Ngi yau bonga umusa we Nkosi, ngi zo wotha umlilo. Khuluma ke, Nkosi, ngi zauba ngo tha, ngi zoku tshela iqiniso". Ngisho nge si bindi.

Lapo ke baba, nga selula isandhla sami se sinxele, nga sifaka emlilweni—angi si fakanga lapo ushisa khona ka khulu, nga si faka lapo, ku pele khona i langabi, bese ku suka intutu. Ngase ngi juluke se

ngi manzi u kwe saba, nga qale anga kuzwa uku sha, nge nxa ya manzi omjuluko. Ngazi kodwa ukuthi, ubu hlungu buyeza.

Wa ngi buka u Shaka ehleka. Wase ekhuluma kancane, enembhulukisa, enzela ukuba, kuze ku zwele ukushisa.

"Yisho ke, Mbope, uthi, auyazi le ndaba, ukuthi udade wenu u Baleka wa zala u mfana na.

"Mina, Nkosi, ngazi loku ku pela!" ukuthi, eminyakeni ese ya dhlula, u Baleka inkosikazi yakho, ya zala umfana, nga mu bulala ngo ku sho kwe Nkosi, isi dumbhu sakhe, nga si beka pambhi kwakho".

Nga leso sikhathi ke baba, umjuluko owau kade use sandhleni sami, wa se womile, uku shisa kwo mlilo, inyama yami se yi sha, kwaba buhlungu impela. Kodwa angaze nga bonakalisa ebusweni ukuthi, ku buhlungu, ngoba uma nga bonakalisa noma nga khala, kwa ku yo bonakala ukuthi, angi pumeleli eku hlolweni kwami, bese ngi petwa ukufa.

Ya khuluma futhi i Nkosi. U nga yi funga nje i Nkosi Mbope ukuthi ayi kho indodana yami ebi nceliswa emzini wakho na.

"Ngi ya funga ngi funga i Nkosi",

Nga leso sikhathi ke baba, ubu hlungu bo m'lilo, angi bazi ukuthi babu nje ngani. Amehlo ami nga wezwa se ngati ase ya puquka, negazi lami se ngathi, seli ya bila emzimbeni, ligijime liye ekhanda, libuye lehlele ebusweni, kwa puma zaba zi mbili izi nyembhezi ze gazi. Kodwa noko nga si thulisa isandhla emlilweni angaze ngasi zamazamisa, i Nkosi ne zinduna zayo, be ngi buka be mangele. Wathula nje u Shaka isi khashana enga sho lutho, leso si kashana kimina sasi ngange minyaka yonke yo ku pila kwami emhlabeni.

Isi gcino wathi, "Ha!" Ngi yabona ukuthi seu ya qala uku fudumala manje Mbope! Khipa isandhla sakho emlilweni. Se unge hlulile; upumelele eku hlolweni kwakho; Inhliziyo yakho imhlope; ngoba, uma, beu

qamba 'manga umlilo ubu zo kwenza uli khulume iqiniso, seu khulume ka khulu se kwa nele Mbope!"

Nga si khipa isandhla emlilweni, ubu hlungu baba ngcono isi khashana.

Ku lungile, Nkosi!" ngi sho ngo ku thula, "U mlilo ungeze wa bashisa aba nezi nhliziyo ezi m'hlope".

Nga sho njalo qede, ngasi buka isandhla sami soku nxele. Sase simnyama bhuqe nje nge si khuni somlilo, nezi nzipo sezi sukile, emi nweni egoqongeneyo. Ake u sibuke nje, na kona manje baba; wena usabona, mina sengi yi mpumpute. Se saba muhlope nje nge sakho—sesaba m'hlope, safa, sa shwabana. Yikho lapa kwa shisa umlilo endhlini ka Shaka, eka deni, nge minyaka nyaka eya dhlula; asi bange sisa sebenza lutho kakhulu lesi sandhla, ku sukela kulobo buhlungu balobo busuku, kodwa eso kudhla sasala baba, hau ngasi sebenzisa.

Wathi u Shaka, "kuya bonakala ukuthi, isa ngoma so mfazi u Nobela, sasi qambha manga uma sithi, ngi yo linyazwa uwe Mbope". Kuya bonakala ukuthi, wena umhlope ku leli cala, kanye no dadewenu u Baleka, nokuthi le ngoma, eya hlatshelelwa u Nina we Zulu, ese ma langabini omlilo, ayi silo iqiniso. Ku lungile ku we Mbope, ngoba isi fungo sami, asi ku sizanga ku lendaba. Kodwa u mame ufile, ufele ema langabini omlilo, kanye na ba fazi bakho na bantwana bakho Mbope, ku khona ubu thakathi ku le ndaba. Sizo lila Mbope, wena na mi, sizo kwenza isi lilo esi nga zange si bonwe kwa Zulu, ngoba lonke izwe, liyo sikhala lesi si lilo. Ku lesi sililo kuyo nukwa aba thakathi. Izangoma ku yoba uwe na mi, yi thina soba bili, esi zo nuka labo aba si lethele loku ku hlupeka. Yini! uthi u mame o wangi zalayo anga fa nje, abulawe aba thakathi, bona banga bulawa, nawe abafazi bakho, na ba ntwana bakho, ba fe nje, ku nga pindiswa wena unge na sono na. Hambha, Mbope, nceku yami engi ye tembhile, ngi ku hlonipile nga ko thisa no mlilo wami seu godole, hambha ke!"

Wa pinda futhi wa ngi golozela enga le kwe langabi lo mlilo, wa ngi khombisa emnyango ngo mkhonto, ukuba ngi pume.

## ISAHLUKO XI

### Ise Luleko sika Baleka

Nga sukuma ngam'bonga u Shaka ka khulu, nga puma e ndhlunkulu, nga hambha kancane ngi yo puma ema sangweni, kwathi lapo se ngi nga pandhle, ubu hlungu besandhla sami esi shile ba ba bu khulu. Nga gijima ngi ya emuva na pambhili ngi gquma ngaze nga ngena endhlini yomuntu engi maziyo. Nga funyanisa ku khona ama futha, nga si gxumbuza pakathi isandhla, ngase ngi si songa nge si khumba, ngase ngi puma, ngoba kwa ku ngavumi ukuba ngi hlale nda wonye. Sa ngi zulisa, nga ya le na le, emuva na pambhili, ngaze nga fika lapo kwa ku kade ku khona izindhlu za mi, u thango olunga pandhle lwe zindhlu lwa lu se khona, lu nga shanga. Nga dhlula othangweni; pakathi ku khona umlotha we zindhlu ezi shile—unyawo lushona emlotheni uze ufike ema qakaleni. Nga hambha emlotheni ngezwa ngi nyathela into elu khuni ebu khali. Kwaku u nyezi, ngabuka, kanti ngi nya thela ama thambho ashileyo aba fazi bami na ba ntwana bami. Nga zi lahla pansi emlotheni nge nzi wa ubu hlungu be nhliziyo; nga zi thela ngo mlota wo muzi wami wonke umzimbha, na nga ma thambho aba fazi bami na ba ntwana bami. E hene, baba, nga lala khona lapho, ngi no mlota nama thambho. Nga lala ka njalo ngi gcinanisela uku lala emzini wami, ngembhethe uthuli lwabantu enga ngi ba zalile, ukuba ngi nga godoli, Sasi velelwa yi zinto ezi njalo ke, baba, nge zi khathi zi ka Shaka. E he, zi nga veleli mina ngedwa, kodwa nabanye abaningi.

Ngalala emlotheni ngi gqunyiswa ubu hlungu bo ku sha, futhi sengi bulawa na ukuba sengi sele ngedwa. Nga yekelani uku budhla ubuthi ngi se ndhlini ka Shaka, ngi budhle eme hlweni akhe na. Sengi yekelani uku budhla uma sengi shile ngi sale sengi fa na. Hayi, sengi bu bekezele ubunzima, angi funanga ukuba, ku gcine yena pezu kwami. Nje ngoba se ngi we hlulile umlilo, sengi zau kuba umuntu omkulu ezweni. Yebo, ngi zo bu bekezela nje lobu bu hlungu ukuze ngi khule. Ngathi, kuhle ngi zi bekezele nje izi nsizi zami, nge linye ilanga, nami ngi ze ngi zi pindisele lapa e Nkosini. Hau! baba, ngathi lapo ngi gingqika emlotheni, nga cela ema dhlozini ao baba base ndulo. Ngacela edhlozini lami eli ngi lindayo, no Nkulunkulu ngaze nga mu thandaza, oyi dhlozi eli khulu le zwe, eli hambha ema zulwini nase mhlabeni, li nga bonakali futhi linge zwakali. Nga thandaza ka njalo ke, ngi cela ukuba ngi pile ngi ze ngi mu bulale u Shaka ngoba wae bulele aba thandekayo kimina. Ngathi lapo ngi sa thandaza, kwa fika ubu thongo nga lala, ngoba, uma ubu thongo abu fikanga, kwa ku yo pela uku cabanga, umthandazo wami wa pendulwa nge pupo, mhlaumbe kwa ku nge silo ipupo, kwe nziwa ubu hlungu bo sizi. Ngoba, baba, nga bona ngimi odongeni lo mfula omkulu, obanzi, ku nga khanyi kahle, u ku khanya ku pansi, pezu ko mfula, kodwa kude, nga pesheya kwa ku khona uku khazimula; oku njengo kwezulu uma lizauduma, pakati kwa loko ku khazimula nga bona imfunda enkulu yom'hlanga izama zama eku khanyeni, ku lo m'hlanga, kwa puma amadoda, naba fazi, na bantwana, be nga makhulu na nge zi nkulungwane, ba ngena e mfuleni, ba khapazelwa amanzi. Njaloke, baba, bonke abantu enga ngi ba bona, bese manzini, ba be m'nyama, nabo bonke aba puma em'hlangeni babe m'nyama amukho owaye mhlope nje nga bantu ba kini, baba, ngoba leli pupo kwaku yi pupo le sizwe sakwa Zulu, ngoba yisona sodwa esa dabuka ohlangeni." Nga babona aba hla-

mbha emfuleni, ukuthi, abanye ba sheshe bawele, abanye kube sengathi bemi bathule nje, khona emanzini—nje ngase ku pileni baba, abanye ba sheshe bafe, abanye ba pile iminyaka emininingi. Nga bona ubuso obuningi emanzini, obu nge na ku balwa, pakathi kwako kukhona obuningi engi baziyo. Lapo ke, baba, nga bona ubuso buka Shaka, eduze naye, nga bona obami; khona lapo, futhi, nga bona obuka Dingane, umntan'e nkosi, u mfowabo ka Shaka, nobo mfana u Mhlopekazi, nobu ka Nada, indodakazi yami, nga qala ke ukwazi ukuthi, kanti u Mhlopekazi afanga, ulahlekile nje ku pela.

Nga guquka khona epupweni, nga buka u donga lo mfula enga ngimi kulo. Emuva kwalo, ku khona isiwa esi khulu esi m'nyama, lesi siwa, ku khona ku so iminyango eye nziwe ngo pondo lwe ndhlovu, ikhanya, ku zwakala ne zi nhleko ezi puma nga pakathi; kwa ku khona ne minye imi nyango, imu nyama, ifana na malahle, nge muva kwayo, ku m'nyama, ku zwakala uku gquma. Nga bona futhi, ukuthi pambhi kwayo, kwa ku bekwe isi hlalo, esi hlalweni ku hlezi owe sifazane one si thunzi. Emude, ku ngu ye ku pela omhlope, egqoke izi ngubo ezi mhlope, izi nwele zakhe zi fana ne goli eli ncibilikiswe ngo mlilo, ubuso bakhe, bu khanya nje nge langa lase mini. Ngase ngi bona abantu aba kupuka emfuleni, bemi pambi kwakhe, imi zimbha yabo isa vuza amanzi, be khala kakhulu pambhi kwakhe.

Sau bona Nkosazana ye Zulu! Sau bona, Nkosikazi yase ma Zulwini!" Owe sifazane onesi thunzi ohlezi esi hlalweni, epethe u dondolo, nge sandhla so ku nene, epethe olu mhlope lo pondo lwe ndhlovu, nge so ku nxele, lu mnyama, lo muthi. Bonke aba be fika pambhi kwakhe, esi hlalweni sakhe sobu khosi, ba m'bingelele, abe se lo e khombha nge nduku ese sandhleni so ku dhla, abuye a khombe nge se sandhleni so ku nene, eyo pondo lwe ndhlovu, neye nduku emnyama, nge ye nduku yo pondo lwendhlovu, akho-

mbhe esangweni lo mnyango wo pondo lwendhlovu, lapo kwaku hlekwa khona, nge ye nduku yo muthi om'nyama, ikhombhe ema sangweni amnyama, lapo kum'nyama khona kuzwakala nokugqquma. Ithi uma, ikhombha, aba pambhi kwayo, bese beya penduka baya hamba, abanye ba pume emasangweni amhlope, abanye ba pume emasangweni amnyama.

Ku se njalo, nami ngi se mi, kwa qamuka odongeni lomfula, idhlanzana la bantu. Ngaba buka ngaba zi. Kodwa ku u Nandi unina ka Shaka, ku u Anadi, u mkami, ku u Musa, indodana yami, nabo bonke aba fazi bami na bantwana, kanye nalabo abafa nabo.

Be mi pambhi ko wesi fazane, i Nkosazana yama Zulu, u Nkulunkulu owayi nikezela ukuba, i pathe aba kwa Zulu, besho ka khulu bethi, "Saubona, Nkosazana ye Zulu! Saubona!"

Inkosazana, yase i khombha nge nduku emhlope, ikhombha ema sangweni amhlope; kodwa aba bemi pambhi kwayo, abaze ba suka, ba thula nje. Yaze ya khuluma iqala uku khuluma.

Yathi, Ngenani, bantwana babantu bami ngenani ni yo kwa hlulelwa. Ni hlaleleni na. Ngenani nge sango loku khanya."

"Si hleli, Nkosikazi yama Zulu—si hlalele ukuba sicele ukuba, owa sibulalayo ahlulelwe. Mina emhlabeni nga ngi uNina we Zulu, ngi khulumela na laba, engi kanye nabo ku we na Nkosikazi ya maZulu si cela ukuba owasibulalayo ahlulelwe."

U ngu bani yena na. I buza nge zwi e li pansi ele sabekayo.

U Shaka, oyi nkosi yakwa Zulu," ku pendula u Nandi. U Shaka, indodana yami."

Sebe baningi aba fikayo lapa bezo cela ukuba ba pindiselwe kuye, ku sho i Nkosikazi yama Zulu, futhi, ba ningi abasa zau fika. U nge sabi Nandi, ku zo lunga. U nge sabi Nandi, nani bafazi naba ntwana baka Mbope, kuzo lunga nje ngoba ngi sho. Ngo mkhonto owa gwaza isifuba sakho Nandi, isi fuba sika Shaka,

siyo gwazwa ngawo naso, nani bafazi, naba ntwana baka Mbope, isandhla esiyo gwaza u Shaka, yi sandhla sika Mbope. Uyomgwaza ethunywa yimi. Yebo, ngi yomfundisa ukuba, a khipele ulaka lwami emhlabeni! Ngenani bantwana babantu bami — nge nani ekwehlulelweni, ngoba uku wa kuka Shaka seku bhaliwe".

Nga pupa kanjalo ke baba. Yebo, yilo leli pupo enga thunyelwa lona, ngilele ngi sebu hlungwini nase bu nzimeni pakathi kwamathambho abantwana bami abafile, nase mlotheni wo muzi wami. Nga yi bona kanjalo ke i Nkosazana yama Zulu, ihleli endaweni yayo. Ngaze nga yi bona ka bili, nje ngo ba ngi zo ku tshela, kodwa loku kwe sibili ngayi bona ngamehlo kwa ku semhlabeni. E he, ku ka thathu ngi boniswa lobo buso engi yoze ngi fe ngi nga bubonanga, ngoba, uma umuntu eyi bone, kwaze kwa ba ka ne, apili. Angazi ke noma ngi ya hlanya yini baba, noma onke lamapupo enziwa uku sangana kwo mqondo yini na. Kodwa, kuyi qiniso ukuthi, konke loku nga ku bona.

Nga thi ngi papa miswa ubuhlungu be sandhla esi shile ebu thongweni bami, nga vuka, nga zi thuntutha umlotha, nga pumela nga pandhle ko muzi sengi yowu geza. Nga buya nga hlala nga pandhle kwa ma sango ase mposeni, ngi linde ukuba, azo kukha amanzi ama khosikazi e Nkosi, eyayi babiza ngo kuthi, odadewabo. Isigcino aze afika. Nga hlala ngizi fihle ubuso nge si puku, ukuba, ba nga buboni, nga qa pela u Baleka ukuba adhlule. Masinyane nga mubona; edabukile, e hambha kancane, e thwele imbhiza yakhe ekhanda. Nga mu biza kancane, wase e phambhuka ebuyela nge muva kwenhlaba, e shaya sengathi, uhlatshwe ameva onyaweni, wa zi libazisa, baze ba dhlula aba nye aba fazi. Wase eza kimi, sa binge lelana, si jamelene nga mehlo.

Nga se ngithi, ngazo zonke izi khathi ezimbhi bengi ku lalela wena Baleka, nino Nina we Zulu, nga mu sindisa umntwana wakho. Isi gcino saloko ke,

uya sibona! Ba fe bonke abo muzi wami, kanye no Nina we Zulu, bafe bonke, nami bese ngi shiswa ngo mlilo, "nga sho ngi mu khombhisa isandhla sami esi shwabeneyo.

"Yebo, Mbope, mfowethu", kupendula u Baleka inyama iye zwelana ubu hlungu, be ku nge nakuba lutho kakhulu kimina, uma indodana yami, u Mhlopekazi afanga, njengoba sengizwa manjena nje.

U khuluma nje ngo mfazi, Baleka, aku lutho kuwe uma mina umfowenu, ngi felwe yibo bonke engi ba thandayo na.

U nga zala wena mfowethu, kodwa mina angi senalo ithemba, ngoba i Nkosi ayi sa ngi bheki. Ngi ya ku khalela, kodwa mina be ku uku pela kwake, kuya sika esiswini sami ngo mntanami eyedwa. Uma ubuka, ngi nge qe yini na. Ngithi cha. Ngi sa zoke ngi pile isi khashana, emuva kwa loko, nami ngizo kuya lapo kwaya khona abanye. U Shaka se ungi lindisele i thuna; ngi sa yekwe isi khashana nje, bese ngi yafa; usa loku edhlala ngami nje nge ngwe idhlala nge nyamazane elimeleyo. Angi khathali, sengi diniwe, kodwa ngi ya dabuka ngo mfana; amukho owaye fana naye ezweni. Sengathi, ngi nga shesha ngi fe ngi yo mfuna".

U nga thini uma kanti afanga, Baleka na. Wathi, uthini? E ngi buka nga mehlo amabi, "Uyasho impela Mbope—uyaku pinda impela! Ngi nga fa, kuze ku be ka ningi uma ngi nga thola ukuzwa ukuthi u Mhlopekazi use khona".

"Cha, Baleka, angazi lutho. Kodwa, ku sihlwa ngi pupe ipupo", Nga mu xoxela lonke.

Wa lalelisisa nje ngomuntu elalele iNkosi inquma icala.

Ngi yabona ukuthi, likhona iqiniso e pupweni lakho, Mbope", ku sho u Baleka. Sonke isi khathi, wena ungu muntu oyi simangaliso, ubona izinto ezi kude.

Manje seku khona enhliziyweni yami ukuthi, u Mhlopekazi use khona".

Ngathi "U thando lwakho lukhulu, mfazi", yilo lolu thando lwakho, olusi bangela lezi zi nsizi, isigcino mhlaumbhe, kube kufumaniseke ukuthi, uthando lweze, nje, ngoba, ku khulu oku zau si velela. Kodwa po, manje, sizo kwenze njani, ngi baleke yini, noma ngi hlale lapa, kuzi velele oku zi velelayo na.

Kuhle uhlale, Mbope. U yabona i Nkosi seyi yayazi le ndaba. Isi ye saba ngo ba, i bulele unina, yona, nge sandhla sayo—ehe, nayo seyi ye saba sengathi, abantu bazo yi pendukela, bayi bulale, ngoba i bulele u nina. Izobe seyi thi, ayi mu bulalanga, ubulewe umlilo waba thakathi oshise umuzi wakho; noma, abantu be wazi nje, amanga, kodwa, amukho onga yi pikisa i Nkosi. Nje ngoba ishilo yathi, ku zau nukwa abantu, banukwe u wena nayo, nge ndhlela entsha, kubulawe labo ebe sabayo, bonke eba ziyo ukuthi bayayi zonda, ngoba inga lungile, na ngo kuba ibulele unina nge sandhla sayo. Nga leso si zathu ke, Mbope, iyo ku sindisa wena, iku khulise ube mkhulu ezweni, ngoba, uma eqinisile ukuthi, u Nandi ubu lewe aba thakathi, nawe kambe aba thakathi baku bulalele aba fazi na bantwana bakho. Nga lokoke, musa uku baleka; hlala khona lapa, uze ube u muntu omkhulu, u khuliswe ukuzi pindisela Mbope, mfowethu. Bu ningi ububi oku funeka ubu chithe; uzoti, ube thuka, bese bubu ningi, ngoba, nami futhi, ngizobe ngi nga sekho, igazi lami liyo khalela wena. Lalela, Mbope. Aba kho yini, abantwana be Nkosi lapa ezweni na. Amukho yini u Dingane, amukho yini u Nhlangano, amukho yini u Mpande, aba fowabo be Nkosi na. Bona laba, aba funi yini uku bekwa ubu khosi na. Loku nabo, igazi labo, lisa .shisa, ba yi bhekile impi onke ama langa, imini no busuku. Ake ubonane nabo mfowethu ukhulume nabo ni bonisane, ni zwane imi cabango yenu, ukuze isigcino u Shaka lo naye ashone

lapo kwaya khona aba fazi bakho, nami ese ngi zo kuya khona".

Wa sho njalo ke u Baleka, wase u ya hambha, wa ngi shiya ngi wa cabanga lawa mazwi akhe oku hlakanipa. Nga ngi kwazi ukuthi laba ba fowabo be Nkosi ba ya hlupeka, besaba uku fa, ngoba u Shaka wa ye ba mele kabi. U Mpande yena, wa ye nge na ndaba, enga nake lutho, noma ku khulunywa, abe umuntu onga hlakanipile. Kodwa, o Dingane no Nhlangano babe nge njalo, isu lo ku sapaza ubu copo buka Shaka bu dhliwe yizi nyoni lali nga vela kubo. Kodwa, isi khathi soku khuluma nabo sasi nga ka fiki; Isi khathi sakhe u Shaka, sasi nga ka fiki.

U ma se ngi qedile uku cabanga, nga sukuma, ngaya emzini wo mhlobo wami.

Nga selapa isandhla sami, esa si ngi bulala, ngi nga ka qedi, kwa fika isi gijimi sizo ngi biza ukuba ngi ye Nkosini. Nga fike nga zi shaya pansi pambhi kwe Nkosi, ngi yi qapuza nge zibongo za yo; ya ngi bambha nge sandhla, ya ngi sukumisa, ikhuluma kahle.

Yathi, "Sukuma, Mbope, muntu wami. Seu hlupeke kakhulu, uhlushwa aba thakathi aba ku zondayo. Mina ngi felwe u mame, nawe ufelwe abafazi bakho na bantwana bakho. Khalani, zinduna zami, khalani, ngoba ngi felwe, no Mbope, u muntu wami, u felwe, si bulawa abatakathi aba yi zitha zethu!"

Za khala ke izinduna zakhe za mbhongoza ka khulu u Shaka ezi buka, ezi qhunsulele amehlo.

Nge muva koku khala u Shaka wathi ku Mbope: "U yezwa, Mbope! Noma be khala nje, amukho okwazi uku buyisa umame; kodwa wena, ngi nga kunika abanye aba fazi, uzale abantwana futhi. Hambha, uye ezi nkomhini eza khethelwa i Nkosi, ufike ukhethe ezi yisi thupa zibe ezakho; ubusu ·ngena ezi nkomeni ze Nkosi, ufike, u khethe ezi yi shumi ezi pindwe ka shumi ezi nhle; ubize izi chaka ze Nkosi, zakhe umuzi wakho ube mkhulu, futhi ube muhle ku no

waku qala! Konke loku ngi ku pa nge nhliziyo emhlope; kodwa pela aku ku pela kwakho—he he! u sa zoke uzi khokhele! Ngo suku loku qala, lokwe twasa inyanga, kuyo bizwa umhlangano omkhulu ka Zulu wonke; ehe, bakini e Langeni, nabo bayobe be khona. Si lile sonke, sililele usizi lwethu; nga leso si khathi ke siyo ba bona aba si bangela usizi. Hambha ke, Mbope, hambha! Hambhani nani futhi zi nduna, ningi shiye ngedwa ngi lile, ngi felwe mina!"

Kwaba njalo ke baba, kwa gcwaliseka uku khuluma kuka Baleka, ngoba isu lika Shaka lo ku hlakanipa, langenza ngaba umuntu omkhulu ezweni, ka khulu ku na ku qala. Nga zi khetha izi nkomo, zazi khulupele; nga ya ezi ntombhini, nga khetha abahle aba fazi; kodwa angi banga nako uku jabula ngabo nabantwana angi banga nabo. Ngoba inhliziyo yami yayi sifana nothi olu bunileyo; inhliziyo yami isi jabhile, amandhla ayo apuma apela emlilweni endhlini ka Shaka, ya pelela osizini lwa bafayo engi ba thandayo.

## ISAHLUKO XII

### Indaba ka Galazi i Mpisi

Manje ke baba ngizoke ngi buyele emuva kancane, ngoba indaba yami yinde, ima zombhe zombhe njengo mfula uku hambha kwawo, ngi sa buyela ekuthathweni kuka Mhlopekazi yi bhubesi, nje ngo ku ngixoxela kwakhe ngemva kwe minyaka.

Inkomazi ye bhubesi ya baleka, ipethe u Mhlopekazi ngo mlomo. Athi uma ethi uya shoba shoba, li mlume kakhulu, wase uya thulisa uthi nya khona emlonyeni walo, wathi lapo ebheka emuva, wa bu bona ubuso buka Nada, egijima, eya othangweni lwa meva, ememeza ethi, "Mulamuleleni!" Wa bubona ubuso bakhe, nezwi lakhe wa lizwa, emuva kwa loko akabe ese zwa lutho,

kwa se kuba sengathi ulele obukhulu ubu thongo. Masinyane wavuka futhi, ezwa ubuhlungu e thangeni, lapo elunywe khona yi nkomazi ye bhubhesi, wezwa umsindo ku menyezwa. Wa bheka pezulu; wa libona ibhubesi le nkomazi, limi eduze kuye, seli muyekile, lamu beka pansi. Li thimula li thukuthele, pambhi kwalo ku mi insizwa ende elukhuni, enobuso obunyukubeleyo, yembhethe isi khumba se mpisi esi mpunga ngo ku mnyama, umhlathi wa nge nhla na mazinyo empisi ku pezu kwe kanda lensizwa. Yayi mi pambhi kwalo ibhubesi, imemeza, nge sinye isandhla i phethe i hau eli khulu le mpi, nge sinye isandhla iphethe iwisa eli sindayo, eli ne nsimbhi pambhili.

La hlala pansi ibhubesi le nkomazi, seli funa uku m'bhozomela, lisho ngo m'bhongo owe sabekayo, kodwa insizwa ephethe iwisa ayi lilindanga ukuba lize li gxume. Wali dumela, wa li shaya nge wisa. Wa li shaya ka khulu, wali khombha kahle, kodwa alaze lafa, lasuka lema nge zinyawo za ngemuva la mu shaya kakhulu nge sandhla. Kanti lishaya ihawu lakhe nga makhulu amandhla, waye wa genuka ngomhlane, ihawu lakhe lamu mbhoza, wa khala e heula nje nge mpisi izwa ubuhlungu. La khwela pezu kwakhe, lalwa naye. Kodwa linga mutholi kahle livinjelwe yi hawu. Wa bona u Mhlopekazi ukuthi akuzu ku gcina ngaloko, ngoba ihawu lizo gcina ngo ku dabuka li mubulale lo muntu. E si fubeni se bhubesi kwaku vele isi nqamu somkhonto ka Mhlopekazi, owa we pukele khona. Wase efikelwa u mcabango wokuba lesisi juqu, esiveleyo, asi hlohlele pakathi, kungabi silutho noma li m'bulala. Wa vuka ngo ku shesha, wezwa namandhla akhe, ese buyile,— wa gijima, waya e bhubesini eli yaluzisana nomuntu onga pansi kwe hawu. Alaze la munaka, wa fike wa guqa nga madolo pambhi kwalo, walu bamba uthi lo mkhonto owe pukile, wa lu shiqela pakathi wase elu sonta elu pendula. La mubona u Mhlopekazi, lamu pendukela libhodhla, lamufaka izi nzipo, lamu dabula esifubeni nase zi ngalweni. E lele pansi wezwa imi

khulungwane eminingi, wabona izimpisi ezi mpunga nezi mnyama zi khwela pezu kwe bhubesi, zi li dwengula, zi lwa nalo laze lawela pansi zali nwebula zali nwebula. Em'va kwa loko, wa quleka u Mhlopekazi futhi, kwa ba m'nyama eme hlweni waba nje ngo file.

Isi gcino, wa papama, ingqondo ya buya, wase khumbhula ibhubesi, wa li bheka, kodwa, akabe esa libona, wa zi fumanisa ese lele em'pandwini pezu ko tshani, ekakwe yizi khumba zezi lwane eceleni kwakhe ku khona imbhiza igcwele amanzi. Welula i sandhla, wayi thatha, wa wa puza, wa bona ingalo yakhe isi ncipile, sengathi iya gula, isi fuba sakhe si vuvukele sesi pele ama nxeba.

E sa lele pansi, e mangele, kwa ba khona i thunzi em'nyango wo m'pandu, kanti ku ngena yona leya nsizwa eyayi lwa ne bhubesi ela yi wisa pansi, yangena ithwele inyamazane efile. Yayi beka pansi, yase ihambha iya ku Mhlopekazi lapo elele khona, yafike yamu buka.

Yathi, "U wewu!" seu bhekile—kanti usapila yini mfokazi na.

"Ngi ya pila," ku pendula u Mhlopekazi, "ngi lambhile."

"Ku fanele," kusho insizwa, seku ama langa ayi shumi na mbhili nga ku thwala nga dabula nawe i hlathi, ngi ku letha lapa, seloko wa lala ufile, ungezwa, upuza amanzi ku pela. Za shona ka khulu izi nzipo ze bhubesi ku wena, ngaze nga cabanga ukuthi, seu file. Ku ka bili ngifuna uku ku qedela, ngihlushwa ukuba, ngi kubona uzwa ubu hlungu; kodwa nga buye nga yeka.— Yi dhla ke, yi khonau zo qina—, sizo buye si khulume."

Wa dhla ke u Mhlopekazi, wase uya qala ukuba ngcono ka ncane. Nge sinye isi khathi, be hlezi emlilweni ku sihlwa emupandwini ba xoxa.

Wa yi buza le nsizwa u Mhlopekazi wathi "U ngu bani wena na?" Yathi insizwa, "Ngi u Galazi i Mpisi. Mina ngi umZulu ngo ku zalwa—yebo ngi ngo we

gazi le Nkosi u Shaka; ubaba-mkhulu u Senzangakhona, uyise ka Shaka."

"Wa pumapi wena Galazi na?"

"Nga puma e Swazini, kwa Vilakazi, lapo ngi zo busa khona. Ku njena ke: u Siguyana, u baba-mkhulu, waye umfowabo ka Senzangakhona om'ncane, uyise ka Shaka. Kodwa, ba xabana no Senzangakhona, wase uya bhunguka. Wa hamba na baka Mthethwa, baye ba fika eSwazini, bafike ba hlala ne sizwe sakwa Vilakazi, emi pandwini yaso emi khulu; isi gcino; lo baba-mkhulu u Siguyana, wayi bulala inkosi ya leso sizwe, kwase ku busa yena esi khundhleni sayo. E sefile naye u Siguyana, kwase ku busa u baba, kwa ba khona abanye ku bantu bakhe aba nga mu thandiyo ngoba engu mZulu, laba bantu, befuna uku beka inkosi ye Swazi. Kodwa be hluleka ngoba u baba waye na mandhla pezu kwabo. Kwa ku yimi ku pela, oyindodana ekhaya, futhi ngi za lwa yi nkosikazi enkulu, ku yimi onga busa esi khundhleni sakhe, nga lokoke ama Swazi aye maningi ka khulu, onke engi zonda. Kwa hlala ku njalo ke, kwaze kwaba ku lobu busika obu pelile ubaba ke wase ebona ukuthi kuhle abulale aba numzane aba ngama shumi amabili aba mzondayo, aba bulale kanye naba fazi nabantwana babo ngoku bazi ukuthi, bafuna ukum'bulala. Kodwa aba numzane ba yizwa le ndaba base be hlangana nenye inkosikazi ka baba, eyi Swazi ngo ku zalwa, ukuba imu dhlise ubuthi. Na nge mpela ya mudhlisa ubuthi ku sihlwa, nga kusasa nge zwa seku thiwa, ubaba uya gula uya ngi biza, nga ya kuye. Nga mufunyanisa ese ndhlini yakhe, ubu hlungu bumu yaluzisa.

Ngathi, "Kunjani baba na," "u bani owenze loku okubi na?"

"Ku nje mntanami,' kungasa vumi noma a khulume, "ngi dhlisiwe, ongi dhlisile uye lowa mfazi omi lapaya' esho ekhomba umfazi owa yemi eceleni kwe ndhlu ngase mnyango, ebheke pansi, eqhaqhazela ebuka izi thelo zom'sebenzi wo bubi bakhe.

Lo mfazi, waye se u makoti, emuhle, sa si jwayelene naye, lapo ke, angi bange ngi sa qula, ngoba inhliziyo yami ya suke ye hlanya. Nga dumela umkhonto wami, nga mu sukela wathi ingani uya khala uya zi ncengela nga mu gwaza ngamu bulala.

"Wenze ka hle, Galazi!" ku sho ubaba. Kodwa ke, uma ngi nga sekho, ubo hlakanipa uzi gcine mntanami, ngoba lezi zinja za ma Swazi ziyo ku ku xosha, zi kwe muke isi khundhla sako! Kodwa, uma be ku xosha upile, ngi thembhise, ukuti, au yi ku hlala unga ngi pindiselanga ku loku abangi pethe ngako."

"Ngi ya thembhisa, ukuthi ngi yo kwenza baba. Ngi ya funga ukuthi ngi yowa bulala onke ama doda akwa Vilakazi, ngi shiye aba yi zi hlobo zami ze gazi, ku pela. Abe sifazane babo ngi benze izi gqili kanye na ba ntwana babo!"

Wathi u baba, "u khuluma sengathi ungu muntu omdala, uyobe use khona yini nga leso sikhathi ukuba wenze njalo Galazi na? Noma sengi zau kufa nje, ngi yazi ukuthi, uza ukuba umhambhuma eminyakeni yakho yo ku pila, mtaka Siguyana, uyo zula kwe linye izwe, uyo kufa nje nge ndoda, au yikufa nje ngami, engi bulawa yilo mfazi ongu mthakathi,' Wathi ukuba aqede uku sho njalo, wa lulamisa ikhanda wa ngi buka, wa bubula kanye wafa.

Nga puma endhlini ngi hudula isidumbu so wesi fazane. Pambhi kwe ndhlu kwa ku bu thene aba numzane aba ningi, be linde ukuba bezwe isi gcino so gulayo, ngabu bona ubuso babo sebe thukuthele.

Nga memeza ngi ba tshela ukuthi, "I nkosi u baba seu file! Seku yimina Galazi inkosi, se ngi mu bulele, obulele ubaba!' nga sho ngi si pendula isi dumbu somfazi ofile, ukuba babone ubuso baso.

U yise wa khe lomfazi ,wa ye khona pakathi kwa bantu ababe ngi buka, e nguye njalo owa yenike lomfazi ubuthi adhlisa ngabo ubaba i nkosi. Kwathi ukuba amu bone u mntanake ese file kwathi a hlanye.

Wathi "nithini ba fowethu na. Nithi, si nga vuma ukuba le nja yo mZulu, ebulele le ntombazana, ibe yi nkosi yethu na? Pinde! Akwenzeki! I bhubesi eli dala lifile, no mntwana walo ma ka fe!' Wa ngi sukela engi pakamisele umkhonto pezulu.

Be zwakala bonke bathi, "Ngeke!" nabo futhi ba ngi sukela be ngi vivinyela imi khonto.

Nge ma nje, angaze nga tatazela, ngoba nga ngazi ukuthi, angi zu kufa, nga mazwi akhulunywa u baba ese fa. Nge ma nje, nga thula, waze waba se duze nami; wa gwaza, nga gxumela nga nhlanye, nga mu bhudhluza, umkhonto wami waye wapuma nga le, wa wela pezu kwe ndodakazi yakhe, wafela khona. Nga khuza isaga nga gijima nga dabula pakati kwabo. Aba nge nzanga lutho; amukho owa ye nga ngi fica, ngo ba ku lowo ongi ficayo, akukho ukupila kuye ngoba futhi, uma se ngi lubeke pansi unyawo ngi ya baleka isi bili.

Kodwa mina ngi nga linganisa, se ku sho u Mhlopekazi, ngoba uyena owa ye ne jubane, ngi sho sezi pelele zonke ezakwa Zulu izi nsizwa.

"Yi xoxe bo," kusho u Mhlopekazi, imu nandi le ndaba, au kayi qedi.— Nga balekake ezweni lakwa Vilakazi, angi buyange ngi hlale ezweni lama Swazi, nga suka nge za lapa kwa Zulu. Nga ngi qonde ukuba ngi ze ku Shaka, ngi zo mutshela ukona kwami, ngi cele ukuba akhipe impi iyo ba qeda aba kwa Vilakazi. Nga hambha ngi lala ngi vuka, ngi lambha, ngi buye ngi ntule no ku dhla, kwaze kwathi nge linye ilanga ku sihlwa, nga fika emu zini we xhegu ela li mazi u Shaka, futhi lali mazi no Siguyana ubaba-mkhulu, ngathi uma sengi qede ama langa ama bili kulo muzi, ngayi xoxela lendoda indaba yami, ayi ngi vumelanga kwe nga ngi qonde uku kwenza, yathi i nkosi u Shaka aba thandi abo kuzalwa ebu khosini, anga ku bulala. Yathi, hlala nje khona lapa emzini wami. Nga bona ukuthi, iqinisile lendoda, ngau yeka umcabango wokuba

ngi yo kuma pambhi kwe nkosi ngi cele umthetho, ngoba ku ye nzeka nge sinye isi khathi, umuntu ayo mangala e Nkosini, kanti ku zau fike ku bulawe yena. Kodwa angi banga nako uku hlala emuzini walelo xhegu, ngoba ama dodana alo aye nga ngi funi. Nga ngi funa uku ba yinkosi mina, asi lutho noma abantu ngi nge nabo. Kwathi nge linye ilanga, nga puma lapa ekhaya ebu suku, nga hambha, ngi ngazi lapo ngi ya khona.

Ngo bu suku be sithathu, nga fika emu zaneni omncane, onga pesheya kwo mfula, pansi kwe ntaba. Pambhi kwo muzi kwa ku hlezi isalukazi si thamele ilanga ntambhama. Wa ngi bona wathi kimi, uyi nsizwa ende, eqinile ene jubane aufuni yini ukuthola induku yo dumo, i wisa, eli bulala wonke umuntu oma pambhi kwakho na.

Ngathi, ngi ya li funa lelo wisa, ngi nga lithola ka njani na.

Sathi isalukazi, unga lithola ngo kwenza loku, ubo vuka eku seni uma ku bheja e nzansi, uye ku leya ntaba, sakhomba yona le ntaba esi kuyo, pezu kwa yo ku hlezi uMfazi ongu Mthakathi elinde ukuba kuze ku bhubhe umhlaba. U yothi lapo seu qalile uku khupuka, uyofika lapo indhlela ilu khuni khona. Kodwa uyo khupuka ungene ehlathini eli mnyama, ufohle uzu pumele lapo ku ubala khona olu pansi ko donga lwe dwala. Kulolo donga lo dwala uyo bona umpandu, empandwini ku khona ama thambho omuntu. U bo fike u wathathe lawo ma thambo, u wa fake emgodhleni ubuye nawo, ngi yo ku nika leli wisa!

"E sa khuluma esho njalo, ba puma abantu ekhaya bazo lalela.

Ba fike bathi, musa uku lalela wena mfana, unga lalela kodwa uma unga sa ku funi uku pila. Si ya hlanya lesi salukazi. Leyo ntaba ine mi khovu; bona nge sa ngoma so mfazi setshe esi hlezi pezu kwayo! Ku lelo hlathi ku hlala imi moya emibi, se ku yimi nyaka emningi ku nga sa hambhi muntu khona. Indo-

dana ya lo mfazi, ya yi isi lima; ya hambha yayo zula ehlathini, ithi yona, ayi khathali nge mikhovu, na mathongo, ya bulawa yi mi khovu. Se yi miningi iminyaka kwe nzekile loko, aku banga bikho muntu owa hambha wa yo funa ama thambho akhe. Ku su kela kuleso sikhathi ke lesi salukazi, se loku sa hlala khona lapa, si thuma bonke abantu aba dhlulayo ukuba ba hambhe ba yo funa lawo ma thambo endodana yaso, ale thwe ku sona. Sithi, oyo wa letha, si yomu nika iwisa eli khulu; kodwa aku yi muntu!

"Ba na manga!" ku sho isa lukazi, 'ayi kho imi khovu lapo. Imi khovu iya zihlalela nje, iye saba; ku khona izi mpisi ku pela. Ngi yazi ukuthi ama thambho endodana yami ase mu pandwini, nga wabona e pupweni; kodwa, maye! ngi hlushwa yi mi lenze yami, ngoba seyi bu thakathaka, ayise nawo amandhla oku khupuka intaba, bonke laba bantu ama gwala; ayi sekho indoda, seloku kwafa indoda yami ibulawa ama Zulu ayi gwaza ama nxeba ama ningi!'

"Manje na ke nga se ngilo ngi lalele nje, ngi nga sa sho lutho kodwa kwathi lapo sebe qe dile uku khuluma, nga thi, isalukazi, ake si ngi khombhise i wisa leli eli nga nikwa lowo onga bhekana na ma thongo, imi moya yaba file ehlala e ntabeni ye mi khovu. Sa sukuma isalukazi sa gaqa nge zandhla sa yo ngena endhlini. Nge si khashana nje si sa puma, sihudula iwisa eli khulu.

Sathi kimi, "Li buke ke, muntu wo ku hambha! li buke! U thi lake laba khona iwisa eli nje nga leli na. U Galazi wa li pakamisa pambhi kuka Mhlopekazi.

Nge mpela ke, baba, kwa ku yi wisa lelo, ngoba nami, ngi u Mbope nje, nga li bona nga semuva kwa lawo ma langa. Lali li khulu li ma qhuzu-qhuzu, li munyama nje nge nsimbhi efuswe emu lilweni, pambhili li fakwe isi khanda ese saba bu shelelezi senziwa uku shaya.

"Kuthiwa yini igama laleli wisa na. Ngi buza esalukazini. Sathi igama lalo

"Kuthiwa u M'lindi wa Mazibuko,' ali wa lindanga ama zibuko ngobala. Ba yisihlanu abantu ase ke bali patha ezi mpini, se la bulala abantu aba yi khulu nama shmi ayi sikhombisa na ntathu aba pansi. Owa gcina uku li patha, ba mu bulala yena ese qede abantu aba nga ma shumi ama bili njalo, leli wisa, li ne ndhlela yokuba, kuthi lowo eli suke linge lakhe, ufa eli phethe, afe nje nge ndoda.

I khona yinye induku enga faniswa na lo kulo lonke izwe lakwa Zulu, yi mbhazo enkulu ka Jikaza, oyi nkosi ya bantu be mbhazo, owa khe lapaya;— le mbhazo i ngu mkhalisi wa bantu, uma upethe yona uya nqoba. Uma uku pethe koku bili loku imbhazo, uMkhalisi wa bantu, kanye ne wisa, umlindi wa Mazibuko, ngi sho be ngaba ama shumi ama thathu kulo lonke leli la kwa Zulu, ngeke beme pambhi kwa kho uzi phethe zo zimbhili.

Se ngi khulumile ke. Khetha! E sho engi buka nga mehlwana akhe ahlakanipileyo ayi zi nzonzobeyana. Seu qinisile ke manje, ku sho omunye owa ye mi eduzane. Liyeke iwisa nsizwa: ngoba noma unga galela ka khulu ka ngaka nani ngalo isi gcino ba ku gwaza ngo mukhonto ufe. Amukho futhi ongapatha u Mlindi wa Mazibuko.

U muntu kambe ufa kahle futhi masinyane! ku sho mina.— Sathi isa lukazi, U Mlindi asiye owo ku patwa yi lo. Ngoba use ngu mntwana, kuhle ngi zi funele ose yi ndoda!"

"Ka hle uku sheshisa, lesi salukazi,' ku sho mina. Yini unga ngi tsheleki leli wisa ngi li pathe uma ngi yo funa ama thambo o mntanakho, ngi we puce imi khovu na.

Ngi ku tsheleke uMlindi mfana na? Hayi, hayi! Ngi nge buye ngi pinde ngi ku bone kanye nalo iwisa, ngathi, kodwa pela, uma ngi sindile, ngi yowa buyisa ama thambo ngi wa lethe kuwena, uma ngi nga watholi, ngi yo mu buyisa u Mlindi, ngi fike ngi mu

beke eza ndhleni za kho. Kodwa pela, uma unga ngi boleki i wisa ngeke nami ngi ye lapo ku khona o mantindane.

Sathi isalukazi, "Mfana, amehlo akho aye thembisa," esho engi bukisisa. Mu thathe u Mlindi uhambhe uyo funa ama thambo. Uma ufa, yi fa nalo i wisa; uma we hluleka, li buyi sele kimina; kodwa uma u wathole ama thambo, iwisa liyoba ela kho, liyo kwenzela udumo, uyo kufa ukufa kwe ndoda eku gcineni, uli pakamisile ukakwe yi zi dumbu za ba file.

Njalo ke, nga ku sasa, lapo ku sayo nga lithatha wisa u Mlindi, ne hawana eli ncane lo ku sina, nga lungisela uku hambha. Isalukazi sa ngi fisela inhlanhla, sa ngi valelisa, kodwa abantu ba ku lowo muzi ba ngi hleka bethi, U muntu omncane kangaka u phatha i wisa eli khulu ka nga ka! U bo qa pela, muntu om'ncane ku ngabi yi mi khovu eku shaya ngalo! Ba khuluma ka njalo ke, kodwa kwaba khona intombazana ya khona ekhaya, engu mntwana womntwana walesi salukazi, ya ngi thatha ya buyela nami eceleni ya ngi ncenga ukuba, ngi nga yi, ngoba ihlathi elise ntabeni ye mi khovu line gama elibi; amukho onga hambha khona ngoba li gcwele imi moya emibi, e heulayo nje nge zi mpisi. Nga yi bonga intombazana, kodwa angazenga sho lutho kwa banye, ku pela nga buza indhlela eqonda e Ntabeni ye mi khovu.

"Manje na ke, mfokazi, uma unawo amandhla, woza uzo bona umnyango wo mu pandu uqapele ngoba unyezi mu khulu."

Wa sukuma u Mhlopekazi waye wa puma emnyangweni omu ncane wo mupandu. Nge nhla, kwa khe kwa ku khona isi qongo se ntaba esi mpofu noma esi mpunga esi u mbhoshongo obheke pezulu, si fana no mfazi ohleli pansi, ebhekise i khanda pansi, isi levu sakhe si thinta esi fubeni, umpandu ke wona, unga pansi kwake, lo mfazi wetshe. Ngenza nsi kwa khe itshe liyi dwala li u mgingqilika omiyo, ku lona ku mile izi hlahlana ezi ncane. Bese kuba yi hlathi nge-

nzansi kwe zi hlahlana, elikhulu eli hlangeneyo lemuka laye la khaula pezu kwe si wa, bese kuthi ke pansi kwe siwa, nga pesheya kwo mfula, bese ku ba ama thafa ama khulu akwa Zulu.

"La paya na, ke, mfokazi," ku sho u Galaza, ekhomba ngo Mlindi wa Mazibuko, iwisa lakhe, kude nga pansi kwe thafa; ku khona umuzi, lapo ku hlala khona lesi sa lukazi. Ku khona isiwa esi pakathi kwe thafa, engi bambha ku sona; ku khona ne hlathi eli na mathongo, imi khovu eduze ne hlathi ku khona indhlela, eqonda emu pandwini, nawo umupandu ukhona lapo. U ya li bona leli tshe, emu khombhisa itshe eli semnyango wo mpandu, liya penduka uma uli pendula, lipenduka kalula, nomntwana angali pendula nje. Ngisho lili khulu kangaka, ngoba limi ngo ku cija kwalo pezu kwe linye, liya u vula li buye li u vale umnyango wompandu, nje ngo ku li pendula kwa kho, kodwa uma u li dudula, unge ke ukwazi uku li buyisela endaweni yalo, ngoba li khulu, noma ku ngaba ama doda ama bili, wase emu khombhisa u ku vulwa noku valwa kwalo. Wali bambha wa li shwila nje ngo m'nyango. U ma ku va-liwe, amukho onga bona ukuthi ku khona umu pandu nga pandhle kwa lowo owaziyo. Ake si yi yeke ke, eye tshe, buyela pakathi ke, mu hambhi, ngiku xoxele ngoba indaba yami yinde iya mangalisa.

Nga puma ke emuzini we sa lukazi, abantu ba khona ba ngi landela baye ba ngi beka emfuleni, wa u gcwele, be yi ngcosana aba ngau wela.

Ba hleka bathi, "He! he! Nanso indhlela yakho lapo ipela khona. Lindela ezi bukweni ngoba wena ufuna uku thola u Mlindi wa Mamazibuko! Wa shaye nge wisa amanzi, yi khonaeza ubohla, u wele!

Nga thula nje angaze ngaba naka; nga bopelela i hawu ema hlombe nge ntambho, umgodhla engangi wu pethe ngawu bopela okalweni, Iwisa lami eli khulu ngali lengisa ema zinyweni ngo mu chilo. Nga sho pakathi emanzini nga hlamhba. Kwaze kwa ba kabili umsinga ungicwilisa, baze ba memeza aba nga pandhle

ko mfula bathi se ngi mukile, kanthi ngi zobuye ngi vele futhi, isi gcino nga pumela nga pesheya.

Kwa pela uku ngi hleka kwathi nya; bema sebe mangele, nga hambha ngaze nga fika pansi kwe siwa. Ku lu khuni uku kwela ku lesisi wa, uyothi uma seu qinile ngi yo ku khombhisa indhlela. Nga yi funa ngaze nga yi thola, nga fika e hlathini seku semini. Nga fike nga pumula kancane o senteni lwe hlathi, ngadhla ukudhlana enga ngi ku pethe ngomgodhla nge nzela uku thola amandhla ngoba, se ngi zobonana ne mi khovu, uma ikhona. Nga sukuma ke, ngangena e hlathini. Imithi ya khona mikhulu, ama qabunga ahlangene kwe zinye izindawo kumnyama kufana no kuhlwa uma unyezi umu ncane. Kodwa noko nga cusha njalo, ngi buye ngi lahle kelwe yi ndhlela. Kodwa ngi loku ngi sibona njalo isi qongo se ntaba nge zi khala ze mithi ngi mu bone umfazi ompunga we tshe, ohleli pezu kwe ntaba ye mi khovu, bese ngi qonda nga khona. Lwa ngi qala uvalo ngi hambha ehlatini eli mnyama eli yi hlane, ku se ngathi ku se bu suku, ngi hambhe ngi qalaza, sengathi ngi zobona amehlo ama thongo. Kodwa pinde, angi wa bonanga, kwa ku lo ku vuka pambhi kwa mi izi nyoka ezi na mabala, ingabe yi zona ma thongo yini. Futhi ngi loku ngi bona kuthi, shalu impisi empunga, ihamba ibhaca nge mithi ingi lunguza, sonke isi khathi ku zwakala pezu kwe mithi umoya omkhulu, umsindo wawo ufana no ku khala kwa be si fazane.

Nga hambha njalo, ngi hambhe ngi hlabelela, ngizi qinisa ukuze ngi nga ngenelwa ukwe saba, isi gcino nga ze nga fika lapo imithi seyi yi ngcosana, lapo kwe nyukelayo, nga pumela eku khanyeni futhi: Kodwa ke, mfokazi, seu khathele, futhi, seku hlwile; lala, indaba yami se ngo yi qedela kusasa.

Konje igama lakho ubani na? 'Ngi u Mhlopekazi ka Mbope" ngokuxoxela eyami uma se ku pele eyakho; asi lale!"

Uthe ukuba u Galazi ezwe leligama, we thuka, kwa mukhathaza enhliziyweni, kodwa wa thula. Ba lala ke, uGalazi we mbhathisa u Mhlopekazi nge zi khumbha zezi nyamazane.

Kodwa u Galazi, i Mpisi, waye lu khuni walala nje edwaleni ku nge ndhlelwe lutho futhi naye enge mbhethe lutho. Ba thathwa ubu thongo ba lala emnyango, nga pandhle ku khala izi mpisi zi zwa ku nuka igazi la bantu.

## ISAHLUKO XIII

### U Galazi ese ba yi Nkosi ye zi Mpisi

Nga ku sasa wa vuka u Mhlopekazi, wa zizwa ukuthi amandhla akhe ase ya buya masinyane, kodwa noko wa pumula lonke usuku emu pandwini, u Galazi e hambhile eyo zingela, wa buya ntambhama ethwele inyamazane ema hlombhe; ba yi hlinza ba yi dhla be hlezi emlilweni. Kuthe lapo ilanga se li shona, u Galazi wa yi thatha futhi indaba yakhe.

Manje ke Mhlopekazi, 'mfo ka Mbope, lalela! Nga se ngi dhlulile e hlathini se ngi qonde khona ezi nyaweni zo mthakathi omdala wo Mfazi we Tshe, ohlezi pezulu okoku pela elinde uku ba kuze ku bhubhe umhlaba. Lapo ke lali balele ka mnandi, ku gijima izi bankwa, ne zinyoni zindiza zi ya le na le, noma ngase ngi hambhe ka khulu nje, futhi, seku hwalala, nga ngi nga se sabi. Nga se ngi kwela e dwaleni eli miyo, lapo ku mile izi hlahlana ezi gqali ngeneyo, ngaze nga fika ema dolweni a khe lo mfazi oyi tshe, ama dolo enze isi khala pambhi kwo mpandu. Nga pakamisa ikhanda nga lunguza pezu kwe dwala, lapo ke ngi nga ku tshela u kuthi, enga ku bonayo kwenza umzimba wami u bande, inhliziyo yami yaba amanzi. Ngabona ku gingqika pambhi ko mpandu izi mpisi ezi ningi ezi nkulu. E zinye zi lele zi gwavumula ebu thongweni,

ezi nye zi qatha izi nhloko ze zi nyamazane ezi file, ezi nye zi qosheme nje nge zi nja, zi lengisa izi lwimi ema zinyweni asinekileyo. Nga buka nga le kwazo, nga ubona umnyango wo mu pandu, lapo kwaku fanele ukuba ama thambho omfana abe khona? Kodwa angi thandanga ukuya khona, ngoba nga nge saba izi mpisi, sengi bona nami ukuthi, kanti lezi zi mpisi yi zona mi khovu ya lapa entabeni. Nga fikelwa umcabango wo kuba ngi baleke, ngase ngi penduka se ngi hambha ngi pinda umuva. Lapo ke Mhlopekazi sengi pindela emuva, iwisa eli khulu u Mlindi wa Mazibuko, la ngi ngunya emhlane ka khulu, nje ngo muntu eshaya igwala li baleka. Angazi noma nga ngi shayeka nge ngozi yini, noma lali ngi tshela ukuthi, yi hlazo leli ese ngi lenza, angazi, wena uthini lapo na? Kodwa ke kwaba khona enhliziyweni ukuba na mahloni. U ma ngi pindela emuva aba yu ku ngi hleka yini ekhaya na? Futhi u ma ngi funa uku ya pambhili, angi zu ku bulawa yini yi mi khovu ehlathini ebusuku na? Hayi, ku ngcono uku fela emi hlathini ye zi mpisi kusale se ku ba kanye.

Ngaba no mcabango onjalo ke; angabe ngi sa libala, sengi vimbhela ukuba ngi nga nge nelwa ukwe saba. Nga mu pakamisa u Mlindi nga khuza ka khulu isiga sa kwa Vilakazi, nga gxuma nge qa u donga lwe dwala, nga poseka pakathi kwazo. Nazo futhi za gxuma za vuka zema, za vusa imi hlwenga, zi khala, na mehlo azo abomvu, za ngi nukela nge punga lazo. Zithe ukuba zi bone ukuthi, kanti umuntu lo opakati kwazo, zase zi yame saba, za baleka zahlakazeka yonke indawo, zi lakacela pezu kwa ma tshe anga ma dolo omfazi ongu Mthakathi we Tshe. Ngathi nge thuka ngase ngimi nge dwa pambhi ko Mpandu. Se ngi bona ukuthi izi mpisi se ngi ze hlulile ngi nga ka galeli no ku galela, nga be sengi ya khukhumala, ngase ngi ya emnyango wo mu pandu se ngi qholosha nje nge qhude li hambha pezu kwe ndhlu, nga fike nga lunguza pakati. Kwa fumaniseka ukuthi, nje ngoba ilanga seli thambhekekile seli qondene nomnyango, lingena li kha-

nyise ku bona kale pakati. Lapo ke futhi, Mhlopekazi ngathi uma ngi bone lapo u mpandu ugcina khona nge saba.

"Au buke nje, na khona manje! Nansiya imbhobo odongeni lo mpandu, pansi kwe thunzi lo pahla, umuntu anga pindwa ka bili ubude alingane nayo. I u mngcingwana, i pakeme,—sengathi ibi kapulutwa nge nsimbhi, umuntu anga hlala kahle nje ku yona, izi nyawo za khe zi lengele pansi. E hene, Mhlopekazi, umuntu anga hlala kuyona, aku njalo na. Na nge mpela kwa ku hleli umuntu kuyo, noma okwa ku kade ku umuntu. Kwa ku hlezi seku ama thambo omuntu, nesi khumbha esi munyama sesi bunile sa namathela ema thanjeni, sesi wa hlanganisile ukuba ange hlukani, ese sabeka kabi uma umu buka. Izandhla za khe zi sombululiwe, encike pezu kwazo, kwe so kudhla e phethe isi qepu sesi khumbha, esasi hlepuke emu tsheni wa khe. Lesi si qepu sidhliwe Mhlopekazi, sa si dhliwe uyena enga kafi. Amehlo akhe eboshwe ngomudweshu we si khumbha, sengathi ku khona owa ezi fihlela kona ukuba anga ku buki, olunye unyawo lu nga sekho, olunye, lu lenga esi go janeni so donga, lu bheke pansi, nga pansi kwalo, ku khona uku dhla ko mkhonto owe pukileyo se waba bomvu uku thomba.

Woza ke Mhlopekazi, ake ubeke isandhla sakho odo ngeni lo mpandu, uluzwe ukuthi, lubu shelelezi ka ngakanani na. Se lwaba bushelelezi nje nge tshe lo ku gaya amabele. Yini eya lenza laba bu shelelezi ka ngaka na? Ngi zoku tshela.

Mhla ngi lunguza emnyango wo mupandu, nami nga bu bona lobu bu shelelezi; pansi, pakathi emu pandwini, ku lele inkomazi ye mpisi i hehezela, sengathi kade igijima indawo ende. Yayi nkulu ye sabeka. E duze nayo ku khona enye impisi, iyi nkunzi endala emu nyama, ikhanda layo nezi nhlangoti seku qala ukuba mpunga. Kodwa,:le, ye sibili yayi mi, inkulu ku nazo zonke engi zaziyo, i uyise wazo. Nga yi buka ke ihle hlela emuva, ize ifike ngase mnyango wo mpandu

ibisi buya nge jubane iqonda pambhili, igxume i bheka pezulu emoyeni igxumela lolu nyawo ose lwa shwabana, olu lenga emgoxini wetshe. Izi nyawo zayo, zi fike zi hlale edwaleni lapo se kwaba bushelelezi khona, ibe se ngathi iya bambhelela kancane, ku zwa kale ku khala imi hlathi ithi iya mluma, aya ze ya finyelela kuye, kwa sala ka ncane imu thathe onyaweni. Ya dilikela pansi, yakhala ikhaliswa uku thukuthela. Ya vuka eye nkomazi pansi za gxuma zo zimbhili zithi zi yamu bhozomela ofile ehlezi emgoxini we tshe kodwa zi nga finyeleli onyaweni lwakhe, ku sale ibangana eli ngango bude bo kudhla ko mkonto ukuba zi fike onyaweni olu lengayo. Seu zwile ke Mhlopekazi ukuthi, lale nziwa yini itshe ukuba libe bu shelelezi lize li cwebezele. Izi nyanga nge zinyanga, ne minyaka nge mi nyaka, zazi fika izi mpisi zi fike zi pa ngelane ku lo muntu ose wa ba nga ma thambho zi funa uku mudhla. U bu suku ngo bu suku zilo ku zi gxuma zi fike zi sha yeke odongeni lomu pandu, zi nga finyeleli ku lo ku khala imi hlathi nje ezansi ko nyawo. Za lu thola olunye unyawo, kodwa olunye luya ze hlula.

Ngathi uma ngi buka nga ba no kwesaba no ku mangala, ngi buka inkomazi ye mpisi se yi khipe ulimi lu lenga, ya gxuma ka khulu, ya cishe ya finyelela onyaweni olu lengayo, kwathi nje, cishu. Ya wela pansi, nga yi bona ukuthi se ya hlulekile, ngoba yasuke ya gxuma ka khulu ye qisa ema ndhleni ayo, yalala pansi ya khala, kwa phuma igazi eli munyama emlonyeni wayo. E ye nkunzi yali bona, yasondela kuyo ya yi nuka, ithe ukuba iyi bone uku thi kanti ilimele, yayi dumela ngo mpimbho yayi nikiza. Kwa suka omkhulu umsindo wo m'bhongo wazo zombhili, zilwa zi gi ngqana pansi, enga pansi ibe nga pezulu, enga pezulu ibe nga pansi, zi lwela pansi kwakhe oseloko wahlala esa fa, i langa lase li bomvu, lishona, umsindo wo mbhongo no ku lwa kwazo kwa kwe sabeka, kwaze kwa nge nza nga qaqazela ukwe saba, nje ngo mntwana. Ya qala uku thamba eye nkomazi, ngenxa

yama zinyo amhlope awe nkunzi aye se engene ashona athi nya empinjeni we nkomazi. Ngase ngi bona ukuthi, manje na ke, yi thuba lami ukuba ngi yi shaye, ngoba izothi uma seyi yi bulele, ibi sizo bulala mina. Nga mu pakamisa u Mlindi, nga gxuma nga ponseka pakathi empandwini, ngi qonde ukuba ngi yi bulale isa bheke pansi. Ya ngi zwa ngezi gqi ngi za, uma ku nge njalo yangi bona nge si thunzi sami sesi ye ngamile. Yayi yeka eye nkomazi, ya ngi buka inkunzi ye zimpisi; ya suka kanye ithi ingi hlala empinjeni.

"Nga yi bona, nga mu pakamisa u Mlindi nga galela ngawo onke amandhla engi nawo. Nga yi shaya isepezulu emoyeni; nga yi shaya esi fubeni, yawa ya genuka ngo mhlane. Yathi nje, gubavu, yavuka ngi nga ka yi pindi, ya pinda futhi ya ngi gxumela. Nga gxumela nga nhlanye, nga yi shaya nga yi fohloza umlenze wa nga kwe so kudhla, kwa fumaniseka ukuthi, ngeke isa kwazi uku gxuma. Kepa noko ya ngi sukela isi hambha nge zi nyawo ezi ntathu, kwathi ingani ngi yayi bhonya ohlangothini, ya ngi bambha ngama zinyo ya wafaka emgodhleni we si khumba enga ngi wu bope okhalweni, aze apumela enyameni nge muva. Nga sho ka khulu nge ngila ngi khaliswa ubu hlungu nau ku thukuthela, nga mu pakamisa u Mlindi wa Mazibuko, se ngi mu bambhe ngazo zombhili nje ngo muntu egxumeka isi bonda pansi, nga finyelela ngawo wonke amandhla engi nawo ekanda layo, nga yi shaya ubu chopo ba citheka yonke indawo nje ngo muntu epuhluza imbhiza yoku peka. Ya wela pansi yafa, ya wa nami iloku ingi bambhile. Nga vuka nga hlala, nga faka uthi lwe wisa lami emlonyeni wayo, nga xazulula ama zinyo yangi dedela lapo yayi ngi bambhe khona. Ngase ngi buka ama nxeba lapo ingi lume khona; aye nge makhulu ngoba nga sizwa u mgodhla, kodwa ku se bu hlungu na manje ngo ba ama zinyo empisi anesi hlungu. Ngi the nge thuka, inkomazi ye mpisi ya yi si vukile, se yimi nge zinyawo, isi pilile sengathi ayi zange ibe nalutho; pela loko uku vela kwayo le mikho-

vu wena Mhlopekazi, ngoba noma ihlala ngo kulwa sonke isi khathi nje; ayi bulalani ife nya. Ifa uma ibulawa umuntu ku pela, kodwa nge sinye isi khathi ayi fi. Nga yi bona se yi mi nje, inga ngi buki, futhi ingamu buki naye lo mngane wayo ofile, kodwa ibuka umuntu yena lowo ohlezi pezulu ose wafa. Nga yi nyonyobela ka ncane ngi yi velela ngemuva, nga mu pakamisa u Mlindi wa Mazibuko, ngayi shaya nga yi lahla pansi ngawo onke amandhla ami, ngayi shaya nga ye pula intamo, yawa ya gingqika ya pela.

Lapo ke, nga hlala pansi ngi pumula isi khashana, nga buye nga suka nga ya emu nyango wo mu pandu nga buka pandhle. Lase li shona; se ku khona izi ndawo ezi munyama ehlathini, kodwa inhlamvu ye langa isa hlabile ku mfazi oyi tshe ose loko wahlala entabeni. Kwa fumaniseka ukuthi, ngi zolala khona lapa ngoba, noma unyezi emkhulu nje, ngi ngeze nga li fohla ihlathi ebusuku ngiye ema thafeni, ngi nge dwa ezi mpisini ezi ngaka kanye ne mi khovu. Kuthi, ingani ngi ye saba kanti njalo ngi zobuye ngi twale lo muntu owafela emgoxini we dwala. Nga bona ukuthi, cha! ku hle ngi bhace khona lapa, ngase ngi ya puma njalo empandwini sengi qonda emthonjeni opuma edwaleni lona leli, nga fike nga geza ama nxeba nga puza. Ngase ngi ya buya nga fike nga hlala emnyango wo mpandu, kwa ngi hlwela ngi lapo. Kwathi lapo ku hlwayo, kwa thula kwathi cwaka, kodwa kuthe lapo se ku pelele ukuhlwa, kwaba sengathi ku yasa e hlathini. Kwa vuka umoya, imithi kwa ba u bu yalu yalu eku khanyeni ko nyezi, kwa fana no lwandhle luyaluziswa yisi vungu vungu so moya.

Pakathi ehlathini kwe zwakala imi sindo yoku khala kwe zi mpisi ne mi khovu, kunikezelana nowe zinye ezi khala ema tsheni nga senhla—au lalele Mhlopekazi, kwa ku nje ngoba uzwa lezo ezikhalayo manje.

Kwa ku nzima kabi lapa emnyango wo m'pandu, ngoba nga ngi nga ka lazi leli tshe loku vala ngi sho noma nga ngi lazi, nga ngi ngeke ngi zi valele empa-

ndwini ne mpisi efileyo kanye no muntu owa fayo, izi mpisi ezi hlala zi funa uku methula. Nga puma nga yokuma lapaya nga bheka pezulu. Inyanga ya yi khanyise itshe, eli u mfazi, oselo ko wa hlala pezulu oko ku pela, kuze ku be nini na nini. Ngi thi uma ngi mu buka, kube se ngathi uya ngi sinekela, hau! lapo-ke nge sabe kabi, ngi khu mbhule no kuthi konje lapa yi ndawo yabantu abafile, lapo imi moya yabo i qhwakela emithini nje nga manqe, i zula izwe lonke. Nga buyela khona e mpandwini, ngi bona ukuthi, uma ngi hlezi pandhle ngi zo pambhana ikhanda nge nxa yo kwe saba, nga donsa impisi ebe ngi yi bulele ye nkunzi nga yi sondeza kimi, nga yi hlinza ngoba kwa ku khanyise u nyezi. Nga yi hlinza isi khathi eside, ngi hlabelela ngizama uku chitha ukwe saba, ngoba pakati emhumeni, nga nge saba lo muntu owafela khona, futhi kuzwakala no ku heula kwezi mpisi ezi ntabeni. Na khona pakathi emhumeni kwa kuthe bha unyezi, ngi mubona nje lomuntu kahle ose kwa sala ama thambo nesi khumbha kuye, nomu chilo obope eme hlweni akhe ubonakala. Ingabe waye wa bopeleni yena amehlo. Kwa ku ngi mangalisile nje, kodwa mhlaumbhe wa ye wa bopela ukuba anga buboni ubuso obe sabekayo bezi mpisi, na lapo sezi gxuma pambhi kwa khe zi funa uku mu bambha. Ngi sa hlezi ke, ngi zili bazise ngo ku hlinza impisi, kwa bonakala ukuthi, umsindo we zi mpisi ezikhala ezi ntabeni nase hlathini uya sondela, ngaze nga zi bona zona uqobo lwazo zi pambhana ema thunzini ama tshe pambhi kwami. Kwathi khona pambhi kwami eduze nje nga ye thuka enye seyi ngi golozele nga mehlo amabili abomvu; ihogela impisi engi yi hlinzayo ibuye ithimule. Nga shoka khulu nge ngila, nga mu pakamisa u Mlindi nga shaya. Ya khala ya nswininiza, ya baleka yayo sithela ema thunzini.

Nga qeda uku hlinza isi khumbha, nga si lahla nge muva kwami, ngase ngisi donsela osebeni lwe dwala isi dumbhu, nga sishiya kona. Nge si khashana nje,

nga zi zwa izi mpisi sezi khala eduzane futhi, nga zi bona zi mpofu ziza zi nyonyoba, zi landelana. Za fike zasi kaka isi dumbhu se mpisi, zasi dumela zasi nepunepula, za lwa zodwa kwaba ubu nikiniki kwa buye kwapela. Zase zizi khotha igazi, za pindela ehlathini za nyamalala.

Po, uthi ngake nga lala na. Pinde, nge ke ngi ku tshele. Kodwa yi loku engi kwa ziyo, ukuthi, ngathi nge thuka ngase ngi buka pezulu nga ku bona. Kwa ku uku khanya, ingabę Mhlopekazi, kwa ku uku khanya kwe nyanga yini okwenza lo ohlezi pezulu ko mpandu a khanye, kwa ku bomvu naye epakati kwakho ekhanya nje nge nto e bolile. Nga bhekisisa kwaba sengathi umhlathi olengayo uya zama zama, bese ku zwakala izwi eli puma kuwo, liyi si hosho sengathi lipuma esi gujini, nase mu pinjeni oshwabeneyo.

Lithi, "Sau bona, Galazi, mtaka Siguyana! Galazi i Mpisi! Yini, we nzani lapa entabeni ye mikhovu, lapo u Mthakati wo Mfazi we Tshe ehlala khona ku zę kube nini nanini, elinde ukuba ku bhubhe umhlaba na.

Lapoke Mhlopekazi, nga zizwa sengathi ngi mu pendula nge zwi; okwaba sengathi asi lo elami elaba lula.

"Sau bona wena ofileyo, ohlezi etsheni nje nge nqe! Lapa e Ntabeni ye Mikhovu, ngi zo funa ama thambho akho, ukuba ngi wathathe ngi wa yise ku nyoko ukuba a wa mbhele.

Se ku yi minyaka eminingi 'Galazi, ngi hlezi lapa pezulu, ngi buka izi mpisi ezi yi mi khovu, zi ngi gxumela njalo zi funa uku ngi donsela pansi. Se kwaze kwaba bu shelelezi itshe yi zi nyawo zazo. Ngi nga kafi, nga hlala lapa izi nsuku ezi yisi khombhisa no busuku obu yisi khombhisa, izi mpisi ezi lambhileyo zi nga pansi kwami, ne ndhlala isi ngi qeda. Ngi ne minyaka eminingi ngi hlezi lapa ngi ofile pakathi ko Mtakathi wo Mfazi we Tshe, ngi buka inyanga ne langa ne zi nkanyezi, ngi lalele uku khala kwe zi mpisi ezi yimi khovu, zi pange lana pansi kwami, ngi funda uku hlakanipa ko mthakathi we tshe omdala ohlezi

pezulu, eyi tshe eli nguna pakade. U mame wa ye semusha ese muhle, m'hla ngi ngena kuleli hlathi eli nemimoya yabantu aba file ngi khwela emadolweni etshe. Se waba njani nje manje Galazi na.

Ngathi, "Sewa ba muhlope, wa guga wa ba mi bimbhi bimbhi. Bathi uya hlanya, kodwa mina ngi thunywe uyena, ukuba ngi ze lapa, ngi zo funa wena Muntu Ofile, ngi pethe u Mlindi okwa ku yi wisa lika yihlo, manje seku zoba elami.

La sho, izwi, lathi, Li zoba elakho Galazi, ngoba u wena we dwa onga ye sabanga imi khovu, wenzela ukuba ke ngi thole ubu thongo ngi mbhelwe. Lalela ke, kuzoba okwakho futhi uku hlakanipa ko mfazi ongu mthakathi omdala, oseloku wa hlala pezulu ose wa penduka itshe la pakade—. Loku, okade uku bona akusizo izi mpisi, nalokuya, oku bulele, be ku nge siyo impisi; yi mi moya emibi ya bantu base ndulo, ehlalele ukuba, ize ibulawe abantu. Uya bazi ke Galazi ukuthi, ba be pila ngani noku thi, babe dhlani na. Ku bothi uma se ku sile ke, ubo khwela esi fubeni so muthakathi we tshe; ulunguze emu gaxini ose si fubeni sakhe. Lapo ke uyoku bona ukudhla kwabo ababe pila ngako. Le mpilo yabo yi khona ku lahlwa kwabo; ukuba ba hlale be zacile, be zula zula be lambhile nje nge zi mpisi, be hlala kule Ntaba ye Mikhovu kuze ku fike a bantu baba khipe, baba bulale. Ngenxa yoku lambha kwabo oku khulu, imi nyaka nge mi nyaka, ba hlala ngo ku gxuma befuna uku finyelela ema thanjeni ami; lowo omu buleleyo, kwa ku yi nkosi yabo, inkomazi ye mpisi, kwa ku yi nkosikazi yakhe.

"Manje ke, Galazi oyi Mpisi, loku engi ku tshela khona, uku hlakanipa; wena uzoba yi nkosi ye zi mpisi ezi yimi khovu, wena, kanye no munye, ozau lethwa yi bhubesi ku wena. Zi bope nge si khumbha esi mnyama ema hlombhe akho, izi mpisi zizoba se ziya ku landela; zonke ezi nga ma khulu amathathu na ma shumi ayi si thupa nantathu ezi sa sele, lowo ke ozau lethwa ku we abo zi bopa nge si khumbha.

esi mpunga. Yonke indawo lapo nina nobabili niyo hambha nazo niye khona, ziyo fike zi ba hlepu hlepule ni be hlule bafe ba pele. Kodwa, kuhle wazi u kuthi, lapo ziyo fike zini nqobele khona; yi lapo okwa thi zi se nga bantu, zazi lwa nabo. Zi yobe zi funa uku badhla. Kodwa lesisipo osi thathe ku mame sibi, ngi sho u Mlindi, ngoba, uma ubu ngamu phethe u Mlindi ngabe au zi bulalanga izi mpisi ezi yimi khovu, kodwa ke, njengoba u patha u Mlindi, nawe uyau bulawa. Ku sasa ke ubo ngi thwala ungi buyisele ku mame lapo ngi yo fike ngi lale, izi mpisi ezi yi mikhovu zi ngabe zi sa ngi gxumela. Se ngi khulumile ke Galazi.

Lase liya qalake izwi lo File uku ncipa kancane lipela lase liyo gcina ngoku holozela ngi ngabe ngi sezwa kahle ukuthi lithini, kodwa noko nga pendula ngi buza lo mu buzo.

U bani yena lowo oyau lethwa yi bhubesi kimina ukuba ngi buse naye izi mpisi ezi yi mikhovu na, futhi ungu bani igama lakhe na.

"Nga muzwa ekhuluma ofile ese khulumela pansi kancane ethi:

"I gama la khe ku thiwa, u Mhlopekazi ongu Mbulali, indodana ka Shaka, i Bhubesi lama Zulu."

Ngathi ukuba ngi sho njalo, we thuka u Mhlopekazi lapo wa ye hlezi khona emlilweni, wathi. "Yimina u Mhlopekazi" kodwa angi siye u Mbulali, futhi ngi yi ndodana ka Mbope, angi siyo eka Shaka, oyi ngonyama ya ma Zulu, beu pupa ipupo wena Galazi, uma ubu nga pupi ke, ofile ube qambha amanga.

Mhlaumbe ku nje ngo ku sho kwakho Mhlopekazi, ku pendula u Galazi, i Mpisi. Mhlaumbe bengi pupa noma mhlaumbhe ofile ube qambha amanga; kodwa noko uma ebe qambha 'manga ku lendaba, kodwa kwe zinye ube nga qambhi wona, au thule uzau kuzwa.

Se ngi ku zwile ke konke loko ku khuluma noma uku pupa; nga thathwa ubu thongo. Eku papameni kwami nga li bona ihlathi nge nzansi kwami, se li fana

ne fu le nkungu, uku khanya ko kusa se ku khanyise ubuso bo muntu ohlezi etsheni nge nhla. Nga likhumbhula ke ipupo ekade ngi li pupa, ngathi ngi zoke ngi bone ukuthi, nange mpela beku yi pupo na. Nga vuka nga puma empandwini nga yo cinga indawo yoku khwela pezu kwo mfazi oyitshe. Nga khwela ke se ku sile se ku khanya, nami nga jabula uku mbukisisa kahle. Kodwa uma sengi seduze, akwabe kusa bonakala ukuthi lamatshe afana no mfazi, kwase kuba ama gedu gedu enqwaba yamatshe odwa nje. Ba njalo abathakathi baba fazi wena Mhlopekazi, ngoba noma eyi simo se tshe noma se nyama, uma seu seduze naye, uya si shintsha isimo sakhe.

"Nga fika ke esi fubeni se ntaba, nga hambha hambha pakathi kwe zi nqwaba za matshe. Ngaze nga fika ke o fantwini lwetshe olu banzi, okungathi uma u lweqa ungaze ugxume ka tlhathu, ubude ba wo bu ngango mjikijolo wo mkhonto uma u wu ciba, eduze nawo lo mfantu, ku khona amatshe ama khulu, afuswe yi ntuthu, nga pansi kwa wo ku khona izi mbihza ezi file no mu mese wetshe. Nga lunguza pakathi ofantwini—lwa lu julile kakhulu se lwaba ne nkwethu elu hlaza, ne mithi emi ncane efana ne nkoma nkoma i mile pakathi, ku yi ndawo ehlala iswa keme. Kwa ku nge kho lu tho futhi. I pupo lami lali nge silo kahle nga ngi pupe amanga, nga guquka se ngi hambha, kwa se ku fika omunye umcabango, ngase ngi ngena pakathi emfantwini, nga zi penya izi hlahlana zemithi efana ne zi nkhoma nkhoma, nga pansi kwazo, ku khona inkwetu; nga yi susa ngo Mlindi. Kwase ku vela into elu khuni, empofu eyi ndilinga nje nge tshe, sengathi iyi gobongo pakathi. Nga yi pakamisa. Hau Mhlopekazi kanti u gegeba lwe nhloko ye ngane.

Nge mbha, nga panda panda futhi, nga fika lapo ku ama thambho abantu odwa—amadala asa hlala imi nyaka emi ningi; ama ncane esa bola seku sele ama khulu odwa, amanye esa penduka aba mpofu, amanye esaba mnyama, amanye eseloku emhlope. Aye

nge pukile, nje ngalawo asuke ekade èdhliwa ama nkentshane nezi mpisi, kodwa kwa manye ngangi bona sengathi kwa ku dhla ama zinyo.

Lapo ke, Mhlopekazi, nga se ngi buyela em'pandwini, angaze nga bheka ngase muva.

U ma sengi se m'pandwini, nga yi hlinza nayo inkomazi ye mpisi. Nga yi qeda ilanga seli pezulu, seku yisi khathi sokuba ngi hambhe. Kwa ku fanele ngi hambhe naye ohleli opezulu emgoxini we tshe. Nga ngi mesaba kabi u kumu thinta lo muntu ofile, owaye khulume nami nge pupo; noma ku njalo, kwa ku funeka ngi hambhe naye. Ngase ngi butha amatshe ngi wa nqwabela, ngase ngi khwela pezu kwawo ngi methula, wa se elula ngoba pela kwase ku yisi khumbha na ma thambho odwa ku pela. Ngase ngi zi songa nge zi khumbha ze zi mpisi, ngau yeka umgodhla ngoba waye nge na ku ngena ku. wo, ngoba imi lenze ya khe yayi xamalazile, nga mu bambha ngalo unyawo olwa lu sasele, nga hambha nga qonda ngase khaya, nge hla nge jubane eqeleni ngoba ngase ngi yazi indhlela, ngi ngasa boni lutho, nginga sezwa na lutho, ku pela kwa ba kanye lapo nge zwa ku khala ama piko, kanti yi nqe elikhulu le hlela pezu kwa loku engi ku belethile emhlane, nga khuza kakhulu, lase liya baleka, ngase ngi ngena ehlathini lapo ku mnyama khona. Lapoke kwa funeka ukuba ngi hambhe kahle, nge nzele ukuba ikhanda la lomuntu engi mu thweleyo, li nga shayeki emagatsheni bese liya hlusuka.

Kwaze kwaba yisi khathi ngi hamba ka njalo, ngaze ngaba se duze na pakathi kwalo. Ngase ngi zwa impisi ikhala nga kwe so kudhla, ze zwakala ngakwe so ku nxele zi pendulana, ezinye za khala nga pambhili kwami nanga semuva kwami. Nga hambha nje nge sibindi ngoba ngi ngase na ko ukuhlala, sengi bona nge langa lapo ngi ya khona, obe kuthi nge sinye isikhathi ngi libone li bomvu nge zi khala za ma gatsha emithi. Nga qala ke manje uku bona izi thunzi ezi mpunga nezi mnyama; zi nyobozela eduze ne ndhlela engi hambha

ngayo, zi hogela emoyeni, ngase ngi fika endaweni eu bala encane, lapoke, nga bona zonke izi mpisi zo mhlaba zi buthene ndawonye. Inhliziyo yami ya ncibilika yaba amanzi, imi lenze yami ya gedezela. Zazi yi zilwane ezi nkulu eze sabekayo ezi lambhileyo. Nge ma nga thula ngi pakamise iwisa, zeza kancane zi nyobozela, ziza zi ndonda zi vungama, zaze zaba yisi zingelezi, ngaba pakathi, kodwa noko, azaze zangi dumela, za loku zi sondela njalo zaze za seduze ka khulu. Masinyane ya dumela enye, kodwa inga dumeli mina idumela engangi kwe tshethe ema hlombhe, nga khwesha, ye hluleka yaye ya hlaba pansi, yema ya vungama nje nge silwane ese sabayo. Ngase ngi yawa khumbhula amazwi epupo lami, ingabe kwa ku yi pupo yini. Ofile waye ngi tshele ukwazi ukuthi, ngi yoba yi nkosi yezi mpisi ezi yi mi moya ya bantu abafile, ngi be nomunye umuntu oyo lethwa yi bhubesi kimi—Aku banga njalo na. Uma ku nga khulumekanga ka njalo, kepa kwe nziwa yini ukuba zonke lezi zimpisi zinga ngi dhli na..

Ngema isi khashana ngi sa cabanga nga se ngi memeza, ngi khala nje nge mpisi, lapo ke Mhlopekazi, ze zwakala, za khala zonke izi mpisi, kwa duma yonke indawo zi ngi pendula. Nge lula isandhla ngazi biza, za gijima zeza kimi, za fike za ngi kaka sengathi zizo ngi dhla. Kodwa azi nge nzanga lutho; za fike za ngikhotha ezi thweni zami nge zi limi zazo ezi bomvu. Zalwa zodwa zi banga ukuza kimina, zazi gudhla gudhla kimi nje nge kati. Enye yona yathi ayi muthathe lo engi mu belethile emhlane, nga yi shaya ngo Mlindi, ya nyobozela ya pindela emuva nje nge nja i shayiwe; kanti njalo ne zinye za yi luma; ya khala. Ngase ngi qonda ukuthi, angi se sabi lutho, ngoba ngase ngi yi Nkosi ye zi mpisi ezi yi mi khovu, nga se ngi ya hambha njalo ngi landelwa yi wo wonke umhlambi, nga hambha nazo zi khenketha eceleni kwami ngoku thula, kwaba ubu fohlo fohlo ama qabunga omileyo, kwa suka olu khulu uthuli, za ngi landela ngaze nga fika eku peleni kwe hlathi.

Nga se ngi ya khumbhula lapo ukuthi, aku funeki ngi bonwe abantu ngi hambha ne zi mpisi, ngoba bangathi ngi u mthakathi ba ngi bulale. Ngathi lapo sengi puma ehlathini ngema, ngazi pindisela emuva. Lapo ke za khala ngo ku dabuka, sengathi zi hlupekile, kodwa nga zi tshela ukuthi, ngiya buya ngi zoba yi nkosi yazo, kwa ba sengathi izi nhliziyo zazo zobu lwane ziya ngizwa ukuthi ngi thini. Zase zi ya hambha zonke, zi khala njalo, ngaze nga sala ngedwa.

Manje na ke, Mhlopekazi, yisi khathi so kulala; indaba yami se ngo yi qedela ngo muso kusihlwa.

## ISAHLUKO XIV

### Aba Zalwane be zi Mpisi

Manje ke, baba, nga ngo muso ku sihlwa, uMhlopekazi no Galazi i Mpisi, babe hlezi botha umlilo futi emnyango wo mu pandu, nje ngoba sihlezi ku sihlwa nje, baba, u Galazi wayi qala ke indaba.

Nga hambha ke ngaze nga fika e mfuleni; wau sa gcwele nje nga ku qala, kodwa se we hlile ka ncane, amanzi ekhaula ezi ndololwaneni, nga wela ngi dondolozela ngo Mlindi. Kwa ku khona umuntu enga pe sheya ko mfula, wa ku bona enga ngi ku belethe emhlane, kanye ne si khumbha se mpisi ekhanda, wa wagijima waya e khaya, ehambha ememeza ethi: "Nangu umuntu ekwele impisi e hambha ngayo emanzini."

Kuya lapo se ngi sondela ekhaya, abantu ba khona bonke ba puma babutana isi xuku, bangi hlangabeza. kwa sala isa lukazi ngoba singa sa kwazi uku hambha, Bangi bona nge hla eqeleni ngiza, uma sebe kubona engi ku thweleyo ukuthi ku yini, ba qala ukwe saba. Kodwa aba balekanga ngoba, ba be mangalisiwe ka khulu, ba hambha pambhi kwami be hlehla nyova.— Nami futhi nga hambha ngi thule nje, nga ze nga fika

e khaya, esangweni lalo wo muzi ku hlezi sona isalukazi si thamele ilanga la ntambhama. Sa ba buka sathi:

Kwe nze njani, bantu balapa ekhaya na, yini ukuba ni hlehle nyovane se ngathi ni thakathiwe nje na, ubani lowa muntu omude, ose ngati ufile oza kinina na.

Ba hlehla njalo njalo be nga sho lutho, izi ngane za bambhelela ko nina, aba fazi ba bhaca nge muva kwa ma doda, bathe ukuba ba dhlule esa lukazini, base be kxela emuva kwaso nje nga ma sosha. Ba fike bema, bencika uthango lo muzi. Ngeza mina, nga qonda esalukazini, nga fike nga methula ose mhlane, nga mu beka pansi pambi kwe salukazi, ngathi: "Mfazi, nanso indodana yakho; ngi yi khipe emi lonyeni yemi khovu ka nzima - miningi ilapaya—indodana yakho, aiyonke kodwa, aluko olunye unyawo, angi lu tholanga. Mu thathe ke uyomu mbhela khona manje, sengi diniwe uyena."

Sa yi buka isalukazi lento epambi kwaso. Selula isandhla saso esi shwapeneyo, sau susa umchilo emehlweni asa shona pakathi. Sa sho ngomu khulu umnswininizo, samu bambha nge zingalo zombhili entanyeni yake Ofile, sathi: "Iyo indodana yami enga yi zala—uqobo lwayo, ose kuze kwa pela iminyaka eyi shumi eli pindwe kabili ne nxenye ngi nga sa muboni. Sau bona, ndodana, saubona! Namuhla ke, uzau thola uku mbhelwa, nami ngi zo mbhelwa nawe—yebo, nami nawe!"

"Sa pinda futhi sa khala kakhulu, se simi nge zi nyawo, se lule izi ngalo. Masinyane kwase ku khihliza ama gwebu emlonyeni waso, sawela pezu kwe si dumbhu somu ntanaso, safa.

Kwa thula kwathi cwaka, ngoba bonke babe saba. Isi gcino, we zwakala omunye, wathi: U ngu bani yena lo muntu oye wa thatha umuntu ofile emi khovini na.

I gama lami ngi ngu Galazi, ku sho mina. "Hayi, ausiyo i Mpisi igama lakho na. Ake ni bheke isi khumbha se mpisi esi bomvu e khanda lakhe!"

Nga pinda futhi, ngathi, mina ngi u Galazi, nalelo ongi qambha lona se ku yilo: Ngi u Galazi, i Mpisi.

Mina ngi cabanga ukuthi, uyi mpisi, ake niwa buke ama zinyo akhe uma ewa sineka! Aku siye umuntu lo bafowethu, yi mpisi.

Omunye wathi, aka siye umuntu, futhi aka siyo impisi, kodwa u mthakathi, ngoba amukho umuntu onga hambha ku leli hlathi nga pandhle ko mthakathi, aze, ayofika pansi kwa lowaya owa hlala pezu kwe tshe okoku pela.

"Yebo, yebo! uyi mpisi—ungu mthakathi!" sebe sho bonke. Mu bulaleni! Bulalani impisi—mthakathi, angaze asi lethele impi yakhe ye mi khovu! Ba ngi sukela, sebe ngi pakamisele imi khonto.

"Na nge mpela ngi yi mpisi, ku sho mina, ngi u mthakathi uqobo lwakhe, ngi zoni fikela nge zi mpisi ku se njena nje." Nga fulathela, nga baleka, nga ba shiya. Ngi sa baleka nga hlangana ne ntombhazana; itwele iqoma lombhila ekhanda, nge sandhla, ipethe izinyane le mbhuzi eli file, nga qonda kuyo ngejubane, nga fike ngaye puca umbhila ne zinyane le mbhuzi, ngi khala nje nge mpisi. Nga baleka, nga ye nga fika emfuleni ngau wela, kwathi lapo se ku hlwile, nga bhaca ematsheni nga pesheya, ngaudhla u mbhila ne nyama ye mbhuzi.

Nga ku sasa, lapo ku sayo, nga vuka, nga thuntutha ama zolo esi khumbheni se mpisi. Ngase ngi ngena ehlathini ngi khala nje nge mpisi. Ya lizwa ilizwi lami imikhovu eyi zi mpisi, nayo ya khala izwa mina, eminye ikhala eduze, eminye ikhala kude. Ngau zwa umsindo wezi nyawo zazo seziza, za fika nga ma shumi na nga mashumi amabili, zafike za ngi kaka, za ngi bungaza, nga zi bala ukuthi zi ngaki; za hlangana ama khulu ama thathu na mashumi ayi si thupa na ntathu.

Ngase ngi suka sengi ya empandwini, uyabona ke Mhlopekazi, se ku yi zi nyanga e zi yi shumi na zimbhili ngaba yi mpisi. Ngi zingela nga zo, ngi gebenge ngazo, zi ya ngazi, zenza konke engi zi tshela kona. Au kahleke, Mhlopekazi, uma umzimbha wakho seu qinile, nawe u nesibindi, namuhla ku sihlwa nje, uzau bona. Kunjani ke, unaso isi bindi Mhlopekazi na.

Wa sukuma u Mhlopekazi, wa hleka ka khulu. Wathi, ngi se musha, angi ka peleli ebu dodeni: kodwa angi kaze ngi balekele noma yi bhubesi noma umthakathi, noma yi mpisi, noma umuntu, ake siyi bone le mpi yakho le emnyama ne mpunga, ehambha nge zi nyawo ezine, emi khonto yayo ku nga mazinyo!

Wathi u Galazi ku Mhlopekazi: "Qala ngo ku zi bopa nge si khumbha se nkomazi ye mpisi, ngoba ku ngathi ku ngaka bikho pi, bese zi ku dabule za ku qeda wa pela nya. Si bopele entanyeni nase ma kwapeni, uzi qinise zithi ngqi, zi nga qhumi, ngoba uma zi ke za qhuma, uyobe ufile.

Njalo ke u Mhlopekazi wa si thatha isi khumbha se mpisi esi mpunga, wasi bopa nge zi nqotho ze si khumbha, wa sithi mbho, ekhanda ama zinyo aso ahlala pezu kwe khanda lakhe, wase e thatha umkhonto eu patha. U Galazi yena wa bopela ese nkosi ye zi mpisi, bapuma ke baya ebaleni eli pambhi ko mpandu. U Galazi wa fika wema lapo isi khashana, unyezi wa mu khanyisa ebusweni, u Mhlopekazi wa bu bona ubuso bu ka Galazi, se bu penduka bu fana nje ngo be silwane, na mehlo akhe, ase aya cwebezela, na mazinyo ase esi neka. Wa pakamisa ubuso wa bheka pezulu wa heula kakhulu ebu suku. Waze wa pinda ka thathu. Kunga ka peli uku hlokoma kwe zwi lakhe, zase zi zwakele izi mpisi zi sabela yonke indawo, pezulu ematsheni na pansi ema hlathini, naku zozonke izi ndawo, zi sondela eduze, kwaze kwe zwa kala ubu gidigidi bezi nyawo zazo, kwa fika e nkulu empunga igijima iza kubona, ya landelwa ezi ningi

ezinye. Za qonda ku Galazi, za khwela kuye, zi mu bungaza, wa zi shaya .ngo mlindi wa ze hlisa. Masinyane za mubona u Mhlopekazi, zamu sukela zi mu khamisele imilomo.

"Wathi u Galazi, yima isibindi unga zamazami, U ngesabi". Wathi u Mhlopekazi, Ngi yavama ukudhlala ne zinja. Uthi ngi ngabe sengi ya zesaba na.

Kwathi ingani ukhuluma ngesibindi, kodwa enhliziyweni yakhe wayesaba, ngoba kwakwesabeka kabi, zamusukela ke izimpisi sezi mukamisela imilomo zimu velela ngase muva nanga pambhili, kwathi ngesikhashana nje, zamu kaka akabe esabonakala, kodma ayibangakho eyamuluma ngoba zazithi uma zikhwela kuye, zimuzwe enuka isikhumbha sezimpisi, bese zidilikela ezinyaweni zakhe pansi, zizi gudhle kuye, zimu khothe. Wabuye wazi bona ukuthi azisa khweli kuye, kodwa ezezinkomazi zabuthana kuye ngoba embhethe isi khumbha sempisi yenkomazi. Lezi zinkomazi zinkulu, zondile, zilambhile, sezizindala zonke, zazingekho ezincane, zizi ningi umuntu engenaku zibala ngo nyezi. Uma u Mhlopekazi ezibuka, amehlo azo abomvu, wezwa inhliziyo yakhe isifana neye mpisi, naye futhi wase epakamisa ikhanda ese hewula njenge mpisi, nezi mpisi zezinkomazi nazo za hewula.

Manjena ke, sezipelele; akuyiwe ko zingela! "Kusho u Galazi. Qinisa izinyawo zakho mfowethu, ngoba siya kude kusihlwa nje. Heyi, Zinywelimnyama! heyi, Khalelimpunga! heyi, bantu bami abamunyama naba mpunga, akuhanjwe! akuhanjwe!"

Wa sho qede wa sukela kanye no Mhlopekazi, emuva kwabo kwathi niki izi mpisi eziyi mikhovu. Kwa gijinywa kwe hliswa iqele, ku ngqeshezwa ema tsheni nje nge zi nyamazane. Kwaye kwe miwa e mu hosheni one mithi ehlangeneyo. U Galazi wema epakamise u Mlindi, ne zi mpisi ze ma naye.

"Wathi: ngi zwa ku nuka inyamazane: pakati bantu bami, pakathi!"

Za sho pa kathi izi mpisi emhosheni omkhulu zi nga bangi mu sindo, uGalazi no Mhlopekazi, ba buyela nge nzansi kwa wo, bali ndela khona. Masinyane kwe zwakala ubu fohlofohlo kwe puka amagatsha, nanso inyathi pambhi kwabo, inkunzi ya khala ngokwe sabekayo i hogela emoyeni.

Lena ke, izo sigijimisa ka khulu mfowethu; uyayi bona ilu gaqasana, yo ndile! Hau! abantu bami bavuse inyama ethambhile!"

E sa sho njalo u Galazi, izi mpisi ezi pambhili, za puma eme nweni, zayi bona inyathi; za khipa izi limi, za yi sukela. Yazi bona inkunzi ye nyathi, ya hulukushela ye hlisa u khalo, u Galazi no Mhlopekazi baba se muva kwayo, ya landela ke yonke impi yabo, kwa duma amatshe umsindo wo ku zingela. Ba hulu kuqela behlisa iqele, u Mhlopekazi wa fikelwa umcabango wo kuthi, naye uyi mpisi. Ba gijima bazi bulala, u Mhlopekazi ene jubane isibili, ku nge kho mpisi emu shiyayo ngo ku gijima, yinye ku pela into aye yi gijimela,— waye funa uku bulala inyathi: Manje ba se bese duze ne hlathi, wa memeza u Galazi. Wa biza u Khalelimpunga no Zinywelimnyama, no Gazi no Bambhuzufe, lezoke zozine, za pumela pambhi kwe zinye, za gijima kakhulu, za nwebeka izisu za zo zaze za cishu ku thinta umhlaba. Inyathi za fike zayi dhlula nga lapa na nga lapa, za yi khalima ehlathini, za yi bhekisa eqeleni lo khalo. Ya penduka inyathi ya bheka enhla, ye nyusa intaba, eceleni kwayo, ku u Khalelimpunga beno Bambhuzufelele, nga nhlanye futhi kwayo, ku u Galazi no Zinywelimnyama, nge muva kwe nyathi ku yibo abazalwane be zi mpisi, aba fana bobabili, be landelwa yibandhla lonke lezi mpisi, zonke zi lengise izi limi. Kwathi, niki, ngamajubane kwe nyuswa intaba. U Mhlopekazi adinwanga ingani wa ye sa vuka eku guleni, enga ko qini. Abanga nalo ipika. Bayi xosha inyati baze ba fika e Tsheni eli u mthakathi empandwini. I fakile inkunzi ye nyathi nge jubane, se ku ngathi iya hlanya nge nxa yokwe saba ukufa. Yazi

shiya izi mpisi. U Galazi wa bheka u Mhlopekazi wamu funyanisa ese celeni kwakhe, wa hleka.

Wathi, ugijima kahle mfowethu kanti uvuka eku guleni, Ake si gijime ka khulu sibone ukuthi unga ngi shiya yini! Ke sibone ukuthi ubani oyo fika kuqala enyathini na.

Inyathi nga pambhili, yayi ngase silo ibanga elide. U Mhlopekazi wa hleka uma e buka u Galazi, wathi, "Kulungile!" "ba thathela!"—bayi bona inyathi se yi ba se duzane wa qinisa u Mhlopekazi we lula, uthe lapo ese thi uya bheka wazi funyanisa ese yedwa, u Galazi ese sele, wayi bona inyathi isi se duze kakhulu, Amukho owa ye ne jubane nje ngo Mhlopekazi. Wayi fica inyathi isi khathele. Wa fike wa bambhelela kuyona emhlane nge zandhla, wa gxuma wa yi gibela nje nga belungu be gibela i njomane. Wa pakamisa umkhonto wa yi gwaza pakathi kwa ma hlombhe, masinyane ya ndiyazela, yema, yavuma pansi yafa.

Wa fika u Galazi. Wathi u Mhlopekazi ku Galazi. "U bani one jubane kakhulu ke Galazi na. Yimina yini, noma u wena, noma yimpi yakho ye zi mpisi na.

U wena one jubane Mhlopekazi, kusho u Galazi ehehezela. Amuko onga gijima nje ngawe, futhi asoze abe khona."

Za theleka ke izi mpisi, zazi yoyi shaya zi yi bhuqe inyathi, uma u Galazi azi shayanga wazi pindisela emuva, kwa hlalwa kwa punyulwa isi khashana. Wase ethi u Galazi, asi sike inyama ngo mkhonto.

Ne mbhala ba yisika inyama ye nkunzi ye nyathi, sebe yi qedile, u Galazi wa zi khombhisa izi mpisi ukuba ziyi dhle, zayi thelekela, zalwa zi lumana zodwa zi yi banga. Nge si khashana nje, ya pela kwa sala ama thambho ama khulu odwa, nge nxa yo buningi be zimpisi; iyi nye yathola iqashana elincane.

U Galazi no Mhlopekazi ba buyela emu pandwini bafike ba lala.

Nge m'va kwa loko u Mhlopekazi wamu xoxela yonke indaba yakhe u Galazi, uGalazi wase mu nxusa

u Mhlopekazi ukuba, asale ese hlala naye abe umfowabo, babuse isizwe sezi mpisi, noma ufuna uku hambha uyo funa uyise u Mbope emzini ka Shaka.

U Mhlopekazi wathi, yena u cabanga uku yo funa udadewabo u Nada, wathi yena seu diniwe umuzi ka Shaka, kodwa uhlala e cabanga ngo Nada imini no busuku.

"U pi kanti lo Nada u dadewenu na. Ku bu za u Galazi.

U lala emi humeni yakini Galazi: u hlala na ba kwa Vilakazi.

"Au kahle Mhlopekazi;" yeka nje size si khule sibe amadoda, ku sho u Galazi. U ma se si khulile ke, siyo hambha siyo mu thatha khona emi pandwini kwa ba kwa Vilakazi.

Nga leso sikhathi ke, inhliziyo ka Mhlopekazi, yase ingenwe uku fisa ukuba abe yi mpisi, naye wa yi vumela inhliziyo yakhe, nga ku sasa ke wa bu ngena ubuzalwane bo bu mpisi, wa zi misela ukuthi, seu yoba kanye nazo kuze kube se ku feni, efunga pambhi kwalo lonke ibandhla lezi mpisi ezi yi mikhovu, za khala izi mpisi zizwa be nuka igazi la bantu, kwa funyaniseka ukuthi laba ba fana baya lingana ku kho konke, nezi mpisi ezi yi mi khovu ziya ba lalela boba bili, ku kaningi bezingela ndawo nye nezi mpisi uma ku unyezi ebusuku. Nge zinye izi khathi, bau wele umfula bayo zingela nga pesheya ema thafeni ngase mizini yabantu, bapume abantu emizini bezwa uku khala kwe zi mpisi eziningi, ba zi buke zi dhlula, zi hambha na bantu nge sinye isi khathi abe munye umuntu ohambha nazo. Bese baya sho ukuthi, namuhla imi khovu ipumile, ba buyele ezi ndhlini be qaqazela ukwe saba. Kanti aba zalwane be zi mpisi kanye nezi mpisi zabo aba bulali muntu, bafuna izi nyamazane ku pela, nge sinye isi khathi ba funa izi ndhlovu na ma bhubesi.

Kwathi ke lapo u Mhlopekazi ese qede izi nyanga entabeni yo mthakathi, kusihlwa wa pupa u Nada eku vukeni kwakhe, kwa ba sengathi uzokuzwa izindaba

ngami, mina Mbope, uyise, nokuthi ingabe ngivelelwe yini mina no nina, kanye no Nada udadewabo, kanye nabanye bakwabo. Wase ebhinca, wa hambha eshiya u Galazi, wehlela emzini lapo kwa kuhlala khona isalukazi, wafika wathi uyi ndodana ye nkosi, upuma kude, ufuna uku ganwa. Abantu ba ku lowo muzi bamu lalela, bem'bona kodwa ukuthi, ubuso bakhe, buye sabeka bufana no bo hlanya, omunye waze wa buza wathi, imbhala aku siye nje u Galazi oyi mpisi no ngu mthakathi na. Wa pendula omunye wathi, aku siye u Galazi ngoba bayamazi sebake ba mubona. U Mhlopekazi wathi yena amazi u Galazi na nge zimpisi zakhe, azi lutho esa sho njalo, kwa fika impi yama doda anga mashumi ayisi hlanu, ya ngena khona lapo ekhaya. U Mhlopekazi wazi buka izi nduna zayo, waza zi ukuthi yizi nduna zi ka Shaka. Wa qale wa funa uku khuluma nazo, kodwa idhlozi lakhe, la mu thulisa. Wase ehlala wa khobela emsamo pakathi endhlini, wa lalela. Ku se njalo, umnikazi muzi ese qaqazela ngo kwesaba eno mucabango wo kuthi, lempi, ithunywe ukuba izo vimbhezela umuzi iwu bulale, wa buza enduneni, ukuthi, kwenze njani.

"Yathi induna, size nge ndatshana encane nje, enge lutho." Si thunywe yi Nkosi, ukuba sihambhe sifuna umfana othile, u Mhlopekazi indodana ka Mbope, oyi nyanga ye Nkosi. Ngoba wathi u Mbope, lo mfana wa bulawa yi bhubesi nga kuzo lezizi ntaba, u Shaka ufuna ukuzwa ukuthi loko kuyi qiniso yini na".

Wathi umnumzane, asazi lutho nga lowo mfana. Kodwa uma nimu thola niyo menzenjani na.

Yathi induna "Simu funela uku mu bulala nje ku pela".

U Mhlopekazi wathi nge nhliziyo, Ku zau lunga. Wa buza futhi umnumzane wathi, "Ubani yena lo Mbope na".

"Yathi induna, U menzi wo bubi, i Nkosi se yau shanela wonke umuzi wa khe, ya bulala, ndoda, mfazi, ngane".

## ISAHLUKO XV

### U KU BULAWA KWA BA BULALI BE NKOSI

E ku zweni kwakhe lawa mazwi, u Mhlopekazi inhliziyo ya khe ya vutha esi fubeni sa khe uku thukuthela, ngoba loko ku khuluma kwa menza ukuba acabange ukuthi, mina Mbope se nga fa kanye na bo muzi wami kanti waye ngi thanda, kangaka. Kodwa wa thula nje, wa nga sho lutho, wa nyenya wa hambha nge muva kwabo, wa puma be nga mu nakile futhi be nga m'boni ukuthi ungu bani. Wa shaya wa chitha nge jubane wa welela nga pesheya entabeni ye mi khovu. Induna ya sala imu buza umnumzane womuzi ukuthi, ama zi yini lo mfana aba mu funayo na. U mnumzane wa yi tshela ngo Galazi i Mpisi, Induna yathi, aku siye lowo ngoba, u Galazi seu ne zinyanga ezi ningi ehlala eNtabeni ye mi khovu.

Wathi umnumzane, kodwa ikhona enye insizwa engi yaziyo, eye sabeka, yi nde, ina mehlo akhazimula nje ngo mkhonto. Ikhona lapa endhlini, ihlezi la paya e thunzini.

Ya sukuma induna ya yo buka e thunzini, kodwa u Mhlopekazi wa ye nga seko.

Wa thi umnumzane "Hau! kanti lomfana seu balekile, kanjani lokhu abonwanga umuntu epuma! Mhlaumbhe naye ungu mthakathi! Yebo, ngi yezwa ukuthi ba bili aba hlala entabeni ye mi khovu, ba zingela ebusuku nge zi mpisi ezi yimi khovu, kodwa angazi noma kuyi qiniso yini loko."

Yathi induna inhliziyo yami ithi angi ku bulale, ngoba umu dedele lo mfana wa baleka nginga ka muboni. Impela uyena lowo u Mhlopekazi ka Mbope.

Wathi umnumzane, aku siyo indaba yami. Laba bafana ba nga ba thakati, ukhona yini onga ngena lapa abuye apume enga bonwa muntu na. Ngi ngathi nje ku we nduna ye Nkosi, uma ufuna ukuya entabeni ye mi

khovu, unga hambha wedwa kanye na ma butho.akho ohambha nawo kube u ku pela, ngoba amukho lapa onga linga aye khona.

Yathi induna "Mina ke, ngi ya khona ku sasa. Se saba ne zi bindi thina emzini ka Shaka. Abantu ba khona, aba ye sabi imi khonto ye mi khovu, naba thakati ne zilwane, be saba inkosi ku pela. Se ku hlwile sipe ukudhla. Siyo vuka siyo funa khona entabeni."

Ya sho njalo ke baba induna ye nziwa uku ngazi-ingazi ukuthi ela ku sasa ilanga iyo libuka ili gcine.

Wa fika ke u Mhlopekazi entabeni, ese li dhlulile ihlathi, ngoba nezi ndhlela za khona, waye se ezazi, ngoba, kwa se ku hlwile, kwathi uma se ku munyama za vuka izi mpisi za heula zi sondela. U Mhlopekazi naye wa heula, kwa se ku fika enkulu uBambhufele-khona, wa fika kuye. Wa yi bona u Mhlopekazi wa yi biza nge gama layo; kodwa pinde ayaze ya mazi, ya mudumela igwavuma. Wa khumbhula uMhlopekazi ukuthi, konje isi khumbha se mpisi asi fakanga. Kanti uma ku se mini, uya hambha nje pakathi kwazo, enga si fakile, kodwa uma se ku hlwile, ange qale ahambhe enga si fakile. Waye si shiye ngoba, wa eya ku bantu emzini we salukazi—, wa ye nga qondile uku buyela entabeni nga lobo busuku, waye cabanga ukuthi, uyo buya kusile.

Wa bona uMhlopekazi ukuthi use ngozini enkulu impela. Impisi eya fika kuye ku qala, u Bambhuzufele-khona, wayi shaya nge wisa wa yi pinde lisela emuva, emuva kwayo zase zi khona ezinye, nge si khashana nje, za fika izi mpisi zaba ningi. Wa qala ukwe lula nge jubane eqonde empandwini, ese bona ukuthi, izi mpisi zi zo mudhla isi bili. Wazi shiya nge jubane, ze-hluleka zithi zi yamu thatha, enye yaze ya finyelela-nga ma zinyo emu tsheni wa khe, yau gqashula. Wa gijima nge jubane angaze anga gijima ngalo, waze wa fika emu pandwini, wangena wavala ngomnyango wa khona wetshe, izi mpisi za fike za shayeka ku wona

ngo buso. Wa fike wa sifaka isi khumbha sakhe se nkomazi ye mpisi, wase euvala umnyango we tshe, ese puma. Za mubona izi mpisi za mazi ukuthi, uye ongu mbusi wazo, zase zi nyobozela, zimu lalela akushoyo.

Wa hlala pansi ke u Mhlopekazi emu nyango womu pandu, wa lindela u Galazi, wa cabanga. Masinyane u Galazi wa fika, nga mazwana amafushane, u Mhlopekazi wamu tshela uGalazi okwenzekileyo.

Wą pendula wathi u Galazi, "Be uzi fake engozini enkulu mfowethu. Manje ke ku zau thiwani na."

Wathi u Mhlopekazi, "Sizau kwenza nje Laba bantu be thu, ba lambhele inyama ya bantu, kuhle si be suthise ngama butho ka Shaka, ahlezi lapaya ku lowa muzi afuna uku ngi bulala. Ngi funa uku pindi sela u Mbope u baba nabo bonke aba kwethu aba file, na wo mame aba fazi baka Mbope. U thini ku loko Galazi na?"

U Galazi wa hleka ka khulu. "Wathi, loko ku ngaba kuhle ka khulu mfowethu Se ngi diniwe uku zingela izi lwane, ake si zingele abantu ku sihlwa nje."

"Yebo, khona ku sihlwa nje." Kusho u Mhlopekazi enqekuza nange khanda. Ngi fisa ukuba ke ngi yi bone leya nduna, isi fiso sami sinje nge sentombi ifisa ukwanga isoka layo. Kodwa ake siqale ngo ku pumula si thole no ku dhla ku qala, ku nga ka hlwi ka khulu em'va kwa loko ke, wena Galazi, uyo biza impi yethu.

Ba pumula, ba dhla, bathi ukuba ba qede, ba hloma, ba puma u Galazi wa zi biza izi mpisi ngo ku lingisa zona uma zi khala, za fika, ziza nga ma shumi na nga ma shumi nga ma bili; zaze za pelela zonke. U Galazi wase ehambha pa kathi kwazo, ehamba evivinya i wisa lakhe u Mlindi, zi hlezi zona zi qosheme, zi mubuka ngamehlo azo amabi. Wathi,

Asi zuku zi zingela izi nyamazane ku sihlwa nje bantwana bami," si zo zingela abantu, ngoba niyayi thanda inyama ya bantu.

Za khala zonke izi mpisi sengathi zi yezwa ukuthi ku thiwani. Zase ziya zi khetha zona ngo kwazo, eze zi nkomazi za landela u Mhlopekazi, eze zinkunzi za landela uGalazi, kwa hanjwa ngo ku thula masinyane kwehliwa ku qondwe ethafeni. Kwa fikwa emfuleni, kwa hlanjwa kwa welwa. Uma sebe nga pesheya umuzi okwa ku yiwa ku wona wa use yi bangana. Base ba ya hlangana ba bazalwane bobu mpisi, bathe be suka lapo, u Galazi nezi mpisi ze zi nkunzi, wau velela ngase nyakatho umuzi wa qonda esangweni langase ningi zimu. Ba finyelela kahle ku lama sango ngo ku thula, bazi thutisa izi mpisi ukuba zi nga khali. Ama sango aye valwe nga mahlahla ameva, ba wa donsa, ba wa susa, za bezwa izinja zase khaya be sawa esusa, zavuka, za puma zi khonkota zi qonde esangweni eli ngase ningizimu; za fike za mu dumela u Mhlopekazi zi muzwe ngo moya owau ya nga kuzo, za li zwa ne punga lezi mpisi ezazi hambha naye. Zathi izi mpisi ukuba, zi bone izinja, azabe zisa qula, zazi dumela zazi nepu nepula zazi shiya sezi yi mvuthwana. U msindo woku lwa kwazo, we zwakala ema buthweni ka Shaka naku bantu ba se khaya, ba vuka ba hloma izi khali zabo. Bathi ukuba ba pumele pandhle ba mu bona umuntu, ngoba kwa ku u nyezi, egqoke isi khumbha se mpisi egijima esi bayeni sezi nkomo, ngoba izi nkomo zazi nge kho, egijima nezi mpisi ezi ningi ezinge naku balwa, ezi mnyama nezi mpunga. Amemeza la ma butho ka Shaka, ngoba nawo aye se e saba, asho ka khulu athi, Si fikelwe yimi khovu, abaleka eqonde uku yo puma nge sango eli ngase nyakatho ko muzi. Na khona futhi ahlangana no muntu egqoke isi khumbha se mpisi, naye ene zimpisi ezi nge na ku balwa ngo bu ningi, ezi mnyama nezi mpunga.

Ba qala manje uku zi dinsila pansi, be nswininiza sebe file ukwe saba, abanye bazama uku baleka, kodwa, iningi lama butho, kanye nabanye base khaya, ba qoqana ndawonye, sebe fikelwe umcabango wo kuthi, ku hlebafe nje nga madoda, emazinyweni ezi mpisi, kanti

njalo baya qaqa zela ukwe saba. U Mhlopekazi lapo wa memeza ka khulu nge zwi le mpisi, no Galazi wenza njalo. Ba wa dumela ama butho ehlangene nabantu base khaya, nezi mpisi za dumela, kwaba ubu nikiniki, waye dwa ozi khalelayo, waye dwa ombhongozayo, lapo izi mpisi ezi mpunga se ziloku zi gxuma zi bheka pezulu, zi ba luma, zi ba hlepula. Azi yi khathalelanga ka khulu imi khonto na mawisa ama butho, abanye ba fa, aba salayo ba baleka. Masinyane ba hlakazeka ba baleka, umuntu emunye wa kungwa yizi mpisi ngazi mbhili na nga zintathu, zi ba donsa zi ba shaya pansi. Bayi ngcosana aba baleka, kwathi ingani sebe balekile, zaba bona futhi za ba landa ngomkhondo zaba gingqa pansi be nga ka pumi nase ma sangweni omuzi.

Lezi zi nsizwa ezi mbhili, nazo zabe zi nika nikana na banye. Mu khulu umsebenzi owa setshezwa u Mlindi wa Mazibuko nga leso sikhathi, ba ningi aba ba`yi zi dikinyane pansi ngenxa yakhe, no mkhonto ka Mhlopekazi wau lo u manyazela eku khanyeni kwe nyanga. Kwase ku ya pela, amu kho noma munye owa sinda ku lowo muzi, ne zi mpisi sezi loku zi sho nge mindondo yo ku sutha, ngoba zase zi na ma langa ama ningi zi lambhile. Kwathi lapo be hlangana khona u Galazi no Mhlopekazi, ba hleka ngoku khulu uku jabula ko bu mpisi, be hleka ngoba sebe ba bulele abebe zo bulala bona. Ba zi biza izi mpisi, ba zithuma ukuba ziba fune pakathi ezi ndhlini, za ngena njenge zinja, zi chachaza ehlathini, za ba bulala bonke ababe bhace pakathi, kwathi aba puma ba baleka, ba bulawa nga pandhle. Kwathi endhlini yoku gcina, kwa puma indoda ende enkulu, lapo yayi bhace khona sonke leso sikhathi, izi mpisi ezi pandhle zamu thelekela. Wa zi shaya u Mhlopekazi wa zi susa, ngoba waye se mu bonile wa mazi. Kwa ku yinduna eya yi thunywe u Shaka ukuba iyo bulala yena u Mhlopekazi. Wa zi shaya qede izimpisi, wase e hambha eya kuyona, wa fike wathi: Sau bona nduna ye Nkosi. Ake usi tshele

ukuthi, utunyweni lapa pansi kwe tunzi la lowa ohlezi e isheni na? E sho ekhombha u mfazi ongu mthakathi, oyi ishe eli mpunga e Ntabeni ye mi khovu, eyayithebha i khanyiswe yi nyanga.

Induna yayi umuntu one sibindi kodwa izi mpisi zona, ya zi bhacela, ya pendula nge sibindi yathi, yindaba ya kho yini leyo mthakati na. Ingani izi mpisi zakho ezi yimi khovu, sezi wonile umsebenzi wami engi thunywe wona na. Azi sale sezi ngi qeda nami.

"Kahle nduna", ku sho u Mhlopekazi, Konje ubu funa umfana ozalwa u Mbope na.

"Kunjalo", ku sho induna. Be ngi funa u mfana, kodwa sengi hlangana ne mikhovu eminingi, wa sho ezi buka izi mpisi zi dhla ese zi ba bulele zi pangelana, wa ngene lwa u kwe saba kwa banda umzimbha.

"We nduna," kusho u Mhlopekazi esusa isi gqoko sakhe sesi khumbha se mpisi, ubuso ba vela obala ba khanyiswa unyezi, "Yibo yini lobu buso bo mfana om'funayo na." "Yibo," ku pendula induna nayo se yi mangele.

Wa hleka u Mhlopekazi wathi "Yebo," yibo. Si wula ndini, be ngi kwazi othunywe kona ngi ku zwile ukhuluma, ngase ngi ya ku pendula, esho ekhombha aba file, ukuthi nga be asi ni bulalanga uma be singanazi. Sheshisa ke, khetha masinyane, kulezi zinto U khetha uku zi balekela yini izi mpisi zami, noma ukhetha ukulwa na lezi ezine na. Emkhombhisa o Khalelimpunga no Zinywelimnyama noGazi no Bambhuzufelekhona na—. Noma ukhetha uku bhekana nami si lwe, uma ungi bulala: uyongi bulala kanye nalo opatha i wisa, esi pethe kanye naye laba bantu abamnyama na bampunga na.

Imi khovu ngi yaye saba, kodwa abantu angi besabi, ngi sho noma be aba thakati, ku sho induna.

"Kulungile!" kusho u Mhlopekazi evivinya umkhonto.

Ba dumelana umhlanganiso wabo owe sabekayo. Ngoba .kwathi nge si khashana nje umkhonto ka

Mhlopekazi we pukela ehawini le-nduna, wasala engasa pethe lutho. Wa fulathela u Mhlopekazi wabaleka nge jubane, ehambha eqa izi dumbhu kanye ne zimpisi ezazi dhla izi dumbhu, induna i mu xosha imu pakamisele umkhonto, imu hleka usulu. U Galazi wa mangala nje ukuthi yini u Mhlopekazi axoshwe umuntu emunye. U Mhlopekazi, wa loku ebaleka ebuya ezunga zungeza, amehlo akhe ebuka pansi. U the ethuka u Galazi, u Mhlopekazi waye hwitha pansi nje nge nyoni. Wa vumbhuluka qcde wa penduka, kanti seu pethe imbhazo, Induna ayabe isa qula khona kuye, uMhlopekazi wa yi hlangabeza nge mbhazo, wa u shaya wau juqa umkhonto wenduna eyayi si wupakamisile, wa nqamuka wa wela pansi. Wa pinda wa galela nge mbazo, ya shaya i hawu yali bhodhloza yaze yapumela nga le, yaze yayo ngena esi fubeni se nduna. Ya pakamisa izi ngalo kwa chitheka izi khali zayo ya shayeka pansi.

"Ha!" beu funa uku bulala mina ngoba ngi umfana, wa tholana ne mbhazo ya ku bulala. Lala ka munandi Nduna ka Shaka".

U Mhlopekazi wa se e khuluma no Galazi ethi: "Mfowetu, angi seyu ku pinda ngi lwe ngo mu khonto, sengi zo kulwa nge mbhazo yodwa: be ngi funa imbhazo uma u ngi bona ngi baleka ngi zunga zungeza nje nge gwala nje ya. Kodwa loku aku qinile! Ngi the ukuba ngi galele ka khulu, kwase kuya kxayeka. Ngi fisa ukuba, ngi thole leya mbhazo enkulu ka Jikiza, oku thiwa ingu Mkhalisi wa bantu, esi yizwa nge ndaba, yi khona iyo fanelana ne wisa uma se ku lwiwa".

Leyo ndaba, se si yoyi bona ngo bunye u bu suku, kusho Galazi. Kodwa noko si yi lwile lempi ingani siya qala. Asi fune izi mbhiza na ma bele ngoba, asi nako, bese si ya hambha si pindele entabeni ku nga ka si.

Aba zalwane bo bu mpisi bayi bulala ka njalo impi ka Shaka, babe qala uku lwa nge zi mpisi kuleyo mpi.

I zwe, base be hlala ngo ku livimbhezela sonke isi khathi ku nga hlwa, ba hla sele aba zondana nabo, ba fike ba ba shaye, ba ba qothule, laze la duma igama le zi mpisi ezi yi mikhovu, le sabeka ka khulu ku bantu, ba bulawa baze ba pela abantu ku lelo lizwe. Be zi nga ku vumi izi mpisi uku yo hlasela ezi nda-weni ezi kude. Kwathi ngo bunye ubusuku; kwa pu-nywa kuyo vimbhezelwa imizi yaba sembhazweni, lapo kwa ku hlala khona isi khulu esi u Jikiza, owa aziwa yibo bonke ukuthi ahlulwa muntu, opatha imbhazo engu Mkhalisi wa bantu. Kodwa, kwathi lapo se be sondela ko munye umuzi wa khona, za penduka izimpisi za baleka. U Galazi wase uyali khumbhula ipupo aye li pupile, amazwi akhulunywa u muntu ofile amu thola em'pandwini: ukuthi, izi mpisi azilwi nabantu eza zi nga lwi nabo zi nga kabi sizo izi mpisi futhi azi yi lapo zazi nga hambhi khona.

Ba buya, ba go duka, kodwa u Mhlopekazi wa funa i su anga thola ngalo i mbhazo.'

## ISAHLUKO XVI

### E U KU PUMA KUKA' MHLOPEKAZI EYO FUNA I MBHAZO

Nge muva kwe zi nyanga ezi ningi, u Mhlopekazi eyi nkosi ye zi mpisi wa se khulile ese yi ndoda ese pumile ebu faneni ene sithunzi, esabeka, emude, ehla-kanipile, i qhawe eli nabantu pansi, futhi ene jubane, isi bindi sakhe esi nge naku linganiswa ne sa muntu, okwa ziyo uku bona ebu suku nje nga se mini. Kodwa wa ye nga ka li qanjwa igama lo kuthi, u Mbulali futhi, wa ye nga kabi nayo leyo nkosikazi engu mbusi we nsimbhi, imbhazo engu mkhalisi bantu. Isi fiso so ku zuza imbhazo, sasi si khulu enhliziyweni yakhe, ngoba, waye nga kabi nawo umcabango nga bantu be sifazane, ngoba uma umuntu ese cabanga abesi fazane, iya pela yonke eminye imi cabango, yebo baba

ku pele no ku funa izi khali ezi yi zona. Nge zinye izi khathi u Mhlopekazi waye bhace emuhlangeni ngase mfuleni, ebuka emzini ka Jikiza onge hlulwa, ebuka na masango omuzi wakhe. Nge linye ilanga, e bhacile, wa bona indoda enkulu eyi si xwembhe, e noboya emzimbeni, ye tshethe imbhazo ecwebezelayo ehlombhe, ifakwe empinini wo pondo luka bhejane. Loko, u Mhlopekazi kwa menza ukuba angabe esa bulala ubu thongo nge nxa yo ku cabanga nge mbhazo noma e khuluma no Galazi, bese kuba uku pela kwe ndaba ekhulunywayo engasa yi thandi no Galazi, ngoba wa ye ngu muntu oyi si thuli. Kodwa ngi sho noma ese yi fisa kanjalo, ayi tholanga indhlela yo ku yi zuza.

Kwe nzeka ke nge linye ilanga, u Mhlopekazi ebhace emhlangeni, egolozele e mzini ka Jikiza, wa bona intombhi ethe thwi, iyi nhle, umzimbha wayo u cwebezela u lingisa ama songo eya yi wa gqizile ezi thweni ihambha ka ncane, iqonde khona emhlangeni lapo ku bhace khona u Mhlopekazi, ya fike yangena emhlangeni, ya fike ya hlala pansi ingase kude no Mhlopekazi, ya khixiza ya khixiza ikhala ikhuluma yodwa.

Ithi, sengati izi mpisi ezi yimi khovu zi nga mudhla, zidhle konke okwa khe, ikhala njalo ithi, zi mudhle naye u Masilo! Ngi nga ba sasazela ngazo, noma kambe zi nga buye zi ngi lume nami. Ku ngcono uku dhliwa yi zi mpisi ku nokuba ngi thengiswe ku le ngulube eu Masilo. U ma ngi nge nda kuye; kungathi mhla ngi gcagcayo, ngi mange ngo mu mese. Ngabe kuhle uma ngi yi ntombhi ye zi mpisi ezi yi mi khovu. Kungathi inyanga inga ke thwasi, umuzi wa kwa Jikiza bese si wu cabe ama thambho.

Wathi ukuba aku zwe konke loko u Mhlopekazi, wase uya vuka, we ma pambhi kwayo intombhi, enkulu ebukeka sengathi u uhlanya ububi bakhe, ebunzini lakhe, ku cwebezela ama zinyo enkomazi ye mpisi.

Wathi, izi mpisi ezi yimi khovu sezi se duzane ntombhi. Si hlala zi seduze nalabo aba zi dingayo."

Yathi ukuba imu bone le ntombhi ya khala ka ncane inswininswiniza, ya buye ya thula, imangaliswa yilo muntu omkhulu, no na mehlo asabekayo oyi khulumisayo.

Yathi, "U ngu bani po wena na." Angi kwe sabi noma ungaba ubani."

U yona uma usho njalo ntombhi, ngoba abantu bonke baya nge saba, ku fanele futhi ukuba ba nge sabe. Ngi ngo munye wa se zi mpisini mina, lezi oku khulunywa ngazo. Ngi u mthakati wase ntabeni ye mikhovu. Hlakanipa nginga ku bulali. Akuyu ku ku siza nga lutho uku memeza aba kini, ngoba ngi ne jubane mina ku nabo.

Angi funi uku ba biza aba kithi muntu oyi mpisi, kusho intombhi, na nga pandhle kwa loko, ngi muncane ka khulu ukuba ngi ngaze ngi bulawe.

"Ku njalo ntombhi," ku sho u Mhlopekazi eyi buka ubuhle bayo. Beu khuluma u thini ngo Jikiza no Masilo na. Beu nga khulumi kabi njalo, ngi ku thandile uku khuluma kwa kho.

"Kuya bonakala ukuthi uzwile," ku pendula intombhazana. Kusizani ukuba ngi buye ngi ku pinde futhi na?

Ne mpela ntombhi. Ake ungi xoxele le ndaba ya kho, mhlaumbhe ngi nga ku siza njalo. Yathi intombhazana, aku siyo ne ndaba ende, yi ndatshana nje yi ncane. I gama lami ngi u Zinita, u Jikiza onge hlulwa, u baba wa ngena u mame, angi nalo mina igazi lika Jikiza. Manje na ke, unge ndisa ku muntu, u Masilo, ixegu eli dala eli khulupeleyo engi lizondayo, nge ndiswa ku lo ngoba line zinkomo ezi ningi zo ku ngi lobola.

Wabuza u Mhlopekazi wathi, ukhona yini wena obu funa ukwenda kuye ntombhi na? Amukho, ku pendula u Zinita, esho emu buka emehlweni. Au nayo yini indhlela yo ku mu balekela uMasilo na? Yinye ku pela muntu oyi mpisi—ukufa. Uma ngi fa ngi ngabe se ngi sindile, kodwa ku nge ngi size ka khulu, ngoba ngi nga be sengi yi swa ko munye; kodwa uma kufa u

Jikiza, ku ngabe se ku ya ngi lungela. Ba njani labo bantu bakini aba yi zi mpisi aba lambhile yini muntu —mpisi na?

Wathi u Mhlopekazi ngi nge ze nga ba letha lapa· Ayikho yini enye indhlela na?

I khona, ku sho u Zinita, uma engase abe khona onga yi linga. Wa pinda futhi wa mu bukisisa, uMhlopekazi waze wezwa se ku ncibilika igazi lakhe. Yathi: Aulalele! uyabazi abantu ba kithi ukuthi, ba buswa kanjani na? Ba buswa umuntu opatha i mbhazo engu mkhalisi wa bantu. U muntu ongase ame muke imbhazo oyi petheyo uma ku lwiwa, uyena ongase abe yi nkosi yethu. Kodwa uma oyi petheyo efa nayo, enge hlulwanga, imbhazo i buyela endodaneni yayo i pathwe iyo. Le mbhazo isi ze ya qeda izi zukulwane ezine ngoba bonke abebe yipatha, ku zo zonke lezi zukulwane, be be nge hlulwa. Ngizwa ukuthi, ugogo ka Jikiza, uyena owa yi tholayo imbhazo, eyi thatha ku muntu owaye yi patha, wa yi thola nge nkohliso, ngoba yathi imu gence kancane, wase ezi wisa pansi ezi fisa. Owaye yi pethe wa hleka, wa penduka emfu lathela ese hambha, ngoba ecabanga ukuthi, seu mbulele. Wa vuka ugogo ka Jikiza nge muva kwakhe, ese hambha, wa mu hlaba wa mu bhudhluza ngo mkhonto. Kwase ku ba uyena i Nkosi ya bantu be mbhazo. Se kwaba ukwenza kwa khe ke u Jikiza ukuba uma ebulele umuntu, amususe ikhanda nge mbhazo. Wa buza u Mhlopekazi ukuthi, Ba ningi yini aba bulalayo na? Yathi intombhazana se be yi ngcosana manje, ngoba aba sekho aba nga bhekana naye, sebe ya mesaba—ngoba uma ese yi pethe, abe esa hlulwa, uma ungase uthi ulwa naye. usuke ubizwa ukufa. Ba nga ma shumi ayisi hlanu na nye aseke ba linga uku lwa naye. Pambhi kwe ndhlu ka Jikiza, ku khona ama khanda abo asoma, asa ba mhlope, anga ma shumi ayisi hlanu nanye, ayi nqwaba. Ku hle wazi loku ukuthi, imbhazo itholakala uma ku lwiwa, ku se mpini; uma unga yi thola ngo ku yeba, noma unga yi thola ilahlekile inge ku size nga lutho—

pinde, uma unga yi thola nga lezo zindhlela zo mbhili inga ku bangela ama hlazo, futhi ufe.

Wa buza u Mhlopekazi wathi, kepa po, umuntu anga ku thola ka njani ukuba alwe no Jikiza na?

Intombhazana ya mu pendula ngokuthi, u Jikiza u mema umhlangano wa ma doda kanye ngo nyaka, ngo suku loku qala uma ku tshwese inyanga yase hlobo. Abe se uya sukuma pa kathi kwawo athi, aku pume abe munye noma beze bonke ba zo kulwa naye, uma be me hlula ba yi thathe imbhazo, oyi thathayo, bese kuba uye inkosi, uma ekhona opumayo, bese ku ngenwa esi bayeni, lapo ke, ku fike ku phele khona indaba, uma ahluliwe umuntu u Jikiza, abe se uya linquma ikhanda lakhe, abuyele nalo ema dodeni ku buywe ku bizwe omunye njalo. Apume futhi lowo osu ke ethanda.

Wathi u Mhlopekazi, mhlaumbhe ngiyo ba ngi khona ku lowo mhlangano.

Mina ke, ngase muva kwa lomhlangano, uma inya nga ithwasa, ngi yo gcagciswa ku Masilo. Kodwa, uma u Jikiza ehlulwa ome hlulile ku yoba uyena inkosi, uyena ke oyo nge ndisa ku lowo amthandayo.

U Mhlopekazi wa ku bona oku shiwo yi le ntombhi noku thi, inhliziyo yayo ayi kho kude naye; wa hlabeka kancane, ngoba waye nga ka ba qondi kahle abantu be sifazane.

Wase ethi, Uma mhlaumbhe, ngi nga ya ku lowo mhlangano, ku fike kwenzeke ukuba ngi yi zuze le mbhazokazi engu Mkhalisi wa bantu, ba buswe yimi abe Mbhazo, wena ke ku nga sukela ku lelo langa, bese uhlala pansi kwa mandhla embhazo Mntanethu Zinita.

Impela, wena wa se zi mpisini, noma kambe abanye be nge ku thande loko, kodwa, ake uqale ngo ku yi zuza imbhazo, ngoba sebe baningi ase ke ba linga, kodwa be hluleka. Wathi u Mhlopekazi, kodwa pela umuntu anga thuka epumelela, wathi; sala kahle!" wa

gxuma wa ngena esi zibeni wa hlambha—wa welela nga pesheya.

Le ntombhi eu Zinita yamu buka waze wa yo sithela lwa sale lwa yi ngena u thando olukhulu olwe sabekayo, nolu no bu khwele.

E hambha nge ndhlela eqonde entabeni ye mi khovu, wa ye cabanga nge mbhazo, hayi, nge ntombhi u Zinita; Kwa ku se gazini lika Mhlopekazi uku thanda impi ku nabesi fazane. Noma nje kwa buye kwathi nge zinye izi khathi, wa thola uku hlupeka no sizi nge nxa yesi fazane.

Kwa ku sa sele izi nsuku ezi yi shumi ne sihlanu, ku fike lolo suku lo ku qala enyangeni entsha, emu khathini wa lawo malanga, u Mhlopekazi waye nga khulumi ka khulu, evama uku hlala ethule ecabanga. Wa ze wa yi xoxa ku Galazi le ndaba, wa sho nokuthi, yena seu zimisele uku yo kulwa naye u Jikiza onge hlulwayo, alwele uku thatha u Mkhalisi wa bantu. U Galazi wathi, oku ngcono yeka uhlale ne zi mpisi, ku nokuba uyo funa izi khali esi nga zaziyo, wathi futhi, uma unga se uyi thole imbhazo, ku nge gcine nga loko, kunga funeka ukuba, ne ntombhazana uyithathe nayo, uGalazi waye ba zonda abe sifazane. Pela yi ntombhazana eyayi dhlise u yise ngo buthi wafa kwa Vilakazi. Konke loko u Mhlopekazi apendulanga lutho, ngoba wa ye sezi nikele ukuba ayi zuze imbhazo kanye ne ntombhi, kodwa aye ku fisa ka khulu kwa ku yi mbhazo.

Kwa hambha, kwa ha mbha, laze la fika lelo langa lo kuqala loku thwasa kwe nyanga. E ku seni nga lelo langa, u Mhlopekazi wavuka wa bhinca umutsha wa khe, okalweni, wazi bopa nge si khumbha se nkomazi ye mpisi na nga pansi ko mutsha. Wathatha u qwaqwadu lwe hawu le mpi, aye lisike esi khumbheni se nyathi, wa thatha ne mbhazo yakhe elula, emise oko cezu lwe nyanga, owaye bulale ngayo induna ka Shaka.

"Aku siyo into onga bulala ngayo u Jikiza le mbhazwana," kusho u Galazi, eyi buka nswempu imbhazo ka Mhlopekazi. E se dhlile u Mhlopekazi, ba hambha ndawonye ka ncane, be hlisa intaba, bafike ba wela ezi bukweni lo mfula, enzela u konga amandhla akhe. Uma sebe nga pesheya, u Galazi wa casha emhlangeni ngoba sebe mazi, u Mhlopekazi wa valelisa engazi noma basa yo pinde babonane yini. Wase uya hambha uyo ngena emzini omkhulu ka Jikiza. E ku fikeni kwakhe ekhaya, wa bona abantu aba ningi, bengena ema sangweni, naye wa ngena pakathi kwabo. Bafika egcekeni pambhi kwe zindhlu zika Jikiza, bonke aba numzane ba fike ba buthana khona. Nga pambhi kwabo nga pambhi kwe nqwaba ya makhanda abantu, pambhi kwe zindhlu, kwa ku hleli u Jikiza ngo ku zazisa, emkhulu, eno boya emzimbheni egoloza amehlo ewa gungquzisa ebuka nga lapa na nga lapa. E ngalweni ya khe ebopelezele imbhazo engu Mkhalisi wa bantu ngo qotho, wonke ofikayo afike ayi khulekele imbhazo athi "Nkosikazi," anga binge lelwa u Jikiza. U Mhlopekazi waye hlezi na bantu nga pambhi kwe zi nduna, be nga munakile, kodwa enakwe u Zinita, owaye lo enyobozela eya emuva na pambhili, elethela izi nduna izi gubhu zo tshwala. E duze no Jikiza, nga kwe so ku nene sakhe, kwa ku hlezi indoda ekhulupele, ena mehlwana ama ncane a cwibicwibizayo, eya yi loku ibukana ne ntombhi u Zinita, sengathi izoyi gwinya.

Wathi uma eyi buka le ndoda u Mhlopekazi, wayi bona ukuthi uye u Masilo, emu bukela ukuthi anga mu bhudhluza, amo pise kalula.

Ma sinyane wa khuluma u Jikiza, egungquzisa amehlo; wathi, nansi indaba e pambhi kwenu bandhla. Indodakazi yami, yom'kami wo ku ngenwa, u Zinita ngi me ndisa ku Masilo. Kodwa, asi ka vumelani nge lobolo, ngi mu biza i khulu lezi nkomo u Masilo, ngokuba, intombhazana yinhle, ine similo, i pelele, ingu mntwana wami noma inge silo igazi lami. Kodwa u

Masilo ulobola nga ma shumi ama hlanu kupela; ngi funa ke ukuba, niyi khulume madoda.

Ya pendula enye indoda ye bandhla yathi, Si yezwa Nkosi ye Mbhazo, kodwa, okokuqala, wena onge hlulwa, ku funeka ukuba nje ngo mthetho om'dala ku lo nyaka, na nga leli langa ubize umuntu noma ubani, ofuna uku lwa nawe abange imbhazo engu Mkhalisi wa bantu, abange isi khundhla sakho so bu khosi ku bantu be Mbhazo.

Leyo nto iya khataza, ku sho u Jikiza esola. Angi yenzi yini. Aba siwo yini ama shumi ama hlanu na bantu aba thatu, enga ba bulala ngi se yi nsizwa, kodwa anginalo noma linye inxeba. Manje, seku yiminyaka emininingi ngi fana ne qhude elimi esi dulini, ngi thi aka pume othandayo, ku nga bikho qhude eli velayo.

"Yebo ke, manje! Ukhona yini ofuna uku pumela nga pambhili alwe nami, mina Jikiza, alwe ukuba athole imbhazo enkulu u Mkhalisi bantu na? I yau kuba eya lowo ongange hlula, na bantu be Mbhazo bayau kuba abakhe, abe yi nkosi yabo.

Wa sho njalo ke u Jikiza, egevuza elingisa umuntu ebonga ama dhlozi esheshisa naye owa bonga sengathi awe thembhi. Wa buye wa buyela kuyo futhi, indaba ye zinkomo zika Masilo ne ntombhazana. Masinyane u Mhlopekazi wa sukuma, ebuka u Jikiza, emu lunguza pezu kwe hawu lakhe le mpi ethi, "Nangu, Jikiza, ozau kulwa nawe abange imbhazo u Mkhalisi, bantu, abange nobu khosi obuba oba khe uma ese patha imbhazo.

Ba hleka bonke abantu, u Jikiza wa mu golozela wathi, "Puma lapo emuva kwe hawu elikhulu." Puma uzongi tshela igama lakho, nokuthi ungo wapi, wena ofuna u kulwa no nge hlulwayo, ubange imbhazo yase ndulo.

U Mhlopekazi wa pumela obala, ene si thunzi kanti use mncane, ba yeka uku hleka uma bemubona ukuti une si thunzi.

Wathi ku Jikiza uzau lenzani igama lami no kulhi ngi puma pi. Kuye ke loko, sheshisa si lwe, ngi ya yi funa nami le mbhazo engu Mkhalisi, ukuba ngi yi pathe, ngi thathe isi khundhla sakho, ngi yi lungise na lendaba ye zinkomo zale ngulube eu Masilo. Ngi yothi uma se ngi kubulele, ngi yo qanjwa igama eli nga ziwa muntu.

Ba pinda fulhi abantu ba hleka, lapo ke u Jikiza, wa thukuthela wa vutha, wa sukuma wathi locu ese thukuthele e pefuzela.

Wathi, "U thini!" usho njalo kimi, mina onge hlu-lwayo, uyi ngane esa ncela nje wena. Be ngi ngazi ukuthi ngi nga thi ngi mudala kangaka, ngi khulu-nyelwe kanje yi milenzana ye ngane. Aku yiwe esi bayeni, aku yiwe esi bayeni nina be Mbhazo, ngi yo nquma ikhanda laloku oku zi khukhumezayo. U thi anga si thatha isi khundhla sami yena na? Sona lesi, esesi nezi zukulwane ezine ngi si pethe kanye nawo baba sisi pethe ngu mandhla e mbhazo. Ngi yani tshela nonke ukuthi, khona manje ikhanda lakhe ngi zo li nyatela ngo nyawo bese si lungisa indaba ka Masilo.

"Khaula ukwe lula um'bhedo ndoda," ku sho u Mhlopekazi, khuluma oku qondene nawe, uli buke uli gcine.

U Jikiza lapo wa thukuthela waze wa ba na malimi, wa pu hluza ama gwebu emlonyeni, wehluleka uku khuluma, konke loko kwa ba jabulisa abantu nga pa-ndhle ku ka Masilo kupela, owaye buka ka nswempu u Mhlopekazi omude, no ne sithunzi, u Zinita yena ebuka u Masilo enga mu buki ngo thando. Ba bambha ke baya esi bayeni se zi nkomo, u Galazi owaye loku ebukela kude, waze wa sondela wa ngena pakathi kwe si xuku.

## ISAHLUKO XVII

### U Mhlopekazi eseba yi Nkosi yaba se Mbhazweni

La poke, u Mhlopekazi no Jikiza onge hlulwa, sebengene esi bayeni, be ma pakathi naso, ba shiya ama nyathelo ayi shumi pakathi kwabo. U Mhlopekazi wa ye hlome ihawu eli khulu, nembhazo elula, emise nje ngo cezu lwe nyanga. U Jikiza epethe u Mkhalisi bantu, ne hawu eli ncane loku sina, uma abantu be ba buka ukuhloma kwabo, kwa bonakala ukuthi, lo mfokazi ongu Mhlopekazi nge ke abhekane nalo opete imbhazo. A hlomile kahle, kusho enye indoda endala, ngabe ku ngcono ukuba, ihawu lakhe li ncane, imbhazo ibe nkulu. U Jikiza e hlulwa ihawu eli khulu ka ngaka, ali na ku musiza umuntu omi lenze mide nje ngaye nje, lapo u Mkhalisi bantu ese si godhlozisa lesi sikhumbha se nyathi. Uma le ndoda isho njalo u Galazi i Mpisi wa ye lalele, wa bona naye ukuthi iqinisile, waze wa mu dabukela umfowabo.

Ba dedelwa, u Jikiza wa dumela ku Mhlopekazi ngo mukhulu mbhongo, ngoba waye se futhelene kakhulu uku thukutela. Wa thula nje u Mhlopekazi, aze azamazama, uthe lapo u Jikiza ethi uya galela, wa gxuma u Mhlopekazi wa buyela nga nhlanye, wa papalaza u Jikiza uthe lapo esa papalaza edhlula u Mhlopekazi, u Mhlopekazi wamu shaya ka khulu u Jikiza emhlane nge si dunu sembhazo, kwe zwa kala ka khulu kwa thi, nda, u Mhlopekazi umshaya nge si dunu enga mu genci ngobu khali bayo nje, waye nga funi uku mbulala u Jikiza nge mbhazo. Kwa suka olu khulu uhleko esi xukwini sabantu ababe nga ma khulu, inhliziyo ka Jikiza ya cishe ya qhuma uku thukuthela, nge nxa yoku dumazeka yiloku ku shaywa, wa buya futhi nje nge nkunzi esi ngenwe uhlanya, wa pinda futhi wa dumela u Mhlopekazi wapakamisa i hawu ethi umhlangabeza ngalo, ku the ukuba u Jikiza ayi pakamise imbhazokazi yakhe, wa khala u Mhlopekazi wa fula-

thela wa baleka. Lwa pinda futhi u hleko lwathi, ngqokotho, u Mhlopekazi e baleka nge jubane, exoshwa u Jikiza, u Jikiza ese thukuthele enga sa boni na se mehlweni, wa baleka u Mhlopekazi ezungeza umuzi, eyi bangana pambhi ku ka Jikiza ebaleka efulathela ilanga, efuna ukubona isi thunzi sika Jikiza. Wa zungeza ese pinda okwe sibili, abantu beba hlokomela se ngathi basasazela inja ixosha inyamazane. U Mhlopekazi wa se ugijima ngo ku hlakanipa, apubazele sengathi seu khathele, amadoda aze acabanga ukuthi, seu nepika, kanti ijubane lakhe liya pambhili edonsa u Jikiza.

Wa bona manje u Mhlopekazi ukuthi, isi tha sakhe sesi ya pefuzela, futhi nesi thunzi saso ngo ku nga sa qondi bese si yenda yenda, ukuthi sesi khathele, wase u shaya se ngathi seu funa uku wa, wathi kubakuba sengathi u wela nga kwe soku nene isandhla, wa wisa i hawu lakhe ezi nyaweni zika Jikiza. U ye lowa u Jikiza e vuthe nge jubane enga sa boni kahle nase mehlweni, nge nxa yo ku thukuthela, akhutshwe yi hawu, aye ayo ku wa ngo buso pansi, Wa bona u Mhlopekazi, wa mu mbhozela nje nge nqe li hwitha i juba. Abantu benga ka boni ukuthi, konje ngabe wenzani, wa yi dumela imbhazo u Mkhalisi bantu, wa shaya kanye nge nsimbhi, wa lu nquma u qhotho olu yi bopele esi hlakaleni sika Jikiza, wa gxuma wabuyela emva, imbhazo enkulu ese yi pakamisele pezulu, eyakhe owaye yi pethe, wayi lahla pansi. Ba qala manje ababe bukela, uku ku bona uku hlakanipa ko kulwa kwa khe, be zwakala be memeza ka khulu ababe zonda u Jikiza, abanye bathula bathi nya.

Wa vuka u Jikiza, ka ncane pansi, engazi noma upilile noma ufile yini. Wa vuka wa dumela imbhazwana encane ka Mhlopekazi, eyayi lahlwe pansi, wayi buka qede wa khala. U Mhlopekazi wa mu pakamisela pezulu u Mkhalisi wa bantu, imbhazo enkulu inkosikazi ye nsimbhi wa yi bukisisa kahle ukwa khiwa kwayo, no buhle be nsimbhi yayo eluhlaza, no thi

lwayo olu thandwe nge nsonto ye thusi, emuva lwa ba yi sidukwana esi nje nge wisa, eyi buka kahle, nje ngo myeni ebuka ubuhle buka ma kothi wakhe. Pambhi kwabo bonke abantu be buka, wa ya nga imbhazo u Mhlopekazi, eyanga ngase bu khalini bayo, wa memeza ka khulu wathi:

"Ngi ya ku bingelela nkosikazi yami, ngithi sakubona mfazi wo busha bami wena engi ku thole nge mpi. Asi se yuku pinda sehlukane, wena nami, siyo ku fa ndawo nye, wena nami, uma se ngi file wena seu petwe abanye angi seu ba na ndaba."

Wa sho njalo ke u Mhlopekazi be lalele bonke, wase eguquka ebheka ku Jikiza o waye mi ekhala, ngoba ese lahlekelwe yikho konke.

"Se ku shonepi manje uku zi khukhumeza kwakho wena ongehlulwa na. Kusho u Mhlopekazi ehleka. Yi lwa pela. U hlome upelele nje ngami, nami be ngi hlome ka njalo, singa ka lwi, ange sabanga uku bhekana nawe."

U Jikiza wamu buka wa thula isi khashana wase emthuka, emu jikijela ngayo leyo mbhazwana encane, wa fulathela wa baleka wa qonda esangweni lesi baya.

U Mhlopekazi wa gwinja, imbhazo ya dhlula pezu kwa khe, u Mhlopekazi wa thi ukuma kancane emu buka, abantu ba ze ba cabanga ukuthi uya muyeka. Kanti aku njalo, wa muyeka nje u Jikiza, waze waba kude bu duze ne sango lesi baya, uthe esuka u Mhlopekazi waye ponseka inhlamvu nje ngo nyazi, wagijima kangango kuba izinyawo zakhe azi bange zi sa bonakala. No Jikiza naye wabe elulile nge jubane, kepa noko kwa ba sengathi umi nje, uthe lapo ethi uya fika nje esa ngweni lesi baya, waye hlala kuye, kwathi nje nyampu, uku khazimula kwe nsimbhi kwe hlela ku Jikiza, Bamubona u Jikiza e wela pansi esangweni lesi baya, bamu bona bonke ukuthi seu file, umu shaye wafa nge mbhazokazi enkulu u Mkhalisi bantu, ayekade eyi patha nawo yise imi nya ka eminingi.

Kwa suka omkhulu umsindo esi xukwini sabantu, be nanela ngoba u Jikiza onge hlulwa ese file, ba ningi aba halalisa u Mhlopekazi, bemu nika igama lokuthi, uyi Nkosi se u ngu mbusi wa Bantu be Mbhazo. Kodwa ama dodana ka Jikiza ayi shumi, ama doda ama khulu na ne sibindi, amu sukela u Mhlopekazi afuna uku mu bulala. Wa baleka wa bu yela emuva, emu pakamisele u Mbulali, Kwa suka amadoda athile ebandhla, angena pakathi kwabo no Mhlopekazi, alamula athi "Kahleni!"

Wathi u Mhlopekazi, "Aku siwo yi ni u mthetho wakini bandhla na, wo kuthi, nje ngoba sengi ye hlulile inkosi ya Bantu be Mbhazo, aku yimi yini ose yi Nkosi na?"

"Impela unjalo umthetho wa kithi, muntu woku hambha," ku pendula enye yama doda ama dala, "ku yiwo futhi umthetho wa kithi wokuthi, nawe ku hle u lwe nabo bonke abeza ku we, nga munye, kwa ku njalo nami ku se khona u baba, m'hla uyise mkhulu ka Jikiza lo oselele lapaya pansi, eyi zuza leyo mbhazo nana muhla akube njalo futhi."

Wathi u Mhlopekazi, angi wu pikisi u mthetho. Manje na ke, ubani ofuna u ku zo ku lwa nami abange u Mkhalisi, inkosikazi ya Bantu be Mbhazo na.

Kwa puma onke ama dodana ka Jikiza ayi shumi, apumela nga pambhili—, ngoba base bethukuthele sebe pambhene ama khanda ngenxa yokuba esa pucwe u yise kanye ne nkosikazi, enga sa khathali ngo kufa. Nga pandhle kwa wo lama dodana waye ngekho omunye, onke amadoda aye saba uku bhekana no Mhlopekazi e se pethe u Mkhalisi.

Wa wa bala u Mhlopekazi la ma dodana wathi• Ayi shumi ngi m'fung'u Shaka, U ma ngi zo ku lwa nawo ngamunye, na nga munye, angi yuku sithola isi khathi namuhla soku khuluma indaba ka Masilo ne ntombhi u Zinita. Nithini nina bafo baka Jikiza ongehlulwa na. U ma ngi ngase ngi thole omunye eme

nga kimi sibe soba bili, nina nibe yi shumi ku bulawane ke, ni ya vuma na.

Za hlangana izelamani, za khuluma, za petha ngo kuthi, kunga ba ngcono ka khulu uma zi nga ba hlanga nyela, ku no kuba, ku lo ku puma nga munye.

Za vumelana, nga loko ne bandhla la madoda la vuma.

Nge sikhathi u Mhlopekazi ebaleka exoshwa u Jikiza, wa mubona u Galazi ezi xukwini wa bona nje ukuthi, naye seu fisa sengathi ngase uya dedelwa alwe. U Mhlopekazi wa memeza kakhulu, efuna ongeza azo kuma naye babe boba bili, ba bhekane na madodana ka Jikiza ayi shumi, ethi uma si we hlulile, ozoma nga kimi, uyena oyoba yi Nkosi apathe abe Mbhazo emuva kwa mi esho e hambha ngo hla lwabo eba buka ebu sweni, waze wafika ku Galazi lapo wa ye mi khona encike nge wisa lakhe u Mlindi. Wafike wathi, "Nangu umlisa omkulu, opethe i wisa eli khulu. U ngu bani nje wena m'lisa na?

Ngi yi Mpisi, ku pendula u Galazi. U thini ke Mpisi, uya vuma ukuba si fulathelane nawe, silwe na laba aba yi shumi na. U ma si be hlula, u wena oyoba yi nkosi ya laba bantu emva kwami.

Wa thi u Galazi, mina ngi thanda ka khulu ukuhlala endhle ema hlathini na pakati kwe zi ntaba, ku no kuhlala pakathi kwe mizi ya bantu no kwa ngiwa abafazi, Mpathi we Mbhazo. Kodwa nge nxa yokuba, seu bonakalisile ukuthi, uyi qhawe eli namandhla, auka dinwa uku lwa, ngi zokuma nawe Mpathi we Mbhazo si fulathelane, ku sale sekuba kanye.

"Kuhle impela, Mpisi," ku sho u Mhlopekazi. Ba hambha boba bili sebe linganisene—izi khwanyalala zo zimbhili—baze bayo fika pakathi kwe sibaya. Abantu bonke baba buka ba mangala, abanye ba ba nomucabango wo kuthi, imbhala akusibona nje aba ngane bezi mpisi laba a bahlala e ntabeni ye mi khovu na?

Manjena ke, se ku hlangene u Mkhalisi wa bantu nge mbhazo no Mlindi we wisa ku sho u Mhlopekazi.

ku Galazi, bayi ngcosana aba nga bhe kana nathi. U Galazi wathi, bazo zi bonela nabo laba. Izoba munandi lempi. Asi na ndaba noma kwe hlulwa bapi.

Wathi u Mhlopekazi. "Au" kuhle ukwe hlula, kodwa, uma usu file, kusuke se ku pele konke, yi khona oku ngcono ukufa.

Base ke bakha isu abazau lenza uma belwa nala ma doda ayi shumi. U Mhlopekazi eloku eyi bukisisa imbhazo ayi petheyo, eyi vivi nya, ese yi bukile kwa ze kwaba yisi khathi eside, ba hambha boba bili bayo ku ma, ba fula thelana pakathi naso isi baya sezi nkomo, bamu bona abantu u Mhlopekazi ukuthi, imbhazo uyi pethe nge yakhe indhlela, ubu khali bayo ebu hlanekezele wa bu bhekisa nga kuye, wa bhekisa uku cija kwayo pambhili, ngoba yayi mise, okwe nyanga ihlepukile. Za qoqana ize lamani, zi vivinya imi khonto yazo, aba yisi hlanu ba bhekana no Mhlopekazi, kwathi esinye isi hlanu sa bhekana no Galazi i Mpisi. Bonke laba bantu, babe khulile ku yimi dudhla nje, sebe thukuthele baze besabeka benziwa nau ku dumazeka.

We zwakala omunye wa madoda e bandhla wathi. Laba bantu ababili bayo sinda ngo bu thakathi ku pela. Enye indoda yathi, kodwa ku khona amandhla embhazweni. Iwisa lona se ngathi ngi ya lazi; Ngi ye thembha ukuthi, yilo leli oku thiwa, li ngu Mlindi wa Mazibuko, osuke ebhene nalo usu ke efile. Nga ke nga libona mina ngi se umfana ku lwiwa ngalo, kodwa noko, aba siwo amagwala laba aba pethe imbhazo ne wisa. Base ama bhungu, kodwa pela ba ncela ubisi lwe mpisi.

Kwa se ku puma indoda endala isi zo ba qhatha, yona leyo eya tshela u Mhlopekazi umthetho. Ya sondela kubona ya ba tshela u kuthi, uma ese ba qhatha, bayo bona ngoba apose umkhonto pezulu, uthi lapa uhlala pansi, ibi siya dumelana. Le ndoda yau thatha ke umkhonto, yau ponsa, kodwa nge nxa yo bu thakathaka be ngalo, yau ponsa kabi wayo wela pakathi kwe zelamani zika Jikiza ezase zimi pambhi kuka

Mhlopekazi, za damuka zidedela umkhonto ukuba u wele pakathi kwabo. Onke amehlo eze lamani ezi yi shumi, aubuka umkhonto. Kanti yena u Mhlopekazi u wubuka uku wela kwa wo pansi, enge na ndaba ukuthi u welapi Kwathi lapo isi hloko sawo si thinta pansi,. washo izwi laba linye, ye suka O Mhlopekazi no Galazi aba lindelanga ukuba ku dumele abafo baka Jikiza a ba yi shumi, nje ngo ku cabanga kwa bantu, kodwa kwa dumela bona, kwa ba yilowo wa dumela aba pambhi kwa khe. Aba yi shumi be sa loku bemi se be thomekile ngoba ba be lungisele ukuthi, yibona aba zo dumela ku qala, bathe be thuka, zase zi pezu kwabo izi nsizwa zase zi mpisini. Imbhazo, u Mkhalisi, isi zula pezulu, kodwa inga gauli ka khulu, kodwa iloku iqopoloza nje nge siqopamuthi, ubone ngoba ku wa indoda pansi ifa. Ne wisa u Mlindi, nalo li hambha pezulu, ukwehla kwalo kube uku fa kwe ndoda. Manje wazi bona izi nsizwa zase zi mpisini sezi lo zi pambhana pakathi kwe shumi la ma doda, zi wa dunga dunga, zi puma nge zi khala ezi vulwa aba fayo. Apinde aqopoloze u Mkhalisi, u Mlindi angcifize, uba funyanise o Mhlopekazi no Galazi sebe fula thelene be nge na ngozi kodwa, pambhi kwabo ku dindilize ama doda amane efile.

U mhlangabezo wabo, be uba nje ngo ku pazima kweso: ngoba, be kuthi uma idumelana, umuntu anga boni ukuthi, ye nzene njani, kuze kuthi na bafo ba ka Jikiza nabo basimze babukane nje be mangele, bathe bethuka, base beyi sithupa ku pela, abane sebe file. Ba thukuthela, ba khuza isaga, bazi dumela isi nsizwa ezi mbhili sebe zi kakile, basuke babe namawala ba khwelane, ithuba loku galela li tholwe yizi nsizwa zase zi mpisini, ku lowo ofike kuqala nga pambhi kwa kanye. Owafika ku Mhlopekazi, wafike wa gwaza,. kwa funya niseka ukuthi, anako uku mgwaza nga leyo ndhlela, ngoba u Mhlopekazi wathi ceze ngomzimbha, umkhonto wafike wa khwentuluza isi khumbha so

mzimbha, yena wa mu qwabalanda nge si hloko se mbhazo, wafa.

E nye indoda ye bandhla, eyayi mi eduze, yathi: Lapaya ku khona isi Qopamuthi esi nom'lomo we ntsimbhi, si ya kwazi uku qopa kahle ngawo.

Ya pendula enye indoda yathi lo ungu Mbulali uqobo, abantu base baya wezwa njalo amagama. Kusukela ku leso si khathi ke, igama lika Mhlopekazi kwa thiwa isi Qopamuthi elinye, u Mbulali, kwaba yiwona magama akhe ku pela aba waziyo. Lowo ke oweza ku Galazi i Mpisi, ezi posa ekhokhe umkhonto eu bambhele eduzane. Po loku u Galazi waye na masu okulwa. Wa nyathela kanye nje emhlangabeza, wamu yeka waze wa ba sebangeni lapo sebe ngase ba galelane. Lapo ke, umfo ka Jikiza, wa pakamisa ihawu ethi uvika i wisa, kwa fumaniseka ukuthi, lifana ne qabunga emoyeni, i wisa lafike lashaya ka khulu ehawini, la banga omkhulu umsindo, lali shaya lali goba lashwabana nje nge si khumbha esi ngaka shukwa, oli petheyo wa wa, wa fohlozeka pansi.

Em'va kwa loko, ama dodana ka Jikiza, ayese sele emane, ase eloku ezi zungeza nje izi nsizwa ezi mbhili engasa dumeli, ese loku egemenca engasa sondeli eduze lapo kunga finyelela khona imbhazo ne wisa. Omunye waze wa ciba ngomkhonto kwathi ingani u Mhlopekazi u wu vikile wa wu juqa pakathi nge mbhazo, ukudhla kwawo kwa dhlula kwaye kwa limaza u Galazi e mhlubulweni. Owa ye wu cibile lo mkhonto, wa fulathela wa baleka, ngoba, wa ye ngasa pethe lutho, na banye ba baleka bengase naso isi bindi soku bhekana no kulwa nezi nsizwa ezi mbhili.

Kwa pela kanjalo ke loko kulwa, ubu de besi khathi so kulwa kwabo, sasi ngaba ngango kubala uhlanganise ¡khulu, ubala kancane.

Wathi u Mhlopekazi ku Galazi. "Amukho osa sele ukuba si mu bulale Galazi, esho e hleka ka khulu. "Hau, lempi siyi lwe nge su! Minani! nina eni zalwa

Ongehlulwa, yimanini. Seyi pelile, se niyau hlala ni shanela ezi ndhlini zami, ni lime naba fazi ba kithi ama simu ami. Manje ke madoda seyi pelile impi, asi hambhe siye e ndhlini ye nkosi, u Masilo usi lindele khona. Wa hambha ke no Galazi, bala ndela bonke ngo ku thula be mangele.

Se be ngene endhlini, u Mhlopekazi wa fike wa hlala lapo be ku hlezi khona u Jikiza eku seni, intombhi u Zinita, weza wa fike wa geza inxeba lo mkhonto. U Mhlopekazi wa bonga; uthe lapo esethi ufuna uku yogeza eli ka Galazi, wala u Galazi ngo laka, enga funi uku cumbhazwa yisi fazane ema nxebeni akhe. Ngoba u Galazi azange na nga sipi isi khathi aba nake abe sifazane, yena u Zinitha, waye mu zonda ku nabobonke.

U Mhlopekazi wase uya khuluma ke no Masilo, i Ngulube, owa ye hlezi pambhi kwa khe esaba ethi: Wena Masilo ufuna uku ganwa yile ntombhi u Zinita, inga funi, uyayi hlupa. U ya bona ke, be ngi funa uku ku bulala ngi khokhe uku thukuthela kwayo, kodwa ke se ku chitheke igazi eli ningi na muhla. Kodwa noko, uzo yi lobola izi nkomo zi piwe yona intombhazana, uzo khipa ikhulu lezi nkomo. Bese uya hambha ke usuke lapa pakathi kwa be Mbhazo, funuze u velelwe oku khulu, Masilo Ngulube ndini.

U Masilo wa sukuma wa hambha, ubuso ba khe sebu lu hlaza kxaba ukwesaba, kodwa wa li khipa ikhulu lezi nkomo, wa baleka wa qonda nga se muzini ka Shaka, u Zinita wa mu buka uma ese hambha, wa jabula, ejabuliswa na ukuba u Mbulali ese mu khethile ukuba abe umfazi wakhe.

"Se nge hlukene nya no Masilo" ku memeza u Zinita, ezwa u Galazi, kodwa be ngi yo jabula ka khulu ukumbona efile lapa pambhi kwami.

U Galazi wamubona ukuthi, lo mfazi u ne nhliziyo embhi, nge ke amu hlalise kahlę u mfowabo, u Mhlopekazi.

Njaloke, ibandhla nezi nduna za bantu be Mbhazo, bamu khonza ogama lakhe lingu Mbulali, bamu dumisa nje nge nkosi yabo no mu pathi we mbhazo, ba yi konza nayo i mbhazo. Njalo ke, u Mhlopekazi waba yi nkosi ya laba bantu, babe ba ningi, waba nezi nkomo ezi ningi naba fazi aba ningi, amukho owamu bangi sayo. Babe loku be vela njalo aba lwa naye, kodwa ba nga mehluli, ngemuva kwe si khashana amukho owa funa uku bhe kana no Mkhalisi uma ese pakeme efuna u ku qopoloza.

Naye u Galazi, waba umuntu omkhulu pakathi kwa bantu, kodwa wa ye nga hlali ka khulu nabo ngoba, wa ye thanda ema hlathini na pakathi kwe zintaba eloku evama njalo nje nga ku qala, ahambhe ema hlathini nase ma thafeni ebusuku, ehambha nezi mpisi ezi yimi khovu zihambhe zi khala.

Abu yange avamise uku zingela nezi mpisi u Mhlopekazi u Mbulali wabe ese loku elala eceleni kuka Zinita, owaye mu thanda ka khulu waze wa mu zalela abantwana.

## ISAHLUKO XVIII

### U KU QALEKISA KUKA BALEKA

Manje na ke baba, indaba yami se yi buyela emuva nje ngo ku zungeza kwo mfula, ngi zo khuluma nge zinto eza ze nzeka emzini we Nkosi u Shaka, kwa Gibamaxegu. Lomuzi wa qanjwa leli gama ngoba ku yi lapo kwa ku bulawela khona ama doda ama dala anga senakuya empini.

Nge muva kokuba u Shaka ese ngi nike aba fazi aba sha, nezi nkomo ezi khulupeleyo, wa nga khela nomuzi ukuba ngi hlale kuwo, ama thambho ka Nandi i Ndhlovukazi enkulu, unina wa ma Zulu, abu thelwa ndawonye, ekhishwa emu lotheni we zindhlu zami eza zi shisiwe, kwathi ngoba atholakali onke, kwa se kwe

maniswa nga waba fazi bami. U Shaka e ngazi. U ma ese buthelwe ndawonye, kwase ku mbhiwa umgodi omkhulu, aye se fakwa pakathi ebekwa kahle elungeleliswa, kwase ku ya gqitshwa; kodwa agqitshwanga odwa akakwa yi zintombhi ezi yi shumi na mbhili, ezazi yi zi chaka zakhe u Nandi, lezi zi ntombhi za gqitshwa zi zwa, za shiywa u kuba zisale zi zi fela eceleni kwa mathambho ka Nandi u mpathi wazo. Pezu kwa kho konke loko bonke abantu ababeze ku lowo mngcwabo, u Shaka wathi aba hlale ba linde ithuna kuze ku pele u nyaka babe yi butho, bakhe kona eduze ne thuna. Babe ba ningi baba, kodwa mina angi banga bikho pakathi kwabo. Futhi u Shaka wa khipa u mthetho wokuthi aku nga limi muntu nga lowo nyaka, ubisi lwe zinkomo lu chithelwe pansi, anga bibikho umfazi ozala ingane kuze ku pele wonke unyaka, wathi, uma eba khona umfazi ozalayo ku lowo nyaka, uyo bulawa kanye nendoda yakhe. Kwaze kwa pela izinyanga ezi ningi be bulawa bonke, okwathi ku shaywa umthetho ba se be khulelwe lapo ke, baba, lwaba lu khulu usizi ezweni.

Kwa buye kwa khona is ikhathi lapo kwathi gogololo, u Shaka wa hlala ngo ku nge nami, ese vama uku hlala ngo ku khala, nathi tina zi nceku zakhe, si hambhe si m'landela si khala, kwaze kwathi lapo se si jwayele, si khale isi khathi eside singa sathuli. Amukho u mfazi owaye nga khala nje ngoba kwa ku khala thina, asi lutho noma ku ngaba othukuthela ka ngakanani; uku khala loku, kwa se ku yiwona musebenzi engase ngi wu fundile, nenga zuza ngawo izi nkomo ezi ningi ngoba maye, ku lowo ongabi nazo izi nyembhezi emehlweni nga lezo zi nsuku. Yiso leso si khathi u Shaka athuma ngaso induna na ma butho angama shumi ayi si hlanu ukuba ayo funa u Mhlopekazi, ngoba noma u Shaka waye thule enga sho lutho kimi nge ndaba ka Mhlopekazi, akholwanga yindaba engangi mutshele yona ukuthi, u Mhlopekazi wa dhliwa yi bhubesi, ngi sho na lapo sengi fakazelwa abantu enga ngi

hambha nabo. Se uyi zwile ke indaba yalelo dhlanzana uku bulawa kwalo o Mhlopekazi no Galazi i Mpisi nezi mpisi zabo ezi mnyama nezi mpunga. Ngi ku tshelile futhi baba, ukuthi aku buyanga noma munye kubona. Kwathi nge muva kwa ma langa, kwa fika umbiko eNkosini ukuthi, lelo dhlanzana eli nga ma shumi ama hlanu linyamalele, ali buyanga, wa suke wa zi hlekela nje u Shaka, wathi lelo bhubesi ela dhla u Mhlopekazi indodana ka Mbope li khulu li badhlile nabo.

Isi gcino lwa fika usuku lo kwe twasa kwe nyanga, ubusuku ba lelo langa ba ba obunzima, nga ku sasa ke khona, kwa kwe sabeka. Nga ngi hlezi emuzini ka Shaka, wa ngi thandela nge zi ngalo zakhe entanyeni wa bhodhla ekhalela unina owaye mu bulele, nami nga bhodhla, kodwa angaze khala ngoba, kwa ku mnyama nga ku sasa ngangi zo khala ka khulu ngi bukwa yi Nkosi na bantu, ngazi londoloza izinyembhezi zami, ngenzela ukuba ngi nga zi sweli kusasa.

Bonke lobo busuku, abantu babe fika ekhaya be qamuka ezindaweni zonke, be fika nge zi nkulungwane na nge zinkulungwane ezi ama shumi, kwaba umsindo wodwa ebusuku kwaze kwa ba sengathi umhlaba wonke uya lila. Enge kho oku funeka ukuba anga khali, futhi ku nga funeki ukuba umuntu awa puze amanzi na kancane. Kwa sa okunga liyo, wa vuka u Shaka, wathi: "Woza sihambhe Mbope, siyo buka abalila kanye nathi." Sa puma ke, sa hambha si landelwa ama doda ahlome ama wisa, ali ndele ukwenza loko oku shiwo yi Nkosi.

Abantu babe buthene nga pandhle ko muzi, beba ningi benge naku balwa, be nganga maqabunga emithi, yonke indawo kwa kumnyama bhuqe.— Bathi ukuba bayi bone i Nkosi bayeka uku mbhongoza, ba hlabelela ingoma ye mpi, babuye ba mbhongoza futhi, u Shaka wa hambha pakathi kwaba khalayo. Ngaleso sikhathi ke, baba, kwaba nzima, kwa shisa li puma nje i langa, abantu ba fikelwa uku khathala oku khulu, nge nxa yoku shisa, be minyene ndawonye nje nge mi hlambhi

yezi nkomo, kwathi ingani izi nkabi zazi hlatshwe zi u caca, babe nge na ku zidhla futhi benge na ku puza lutho. Abanye baze ba wela pansi babulawa uku nyathelwa abanye nge zi nyawo, abanye ba bheme ka khulu u gwayi yi khona ku zo puma izi nyembhezi, abanye sebe loku bezula be lengise izi limi, be bhonga nge mi pimbho eyomileyo.

Manje ke Mbope sizo ba bona aba nga ba thakathi aba si bangele lezi zi nhlupeko, ku sho i Nkosi, si zo ba bona futhi aba ne qiniso.

E sa li qeda nje lelo gama, sa fika e ndodeni eya ziwayo. U Zwakumbhana, inkosi yase Mabomvwini, ikanye naba fazi bayo nabantu bayo, seye hlulekile uku khala, seyi bulewe ukoma no ku shisa, seyi loku ikhamise umlomo nje. U Shaka wayi buka.

Wathi, U ya si bona lesi silwanyazane Mbope, asinazo izi nyembhezi, asi mukhaleli u mame ofile! Hayi le nunu enge nanhliziyo! U thi into enje ngayo nje ku ya funeka ipile, kanti mina nawe siya khala Mbope na. Pinde! pinde! Mu suseni kanye nabo bonke ahambha nabo! Ba suseni abantu aba nge nazi nhliziyo, aba nga khali kanti, umame ubu lewe aba thakathi!"

Wa dhlula njalo u Shaka, ehambha ekhala, ngi mu landela ngi khala nami. Isi khulu esi u Zwakumbhana, kanye nabo bonke aba hambha naso, ba bulawa ngaba bulali ababe lindele kona loko, nabo aba bulali, kwa ku funeka ukuba, bathi be bulala be be khala nabo. Sa fika ko munye umuntu futhi, owathi ngoba seu bona i Nkosi, wase ubhema u gwayi esi thelisa ukuba inga mu boni, ethi we nzela ukuba kupume izi nyembhezi, kanti u Shaka kade emu bonile.

Wathi au mu bheke Mbope, uya mubona lo mu thakathi onge nazo izi nyembhezi, kanti u mame ubulewe abathakathi: U yamubona uya bhema, uthi yi khona ku zau puma izinyembhezi emehlweni akhe omileyo enziwa uku nga lungi kwa khe. Mu suseni, isi lwane esi nge na nhliziyo lesi! Hau, mususeni!"

Naye ke wa bulawa, laba ke kwa ku se aboku qala ezinkulungwaneni ezazi zaulandela ngoba u Shaka masinyane wa ba seu phambhana ikhanda ngenxa yo bubi bakhe noku thukuthela, ne nkanuko yo ku chitha igazi. Wa hambha eya le na le e khala, eloku ebuyela endhlini eyo puza u tshwala kanye nami, ngoba wathi ngoba tina si hlupekile, kuhle si ku thole ukudhla.

E hambha e pakamisa ingalo noma u mkhonto, ethi Ba suseni, izi lokazane ezi nge·nazi nhliziyo, ezi nga mu khaleli umame efile, uma umuntu eke waba se duze ne ngalo yakhe abulawe, isi gcino, aba bulali, baze ba khathala, base baye hluleka uku bulala abantu seku pele amandhla abo, nabo base baya bulawa njalo, ngenxa yokuba sebe hlulekile, nezi nyembhezi bengase nazo. Nami futhi kwa funeka ngi bulale, ukuze nami ngi nga bulawa.

Isi gcino, manje abantu ba penduka izi nhlanya, yindaba yo koma novalo lo kwe saba. Ba pendu kelana bodwa ba bulalana; kwaba yi lowo wa funa isitha sakhe azondana naso, wasi bulala, amukho owa sinda, leyo ndawo ya gcwala izi dumbhu zodwa; abantu bonke abafayo nga lelo langa kwa ba yizi nkulungwane ezi yisi khombhisa. Kepa noko u Shaka waloko ehambha pakathi kwabo ekkala ethi, Ba suseni, izi lwane ezi nge na zi nhliziyo, ba suseni!" Kepa noko baba, unya luka Shaka lwa lu no bu qili, ngoba noma waye bulala abantu abaningi kangaka nje, edhlala ngabo, ngalelo langa waba bulala bonke owaye ba zonda no waye be sa ba eba nqenekele.

Kwa hlwa ke, ilanga la shona li bomvu nga lelo langa lonke izulu laba nje nge gazi, no mhlaba wonke pansi kwalo wau yi gazi. Kwa yekwa ke uku bulalana ngoba waye ngasekho ona mandhla oku bulala omunye abantu sebe pelele pansi beyi zi nqwaba, be hehezela, abezwayo na ba file be yizi nqwaba ndawonye. Ngathi uma ngi ba buka, nga bona ukuthi, uma ba lelwa ukuba ba dhle nokuba ba puze amanzi, ku yothi ku sa aba-

ningi bese be file, nga khuluma ne nkosi, ngoba ngaleso si khathi nga ngi nga sa kwe sabi ukufa; no mucabango wo kuba ngi zi pindisele, wase ukhohlakele ebu hlungwini be nhliziyo yami.

Yi si lilo impela, lesi Nkosi, ku sho mina. Yisi lilo esi hle sa bantu aba neqiniso, aba thakathi ku pela aba ngasi thandiyo. Ngi ye thembha ukuthi, inkosi i duduzekile enhliziyweni yayo ne yami.

Cha Mbope, ku pendula u Shaka, loku ku se oko ku qala; isi lilo sethu sibe sihle namuhla, kodwa esa ngo muso si yoba sihle kakhulu.

Hau Nkosi, ngomuso, bayoba yi ngcosana abantu bo ku lila, bayobe sebe pelile ezweni.

Ka njani Mbope mtaka Makhedama na. Ingani bayi ngcosana nje aba file kuzo zonke lezi zi nkulungwane ebe zi buthene lapa. Ake uba bale abebe khona uzo funyanisa kunga bonakali ukuthi ba khona aba ngekho.

Kodwa pela aba mbalwa ba bulewe umkhonto ne wisa Nkosi, Futhi, indhlala no koma ku zo ba qedela laba abasele eku gwazweni. Aba ka dhli lutho yonke imini no bu suku, na manzi aba ka wa puzi, kanti sonke leso si khathi bebe lila be khala. I Zulu eli Mnyama ake li buke pandhle, nampaya be yi zi nqwaba kanye naba file. Kuyothi kusa ngo muso, bayoba sebe file noma kuyosa be fa.

Manje u Shaka wa cabanga isi khashana, wa bona ukuthi, uma eya pambhili nalo msebenzi, bazoba yi ngcosana abantu azo sala aba buse.

Wathi kulu khuni Mbope ukuthi, wena nami sizo lila sodwa, lezi zinja zi be zidhla zi jabula. Kodwa ke, ngenxa yo ku lunga kwe nhliziyo yami, ngi zoba patha kahle. Puma mfo ka Makhedama uyoba tshela abantwana bami ukuba, sebe ngadhla ba puze uma be thanda ngoba isililo sesi pelile. U mame u Nandi, nge ke alale kahle, uma ebona ukuthi, li yi ngcosana igazi eli chithekele ethuneni lakhe, impela umoya wakhe uzo

ngi hlupa ema pupweni ami. Kodwa ke nge nxa yoku lunga kwe nhliziyo yami, ngi ya memezela ukuthi lesi sililo se si pelile. Aba ntwana bami sebe nga dhla ba puze uma bengase ba ku thande.

Nga pendula ngathi, Baya jabula abantu aba petwe yi Nkosi enje. Ngase ngi ya puma, nga fike ngaba tshela abantu ama zwi ka Shaka, ngatshela izi khulu nezi nduna, kwathi labo, ababe se nalo izwi lo ku khuluma: ba yi bonga i Nkosi uku lunga kwayo. Ko dwa aba ningi bayeka uku khotha ama zolo ezi ndukwini zabo, ba gijimela emanzini nje nge zinkomo ese zi na malanga ayisi hlanu zi ngawatholi amanzi, ba puza ba kholwa. Abanye banyathelwa abanye ba fela khona emanzini.

Nga lobo busuku nga lala ubu thongo, kodwa kwa ku nga lungile, baba, ngoba ngi mazi u Shaka ukuthi aku ka me nelisi u ku bulala.

Nga ku sasa iningi la bantu la buyela ema khaya, li celile e Nkosini, abanye ba hudula izi dumbhu be zi hudulela endaweni ya mathambho, kwa buye njalo kwa khishwa impi kubo laba aba seleyo ukuba, iyo bulala bonke aba nge zanga esi lilweni se Nkosi. Nge muva kwa se mini u Shaka wathi u funa ukuba ake avakashe, wa biza mina ne zinduna nezi nceku zakhe ukuba si vakashe naye. Sa hambha ke ngo ku thula, eba mbhelele kimi ehlombhe ngi udondolo lwakhe. Wase ethi, U thini Mbope nga bantu ba kini, uthini nge sizwe sase Langeni na. U thi imbhala bebe khona nje esi lilweni sami na? Angi ba bonanga.

Ngathi angazi nami, kodwa bebe biziwe, kodwa ku kude, nesi khathi si be sincane ngoba, baningi ka khulu futhi ku kude.

Wathi u Shaka, Izinja uma zi bizwa umnikaziyo, ku funeka zi gijime ka khulu Mbope.— Nga wa bona amehlo akhe ese khanya ngo kwe sabekayo, anga fani na wa muntu. Inhliziyo yami lapo ke baba, yaba bu hlungu, ingani ngangi nga ba thandi ka khulu aba

kithi, ngoba futhi babe ngi xoshile, yaba bu hlungu impela inhliziyo. Manjena ke, sa fika lapo ku khona umholo omkhulu edwaleni eli mnyama, igama lalowo mholo kwa ku thiwa u donga luka Tatiyana, ngalapa na ngalapa kwalo ku umgingqilika womhlabathi omiyo oshona pansi emholweni, uma umi pezu kwalo lolu donga, kubonakala yonke indawo. Kulapo ke u Shaka wa fike wa hlala khona pezu kwalo ecabanga. Masinyane wa pakamisa ikhanda, wa si bona isi xuku esikhulu sa bantu, ama doda, isi fazane naba ntwana, beza beyi zi nsonge ethafeni nje nge nyoka beza bese nzansi be qonde emzini we Nkosi kwa Gibamaxegu.

Wase ethi u Shaka. Ngi ya bona Mbope ukuthi, umbala wa lawaya mahawu ufana na ma hawu aba se Langeni bakini Mbope.

Ngathi yibo abakithi Nkosi. U Shaka wase e thuma izi thunywa za khe, ukuba zi gijime nga ma jubane, zi yo ba tshela beze kuye lapo ehlezi khona. Ezinye wa zi thuma ekhàya, wa zi nyenyezela ezi ndhlebeni, anga ze nge zwa ukuthi uthini.

Kwaze kwaba yisi khathi eside, u Shaka ebuka abantu be hambha be fana ne nyoka ende emnyama ethafeni, zaze za fika kubona izi thunywa, inyoka yabo ya qala uku khupuka iqele le ntaba.

Wa buza u Shaka wathi, ba ngaki laba bantu ba kini, Mbope na? Ngathi, O! angi bazi Ndhlovu." Se ngi ne minyaka eminingi nga ba gcina. Mhlaumbhe ba nga pela ama butho ama thathu.

"Cha, ba nga pezulu," ku sho i Nkosi; uthini wena Mbope, laba bantu ba kini uthi ba nge lugcwalise lolu donga olu semuva kwethu na? Wa khombha nge khanda emholweni we tshe ongu mfantu we dwala.

Lapo ke baba, inyama yami ya vevezela, uma se ngi yi bona into eqondwe u Shaka; nga kohlwa nje ukuthi ngi zo mupendula ngi thini, u lwimi lwami lwa suke lwa namathela emlonyeni lwathi, paqa.

Wathi u Shaka, abantu baningi, kodwa noko Mbope, ngi bheja ama shumi ama hlanu ezi nkomo ukuthi, nge ke ba lu gcwalisa lolu donga.

Ngathi mina, kuhle uma i Nkosi intela. Yebo Mbope ngi ya ntela, kodwa noma ngi ntela ngi yabeka, yamukela loko wena.

Ngathi, kuse ku thandeni kwayo i Nkosi ukona yini onga kwe nqaba loko na? Nga leso si khathi abantu be sizwe sa kiti base bese duze, be holwa yi ndoda endala emhlope nge zi nwele na nge silevu, ngathi ngi yi buka nga yazi, kwaku u baba, u Makhedama. Wathi lapo ese se duzane ne Nkosi, wayi binge lela ngo Bayede, wa guqa pansi nga ma dolo na nge zandhla, wa khasa eqonde ku Shaka ehambha embonga nge zi bongo za khe. Nabo bonke abantu aba yizi nkulungwane, ba khasa pansi be bongela ka khulu, umsindo wabo wo ku bonga, wa ba njengo ku duma kwe zulu oku khulu.

U baba u Makhedama, waze wayo fika pambhi kwe Nkosi e huma nge si fuba pansi nje nge nyoka. U Shaka wathi, aka vuke wa mu bingelela ngomusa; zabe zonke izi nkulungwane zabantu zilele nge zisu pansi.

"Sukuma, Makhedama, mntanami, wena opethe abase Langeni," ku sho u Shaka, ngi tshele ukuthi, we puzeleni uku fika esi lilweni sami na?

Indhlela yinde Nkosi, ku pendula u Makhedama, owa yengasa ngi boni. Ku kude futhi nesi khathi si be si fushane. Kwa buye kwa khathala aba fazi na bantwana kwa ba bu hlungu izinyawo zabo, sebe khathale kakhulu manje.

"Sala se u yeka Makhedama mntanami," ku sho u Shaka. Impela inhliziyo yakho kanye nezabo bonke se zi lilile, ba zau pumula eku khathaleni kwabo. Sebe pelele kambe bonke na?

Sebe bonke, Ndhlovu! amukho osa sele. Imizi ya kithi isele yodwa, izi nkomo zizi hambhela zodwa ezi gangeni zi nge luswe muntu, izi nyoni zi dhla ama bele azi lindwe muntu.

Ku ye zwakala Makhedama, nceku ya mi elhembhekileyo, kodwa pela usazoke ulile nami ingcosana—aku njalo yini na? Ake ulalele ke! Tshela abantu bakho badhlule baye nga kwe so kunene sami na nga kwe so khohlo, ba fike beme bonke etshanini obu se qeleni ele hlela pansi odongeni.

Njalo ke, u baba u Makhedama, waba tshela abantu oku shiwo u Shaka, ngoba naye u Makhedama kanye ne zi nduna zakhe babe nga yi boni into eqondwe u Shaka, kodwa mina, enga ngi yazi inhliziyo yakhe embhi, nga ku bona aku qondileyo. Ba dhlula ke, abantu nga ma khulu na nge zi nkulungwane, baya nga kwe sokunene na ngakwe so khohlo, ababe bu sa bona kala utshani be qele nge nxa yobu ningi babantu. Lapo se be dhlulile bonke, u Shaka wa khuluma futhi no baba u Makhedama wathi, ye hla uye pansi odongeni, uyothi uma seu se kugcineni kwalo, bese uya memeza u lile. Nembhala ixegu la lalela, Le hla ka ncane, ka bu hlungu laze la fika eku gcineni ko mu fantu lema khona. U mfantu wau julile u yi ngcingo, no ku khanya ku nga finyeleli kahle lapo emi khona. Ngase ngi mu bona nge zi nwele ezimu hlope ku pela, kude enzansi, e thunzini.

Kwathi ke uma ese mi pansi, kude, wa memeza izwi lakhe le zwiwa yizi nkulungwane ezazi qaqele eqeleni. Lizwakala ka ncane se ngathi ali khulumi, sengathi elo muntu ose ntabeni, ku ma khaza, lithi:

"Lilani, bantwana baka Makhedama!"

Ze zwakala izi nkulungwane zabantu amadoda, naba fazi, naba ntwana, bemu lingisa ngo msindo omkhulu odumayo bethi:

"Lilani bantwana baka Makhedama!"
Lapinda futhi.

"Lilani bantu base Langeni, lilani nomhlaba wonke!"

Nezi nkulungwane zasho njalo zathi:

"Lilani, bantu base Langeni, lilani ne zwe lonke!"

La pinda futhi izwi okwe sithathu:

"Lilani, bantwana baka Makhedama, lilani bantu base Langeni lilani nomhlaba wonke."

"Mbhongozani, nina ma qhawe, khalani nina bafazi; shayani ama bele enu, nina zintombhi; khihlizani nina bantwana abancane."

"Izi nyembhezi zenu azibe amanzi ni puze zona, zi theleni ngo thuli lo ku hlupeka."

"Lilani, sizwe sase Langeni, ngokuba u Nina wa Mazulu asekho."

"Lilani bantwana baka Makhedama, ngokuba i Dhlozi le Nala ali sekho.

"Lilani bantu, ngokuba i Bhubesi le Zulu seli sele lodwa."

"Izi nyembhezi zenu azi be nje nge mvula uku khala kwenu akube nje ngo kwa bafazi be beleta."

"Ngokuba usizi lwe hlile nje nge mvula, umhlaba u mithile wazala ukufa."

"U bu mnyama obu khulu, bu pezu kwethu, ubu-mnyama ne thunzi lokufa."

I Bhubesi le Zulu li liya zula zula li sele lodwa, ngokuba u Nina wa ma Zulu asekho.

"U bani oyomu duduza na., U ya duduzwa uku khala kwa ba ntwana bakhe."

"Lilani bantu base Langeni; izwi loku lila kwenu aliye li fike pezulu ezulwini, lifike li dilize izulu."

"Hawu-hayi! Hawu-hayi! Hawu-hayi!"

Ya hlabelela ka njaloke indoda endala u baba u Makhedama, kude enzansi eku juleni ko mfantu we dwala. Wa hlabelela nge zwi eli ncane, eli nga nqa-mukiyo, ebeka amagama ngama gama, emukelelana ne zi nkulungwane eza zimi emu thambhekeni nga pezulu, ku dume yonke indawo kuze ku zama zame izi ntaba. U msindo wo ku khala, waze wa thambhisa amafu, kwana enkulu imvula, ngoba, bathi be lila, lali hloma, lana imvula enkulu ema thonsi abanzi, kwaba sengathi naso isi bhakabhaka siya khala, lathi lina, labe li nyazima li duma.

U Shaka wa lalela, kwe hla ezi nkulu izi nyembezi ezi hlathini zakhe ngoba, ube shesha uku hlabeka uma ezwa ingoma. La na la qinisa, kwathi, khuhle, imvula pezu kwe zi nkulungwane za bantu: kepa noko, uku khala kwa bo, kwe zwakala khona emvuleni, noku duma kwe zulu ku pelela kubona. Masinyane kwa thu la kwa thi cwaka. Nga bheka nga kwe so kunene. Nga bona nge nhla kwa makhanda abantu, ku qhamuka entabeni izi dhlodhlo za ma butho, eza ndhleni zawo ku cwebezela ixha le mikhonto. Nga bheka futhi na nga kwe so khohlo; na nga khona futhi, nga wa bona ama butho elu thuthuva emvuleni, nawo epethe ixha le mi khonto. Nga buka pambhi kwami lapo ku pela khona u donga, na khona futhi kwa qhamuka izi dhlodhlo za ma butho zi pethe ixha lemi khonto.

Ba khala bonke abantu, be khaliswa ukwesaba no sizi.

Manje, sebe lila sona ke isi lilo Mbope, ku sho u Shaka, ekhulumela endhlebeni kimi, abantu ba kini ke manje, sebe lila nge zi nhliziyo, aba salili nge mi lomo yodwa".

E sa sho njalo, izi xuku za bantu, nga lapa na nga lapa kwo donga, za nyikizela zaya pambhili nje nge gagasi lo lwandhle, zathi nyiki futhi zi buyela emuva, na pambhili futhi, manje na ke, ngo ku khala okwe sabekayo, zi xoshwa yimi khonto enga ncengiyo ya ma butho, za qala uku khithikela kude pansi eku juleni oku mnyama, amadoda, na besifazane kanye na bantwana.

*Baba, ngi xolele nge zi nyembhezi eze hla emehlweni ami anga sa boni, se ngi mudala kakhulu, se ngi fana nomntwana, se ngi ya khala nje ngo mntwana omu ncane. Sengi ye hluleka uku yi xoxa. Isi gcino, kwe nzeka, kwase ku thula kuthi, nya.*

U Makhedama wa gqibeka ka njaloke, waba nga pansi kwe zi dumbhu za bantu bakhe; sa pela kanjaloke isizwe sase Langeni, kwa gcwaliseka ipupo ela

pupwa u mame: wazi pindisela ka njaloke u Shaka, epindisela loluya lu bisi ancishwa lona umame, ehambha no nina ese u mfana: nge minyaka eminingi eya dhlula.

Auka zi wini izi nkomo engi ku bhejele zona Mbope, kusho i Nkosi, U ya bona lapaya; kusa sele isi gece, anga ngena omunye alale khona agcwalise. Ku funeka le nqolobane igcwaliswe aba file, kuze ku fike pezulu, ba gcwale kuze ngabikho nhlamvu epilayo esa layo. Kodwa, ku sa sele isi kadhlana sinye nje, Amukho yini onga si gcwalisa na. U thi se ba fe bonke bathi nya abase Langeni na.

Nga pendula ngathi, use khona munye Nkosi, yimina owe sizwe sase Langeni, aku gcwaliswe nge si dumbhu sami ku leso si khala.

Wathi u Shaka, "Cha, Mbope, cha!" U bani kanti ozo kudhla lezi zinkomo engi beke ngazo na. Na nga pandhle kwa loko: angi ku bulali wena ngoba, nge nza isi fungo. Futhi, kanti, asilili kanye nawe yini na.

Amu sekho osa seleyo esi zweni sase Langeni Nkosi. U ku bheja kwa hlulekile; zi zau khishwa izi nkomo.

Ngi ya bona ukuthi, use khona osa sele, ku sho u Shaka. Na nguya udade wenu, ongu dade wethu Mbope, O, uya mubona, nangu eza!

Nga bheka, nga m'bona u Baleka u dadewethu, eza kithina, embhethe isi puku se zi nsimbha, eqhutshwa ama butho ama bili, e hambha ngo ku zazisa, ebheke pezulu eza nge zi gqi nje nge ndhlovukazi. Wa bona ukuthi, namuhla elo kufa, ngoba, aba file babe yizi ginqane pambhi kwa khe. Wema isi khashana eqhaqhazela uthe ukuba abone ukuthi, kanti ku nje, wase uya hambha wa yo kuma pambhi ku ka Shaka.

Wathi, I Nkosi ithanda ukuba nge nze njani na. U Shaka wathi, u fike nge si khathi esihle dade wethu, esho ebhekisa ubuso ba khe ku mina ethi, Kunje: u Mbope inceku yami, u mfowenu lo si bekelene izi nkomo, nge ndatshana encane ebe sipikisana ngayo yo kuthi, isizwe sakini e Langeni, Baleka dadewethu, singa

lu gcwalisa loluya donga luka Taliyana. Abantu bakini e Langeni ke, bathe, ukuba bezwe, ukuthi, se si bekelene izi nkomo, base be suka be zi ponsa pakathi, izi nkulungwane nge zi nkulungwane zabo, befuna ukuba kupele leyo nkani. Manjena ke, ku bonakala ukuthi, umfowenu we hlulekile eku bekeni kwa khe ngo kuba si sa sele isi gece soku ba si gcwaliswe umuntu abe munye lapaya ku leya ndawo. Njalo ke dadewethu, u Mbope ungi khumbhuzile ukuthi, u khona, munye owa se Langeni osa sele ezweni, owe si fazane obe ku fanele alale ku leya ndawo, nga lokoke uyoba seu ya zi thola izi nkomo oku bekwe ngazo, wa ngi ncenga ke ukuba ngi mthumele alandwe lowo owesi fazane. Njalo ke dade wethu, angi thandi nami uku zithatha izi nkomo, kanti nge hlulekile umgodi au gcwalanga, nge nze njalo ke manje na ke; ake ubuyele lapaya, ke niyo khuluma no Mbope, umfowenu nodwa, ngayo le ndaba, ni khulume nje nga kuqala, muhla ni khuluma nge ngane eya yi zelwe u wena dadewethu!"

U Baleka aku nakanga okwa ku khulunywa u Shaka ethi ku shiwo yimi, ngokuba wa ye mazi ukuthi uqondeni. Wa thula nje wa mu buka emehlweni wathi:

Kusu kela namuhla Shaka, au seyu ku pinda uku thole uku lala ubu thongo obu hle, kuze ku fike isi khathi lapo nawe uyoze ufike ezweni lapo ubu thongo bu nge kho. Se ngi khulumile.

U Shaka wa ku bona loko, wa kuzwa, masinyane wa bonakala ese nyobozela, ese saba, wase uya penduka ubheka le.

"Mbope, mfowethu, ake sikulume sodwa ku le si khathi so ku gcina, I Nkosi isho njalo."

Ngase ngi ya suka ke kanye no dadewethu u Baleka sa buyela eceleni ngi pete umkhonto. Sema sodwa si khuluma nga ku bantu aba file, u Baleka wa zi mbhoza nge si puku ngenhla kwa mehlo, wa khuluma nami wa sheshisa ekhulumela pansi kwe si puku.

"Nga thini ku we Mbope nge si khathi esinye na? Yikho ke loku ose kwenzeka namuhla. Funga ukuthi ngaleso sandhla sakho uzo sala ungi pindisela ku loku enge nziwa khona."

"Ngi ya funga dade wethu, ngi zo kwenza."

"Funga futhi ukuthi uyothi uma seu ngi pindisele, bese ufuna indodana yam u Mhlopekazi lapo ekhona, uma esa pila umu busise egameni lami."

"Ngi ya funga dade wethu, ngi yo kwenza lokho."

"Sala kahle ke Mbope! Besi hlezi ngo ku thandana sonke isi khathi, manje na ke se ku ya pela konke, kimina ku sengathi, yi le siya sikhathi sise nga bantwana si dhlala emizini yase Langeni. Sengathi si nga buye si dhlale futhi kwe linye izwe! Manje na ke Mbope se ngi khathele, esho engi bukisisa eme hlweni. Se ngi ya ema dhlozini, abantu ba kithi ngi ya bezwa be memeza ezi ndhlebeni zami. Se ku pelile."

*Okwa landela loko ke, ngi ngeze nga ku tshela, baba.*

## ISAHLUKO XIX

### UKU FIKA KU KA MASILO E MZINI WAKWA DUKUZA

Nga lobo bu suku, isi qalekiso sika Baleka sa mufikela u Shaka, wa lala kabi. Walala ka bu hlungu, waze wa biza mina ukuba ngi ye kuye, wa fike wathi, asi pumele pandhle si hambhe naye. Nga hambha si hambha naye sodwa si thule, ku hambha yena u Shaka pambhili mina ngi landela nge muva kwakhe, nga bona ukuthi, uqonde ngaso dongeni luka Tatiyana, lapo ku fele khona bonke aba kithi, kanye no Baleka u dadewethu. Sali khupuka kancane iqele le ntaba, saze sa fika emlonyeni we si wa, khona lapo u Shaka wayemi khona ku qala, lapo abantu be wela emlonyeni wo

donga lwe tshe, nje nga manzi empopomeni. Lapo kwa ku kade ku khona umsindo no ku khala, manje seku the nya. Ne nyanga yayi si hlangene, iba khanyisile aba file abase duze nathi, ngi ba bona kahle bonke, yebo nobuso bu ka Baleka u dadewethu ngi bu bona.— Base be mu lahle pakathi kwa ba file. Azange a be muhle nje ngo buhle aye se yibo nga leso sikhathi, nga mu buka ngaze nga ngenwa ukwe saba. Pambhili no donga kwa ku nga bonakali, ku fihlwe yi thunzi.

Beu ngeke wa ngi dhla eku bekelaneni kwethu Mbope, si chaka sami, ku sho u Shaka. Au ba boni sebe hlile emgodini! U donga alu ka gcwali, ku sa sele indawo engango bude bo mu khonto wo ku gwaza mahlanze.

Angipendulanga, kodwa kwathi ukuba ku zwakale izwi lika Shaka uma esho njalo kwa vuka izi mpungushe za baleka.

Wa pinda futhi u Shaka wa khuluma, ehleka ka khulu ethi: Beku fanele ukuba ulale kahle namuhla mame, ngoba ngi thu mele abaningi abantu ukuba ba zo ku thulisa eku pumuleni kwakho. Nina ke base Langeni, bese ni kohliwe, kodwa mina ngi sa khu mbhula. Be se ni khohliwe ukuthi, kwa fika umfazi no mfana kini, wa fike wa cela u kudhla ne ndawo yoku lala kinina; anaze na mupa, anaze na mulalisa, na mu ncisha na masi. Konje nga ni thembhisani nga lelo langa nina base Langeni na? Angi shongo yini ukuthi ngawo wonke ama consi amanzi anga gcwala isi gubhu engangi funa uku wa puza ayo lingana nezi dumbhu za bantu na? Po, angi gcinanga yini leso si thembhiso sami na? Abantu aba fele lapa, aba baningi yini nga pezu kwa ma consi anga gcwala isi gubhu na? sebe kanye na be si fazane na bantwana, ba ningi nje ngama qabunga emithi ange nakho uku balwa na? O, nina base Langeni, ena ngi ncisha ubisi ngi se mu ncane, nje ngoba se ngi mukhulu ke manje, se ngi yazi pindisela kinina. Se ngi mu khulu. U bani onga ngami na? Izwe li ya zanya zanyiswa amandhla ami; ngithi uma ngi khuluma, abantu ba qhaqhazele, ngithi uma ngi

nyukubala, bafe nge zi nkulungwane. Se nga khula ngaba mkhulu, ngi yo hlala ngi mukhulu njalo. Izwe li nge lami, ngi sho noma unga hambha uzu fike pi, elami lonke, nabo bonke aba khe kulo abami. Ngi sa khula ngi sa ya pambhili njalo njalo. Obakho yini lobo buso Baleka obu ngi golozeleyo pakathi kwe zi nkulungwane engi zi buleleyo na? Wa sho pela wathi, ku sukela ku leli langa ngi zo lala ka buhlungu. U ya bona ke Baleka angi kwe sabi, ngi sho na ka ncane, wena seu file nyɔ. Ake ungi tshele ke Baleka—vuka ebu thongweni ba kho ungi tshele ukuthi, ukhona yini engi me sabayo." Masinyane u Shaka wase uya thula eku zi khukhumezeni kwa khe.

Nga leso sikhathi ke, baba, u Shaka esa loku ekhuluma esho njalo, nga fikelwa u mcabango wokuba, ngi nqamule uku khuluma, ngi mu bulale, nokuba inhliziyo yami yayi si gcwele uku thukuthela, yondele uku pindisa. Ngase ngimi emuva kwakhe, ne nduku se ngi yi pakamisile ukuba ngi mu chithe ubu chopo, nga buye nga yeka, ngoba ku khona enga ku bonayo. Khona lapaya, pakathi kwa ba file nga bona ingalo izamazama, ya pakama, ya qhweba ethunzini elali sithe udonga lapo lu pela khona, kanye ne nqwaba ye zi dumbhu eza zi ku lolo thunzi, nga bona sengathi yi ngalo ka Baleka. Mhlaumbhe kwa ku nge siyo ingalo yakhe, mhlaumbhe kwaku eyomunye nje wa lezo zi nkulungwane zaba file—. Ya pakama yona esi dunjini i na masongo aye fana na ka Baleka, ya qhweba, ubuso bona baloku bu njalo. Kwaze kwaba ka thathu i pakama, ime pezulu, yaze ya qhweba ka thathu ngo munwe ogobileyo, kwa ba se ngathi, ku khona ekubi zayo oku se thunzini pakathi, pakathi kwa baningi aba file. Yabuye ya wela pansi, ku lo ko ku thula oku the cwaka, nga ngi yizwa ukuwa kwayo uku khenceza kwa ma songo ama thusi. Yathi ukuba ibuyele pansi, kwe zwakala khona ethunzini u msindo wo ku hlabelela, uku hlabelela ko bu luhlaza, kodwa ku mu nandi, ubu mu nandi engi nga zange ngi buzwe. Amazwi aleyo

ngoma nga wezwa baba ngaleso sikhathi, kodwa nga buye nga wa khohlwa, angi pindanga ngi wa khumbhule. Kodwa ngazi ukuthi, ingoma yayi khuluma ngo kwenzeka kwe zinto, nango kuvela no ku pela kwa bantu. Ya yi sho uku bulawa kwabo ngabantu abamu hlope, nokuthi aba mu nyama benzelwani nokuthi bayo bulawelwani. Leyo ngoma i khuluma ngo Bubi no Buhle, na ngo wesi fazane no wesi lisa, nokuthi, ba lwelani, ba bangani, ne si pelo so kulwa kwabo. Futhi leyo ngoma, yayi khuluma ngabantu ba kwa Zulu, na nge Sandhla esi ncane lapo si yo nqoba khona, na nge ndawo lapo i Sandhla esi Mhlope si yo nqoba khona esi Mnyama no ku nyamalala kwabo nga pansi kwe Sandhla esi m'hlope, ba nga be besa khumbhuleka, ba dhlulele ezweni lapo ku nga sa fiwa khona, ba hlale khona, ba hlale khona kuze kube pa kade, aba lungileyo be hlezi na ba lungile, ababi be hlezi na babi. Leyo ngoma ya yi khuluma ngo ku Pila nango Kufa, ngo ku Jabula na ngo Sizi, na ngo ku hambha kwe zi khathi uku dhlula kwazo, na ngo ku thi, izinto zonke ze nzelwani. Maningi ama gama abantu apatwa yi ngoma, aba yi ngcosana engi waziyo, la patwa elami ne lika Baleka ne lika Mhlopekazi ne lika Shaka i Ngonyama. Le ngoma ya hlatshelelwa isi khashana esi ncane nje, kodwa ya khuluma izi nto ezi ningi, kodwa se ngayi khohlwa, kanti nga ngi yazi, ngi yo yi khumbhula futhi uma se ku pele konke. Izwi elali se thunzini, la hlabelela njalo, kwaze kwe zwakala yonke indawo, kwaba sengathi na bafileyo sebe lalele. U Shaka wayizwa qede wa qhaq̇hazela ukwe saba, kodwa ubunzima obu shiwo yi ngoma abu zwanga, mina nga buzwa.

Izwi eli hlabelelayo la sho li sondela, ethunzini nga bona umzizima wo ku khanya oku nga khanyi ka khulu.— Kwa sondela ka ncane, ku hambha ethunzini ngase ngi ku bona seku nje nge simo somuntu we sifazane. Ngaze nga ku bona kahle; no buso nga bubona kahle, ukuthi lobu buso obu khazi mulayo obu

kabani, kwa ku ubuso be Nkosazana ye Zulu, u Nomkhubulwana! Weza kithina e hambha kancane, ehla pezu kwe zi dumbhu za bantu aba file, kube sengathi baya vuka bamu landele Inkosikazi yezi nkulungwane nge zi nkulungwane zaba file. Hawu! ngoku khazimula kwayo baba, no ku khazimula kwe zi nwele zayo ezi khazimula nje nge goli elincibilikileyo, na mehlo ayo afana nesi bhakabhaka sezulu lasemini,—uku khanya kwe zi ngalo zakhe kanye ne sifuba ku fana no ngqoqwane uma ekhazi muliswa yi langa ntambhama, e muhle kabi, ngi ya jabula ngoba sengi ze nga mu bona nje ngoba waye njalo, egqoke ingu bo yakhe eguqula imi bala nge mi bala.

U the uma esese duzane nathi, u Shaka wa wa pansi, wa ququbala khona lapo esaba, ese fihle ubuso nge zandhla; kodwa mina ngangi nge sabi baba, ababi bodwa abe saba uku buka u Nomkhubulwana. Mina, cha; nge ma nje, ngathi qhwi, nga mu buka eme hlweni. Waye pethe umkhontwana omncane opi selwe ngothi lomuthi wa ma khosi; u Shaka waye u pethe umkhontshwana wakhe omu ncane, kodwa ku ngase siwo, se ku yi si thunzi sawo, wona lowa owa ye bulale ngawo unina, wona njalo naye owa ye zo bulawa ngawo. U Nomkhubulwana wa yeka uku hlabelela, we ma pambhi kwe Nkosi eyayi si ncipile ya finyela ngenxa yo kwe saba, e mi na nga pambhi kwami, mina ngi se muva kwe Nkosi, soba bili si khanyisiwe uku khazimula kuka Nomkhubulwana. Wau pakamisa umkhontwana wa khe, wa thinta ngawo u Shaka ka Senzangakhona ebunzini, emu nikela eku lahlweni. Wase uya khuluma; u Shaka wa uzwa umkhonto uma umthinta ebunzini, kodwa aku zwanga okwa khulunywa u Nomkhubulwana, kwe zwa mina ngedwa.

Lathi izwi, Mbope ka Makhedama, kahle uku shaya isi khathi si ka Shaka asi ka fiki. Uma seu ngi bona okwe sithathu nge hla nezulu li duma, yileso si khathi ke oyo mu shaya ngaso, Mbope, mntanami.

Wa sho njalo ke u Nomkhubulwana, kwa se ku vela ifu li sitha inyanga, lithe u ma seli dhlulile, naye nga mubona enga sekho, nge thuka sesi sele so babili futhi no Shaka ebusuku, kanye ne zi dumbhu za ba file.

U Shaka wa buka pezulu, ubuso ba khe sebu lu thuthuvana yindaba yo ku juluka ko kwe saba.

Wa buza wathi, Beku ubani yena lo Mbope na?

Be ku yi Nkosazana ye Zulu Nkosi, iyona egcina isizwe sa bantu ba kiti, ihlala ivela ibonwe abantu uma kukhona oku khulu oku zau vela.

Nga ke ngezwa ku khulunywa ngayo le Nkosazana, ku sho u Shaka. Po ibi zo kwe nzani namuhla na, Be yi thini le ngoma abe yi hlabelela, futhi ingi thinte leni ngo mukhonto na?

U fike ngoba ebizwa yi sandhla si ka Baleka ofile Nkosi, nje ngoba usi bonile. Ingoma abe yi hlabelela ipatha izinto ezi nkulu, ezi ngangi fanele mina; angazi ukuthi ube ku thintelani ngom'khonto ebunzini Nkosi. Mhlaumbhe ube ku beka umqhele wokuthi, uzau ba mkhulu ngapezu kwo yiko.

Yebo, mhlaumbhe ube ngi beka u mqhele wo kufa. Kunjalo Zulu eli Mnyama, ku pendula mina, ngi sho ngi buka izi nkulungwane za ba file, ese za thula zathi kwathalala.

U Shaka wa pinda wa qhaqhazela futhi ukwe saba. Wathi, asi hambhe Mbope, namuhla sengi ya kwazi ukwe saba ukuthi ku njani.

U kwe saba yinto yabantu bonke, ku ba fikela noma be se basha, noma se be badala, ngi sho nawo ama khosi. Wena ozamazamisa u Mhlaba; se ku sho mina ke; sase si yabuya sa goduka ngo ku thula.

Nge muva kwa lobu busuku, u Shaka wase ethi, umuzi wakhe kwa Gibamaxegu uthakathiwe, ku thakathwe nalo lonke izwe lakwa Zulu, esho ngoba, angasa ku tholi uku lala kahle ubu thongo, elo ku e vuka ekhala eno kwe saba, eloku epatha igama lika Baleka.

Isi gcino, wase uya u thutha umuzi wakhe wayo kwakha kude, uye owa kha umuzi omkhulu wa kwa Dukuza lapa eNatali.

Au bheke baba! Lapaya etafeni, kude, se ku yi ndawo yaba mu hlope, ibizwa ngo kuthi Stanger (Dukuza). Khona lapaya, lapo se kwa khe umuzi wa be lungu, kwa ku umuzi ka Shaka, u kwa Dukuza. Angi saboni mina ngoba se nga ba yi mpumputhe; kodwa wena u sa bona. Lapo kwa ku yi sango lo muzi khona, se kwa khiwa i ndhlu; yi ndhlu yabelungu lapo be shayela khona imithetho; yi khona ke lapo kwa ku yi sango lo muzi ela linge nawo umthetho. Nge muva ku khona enye indhlu, lapo ku thandaza abelungu aba suke bonile, be cela uku thethelelwa yi Nkosi yase zulwini ku yona leyo ndawo, ba ningi engangi ba bona be zi ncengela enkosini ya bantu, kanti akukho aba konile beyi cela ukuba iba hau kele, kodwa angi zange ngi mu bone noma munye owakewa hau kelwa. Hawu! amazwi ka Shaka agcwalisekile. Ngi zo buye ngi ku tshele ukuthi wa thini baba. A be lungu izwe elabo, baya le na le, be sebenza imi sebenzi yabo ngo ku thula, lapo kwa ku gijima khona izi mpi zi yo bulula, abantwana babo abelungu baya hleka, ba kha izimbhali lapo kwa kufa khona abantu ngamakhulu-khulu; u mfula, i Mbozamo, seku yi lapo ku gezwa khona, kanti izi ngwenya za khona zazi pila nge zi dumbhu za bantu, zo ndhliwa nge nyama yomuntu; izi nsizwa za khona, seku yi lapo ze shelela khona izi ntombhi, kanti ku yi lapo kwa ku gwazelwa khona izi ntombhi nge mikhonto. Se kwa guquka, akukho okusa fana na ku qala, u Shaka yena se kwa sala ithuna lakhe lapaya, kanye negama lakhe ele sabekayo.

Kwathi lapo u Shaka ese hlala emu zini wakhe kwa Dukuza, wa hlala isi khashana esa thule, kwa buye kwa vuka uku thanda uku chitha igazi, okwase kwa mu ngena egazini, wa khipa impi ukuba iyo kulwa na ma Mpondo, ya fike yawa bulala ya buya nezi

nkomo. Kwa funyaniseka ukuthi ama qhawe aku funeki apumule; ya pinda futhi ya chinswa yi zi nyanga, uku ba iyo ku lwa, kwa khishwa izi nkulungwane ezi ama shumi-shumi, ukuba zi yo nqoba kwa Soshangane, oyi nkosi yaba ngase nyakatho kwomfula u Limpopo. Impi ya yi hlabelela u Shaka ese qedile uku yi buka no ku yi valelisa ethi, ni bo buya ni be hlulile, uma ninga behlulanga, ni nga buyi ne mpela. Impi yayi ningi ka ngango kuba, ya qala uku dhlula esangweni eku pumeni kwe langa laze laba pezulu emini idhlula—yayi fana ne mihlambhi ye zi nkomo ezi nge na ku balwa—yona ya nsondo enge hlulwa. Benga qondi ukuthi uku nqoba aku sesiko okwa bo, nokuthi izi nkulungwane zabo zizo bulawa yi ndhlala no mkhuhlane ema xhapozini ase Limpopo, no kuthi labo aba yo buya ama hawu ayobe engase kho; se be wadhlile nge nxa ye pango lo ku lambha! Po bayini loku aba lutho. E linye ibutho ku lawa aye yo hla sela u Soshangane kwa ku thiwa u Thuli, nempela baba yilo u thuli—be bulawa yi zwi nje ela puma ku Shaka, i Ngonyama ya ma Zulu.

Kwa sala abantu aba yi ngcosana emzini kwa Dukuza, ngoba babe cishu ku hambha bonke ne mpi, kwa ku sele abesi fazane na ma xhegu ku pela. U Dingane no Mhlangana, aba fowabo be Nkosi babe khona, ngoba u Shaka avumanga ukuba ba hambhe, esaba ukuthi bazo hlangana ngaye, waye hlala ngo kuba buka nge so elibi sonke isi khathi, nabo se be hlala ngo kwesaba uku bulawa, kodwa be nga tandi uku bonakalisa ukwe saba kwabo—Kodwa nga kwazi u ku qagela, ngoba nga ngena ezi nhliziyweni zabo, nga thandela nje nge nyoka, sase silo ku si hleba, si khuluma ngo ku fane kiselana, si nga ga guli. Ake ngi yeke ke lapo baba, ke ngi xoxe eyo ku fika ku ka Masilo, owaye ndiselwe u Zinita, u Masilo lowo owa xoshwa u Mhlopekazi u Mbulali wa mu khipa emizini yaba se Mbhazweni.

U Masilo wa fika kwa Dukuza emuva ko ku puma kwe mpi eyayi yo hlasela ku Soshangane, wa fike wa

cela ukuba akhulume ne Nkosi. U Shaka waye hlezi pambhi kwe ndhlu yakhe, ena ba fowabo, o Dingane no Mhlangana, nami nga ngi khona kanye ne zinye izi nduna ezi yi bandhla le Nkosi. U Shaka waye diniwe ngalelo langa, ngoba wa ye nga lalanga kahle ku sihlwa, ngoba waye se vama uku ngalali kahle. Kwathi lapo enye induna ibika ukuthi, ku khona isi hambhi u Masilo, si funa uku bona i Nkosi, ashongo ukuthi asi bulawe, kodwa wathi, asi lethwe pambhi kwa khe. Masinyane kwe zwakala u msindo we zi bongo, nga bona indoda ekhulupeleyo, seyi khathele uku hambha ikhasa pansi othulini, iza kithina ibongela. U Shaka wathi, ayi yeke uku bonga ikhulume ukuthi ifunani. Ya hlala pansi ke indoda, ya yi landa yonke leyo ndaba nawe baba osu yi zwile, nge nsizwa enkulu ena mandhla, eya fika esi zweni sase Mbhazweni, yafike yame hlula u Jikiza, umpathi we mbhazo; kwase kuba iyona umbusi walabo bantu, no ku thatha kwayo izi nkomo zi ka Masilo ya xosha u Masilo. U Shaka waye nga bazi labo bantu base Mbhazweni, ngokuba izwe lali likhulu kulezo zikhathi, baba, line zi zwana ezi ningi ezi ncane, ezi kude, u Shaka angaze anga zizwa. Wa mu buzisisa u Masilo ngaleso sizwana se Mbhazo, no kuthi, sina ma butho anga ka nani nokuthi, izi nkomo zaso zi ningi kanga ka nani, wa buza ne gama le nsizwa ebusa leso sizwe, oku ka khulu, wa buza ukuthi, leso sizwe siya thela yini kuye u Shaka na?

Wathi u Masilo, ubuningi ba ma butho aso empi banga ba yi nxenye ye butho le mpi ka Shaka, wathi izi nkomo za khona zi ningi, ngoba yisi zwe esi fuyileyo. Asi theli lutho eNkosini, insizwa esi busayo, u Mbulali, yilelo gama layo elaziwayo, ayi nalo elinye.

La po ke u Shaka wa thukuthela, wathi, "Sukuma Masilo, ugijime uye kubo labo bantu, ufike uba tshele uba donse nge zi ndhlebe, naye lowo oku thiwa ungu Mbulali, uthi: U khona omunye u Mbulali ohlala emzini wakwa Dukuza, uthi, Kinina bantu be Mbhazo naku wena o patha i mbhazo. Sukuma nabo bonke abantu

bakho, nazo zonke izi nkomo zabo, nize kuye emzini wa khe ka Dukuza, ni fike ni mu nike imbhazo enkulu u Mkhalisi-bantu. Sukuma masinyane wenze nje ngoba ngi sho, ungaze uhlale pansi okoku pela ungabe usa sukuma."

U Masilo wezwa, wathi uzo kwenza nje ngoba ku sho i Nkosi, noma kambe ku kude lapo eya khona, futhi esaba uku vela pambhi kwo Mbulali okwa ku thatha ama langa anga ma shumi ama bili ukuya khona nge ndhlela eqonda ngase nyakatho uma usuka kwa Dukuza, indhlela i hambha pansi kwe thunzi lentaba ya ba Thakathi.

"Hambha ke kusho i Nkosi, ubuye ube lapa pambhi kwami ngo suku lwa ma shumi ama thathu ku su kela namuhla nje, ubuye ne mpendulo yalowo mfana kanyene mbhazo."

Wa fulathela ke u Masilo, wa gijima kakhulu njengo ku sho kwe Nkosi. U Shaka abuyange wa yi patha leyo ndaba. Nga mangala nje mina ukuthi konje, lensizwa epatha imbhazo, ku ngabe ubani, kodwa nga bona ukuthi, le nsizwa, loku ekwenze ku Jikiza na ma dodana akhe, be ku fanele ukuba ngabe kwe nziwa u Mhlopekazi, uma ese khulile waba yi ndoda. Nami ngase ngi ya thula, angaze nga yi patha leyo ndaba.

Ngalo lelo langa nge zwa indaba ukuthi, owa kwami u Makhoba, kanye ne ndodakazi yami u Nada sebafa, ba fela khona le, kubo e Swazini. Kwa thiwa abantu be nkosi yakwa Vilakazi, ba vimbhezela imizi lapo babe hlala khona, ba bulawa kanye na bantu ba khona, ba dhliwa yi mkhonto. Nga khala kodwa azi pumanga izinyembhezi baba, ngokuba ngase nga qedwa yi zi nsizi, inhliziyo yami seyaba lukhuni.

## ISAHLUKO XX

### U Mbope e Tengiselana na ba Nt'a be Nkosi

Kwa pela ama langa anga ma shumi ama bili nesi pohlongo, kwathi nge le si shiyagalolunye ilanga, u Shaka wa pupa i pupo, ngoba wa ye nga sa bu tholi kahle ubu thongo, wase ebiza abesi fazane aba thile base khaya, baba yi khulu beva, abanye ku bona kwa ku aba fazi bakhe owa ye ba biza ngokuthi, odadewabo, abanye ku yizi ntombhi ezi nga kendi; kodwa bonke babe bahle bese basha. Ingabe u Shaka waye pupeni angazi, ku wo wonke ama pupo akhe, kwa kwe nziwa into yinye, ubethi anga pupa bese ku bulawa abantu.

Wa ye hlezi pambhi kwe ndhlu ya khe enyukubele, ngangi hlezi naye. Ngase sandhleni sakhe soku nxele ku buthene izi ntombhi na ba fazi, ama dolo abo ese thambhile ukwe saba. Kulo ku lethwa nga munye pambhi kwa khe, ba fike be me pambhi kwa khe be bhekise pansi ama khanda. Abese uya ba duduza athi, aba nge sabi, abese khuluma nabo kancane, eku gcineni abese buza umbuzo athi, U nalo yini ikati endhlini kwakho dadewethu na?

Abanye ba vume bathi likhona, abanye ba landule bathi, aba nalo ikati, abanye beme bathule nje ba nga penduli, basimze babe yizi mungulu nje, nge nxa yokwe saba. Konke loko aba ku shoyo noma kwa hlu kene ku nga fani, u Shaka wa ku petha ngasi petho sinye, wa suke wa bubula ka ncane wathi, "Hambhani kahle bo dade wethu; kubi ngoba abanye ba na ma kati ezi ndhlini zabo, abanye aba nawo, abanye aba ngi tsheli ukuthi akhona noma awakho.

Bonke labo besi fazane bese be thathwa aba bulali, ba donselwe nga pandhle ko muzi ba bulawe masinyane, kwa ba njalo lonke lelo langa, kwaze kwaba ama shumi ayi si thupa na mbhili asebe bu lewe, abafazi nezi ntombhi. Kodwa isi gcino kwa lethwa into-

mbhi pambhi kwe Nkosi, eya fika idhlozi layo laba: nayo; ngokuba kwathi lapo u Shaka eyi buza ukuthi li khona noma alikho yini ikati e ndhlini yayo ya pe- ndula ngo kuthi, ayazi, yathi kodwa ku khona inxenye ye kati kuyo, ya khombha isi khumbha salo eyayi si bhince okalweni.

I Nkosi lapo ya hleka, ya shaya izandhla yathi, na ngo ke ongi tshela ipupo lami; wayeka ke uku ba bulala nga lelo langa, futhi aku pindanga—kwa ba kanye zwi.

Nga lelo langa ku sihlwa, inhliziyo ya mi yaba bu. hlungu, nga khala nge nhliziyo. "Se ku yoze kube nini na ukuze ngi pumule. Nga puma ekhaya nga zula ngau. shiya umuzi we Nkosi u Dukuza, ngaya esi weni esi khulu ezi ntabeni lapaya, nga fike nga hlala pansi edwaleni pezu kwe siwa, nga buka kahle izwe eli banzi yonke indawo—. I langa lase liyo shona, umoya wau ngeko ngoba kwa ku kade ku shisa nga leyo mini, ne zulu li hloma, mina pela ngi yi nyanga yalo, nga ngi lazi kahle ukuthi liya pendula. Ilanga la shona se li bheje laba bomvu, lenza izwe laba bomvu nje nge gazi; kwaze kwaba se ngathi lonke igazi ela li kade li chithwa u Shaka seli cithekele ku lolonke izwe eli buswa u Shaka. Kwathi lapo seku hlwile kwa puma amafu ama khulu, aqondana nalapo ku shone khona ilanga aba bomvu, pakathi kwa wo kwa dikiza unyazi olu bomvu nje nge gazi. Lawo mafu afike engama izi ntaba na mathafa, kwa thula umsindo kwa thi cwaka. La pelela ilanga eku shoneni lathi gabe, manje amafu abuthana ndawonye se ngathi atshelwa umpathi wawo, no ku pazima ko nyazi kwa fana noku benyezela kwe mi khonto ye mpi. Kwathi lapo inhliziyo yami ye saba. U ku nyazima kwa pela, kwa ba mu nyama ubu mnya- ma oku sengathi unga buzwa uma ubu patha nge sa- ndhla, akwa zamazama qabunga la muthi, akwa khala nyoni, kwaba sengathi umhlaba ufile—se ku sele mina nge dwa ku wo.

Masinyane ke lapo baba, kwa wa i nkangezi e kha- zimulayo pezulu ezulwini, ya fike ya khanyisa amafu

ahlomayo pezu kwawo, ahlakazeka. Kwa vunguza umoya, we zwakala u khala pezu kwa matshe wabuye wa pela, kwase ku qhamuka obandayo kwa shweza wona. Wa fike waye mukela le nkanyezi ewayo, wayi pepula wayi letha nga kimina yaba yisi gaxa esi khulu so m'lilo, lapo siza, sa khula saze saba yisi mo so muntu we si fazane. Nga mu bona nga mazi baba; nga mubona ese kude ukuthi ubani—kwa ku yi Nkosazana (u Nomkhubulwana) le eyayiza nje ngoba yayi shilo ukuthi, iyo fika yehla nge zulu. Yeza i dudulwa yisi pepo so moya. Hawu! ya ye sabeka uma uyi buka ngokuba ya ye mbheswe umbani, ukhanya eme hlweni ayo abanzi futhi nase zi nweleni zayo ezi pepezelayo, kwa ku khazimula imi bani kuzo, nge sandhla i pethe umkhonto wo mlilo, iza iwu vivinya. Ya fika esi khaleni, nga pambhi kwayo kuthule ku the nya umoya, kodwa nge muva kwayo ku bhenguza izulu, li duma li bhadhlazela imvula ihaza nje ngo ku khala kwe zi nyoka; ya fike ya ngi dhlula, ithe se yi dhlulile, ya guquka ya ngi buka nga mehlo kazi esabekayo, angi qeda ngo kwe saba. Ngi yi bone ikhona! ngi buye ngi yi bone inga sekho! inga khulumi lutho, kodwa ivivinye umkhonto wayo obenge zelayo nje ku pela. Kepa ku be sengathi izulu li ya khuluma, na matshe sengathi aya memeza kakhulu, no m'sindo we mvula se ngathi uya ngi nye nyezela endhlebeni uthi: "Mbope, Shaya!" nami kwa ba sengathi ngi yezwa nge zi ndhlebe na nge nhliziyo.— Nga guquka nga buka, nga yi bona i pakathi kwo moya ne mvula i khupu kela pezulu emoyeni. U muzi wa kwa Dukuza, waze waba nga pansi kwe zi nyawo za yo, u mkhonto ovutha ilangabi wa punyuka esa ndhleni sayo wa wela pezu kwo muzi wa kwa Dukuza, wathi ukuba uthi qithi pansi, kwa suka ilangabi lo mlilo. Ya dhlula yaye ya shona nga le ko mhlaba, isi bu yela endaweni yayo. Nga yi bona ka njalo ke baba i Nkosazana okwe si thathu, oko ku gcina angazi ke noma mhlaumbhe nga ngi pupa yini. Kodwa ngi zo buye ngi yi bone futhi, kodwa angi yi ku yi bona lapa.

Kwa ba yi si khathi ngi hlezi esi weni, ngase ngi buyela emzini kwa Dukuza. Ngathi lapo ngi sondelayo nge zwa ku khalwa, lina li duma, ku vimbhanise no moya. Nga ngena, nga fike nga buza ko munye ukuthi kwe nze njani wathi, ku qhamuke umlilo pezulu, we hlela pezu kwe ndhlu ye Nkosi i pakathi ilele, wa fike wa yi shisa yo nke indhlu, kodwa wa cishwa imvula.

Nga dhlula ngaze nga fika pambhi kwe ndhlu enkulu ngabona ngoba kwa ku unyezi, u Shaka emi pambhi kwayo le ndhlu, esaba, eqhaqhazela, ese manzi yi mvula, yena eli bele uku buka indhlu yakhe enkulu, sebu she bonke utshani obu yi fuleleyo.

Nga yi khulekela inkosi, nga buza uku thi umhlola muni lo oveleyo na? Ya ngi bona qede ya ngi bambha nge ngalo, ya ngi nkonkothela nje nge ngane i bambhelela ku nina uma seku fike aba bulali, ya ngi donsela endhlini enye encane eseduze.

Nga pinde nga buza ukuthi yini lena embhi kangaka Nkosi na? Ngi buza se ku khanyisiwe endhlini.

Wathi u Shaka, "U kwe saba Mbope, bengi nga kwazi kahle, kodwa se ngi ye saba manje; yebo, nge saba nje ngo bunye ubusuku ose ba dhlula, mhla isandhla sika Baleka esi fileyo si qhweba into eya yi hambha pezu kwa ba file.

Yini oye sabayo Nkosi, loku u we oyi Nkosi yakho konke oku se zweni na?

U Shaka wa sondela wa ngi nyenyezela wathi, lalela Mbope. Ngi pupe ipupo kuthi lapo se ku pelile uku bulala laba bathakathi be si fazane, ngi hambhile nga yolala ilanga li nga ka shoni, ngoba aku laleki uma se ku hlwile. U bu thongo se ba ngi pelela—lowaya dadewenu u Baleka, wa hambha nabo ubu thongo bami, waya nabo e ku feni. Ngi the uma se ngi lele nga thathwa ubu thongo, ngase ngi pupa ubuso obu mbhoze

'kile ba ngi bonisa umfanekiso. Nga bona u donga lwe ndhlu yami lu wela pansi, ngase ngi bona igceke, pakathi nalo leli gceke ku lele mina ngi file ngi na ma nxeba amaningi, isi dumbhu sami si kakwe aba fowethu o Dingane no Mhlangana, be qholosha nje nga ma bhubesi. U Mhlangana e mbhethe ingubo yami yo bukhosi ye zi nyamazane, le ngubo ine gazi; nge sandhla e pethe umkhonto wami wo bu khosi, nawo une gazi. E pupweni lami, nga ku bona wena Mbope usondela ufike upakamise isandhla sakho uba khulekela uthi, Bayede ku laba ba fowethu, wena ke wase unyathela ngo nyawo isi dumbhu sami, mina Nkosi yakho. Lobu buso obu mbhozekileyo base bu bheka pezulu ba nyamalala. Ngi the ngi buka kwa se ku sha indhlu yami. Ngi pupe ka njalo ke Mbope nceku yami au sho ke ukuthi, ngi nga ku yekelani uku ku bulala, loku uzo buye kanti ukhonze amanye ama khosi nga pandhle kwami, uzo buye ukhulekele aba ntwana be nkosi aba fowethu nge si khulekelo sami so bu khosi na. Lapo ke wa ngi golozela kanzima.

Nga pendula ngo ku thobeka nje ngathi, "Ma kube nje ngo ku bona kwayo i Nkosi!" Ngo ku sobala, ipupo le Nkosi libi, okubi ka khulu, umlilo owe hlele pezu kwe ndhlu yakho. Kodwa ke—" ngase ngi ya thula.

Kodwa ke— uthini Mbope, nceku enge thembhekile. Kusho u Shaka.

Cha Nkosi ngithi, kodwa ke ngokwami uku cabanga kobu lima, be ku fanele ukuba ku shaywe ikhanda inga shaywa u msila inyoka, ngokuba uma ingase nawo u msila, ikhanda linga pila, kodwa umsila ngeke u pile uma ikhanda li nga sekho.

Kambe Mbope usho ukuthi, uma ku fa laba bantwana be Nkosi, ngeke yini uba khulekele nge zi khuleko zo bu khosi abanye na? Ngi kuzwa ka njalo kambe na.

Nga pendula ngathi, Ngi ngu bani mina engi nga khuluma ngi cele ukuba ku chitheke igazi laba ntwana be Nkosi na? I Nkosi ma yizi bonele yona!

U Shaka lapo ke wa cabanga isi khashana. Wasethi, Kunjani Mbope, ku nge nzeke yini ku sihlwa nje na.

Ba yi ngcosana abantu aba khona lapa ekhaya Nkosi. Baya empini bonke; ku leyo ngcosana eseleyo, iningi layo liyi zi nceku za ba ntwana be Nkosi, mhlaumbhe ku ngaba yi mpi. Ku nge nziwa njani po Mbope na?

O! Angi kwazi oku nge nziwa Nkosi; kodwa ku lowa muzi omkhulu, onga pesheya ko mfula ku khona ibutho aba Bulali. Ku ngathi ku ba se mini ngomuso, bese li lapa, bese—"

Amazwi obu doda lawo, Mbope mntanami se ku yo kwe nziwa ku sasa. Hambha uyo biza ibutho laba Bulali. Libe lapa ngo muso emini, unga posisi ku loko Mbope."

U ma ngi posisile Nkosi, seku yokuba ukwe hluleka kwami loko, ngi yo pila noma ngi fe nga le ndaba.

U Shaka wathi, Noma uhlala ngo ku qambha amanga nje Mbope, kodwa leli gama oli khulumayo, liyi qiniso Mbope; noma ku njalo ke nje, yazi loku nceku yami ukuthi: uma uke we hluleka uyo kufa ukufa oku nga ndile. Hambha ke!"

Ngathi, "Yebo Nkosi," nga puma.

Manjena ke baba, nga bona ukuthi, u Shaka se u zimisele ukuba nami ngi fe, ngoba noma efuna ukuba abulale ngami abantwana be Nkosi nje, waye funa uku gcina ngami. Kodwa nga ngi nge sabi lutho, ngoba nga ngi sazi isi khathi sika Shaka sesi fikile.

Nga hlala isi khathi eside endhlini ya mi ngi cabanga kwathi uma bonke sebe lele, nga vuka nga nyenya nje nge nyoka, ngi qonde endhlini ka Dingane umntane Nkosi, owaye ngi lindele ukuba ngi fike nga lobo busuku Nga hambha nge thunzi lendhlu, nga fika e mnyango nga kxwebha em'nyango nge ndhlela esa zana ngayo. Masinyane umnyango wa vulwa, nga ngena, wa buye wa valwa umnyango. Kwa ku khanya ka ncane endhlini, nga ba bona aba Ntwa'be Nkosi be hlezi be linganisene be mbhethe izi ngubo be gubuzele amakhanda.

"U bani lo ongenayo na?" Kusho uMntane Nkosi u Dingane.

Nga ye mbhula ingubo ebusweni bami, nge nzela ukuba ba ngi bone ubuso bami, nabo babe mbhula obabo ubuso. Nga thi, sani bona nina be Nkosi, ngomuso eni zabe seni u thuli. Sani bona bantwana baka Senzangakhona, nina eniyobe seni amadhlozi ngomuso! ngi sho ngi ba khombha nge sandhla sami esi shwabeneyo.

Kwaba khathaza loko aba Ntwa'be Nkosi, ba qhaqhazela ngo kwe saba.

U thini nja-ndini, yini ukuba usi hlolele umhlola omubi kangaka na? Kusho uMntane Nkosi u Dingane ekhulumela pansi.

Yini ukuba usi khombhe nga leso sandhla sakho esi muhlope nesi shwabeneyo mthakathi-ndini na? Kusho u Mhlangana ehleba.

Angi ni tshelanga yini nina be Nkosi ukuthi, uma niyeka kuzo ku fa nina, ngi sho ngi nyenyeza, ingani pela yinina ene sabayo na. Ake ni lalele ke ngi ni tshele! U Shaka seu pupe elinye ipupo; se ku uyena ke ozo dumela ku qala, nina seni file, ba Ntaba ka Senzangakhona.

U ma aba bulali be Nkosi sebeze ba fika ema sangweni alomuzi, kuyofa wena kuqala Mbope ku sho u Mntane Nkosi u Dingane, ngoba u wena osinikelayo esho ekhipa umkhonto nga pansi kwe si puku sakhe.

Ake uzwe ipupo le Nkosi ku qala Mntane Nkosi, emuva kwalo ungi bulale ke uma u tha nda, ngife. U Shaka i Nkosi uthe elele, wa pupa elele pansi efile, omunye kinina be Nkosi e mbhethe ingubo yakhe yobu khosi.

Beye mbhethwe ubani ingubo na? Kubuza u Dingane nga matata; ba hlakanipisa amehlo boba bili belindele impendulo.

Be ye mbhethwe u Mhlangana uma epupa u Shaka. Dingane wena ozalwa endhlu-nkulu, nga sho njalo qede, nga chathaza u gwayi nga bhema, nga ba buka kahle bobabili amehlo ngi weqisa pezu kwe ntshengula yami.

U Dingane lapo ke wa munyukubalela kabi u Mhlangana, kodwa ubuso buka Mhlangana ba bukeka bu jabulile nje nge zulu li cwabile.

U Shaka wa buye wa pupa leli futhi, ukuthi omunye wenu nina be Nkosi ube pethe umkhonto wakhe wobu khosi."

"Ubu pethwe ubani na?" ku buza u Mhlangana.

"U bu pethwe u Mntane Nkosi u Dingane epu pweni lika Shaka, Mhlangana wena ozalwa ama khosi!— umkhonto ubu consa igazi."

U buso buka Mhlangana ba fipala, baba munyama nje ngo ku hlwa, kodwa obuka Dingane ba ncibilika ba khanya nje ngo ku puma kwe langa.

U Shaka wa buye wa pupa mina Mbope inja yenu engi nga fanele ukuba igama lami li patwe kanye ne lenu, nga fike nga khuleka nge sikhuleko sobu khosi, u Bayede.

Beu khulekela bani uthi Bayede Mbope ka Makhedama na? Kubuza bona boba bili aba Nta-be-Nkosi kanye kanye nga ma tata.

Bengi ni khulekela no babili, Nina zi nkanyezi ezi mbhili zokusa, Makhosana akwa Zulu—u Shaka wa pupa ngi ni khu lekela nobabili.

Amakhosana ase bu Khosini oma bili, abuka nga lapa na nga lapa, athula a khohlwa ukuthi azo thini, ngoba aye zondana odwa, nokuba abe ndawonye nje aye nziwa uku hlupeka na u kwe saba, noku lala ese lala ndawonye lu cansini lunye.

Kepa ku sizani loku ku khuluma ma khosi elizwe na? nje ngoba nobabili seku fana nokuthi nifile nje na. No kuthi, amanqe alambhileyo namuhla ngo muso ayoba e suthi enhle inyama na?

I Nkosi u Shaka seu yi nyanga ya ma pupo manje, ipupo eli nje ngaleli, ule lapa ngo muthi woku sheka.

Lapo ke, ama bunzi alezi ze lamani anyukubala ka khulu, ngoba babona uku thi, isi khathi sabo so bu nzima sesi fikile.

Nanka ke amazwi e Nkosi u Shaka, nina zi nkunzi ezi hambha pambhili emu hlambhini! Se ku thiwe aba fe bonke, nina no babili nami, nabanye abaningi, nomunye osi thandayo. E muzini omkhulu onga pesheya kwo mfula lapaya, ku khona i butho; seli biziwe—futhi—salani kahle! Akukho mazwi yini eni funa uku wa shiya kwa ba salayo uma seni file na? Mhlaumbhe mina ngizo ke ngi yekwe isi khashana nina ni nga sekho, ngi nga sale ngi ba tshela eni nga ngi ya leza khona.

Ku ngaba njani si musukele khona manje u Shaka na? Kubuza u Dingane.

Ngathi mina, ku ngeze kwa lunga ngoba una ba lindi aba mu lindile.

Au nalo yini isu Mbope na? Kusho u Mhlangana. Mina ngi ya bona ukuthi, wena unalo isu onga sisindisa ngalo.

U ma ke isu ngi nalo, nina be Nkosi, umvuzo wami ungaba yini na? Ku ngafu neka ube mkhulu ngoba sengi khathele uku pila, ngingeze nga sebenzisa ingqondo yami ngomu vuzo omncane.

Oma bili la ma Khosana ange thembhisa izinto ezinhle, kube yi leyo inge thembhise idhlulisele enye, nje nge zi nsizwa ezi mbhili zi banga intombhi. Nga lalela ngi loku ngithi aku ke neli, kwaze kwathi eku gcineni boba bili ba funga, baze ba funga na mathambho ka Senzangakhona uyise, ba funga zonke izifungo ukuthi, yimina umuntu oyoba owoku qala ezweni olandela bona uma sebe ama Kosi, nezimpi zonke ziyo pathwa yimina uma ngi ngase ngi ba khombhise ukuthi u Shaka ba nga mu bulala kanjani, bese ku ba yibona amaKhosi. Kwathi

uma sebe funge ba qeda, nga khuluma awami amazwi nge si zotha.

Niya bona ke Makhosana, emuzini omkhulu nga pesheya ko mfula ku khona ama butho amabili. Elinye yi butho laba Bulali, liya muthanda u Shaka i Nkosi ngo ba uli pethe kahle u la bela izi nkomo naba fazi. E linye elezi Nyosi, lelo ke liya lambha, liya zi funa izi ntombhi kanye nezi nkomo; ku njalo nje, lelo buto li pethwe u Mntane Nkosi u Mhlangana, liya muthanda. Isu lami ke yi leli—aku bizwe ibutho le zi Nyosi, ku thiwe li bizwa u Mhlangana, ku nga bizwa ela ba Bulali. Sondelani nina be Nkosi ngi ni nyenye zele ezi ndhlebeni.

Ba sondela nga ba nyenyezela, ngi ba tshela indhlela oku nga bulawa ngayo i Nkosi u Shaka, lapo ke ama dodana ka Senzangakhona avuma ngo ku nqekuza ama khanda kanye kanye. Nga se ngi ya sukuma, nga puma endhlini nje ngo ku ngena kwami, nga se ngi vusa izi nceku eze thembhekile, ngazi thuma, za gijima za qinisa bonke ubu suku.

## ISAHLUKO XXI

### Ukufa kuka Shaka

Manjena ke, nga ku sasa ku ngakabi se mini, wa puma u Shaka endhlini owaye hlezi kuyo bonke ubusuku, waya esi honqeni esincane, esi biywe nga ma hlahla, esasi ama nyathelo anga mashumi ama hlanu kusuka endhlini. Kwa ku umsebenzi wami onke ama langa ukuba ikhethwe yimi indawo yoku hlala iNkosi uma izo xoxa nezi nduna zayo, inqumele labo efuna uku ba bulala. Nga leli ilanga ke nga ngi khethe le ndawo ukuba ihlale khona. U Shaka wahambha yedwa epuma endhlini eya ku lesi si bayana. Ngamu pelekezela ngi qonde engi ku qondile, ngi mu landela nge muva. Lapo si hambha I Nkosi ya pendula i khanda ya ngi buka ngi se muva kwayo, ya khulumela pansi yathi "U lungise kahle konke Mbope na?"

Kulunge kahle konke Zulu eli Mnyama. I butho laba Bulali lizo fika lapa emini.

Ya buza futhi i Nkosi yathi, bapi aba Ntabe-Nkosi Mbope na?

Nga pendula ngathi, ba hlezi na bafazi babo ezi ndhlini zabo Nkosi, ba puza utshwala ba cambhalale ema thangeni ao mkabo.

Wasineka u Shaka wathi, baya valelisa Mbope. Oko ku gcina Nkosi.

Sa fika esi bayeni, u Shaka wa hlala pansi emthunzini wo thango lomu hlanga, pezu kwe si puku senkabi esa shukwa sa thambha. E duze naye kumi intombhi ipethe isi gubhu so tshwala; kwa ku khona u Nguzunga, isi khulu esidala, umfowabo ka Nandi uNina we Zulu, nesinye futhi isi khulu, u Mxamama, owaye thandwa ka khulu u Shaka. Seku yisi khashana si hlezi esi bayeni, kwa fika abantu be pethe izi mpape za ma hemu, ababe zithunywe yi Nkosi endaweni ekude oku hanjwa inyanga uma umuntu esuka ka Dukuza eya khona, bathi ukuba ba fike, ba lethwa pambhi kwe Nkosi. U Shaka wa ba thukuthelela ngoba be puzile uku buya. U mpathi wabo kwa ku yi nduna ka Shaka endala, eyase ine zimpi ezi ningi izi lwa, kodwa ingase na kuya empini, ngoba ya yi nqumeke isandhla; sasi nqunywe yi mbhazo. Yayi yi ndoda edumileyo ine si bindi esi khulu.

U Shaka wa yi buza le ndoda ukuthi, ye puzeleni uku zi thola izi mpape na? Yathi indoda, izi nyoni bezi ngasekho endaweni yazo, zase zimukile kulelo zwe yathi, si hlalile sa zi linda ukuba zize zi buye sizi bambhe.

U Shaka wathi, nga wazi landela lapo zaya khona, asi lutho noma zazi ndize za ya e ntshonalanga, le nja enga laleli! Mususeni nabo bonke abebe hambha naye.

Abanye ba zi ncengela ukuba ba haukelwe, kodwa induna ya bonga nje yona yathi, "Baba ngi nesi celo ngi nga kafi."

Wathi u Shaka, u celani na? Yathi induna "Baba wami ngi cela izi nto ezi mbhili. Ku ka ningi ngi Iwa izimpi ngimi nawe, sise ba ncane soba bili, angi zange ngi zi fulathele izi tha. Imbhazo eya ngi nquma isandhla ku le ngalo, ya yi qonde uku gaula ikhanda lakho Nkosi, nga livikela nge sandhla nginga pethe lutho. Asi lutho ke konke loko, ngi pile ngoku thanda kwakho. Ngi ngu bani mina engi nga pendula igama le Nkosi na? Ngi sa cela lokhu ke ukuba i Nkosi ke yi suse isi phuku ke ngi bone umzimbha wayo ngi wu gcine, umzimbha wo muntu engi mu thanda ku nabo bonke abantu.

Yathi i Nkosi ukhuluma kaningi, "yini futhi enye na?" Yathi induna, ngi sa funa uku valelisa indodana yami ise ncane, inqaka Nkosi, isho isandhla isi misa nga pezu kwe dolo ilinganisa ubude be ndodana yayo ukuthi ifika edolweni.

Wathi u Shaka, isi celo sakho so ku qala ngi ya si vuma, wase embhula isi puku owa ye se mbhethe, kwa vela isi fuba esi khulu. Naso isi celo sesi bili futhi ngi ya sivuma, ngoba angi funi ukwa hlukanisa uyise ne ndodana nga mabomu. Mu letheni lapa umfana; uzo mu valelisa ke, bese uya mubulala wena unga ka bulawa, kuyoba kuhle uku bukela loko.

Indoda ya simze ya pelelwa amandhla nje, yaba noku qhaqhazela uma i khuluma ithi, Inceku yenza intando ye Nkosi, yebo, umntwana ma ka lethwe.

Ngathi uma ngi mubuka u Shaka nga bona izi nyembhezi zehla eme hlweni akhe, nokuthi loku aku khulumayo, ulinga induna yakhe owaye yi thanda okoku gcina.

Wase ethi u Shaka, muyekeni a hambhe nabo bonke aye hambhe nabo.

Ba jabula kakhulu bonke ba hambha be bonga i Nkosi.

Se ngi ku xoxele konke loku ke baba noma kambe ku nga hlangene ne ndaba yami, ngoba yiso leso si

khathi u ku pela kwaso engabona u Shaka e bonelela umuntu owaye se munqumele ukuba afe.

Kwathi lapo le nduna na bantu bayo be puma esangweni, i Nkosi ya bikelwa ukuthi, ku khona umuntu ofuna uku bona i Nkosi. Wa vunyelwa, we za egaqa nga madolo ngamu buka, kanti u Masilo owaye thunywe u Shaka ukuba aye ku Mbulali, owaye busa abase Mbhazweni. Kwa ku uye u Masilo uqobo lwakhe, engasa khulupele ese zacile ngenxa yoku hambha ka khulu, futhi emhlane ku gcwele i mivimbho ye zi nduku, inga ka poli no ku pola.

Wathi u Shaka, ungu bani wena na? Ngi ngu Masilo wabe sizwe sase Mbhazweni, owaye thunywe yi Nkosi ukuba aye ku Mbulali opethe leso sizwe, nga ngi thunywe ukuba ngi buye ngo suku lwa ma shumi amathathu. Se ngi buyile ke Nkosi noma se ngi njena nje,

"Kuya bonakala!" ku sho u Shaka ehleka ka khulu sengi ya khumbhula, khuluma ke Masilo ozacileyo, wena okade ungu Masilo okhulupeleyo, kunjani ke nga lo Mbulali na? U yeza yini na bantu bakhe uku zo beka imbhazo u Mkhalisi wa Bantu lapa eza ndhleni zami na?

Cha Nkosi, akezi. U ngi pathe kabi, futhi wa ngi xosha kabi emzini wakhe. Kuthe na lapo se ngi hambha izi nceku zika Zinita za ngi bambha, u Zinita lowo enga ngi meshela, ose ngu mfazi wo Mbulali manje, za ngi lalisa za ngi bhekisa pansi ngo buso, za ngi shaya kabi u Zinita emi ebala imivimbho.

Wa hleka u Shaka wathi "Ha!" Wathi, si fike sa thini lesi si khundhlwana na?

Wathi u Masilo, nanka amazwi akhe. U Mbulali ohlala pansi kwe thunzi leNtaba yo Mthakathi wo mfazi uthi, ku Mbulali ohlala emuzini wakwa Dukuza—Angi na ku thela kuwe, uma uyi funa imbhazo engu Mkhalisi wa Bantu, woza entabeni ye Mikhovu uzo yi thatha. Uma uzile uyo fike ubone ubuso oba ziyo, ngoba ku khona umuntu oku fu neka akhokhe igazi lika Mbope.

U Masilo esa landa lendaba, nga bona izinto ezi mbhili—okoku qala, uthi olu ncane lwa lu hlongwe othangweni lo tshani, okwe sibili ibutho lezi Nyosi lale hlisa iqele nje ngo ku libiza kwami nge gama lika Mhlangana. U thi lwa lu khuluma ukuthi, aba Ntabe Nkosi ba cashe emuva kwo thango, ba lindele ukuba batshelwe nge sibonakaliso esithile, ukuza kwe butho ku khombha ukuthi se ku yisona isi khathi sokuba kwe nziwe loko esasi ku lungisile uku kwenza.

E se qedile uku khuluma u Masilo, u Shaka wa sukuma ese thukuthele. E gungquzisa amehlo, nobuso bakhe sebu pendukile, ku khihliza ama gwebu emlonyeni wakhe, ngoba inkulumo ecasula kanje, azange ayi zwe u Shaka seloko waba yi Nkosi, no Masilo waye nga mu qondi kahle u Shaka, ngoba uma waye mazi kahle waye ngeke akhulume nje ngoba a khuluma

U Shaka wathukuthela waze we hluleka nau ku khuluma, wase eloku e vivinya umkhonto umkhontwana wakhe. Isi gcino waze wa khuluma wathi,

"Inja, inja ikhuluma kanje pambhi kwami! Lalelani nonke! Izwi lami loku gcina ngithi, lo Mbulali (u Mhlopekazi) ma ka cosulwe enziwe izi vungwana yena naso sonke isi zwe sakhe! Wena ke, onge sabanga uku khuluma kanje kimi, uku khuluma oku puma kulesi si lwanyakazanyana se ntaba. Nawe futhi Mbope igama lakho lipakathi. Wena ke, ngi zobuya ngi khulume nawe. We Mxamama mntanami, ngi bulalele lesi sigqili sesi thunywa, si shaye usi khipe ubu chopo nge nduku yakho, Shesha! shesha!"

U Mxamama waye yi si khulu ese mudala, wa sukuma nje ngo ku sho kuka Shaka, kodwa kwa fumaniseka ukuthi ase nawo amandhla use mudala, endaweni yokuba kube uyena obulala u Masilo, kwaba u Masilo obulala u Mxamama. Kwa se ku suka u Ngwazonca umfowabo ka Nandi ongu nina we Zulu eli Mnyama, wa mubulala u Masilo, kodwa naye wa limala lapo emubulala. Nga mu bheka u Shaka, owa yemi evivinya

8*

umkhontwana wakhe, nga cabanga masinyane ngoba kwase ku yi sona isi khathi.

Nga memeza ngathi, "Lamulani! Nangu umuntu ebulala i Nkosi!" Ngi sa li khipa nje, u thango lo mu hlanga lwa fohlozeka lwa wela pansi, o Mhlangana no Dingane aba 'ntabe nkosi bo babili, ba lweqa nje nge zi nkunzi zi hlangabezana.

Ngase ngi mu khombha u Shaka nge sandhla sami esi shwabeneyo, ngathi "yi bukeni i Nkosi yenu!" Nga pansi kwe zi puku zabo, ba khipa imi khonto emi mfushane yo ku gwaza mahlanze, bamu gwaza u Shaka i Nkosi. U Mhlangana wa mu gwaza ehlombhe langa soku nxele, u Dingane wa mugwaza kwe langa soku dhla. U Shaka wa wu dedela umkhontwana wakhe wa wela pansi, owawu nothi lomuthi obomvu, wase e buka nga lapa na nga lapa, waba ne si thunzi, baze abantabenkosi aba ngaba fowabo, be saba ba mu balekela.

Waze waba pinda kabili eba buka nga munye, wase ethi; Hau! niyangi bulala ba fowethu—zinja zendhlu yami, ezondhliwa yimina na? Ni ya ngi bulala ni funa ukuthola izwe ni libuse na? Ngi yani tshelake ngeke ni libuse isi khathi eside. Sengi ya wuzwa umsindo woku gijima kwezi nyawo—yi zinyawo zaba muhlope aba ningi. Bayo ni nyathela pansi, bantwana baka baba! Liyo buswa yibo leli zwe engase ngi li nqobile, nina na bantu benu, niyo kuba yizi gqili zabo!

Wa khuluma wa sho njalo u Shaka lapo igazi lopa li chitekela pansi, wa pinda futhi wa ba buka nje ngoku buka kwe nyamazane.

Ngase ngithi, mu qedeleni nina eni zau kuba ama khosi, be hluleka ngoba ba se be saba, izi nhliziyo zabo sezi gcwele amanzi. Kwase ku suka mina Mbope nga fike ngau cosha lowo mkhontwana wakhe omuncane pansi, opiselwe othini lo muthi wobu khosi—wona lowo mkhonto u Shaka owa ye gwaze ngawo u nina u Nandi, no Musa indodana yami, ngau pakamisela pezulu, ngithe ngi sau pakamisile ke baba, kwa pinda

futhi okwa ku nge nza ngi se musha, kube khona into ebomvu eme hlweni ami.

Wathi u Shaka, U zo ngi bulalelani Mbope na? Ngathi ngi zoku bulalela u Baleka u dadewethu, ngoba nga funga kuye ukuthi ngiyo kwenza, futhi ngi kubulalela zonke izi hlobo zami ze gazi, nga sho qede nga mu gwaza. Wa dilikela pezu kwesi puku sakhe se nkabi, wafela ku sona. Wa khuluma futhi kanye enga kafi wathi: Sengathi kanti ngabe nga mulalela u Nobela owa ngi vusa ngawe, nja ndini.

Wase uya thula okoku pela. Kodwa nga guqa endhlebeni yakhe, nga mu balela ama gama ezi hlobo zami ze gazi aye zi bulele, ngali bala ne gama lika Makhedama ubaba, neli ka Mame, ne lika Anadi u mkami, ne lika Musa indodana yami, nabo bonke aba fazi bami, kanye na bantwana bami, no Baleka u dadewethu. Waye ebhekile futhi ezwa, ngi ya bona ukuthi waye kubona engi ku shoyo eku qonda, ngi ya bona futhi ukuthi inzondo eyayi sebu sweni bami uma se ngi mu khombha nge sandhla sami esi shwabeneyo, yaye sabeka kuno bu hlungu bokufa kuye. Wa seu guqula ikhanda lakhe uli bhekisa nga nhlanye, wa cimeza, wa gquma. Ma sinyane wabuye wa bheka kanti seku yi lapo ku puma umpefumulo.

Kwa ba kanjalo ke baba, uku dhlula kuka Shaka oyi Nkosi enkulu enga za nge ibe khona enje ngaye kwa Zulu, iNkosi embhi ku nawo onke, ya dhlula nge sami isandhla ya ya lapo ku hlala khona u Nomkhubulwana lapo ku nga lalwa khona. Wafa ngo ku chitha igazi ngoba naye waye pile ngoku chitha igazi, ngoba ne nkweli igcina ngo ku wa no muthi, ne nhlambhi igcina ngo ku muka nomfula. Naye wa gcina ngo ku hambha leyo ndhlela eyayi si vuthiswe abaningi aye ba bulele, aba bu ningi babo bunga ngo tshani esi gangeni, ku amanga loku oku shiwo abanye ukuthi wafa nje nge gwala ezi ncengela. U Shaka wafa eyi leyo nto aye yi yona esa pila, indoda ene sibindi. Hawu

baba, ngazi kahle, ngoba ngabona ngawo lawa mehlo ami, yiso lesi sandhla esa khipa umpefumulo ka Shaka.

Uma ese file ke ibutho le zi Nyosi la sondela, angaze nga qonda ukuthi lizo thini nga le ndaba, ngoba noma u Mhlangana uMntanenkosi eyi nduna yalo nje, ama butho wona aye muthanda u Shaka, ngoba waye nge hlulwa empini, athi uma epa, ape nge sandhla esi khululekileyo. Nga qalaza, nga wa bona ama Khosana oma bili emi nje nga bantu aba thole isi mangaliso, intombhazana yayi sibalekile; uMxamama oyisi khulu waye se file, ebu lewe u Masilo naye ose file; no Ngwazonca isi khulu ese si gugile, emi elimele, emangele babe ngekho abanye esi bayeni.

"Papamani maKhosi," ngisho ku Dingane beno Mhlangana, impi isi se masangweni! Sheshisani, gwazani lowa ya, ngi ba khombhisa u Ngwazonca ose mu dala, bese nibheka mina riyo tshelwa yimi konke.

Wa suka u Dingane, wa mu dumela u Ngwazonca, umfowabo ka Nandi, wa mu sho ka khulu ngo mkhonto wa mu gingqa pansi umshubo, enga khulumanga lutho. Bema futhi abanla-be-Nkosi ba thula be mangele.

Lo ke, ase yu ku khuluma lutho ngi sho ngi khombha u Ngwazonca ese file.

Indaba yoku bulalana bayi zwa abe sifazane, babe zwile uma ku khalwa, ba bu bona no bu nyampu nyampu be mi khonto othangweni, ibutho lezi Nyosi, indaba layi zwa ngabo abe si fazane, uma lifika esangweni li hlabelela. Lathi ukuba li yizwe le ndaba, la thula masinyane uku hlabelela la gijima leza pambhi kwe ndhlu esa simi pambhi kwayo.

Nga gijima nga li hlangabeza, ngi li bikela usizi ngi pethe umkhontwana omu ncane, u bomvu yigazi le Nkosi, nga fike nga khuluma ne zi nduna esangweni ngathi,

Lilani nina zi nduna nani ma butho, khalani ni lile ngoba uyihlo wenu asekho! Yena lowo ebeni petwe uye asekho. I Nkosi isi file, ku zau dilika izulu nomhlaba ngoba ku fe i Nkosi.

Kube ka njani Mbope na? ku buza enye induna ye zi Nyosi. U fe kanjani ubaba wethu na?

I bulewe umfokazi omubi lapa u Masilo, iNkosi ibi the abulawe wase uhlwitha i Nkosi umkhonto wayi gwaza, sithe sisathi sizau mu sukela soba thathu mina naba-ntabe-Nkosi, wase e bulala o Ngwazonca be no Mxamama izi khulu futhi. Sondelani, ke ni mu buke okade eyi Nkosi, basho njalo o Dingane no Mhlangana ama khosi bathi sondelani ni mu buke okade eyi Nkosi ukuze indaba yo kufa kwa khe, ebulawa u Masilo ni ku xoxele izwe lonke.

U ya kwazi uku beka ama khosi Mbope kodwa au kwazi uku sindisa inkosi yakho uma i bulawa u mfokazi, ku sho induna yezi Nyosi, ingi buka ngo ku ngabaza.

Kodwa amazwi ayo ana kwanga 'muntu ngoba kwase ku dhlula izinduna zi yo buka i Zulu-eli-Pezulu seli file, ne zinye kanye na ma butho ku khalwa ku yiwa le, na le, kwe satshwa ukuthi ku zau dilika izulu no mhlaba, kufe ku pele bonke abantu emhlabeni ngoba kufe i Nkosi u Shaka.

Po ke, baba ngi nga ku xoxela kanjani izindaba eza sale zenzeka seku fe u Shaka; loku izi nsuku zami zo ku pila se zi yi ngcosana nje na. U ma ngi nga zixoxa, ku nga gcwala ama bhuku ama ningi abelungu, mhlaumbhe amanye aya bhalwa kona le.

Nge nxa yo kuba sengi zokufa ke, sengi zo yi nqamula indaba, bese ngi thatha izi hloko eziyi ngcosana ngo Shaka enga ka fi; ngokuba angi khulumanga ngoku busa kuka Shaka, kodwa ngi khuluma nge dhlanzana labantu ababe khona ku lezo zi nsuku, esa sinda nabo eku feni sino Mhlopekazi ingabe yena u Mhlopekazi ozalwa u Shaka use khona yini emu hlabeni na? Ngakhoke ngamazwi ama fushane, ngi zoku yeka konke okwe nzeka u Shaka ese file, kuze kube sesi khathini lapo sengi thunywa yi Nkosi u Dingane ukuba ngi yo biza u Mhlopekazi obusa abase Mbhazweni ukuba azi nikele enkosini u Dingane, u Mhlopekazi waye bizwa

ngokulhi u Mbulali opethe isi zwe sase Mbhazweni. Hawu! sengathi ngabe nga ngazi nge mpela ukuthi kanti uyena uqobo lwakhe u Mhlopekazi lowo, u Dingane wa ye yo landela u Shaka alandelwe u Mhlangana, ama Zulu abuswe u Mhlopekazi abe yi Nkosi yawo. Kodwa ke kwa ngi pambha. Angi mulalelanga unembheza wami uma engi tshela ukuthi, uye u Mhlopekazi lo owa thumela ku Shaka ethi uyo pindisela ku khokhwe igazi lika Mbope, anga zanga lutho nje, indaba yaze ye dhlula amadolo, nga cabanga ukuthi, ku shi wo omunye nje u Mbope. Ngoba ku njalo baba, ku khona izi khathi lapo tina bantu sike si wulazeke nje. Sicabange ukuthi si hlakanipile, kube uku hlakanipa ku senza ize, sigcine ngo kuba yi ze. Zonke izinto zi umfanekiso omkhulu baba owenziwe yi sandhla sika Nkulunkulu endebeni apuza kuyo amanzi okwazi; uku pila kwethu, ne si kwenzayo nesi nga kwenziyo, ku yi ngcosane ya lowo mfanekiso, obu khulu bawo bu bonwa yi so la Ke kupela ukuthi ubu khulu bawo bu ngaka nani ngi sho no Shaka umbulali wa bantu, kanye nabo bonke aba bulalayo sebe bo nke ku Nkulunkulu, ba ngango thudhlana oluncane nje uma be nga linganiswa nalowo mfanekiso. Po tina si nga hlakanipa kanjani baba, esi pethwe u ku hlakanipa na? Si nga lwakha kanjani udonga lwa matshe uma singa matshana ama ncane na? Singa yenza kanjani imipefumulo, uma thina singa bantwana abancane esiswini soku hlupeka na? Singa kwazi ka njani uku bulala, uma thina siyi mi khonto si pethwe na?

Kwa ba njalo ke baba. Izindaba za lungiswa za lunga ezweni u Shaka enga sekho. E ku qaleni abantu bathi, isi hambhi esi u Masilo yiso esa gwaza u Shaka kwase ku buye kuye zwakala ukulhi, yi si hlakanipi esi u Mbope inyanga ye Nkosi owa bulala iNkosi, nokulhi izi nkunzi ezimbhili ezinkulu, aba fowabo baka Shaka o Mhlangana no Dingane ba ka Senzangakhona nabo basi pakamisa isandhla bamugwaza u Shaka. E se file u Shaka, izulu nomhlaba aku dilikanga, njalo ke akubanga

ndaba za lutho. Ngako ke la ma khosi ama bili a thembhisa ukuthi abantu azoba patha kahle ancipise bonke ubunzima obabu cindezela abantu na ba hlupekayo be thembhe. Nge muva kwe si khathi, kwa funyaniseka ukuthi u Dingane no Mhlangana ba zondana bodwa, kanye no Ncwadi ozalwa u Nandi ongu mfowabo ka Shaka wenye indhlu. Mina Mbope ke lapo kwa ku yimina muntu woku qala ezweni, kuyi mina olandela ama khosi, ngi nga se siyo inyanga, sengi yi nduna ye mpi, nga hlasela u Ncwadi nge butho lezi nyosi ne la ba Bulali, nga mu bulalela emizini yakhe uNcwadi. Kwa ku yi mpi elukhuni leyo, kodwa isi gcino nga mehlula nga mubulala nabo bonke abantu bakhe, uNcwadi yena yedwa wabulala abantu aba yisi shiya galolunye nge sandhla sakhe nginga ka mu bulali. Nga buya na bantu abayi ngcosana kula ma butho ama bili.

E muva kwa loko lama khosi ama bili ase ehlala ngo ku xabana njalo, nga wa bhekisisa kahle oma bili, ngi funa uku bona ukuthi, iyipi engi yi thandayo. Isi gcino nga bona ukuthi aya nge saba omabili, nga bona kodwa ukuthi u Mhlangana anga ngi bulala uma engase awa thole amandhla, u Dingane ke yena enge nawo lowo mu cabango. Ngalo kho ke nga mu fenyisa u Mhlangana nga pakamisa u Dingane, nga mulalisa u Mhlangana ukuba ange sabi kanti nge nzela ukuba ngi muvimbhezele endhlini, wa hambha naye ngayo indhlela eya hambha u Shaka yoku fa ngo mkhonto, u Dingane wali busa izwe ese yedwa isi khathi esi thile. Zi njalo ke izinto ezi velela ama khosana alo mhlaba, baba. U ya ngi bona ngi umuntu omu ncane nje, futhi ne mfuyo yami yincane eku gcineni, kodwa laba bantu aba thathu bafa nge nxa ya mi, ababili ku bona ba bulawa esami i sandhla.

Impi eyayi hlasele ema xhapozini ase Limpopo, ya fika seku pele ama langa ayi shumi nane efile u Mhlangana ozalwa yi Nkosi, nayo ya buya i dabukisa, ngoba inxenye yayo ya yi nga sekho, ya fike ya bulawa u Mkhuhlane khona le, ya bulawa na yi zitha, esalayo

ya bulawa yi ndhlala. Kwa ba kuhle ka khulu ukuba babuye inkosi yabo u Shaka inga sekho, ngoba babe yo bulawa ba landeliswe aba kubo abafela endhleleni ngoba kwa ku nga zange kwenzeke kuyo yonke iminyaka eminingi ukuba impi yakwa Zulu ibuye yehluliwe ingaqubi zinkomo ngi sho ne yodwa. Kwa ba njalo keku lempi, ya fike ya jabula kakhulu uku fikela e Nkosini enga ku thandi uku bulala abantu, wa busa ka njalo ke u Dingane enga bangiswa muntu waze wa zi fela.

U Dingane waye yi nkosana efuze u Shaka be gazi linye, naye ene si thunzi e no nya, kodwa enge nawo amandhla ne ngqondo enje nge ka Shaka. Abuye abena ma gqubu na manga, owaye nge njalo u Shaka. U Dingane waye thanda ka khulu isi fazane, waye chitha sonke isi khathi sakhe ehlezi nesi fazane, esi khundhleni sokuba alungise izi ndaba zobu khosi. Kodwa noko wabusa isi khathi eside. Okunye futhi ngi ngathi u Dingane waye funa uku mubulala u Mpande umfowabo wenye indhlu, efuna uku yi qeda yonke indhlu ka yise u Senzangakhona. U Mpande ke waye umuntu ozi thobileyo, owaye nga ku thandi ukulwa, abantu babe thi uyisi lima, mina ke ngoba ngangi mu thanda u Mpande, kwathi lapo sebe funa uku mubulala ngenqaba ngi no Mapitha, samu ncengela sithi, aku fanele ukuba ba mesabe ngoba uyisi lima ngeke enze lutho. Isi gcino waze wa vuma u Dingane ethi "Njengoba nithi angi yiyeke le nja, ku lungile ngi zo yeka, kodwa ngelinye ilanga iyo ngi luma.

Njalo ke u Mpande wa bekwa ukuba abe umpathi we zi nkomo ze Nkosi. Kodwa eku gcineni kwa gcwaliseka okwa ku khulunywe u Dingane, ngoba ama zinyo ka Mpande aluma u Dingane amususa esi hlalweni. uma u Mpande waye yinja elumayo, yimina Mbope owayi sasazelayo.

# ISAHLUKO XXII

## U ku Puma kuka Mbope eyo Funa U Mhlopekazi

Nga leso sikhathi u Dingane we qa emzini wakwa Dukuza wa buyela emuva kwa Zulu, wa fike wakha umuzi omkhulu ngase Mahlabathini, wawu qambha igama lokuthi, u Mgungundhlovu—oku ukuthi, uku ndonda kwe Ndhlovu—Wase ethumela ukuba, ku funwe izintombhi ezinhle ezweni, ukuba azenze ama khosikazi akhe kwathi ingani zi tholakele ɛzaba ziningi azi menelisanga, wabuye wa funa ezinye njalo. Ngaleso sikhathi, wezwa u Dingane ukuthi esi zweni sakwa Vilakazi eSwazini, kukhona intombhi enhle isimangaliso, igama layo u Nozimbhali, umzimbha wayo umhlope kuno wabantu bakithi, wa fisa kakhulu ukuba ibe yinkosikazi yakhe. Nga lokho ke u Dingane wathumela amanxusa esikhulwini sakwa Vilakazi, ukuba le ntombhi inikwe yena. Seku pele inyanga izithunywa zi hambhile zabuya, zafika nombiko wo kuthi, azi buyi nalutho, kodwa zipathwe kabi emizini yakwa Vilakazi, zi delelwe za shaywa.

Isi khulu sa kwa Vilakazi sa thumela ku Shaka oyi Nkosi ya ma Zulu sathi, Na nge mpela leyo ntombhi u Nozimbhali ikhona, iyi simangaliso somhlaba, ayi ke ndi ngenxa yokuba inga mutholi umuntu emu thandayo, nabantu ba kubo bayayi thanda, aba funi ukuba ye ndiswe ku muntu uma inga mu thandi. Sathi futhi isi khulu sa kwa Vilakazi, sona nabantu baso aba mu khathaleli u Dingane na bantu ba kwa Zulu, ngoba oyise babo babe ngamu khathaleli u Shaka, igama lakhe babe li tshakela nga mathe, nokuthi ayikho intombhi ya kubo enga hambha iyoba u mfazi we nja yo mZulu

I nkosi epethe aba kwa Vilakazi, yayi thumela le ntombhi u Nozimbhali ukuba ilandwe izo bonwa yi zi thunywa zi ka Dingane, yathi ukuba ifike, nazo zayi bona ukuthi yi nhle isi mangaliso, nazo za sho, iyi nde iu mqangabhodwe, no buhle bayo bu njengo mhlanga

uvevezeliswa umoya. Kanti njalo, ne zi nwele zi amashoba, zi lengela ema hlombhe, amehlo akhe ema khulu empofu, ebu shelezi nje nga we nyamazane, umbala wakhe e mpofu ngo ku bomvu, uku mamatheka kwakhe kube kuhle nje nga manzi, athi uma ekhuluma izwi lakhe libe li khulu libe mu nandi lidhlule uku khala kwo mu qangala. Zathi izi thunywa, le ntombhi nayo ibi funa uku khuluma nazo, kodwa se nqaba isi khulu sathi ayi hanjiswe ipathwe kahle.

U Dingane wa wezwa onke lawo magama abuya nezi thunywa zakhe, wa thukuthela wa hlanya nje nge bhubesi li bhajiwe, ngoba le ntombhi waye yi thandaku nazo zonke, athi enguye u munikazi zinto zonke, kodwa ehlulwe u kuthola le ntombhi. U Dingane wase ekhipa izwi, ukuba ku hlome impi i yo hlasela isizwe sakwa Vilakazi e Swazini, ifike isi bulale ibambhe le ntombhi ibuye nayo. U ma seyi xoxwa le ndaba pambhi kwe Nkosi ne bandhla layo ne zinduna ezi nkulu; nga kwala mina ukuba ku yo hlaselwa kwa Vilakazi ngathi isizwe sakwa Vilakazi si khulu futhi si na mandhla, uma ku hlaselwa sona ku ngabe ku hlaselwa izwe lonke la ma Swazi, futhi ba khe emi pandwini, ku ngebe lula uku be hlula. Ngathi futhi, akuka bi siso isi khathi sokuba ku khishwe impi ngenxa yentombhazana eyodwa, ngoba akuka bi siyo iminyaka eminingi lifile i Zulu eli Mnyama, izitha zi ningi, na ma butho ancipiswe uku bulawa, inxe nye yawo ya fela ema xhapozini ase Limpopo. Kuhle ke ku yekwe, ake akhule ngoba namuhla ma ncane nje nga bantwana, na njengo muntu olambhile. Izi ntombhi zi ningi, kuhle i Nkosi ithathe zona i delise inhliziyo yayo, iyeke ukwenza impi ngenxa ya lena.

Nga khuluma ka njalo ke nge sibindi pambhi kwe Nkosi, ngoba amukho owaye nga khuluma ka njalo pambhi kwe Nkosi; ne zi nduna za thola isibindi ngo ku khuluma kwami oku njalo, za ngi vumela, ngoba zabona ukuthi ku ngabe kwe nziwa obu khulu ubu lima uma ku nga lwiwa na ma Swazi.

Wa lalela u Dingane, wase uya nyukubala, kodwa waye nge naku wa lahla amazwi ethu ngoba, wa ye nga qinile esi hlalweni sobu khosi, futhi babe baningi abantu ezweni ababe samu khumbhula u Shaka, be nga ka khohlwa futhi ukuthi wa bulawa o Dingane beno Mhlangana. Kwathi ngoba u Shaka esefile, abantu ba khohlwa ukuthi waye ba pethe kabi, base be khumbhula ukuthi, waye mukhulu futhi, uyena owa kha isizwe sakwa Zulu nje ngo mu khandi we nsimbhi ekhanda umkhonto nge nsimbhi eyi sigaxa. Kwathi ingani sebe pethwe enye i Nkosi, uku hlupeka kwabo aku banga ngcono, ngoba naye u Dingane waye ba bulala abantu nje ngaye u Shaka, abantu eba patha kabi nje ngaye u Shaka. Njalo ke u Dingane wa li lalela izwi lezi nduna zakhe, wayeka uku thumela impi e Swazini ukuba iyo funa intombhi u Nozimbhali. Kodwa wahlala eyi fisa nge nhliziyo, ku su kela ku leso sikhathi, wa ngi zonda ngoba nga malela entweni ayi funayo, nga mu ye kisa isi fiso sakhe.

Manje ke, baba, ngi nga ku tshela loku ukuthi, lentombhi okwa ku thiwa u Nozimbhali, kwaku iyona indodakazi yami uqobo lwayo u Nada, kodwa mina nga ngi nga kwazi loko kuleso sikhathi. Kodwa kwa fika emu cabangweni wami ukuthi, u Nada ku pela ongase abe muhle nje nga le ntombhi eshiwoyo. Ngi be ngi qonda kahle futhi ukuthi, u Nada no nina u Makhoba seba fa, ngoba owa fika ezo ngi bikela ukuthi ba file, waye ba bonile sebe file be gonene, ku sengathi ba fę ngamu khonto munye. Kanti aku njalo, lo muntu waye posisa; u Makhoba yena waye se file, enye intombhi leyo eyayi fele eceleni kwakhe yo pa igazi, ngoba isizwe u Makhoba no Nada ababe hlala ku sona sasi pansi kwe sakwa Vilakazi, si buswa yi Nkosi eya sale ya busa esi khundhleni sika Galazi i Mpisi, yaxabana naso ke, sa vinjezelwa ebu suku sa bu lawa.

Nga buye nge zwa nge muva kwe si khathi ukuthi, kanti laba bantu bakwa Vilakazi babulawa nge nxa yo buhle buka Nada kupela, ngokuba u dumo lo ku tha-

ndeka kwakhe lwase lwande izwe lonke, i Nkosi epethe aba kwa Vilakazi, yayi thumela le ntombhi ukuba ilandwe izo hlala emuzini wayo. ubuhle bayo bube yi hlobo lomuzi wayo, ithi uma ithanda, izi khethele okunga ba yi ndoda yayo pakathi kwa ba numzane bakwa Vilakazi. Kodwa umu nikazi muzi walapo ku hlala khona u Nada we nqaba ngoba amukho owa ye ngathi eke wa mu bona u Nada oyi Mbhali avume ukuba awa suse amehlo kuye, le ntombhi yayi ne nhlanhla yokuba i ngendi ngo ku poqwa inga thandi. Ba ningi ababe ye shela ukuba iba gane, kodwa i suke inikine ikhanda ithi, "Cha, angi yukwenda ku muntu isho njalo kube uku pela.

Kwase kuye jwayeleka pakathi kwabantu ukuthi, kuhle iyekwe ihlale inge ndi, ba hlale he yi buka bonke kuno kuba iyoba eya muntu munye, abanye bangabe besa yibona, ba bona ukuthi ubuhle bayo benzelwa ukuba bube yi njabulo ya bantu bonke nje ngo buhle bo kusa nobo ku shona kwe langa. Kepa noko lobu bu hle buka Nada, babu yi ngozi, kwa chitheka imi pefumulo eminingi ngenxa yabo, nizau kuzwa; ngenxa yo buhle bakhe, na ngo thando olukhulu aye nalo yena u Nozimbhali, kubuye ku pele nje konke loko, nami nga buye nga ngenelwa oku khulu uku hlupeka kanye ne nhliziyo ka Mhlopekazi u Mbulali, indodana ka Shaka oyi Nkosi.— Kwa ku daliwe, baba, ukuthi kuyau ba njalo, na nge mpela kwe nzeka ngokuba bonke abantu abamunyama naba muhlope, baya ku funa oku suke ku kuhle, bathi uma sebe ze baku thola, be se ku yadhlula masinyane, mhlaumbhe bafe kunga ka dhluli babulawe yi kho. Ngo kuba uku jabula oku khulu nobu hle obu khulu, ku hlangene, aku hlali isi khathi eside em'hlabeni. Koko bili kwehla nje nge nqe ezulwini, kubuye ku pindele khona ezulwini masinyane.

Kwa ba njalo ke baba, mina Mbope nga khohlwa ukuthi, indodakazi yami u Nada, se wafa, ngi ngazi ukuthi, lo oku thiwa u Nozimbhali, okwa Vilakazi ofu

nwa u Dingane ukuba abe umkakhe, i yona indodakazi yami.

Kwathi ukuba ngi mu thiye u Dingane eku thumeleni impi kwa Vilakazi, ukuba iyo ku kha le mbhali yama simu akhona, waqala uku ngi zonda. Kanti njalo yimi engangazi isi fuba sakhe, waye nami uma ebulala u mfowabo u Shaka, namhla ebulala u mfowabo u Mhlangana, yimina futhi enga ma lela ukuba abulale umfowabo u Mpande, nga kho konke loko wase uya ngi zonda, ngoba pela ba njalo abantu aba nemi qondo emi ncane, baba patha kanjalo aba suke be ba khupulile. Kodwa noko alinganga uku ngi bulala ngoba izwe lonke la li lalela okwami uku khuluma. Isi gcino wenza isu lokuba ake hlukane nami isi kha shana, yi khona ezo sala ekhula abe na mandhla oku ngi bulala.

Nge linye ilanga, ngi hlezi naye nezi nduna zakhe neze mpi, wathi kimi, "Mbope uyawa khumbhula nje amazwi oku gcina e Ndhlovu enkulu ese yafa na?" E sho u Shaka umfowabo, esho enga mu pathi nge gama ngoba ngaleso sikhathi igama lika Shaka lali nga gagulwa, la li hlonishwa ezweni ngoba kwa kwe nziwa njalo uma kufe ama khosi, ama gama awo anga pathwa.

Nga pendula ngathi, ngi yawa khumbhula Nkosi. Aye hlola umhlola, ngoba aye sho ukuthi, wena no muzi wakho ani yu ku hlala isi khathi eside esi hlalweni sa ma khosi, ubu khosi bakho buyo thathwa aba mu hlope, ba belane nge zwe la kho. Ya sho njalo iNgonyama yakwa Zulu. U yi pathelani leyo ndaba na? Nga ke ngamuzwa mina kanye ehlolela into ne mbhala ye nzeka Sengathi loko ku sho kwakhe, kungaba nje nge qanda eli nge nasi khupashi, se ngathi kungeze kwaba nje ngo kusho kwakhe. Sengathi leyo nyosi inge hlale pezu kwe ndhlu ya kho Nkosi.

Lapo ke u Dingane wa qhaqhazela ngo kwesaba, ngoba amazwi ka Shaka waye hlala ewa cabanga imini no busuku; wa thukuthela wazi luma umlomo wathi:

Wena Mbope uyisi pukupuku! Au yizwa yini ingwababane ikhala esangweni lomuzi, au hambhi ngani uyo

tshela abomuzi ukuthi ifuna uku ba ngqofoza amehlo na? Lezi zinyoni ezi bika imihlola kuhle nazo zi thole uku hlupeka Mbope. Wa thula u Dingane wa ngi buka kabi isi khathi eside, wa buye wa khuluma wathi, Angi khulumi nga lawo magama awa khulu ma ngoba esefa kodwa ngi sho lawo apatha u Mbulali owa khe pansi kwe thunzi le Ntaba ye mi Khovu, obusa abase Mbhazweni kude le, enyakatho. Impela nga muzwa kahle ewa khuluma, ngi hlezi pansi kwo mthunzi wo thango lwo mhlanga nginga ka yi ukuyo lamulela u mfowethu uma egwazwa u Masilo, umbulali owa bulala i Nkosi ngo mukhonto.

Nga vuma ngathi, ngi yawa kumbhula Nkosi. Kambe i Nkosi ifuna ukuba ngi khipe impi iyo libulala yini leli vukana na? Waye sho njalo pela lo ose wafa, wa kusho loko uma ese fa.

"Cha, Mbope angi sho njalo mina. U ma inge kho impi yoku hlasela iyobulala aba kwa Vilakazi, ibuyise lowo engi thanda ukuba ajabulise amehlo ami, po inga puma pi enga hlasela iyobulala u Mbulali nabantu bakhe na? Ku njalo nje, u Mbulali opethe abase Mbhazweni onanga lutho kimi, kodwa wona endhlovini enga sekho no ku khala kwayo ku nga se zwakali ndawo. Engi ku funayo yi loku Mbope nceku yami; thatha idhlanzana labantu uhambhe nabo uye ku Mbulali, ufike ukhulume naye kahle uthi. Kukhona iNdhlovu enkulu edhlula ekade ikhona, izwile ukuthi wena oyi Nkosi yase Mbhazweni au khonzile, futhi uthi, nje ngoba kwa fa u Mbope au na ndaba noma ubani omunye okhona. Nango ke umuntu ogama lakhe li ngu Mbope uthunyelwe ku we Mbulali, ukuba umu bone ukuthi, uma ku thiwa wafa kuyi qiniso yini na, uma ku yi qiniso nge mpela, seu yozi bonela ke ukuthi, u nyawo lwe Ndhlovu e khala e Mgungundhlovu lu na mandhla anga kanani. Cabanga kahle ke, unga ka penduli Mbulali.

Ngezwa ke oku shiwo yi Nkosi mina Mbope nga cabanga, ngoba nga bona kahle ukuthi, yisu lika Di-

ngane leli lokuba, aze hlukanise nami kuze kufike isi khathi so kuba aze athole amandhla okuba angi chithe esi khundhleni sami. Nga bona futhi ukuthi, ana ndaba nale si khundhlwana esi ncane esi kude kangaka ese delela u Shaka. Nga ku thanda nami uku ya khona, ngoba nga ngi fisa uku mubona lo Mbulali owathi ufuna u ku pindisela u Mbope, ozenzo zakhe zi fana ne zika Mhlopekazi, uma wa ye se khona. Nga pendula ke ngathi:

Ngi yezwa Nkosi, ngi zo kwenza nje ngo ku sho kwe Nkosi, kodwa pela i Nkosi ithathe umuntu omkhulu yamu thuma umsebenzi womuntu omncane.

U Dingane wathi, "Aku njalo Mbope Inhliziyo yami ingi tshela ukuthi, leli zinyane eli u Mbulali, lizo khula libe iqhude eli khulu, uma umgedhla walo unga sikwa masinyane! u wena ke Mbope okwazi uku sika imi gedhla yabo bonke ngi sho neya bade kakhulu."

Nga pinda futhi ngathi, "Ngi yezwa Nkosi."

Kwaba njalo ke baba, kwa sa qede nga kusasa nga hambha na madoda ayi shumi akhethiweyo, 'nga hambha ke nga qonda khona e Ntabeni ye mi khovu, ngi hambha ngi cabanga uku hambha kwami kwa ku qala nga leyo ndhlela. Mhla ngi hambha no wa kwami u Makhoba, ne ndodakazi yami u Nada, ne ndodana yami u Mhlopekazi kodwa ezalwa u Shaka. Mina ngo kwami ngi cabanga ukuthi, seba fa se ngi zi hambhela nge dwa, ngo ku sobala nami se ngi zo kufa. Abantu ngalezo zi khathi babe pila isi khathi esi ncane, futhi ba pile ka nzima, kodwa ke ku nge lutho loko. Mina ngase nga zi pindisela ku Shaka, inhliziyo yami idelisiwe.

Isi gcino nge linye ilanga ku sihlwa, nga fika ku leyo ndawo eyi hlane, esasi lele ku yona mhla u Mhlopekazi e thathwa yi bhubesi le nkomazi li baleka naye, ngaze ngaya kuyo lunguza emgodini lapo waye khipe khona izinyane le bhubesi, nga bu buka no buso obwe sabekayo bo mfazi ongu mthakathi oyi Tshe eli pezu kwe Ntaba ye mi Khovu, oseloko wa hlala oko ku pela. Angi butholanga kahle ubu thongo nga lobo bu suku,

ngoba inhliziyo yami yayi dabukile, nga hlala ngi bhekile ngi buka uku khanya kwo nyezi ukhanyise itshe eli u Mthakathi wo Mfazi, ngi buka ne hlathi eli se madolweni akhe ukuthi, konje ngase kube ama thambho ka Mhlopekazi a kulo nje. E ku hambheni kwami endhleleni, nge zwa izindaba ezi ningi ngale Ntabaye mi Khovu, bonke be qinisa ngokuthi ine mi Khovu eyi zi mpisi, imikhovu pela abantu ase bafa, babuye bavuka, be vuswa aba thakathi nge mithi. Imi khovu ayinazo izi limi, ngoba uma inazo, ngabe iyaba tshela abantu lezo zi mfihlakalo eze sabekayo zabantu abafayo, kungakho ke ithi uma ikhuluma ilingise umntwana onga ka kwazi uku khuluma, obanga umsindo nje wodwa. E busuku i zwakala kahle i kxwabalasile pakathi kwe mithi ithi, Hayi-ha!- Hai-ha!

U ya hleka wena baba, kodwa mina angi hlekanga uma ngi kuzwa loku, ngoba uma abantu bene mi pefumulo, uma sebe file, imipefumulo yabo ishonapi na? Kukhona lapo ishone khona, kungebe yiso yini isimangaliso ukuthi, iya buya ize khona lapa ezweni, lapo yazalwa khona, izo li buka na. Izinto ezi nje angize nginga zi cabanga kakhulu, kanti njalo ngi yi nyanga ngi ya zazi izindaba za ma thongo ne mi khovu. U ma ngi khuluma iqiniso baba, nga bulala abantu kakhulu ngi ngabe ngisaba na ndaba nabo uma sebe file.

Nga hlala ke ngi gqolozele entabeni ne hlathi eli mile kuyo nje nge zi nwele ekhanda lo mfazi, ngi sa lalele nge zwa umsindo opuma kude se ngathi upuma pakathi ehlathini. Waqale we zwakala kancane kude, sengathi yi zingane zi khala kude emuzini nga pesheya kwe si godi, wa khula wa khula, kodwa ngi ngaze nga wazi ukuthi umsindo we zi lwane, ku khona ezi ku xoshayo. Kwa sondezela, umsindo wako waze wa hlasimulisa umzimbha, kodwa nga lalela. Kwa ku umhlambhi omkhulu ugijima ebusuku uzingela, waze waba se duze eqeleni nje ubanga omkhulu umsindo, kwaze kwa vuka abaleleyo engangi hambha nabo, nabo ba bukela. Kwa qhamuka inkunzi yomu gankxa. Ya fika yema isi

khashana pezu ko khalo, yabuye ya nyamalala ethunzini. Yayi baleka iqonde nga ki thina; sa buye sayi bona futhi masinyane i baleka i hambha i gxuma ka khulu. Sa buye sa bona izinto ezi mpofu ezi yi zi ngancu zi gancuzela, zi zi ningi zi nge naku balwa, zi landa umkhondo wom gankxa, za qhamuka pezu ko khalo, zase zi nya malala ethunzini, zabonakala futhi eqeleni, zase zi nyamalala esi godini; zi na bantu ababili ezi hambha nabo.

E duze nathi, kwa dhlula inyamazane enkulu, ilandelwa umhlambhi wezi mpisi, omuningi onge naku balwa, zi hambhe zi khala zenza lowa musindo omubi. Obani bona laba bantu aba bili aba hambha nezi mpisi aba khulu na ba na mandhla na? Babe gijima kahle na nge jubane, ama zinyo ezi mpisi emu hlope ema hlombhe abo. Omunye epethe imbhazo, ibengezela ikhanyiswa u nyezi—omunye epethe i wisa eli khulu. Be gijima be linganisene; asi zange si ba bone abantu aba nama jubane anganga wabo. Saba bona begijima be hlisa iqele be qonde nga ki thina, ba zi shiya izi mpisi, zi ne ku pela eza pikisana nabo, sa zizwa izi gi ze zi nyawo zabo, ba fika ba dhlula, ba nya malala, be ne mpi yabo enga balwayo. U msindo wa ncipa waze wa pela, kwa ku zingelwa, kwabuye kwa thula kwathi cwaka.

Nga buza ku laba engi hambha nabo ngathi, "Ba fowethu ku yini loku esi ku bonile na?"

Kwa pendula wa ba munye wathi, Be ku yi mi khovu ehlala pansi kwo Mthakathi ongu mfazi omdala, lawo madoda aba ngane bezi mpisi, aba thakathi aba ama khosi emi Khovu.

## ISAHLUKO XXII

### U Mbope ezi veza ku Mbulali

Sa buhlala bonke lobo bu suku, kodwa asi bonanga lutho futhi asibuyange sizi zwe izi mpisi nama doda aye zingela nazo. Nga ku sasa lapo ku sayo, nga thu-

ma isi gijimi ukuba siye ku Mbulali oyi si khulu sabantu base Mbhazweni, ukuba 'sifike sithi, ku khona isi thunywa esi thunywe kuye si puma e Nkosini u Dingane si funa uku khuluma naye emuzini wakhe ngo ku thula. Nga siyala isi gijimi ukuba si nga mutsheli igama lami, ngathi sibo kuthi "U Mlomo ka Dingane." Ngase ngi ya suka ke nabantu engangi hambha nabo, salandela isi gijimi sami, ngoba kwa ku yi banga lapo siya khona, nga ngi si tshele ukuba si buye ne mpendulo yo Mbulali, u Mpathi we Mbhazo.

Lonke lolo suku, kwaze kwa shona i langa si hambha sizu ngeza pansi kwe Ntaba ye mi Khovu enkulu, si hambha ngo mfula. Asi hlanga nanga na muntu, kodwa sa fika enxiweni lo muzi, ku khona ama thambho amaningi abantu a pu kileyo exubene ne mi khonto ese ya thombha, sekwa sala izi ngqepu zama hawu ezi khumbha ze zi nkabi, ena ma bala amu nyama na muhlope. Nga wa bukisisa la ma hawu ngawa bona nge mi bala yawo ukuthi, yiwo aye pethwe ama butho aye thunywe u Shaka nge minyaka ese ya dhlula, ethunywe ukuba ayo funa u Mhlopekazi, anga buyanga.

Ngase ngithi, Alimala lama butho eZulu eli mnyama elinga sekho, ngoba ngi yabona ukuthi, iwo ama hawu ababe wa pethe lawa, na mehlo ababe buka ngawo aye ku leziya zingebhuza zezi nhloko.

Yiwo lawa ma hawu ababe wa pethe na makhanda abo yiwo lawa, kusho omunye. U yabona nje Mbope ka Makhedama ukuthi, laba bantu aba bulawanga abantu. U ma ba bulawa abantu ama thambho ngabe apukanga nje nga lawa. U wewu! abantu aba we puli ama thambho, yi zi mpisi ezi we pulayo, ku sihlwa sizi bonile zi zingela, zinga zingeli zodwa, Mbope. U wewu! leli lizwe li ne mi moya emibi!"

Sa dhlulela pambhili si thule, ubuso be tshe bomfazi ongu Mthakathi baloku busi golozele yonke indhlela, bu pe zulu kwe ntaba. Kwathi uma se ku shona ilanga, safika endaweni eu bala, pezu ko khalo nga pesheya ko mfula, sa bona umuzi wa bantu base Mbhazweni.

Kwa ku umuzi omkhulu wa khiwe kahle, izi nkomozawo zi sabalele e ma thafeni nje nge mi hlambhi yezi nyamazane ubu ningi bazo. Saya emfuleni safike sa wela ezi bukweni, sa hlala pansi si lindile, ngase ngi ya mubona umuntu enga ngi muthumile, ese buya. Wafika wa ngi khulekela, ngase ngi mu buza izi ndaba.

Wathi, ngi hambhe kanje Mbope: Ngi mubonile lowo oku thiwa u Mbulali, uyi ndoda enkulu ende, eno mzimbha omu ncane, eno buso obe sabekayo, ipethe imbhazo enkulu kabi, ifana nayo abe yi pethe ku sihlwa ezi ngela ne zi mpisi. Ba ngi yise pambhi kwakhe, nga fike nga mu khulekela—ngamu tshela obu ngi thume kona. Wa lalela, wase uya hleka kakhulu wathi, Hambha uyomu tshela lowo oku thumile ukuthi, umlomo ka Dingane ngi ya wemukela, ungeza uzo khuluma amazwi ka Dingane ngo ku thula; kodwa be ngi fisa sengathi ngabe ku fike yena u Dingane uqobo lwakhe, hayi umlomo wakhe wodwa, ngoba imbhazo engu Mkalisi wa bantu ibi zo khuluma kanye nathi—ehe, ngoba u Mbope wa bulawa umfowabo, u Shaka, ibi zo khuluma no Dingane futhi kodwa noko, umlomo au silo ikhanda, auze ke ngo ku thula.

Nge thuka uma ngizwa inkulumo ngo Mbope ye sibili ikhulunywa ngu Mbulali. Konje u bani owaye a ngase athande u Mbope kangaka nga pandhle kwa lowo ose wafa na? Mhlaumbhe le Nkosi yayi khuluma ngo munye u Mbope, ngoba kwaku nge mina ngedwa u Mbope u Shaka wa ye bulele isikhulu esa si uyise walelo gama eli khulu esililweni, ngoba ethi, akufuneki o Mbope babe babili ezweni, wabulala yena owaye khala kakhulu esililweni sika nina, noma izinyembhezi zabantu zinga sa pumi—sa hambha ke saya esangweni lo muzi.

Kwa ku ngekho muntu. osi hlangabeze e sangweni na pakathi ko muzi asi bonanga muntu omi ngase zindhlini, kodwa ngale kwe sibaya sezinkomo esasi pakathi kwe zindhlu, kwaku thunquzeka uthuli no msindo sengathi amadoda eya empini. Engangi hambha nabo, baqala abanye ukwesaba, ba be yo baleka uma abesa—

banga ukuthi bangabe bepula umthetho, babuye besaba kakhulu lapo sesi fike esangweni elinga pakathi le sibaya, sabona amabutho anga makhulu amahlanu, ehlukaniswe izi gaba nge zi gaba, epethwe amadoda ama bili amakhulu ememeza, egijima, eya enhla nase nzansi ne zinhla.

Ngathi, "Hayi! hayi! Musani ukufulathela! Izitha zi thanjiswa amehlo anesibindi. Uma u Mbulali ebe funa u ku sibulala, ube ngeke asi bizele impi eningi ka ngaka. U ya zazisa, uyi si khulu esi thanda uku bonakalisa amandhla aso, akwazi ukuthi, eyethu i Nkosi inga benza butho linye kube uku pela bonke abantu anabo. Asi hambhe nje singe sabi."

Sa hambha sa qonda lapo ku buthene khona impi pambhili nesi baya. Ama doda ama bili aye pethe ama butho asi bona, eza azo si hlangabeza elandelana. E ya yi pambhili ye tshethe imbhazo e hlombhe, enge muva ihambhe izulisa i wisa eli khulu. Nga yi buka e pambhili, hawu! baba, inhliziyo yami yapela yathi, nya uku jabula, ngoba ngamubona ukuthi, ubani noma iminyaka seyaba miningi kangaka. Kwa ku uMhlopekazi owo ndhliwa yimi, uqobo lwakhe! enguye nje, esa khula waba yi ndoda,—yebo ese yi ndoda ingekho engaba nje ngaye ezweni la kwa Zulu. E mukhulu esabeka, umzimbha wakhe umuncane kodwa ama hlombhe akhe ebanzi eu khece. Izi ngalo za khe zi zinde zi nge zi nkulu ngo ku dhlulile, kodwa ku dandalaze imi sipa obala nje ngama findo entambho, ne mi lenze yakhe imide, futhi ene zi tho ezi khulu. Amehlo akhe efana na we nqe, i khala lakhe liyi ngwegwe, i khanda lakhe linga qethukile li thanda uku bheka pambhili nje ngo muntu ezi ngela isi tha sa khe. Weza sengathi u hambha ka ncane, kanti uye lula, enyelezela nje nge mpisi noma yi bhubesi, iminwe yakhe iso thini lwe mbhazo u Mkhalisi lwo pondo. Owa ye mu landela naye waye mukhulu, emu fushane ku no Mhlopekazi kancane, kodwa e nomu zimbha omu khulu oqinileyo. Amehlo akhe emancane ekhazi khazimula nje nge zinkanyezana ezi

ncane uma ebuka, afane ne silwane, eloku e sineka eveza ama zinyo amu hlope.

Nga simze nga mubona nje u Mhlopekazi baba, ngezwa ku pela amandhla kimina kwathi angi gijime ngiye kuye ngi fike ngizi pose kuye ngi mugone. Nga buye nga zi khuza—, nga zi mbhoza nge chopo lesi puku eme hlweni ukuba anga ngi boni ukuthi ngi ubani. Wa sondela wema pambhi kwami, engi bukisisa nga mehlo akhe abu khali, ngoba ngase ngi sondela ukuzo mu bingelela.

Sau bona Mlomo ka Dingane! esho ka khulu wathi, kanti umlomo ka Dingane umuntu omu ncane ka ngaka.

Ngathi, noma inkosi ingaba nkulu, umlomo uba muncane, Nkosi Mbulali, wena obusa isizwe sase Mbhazweni, Mthakathi we zi mpisi ezi hlala pezu kwe Ntaba ye mi Khovu, wena owau bizwa ngokuthi u ngu Mhlopekazi kuqala, wena ozalwa u Mbope ka Makhedama.

Wathi ukuba u Mhlopekazi ezwe ngi sho njalo we thuka nje nge ngane uma izwa ku khwashaza emnyameni wa ngi golozela. Wathi, ungazi kahle.

Nga pendula ngathi, izi ndhlebe ze nkosi zi nkulu, Nkosi Mbulali, mina engi umlomo, ngi khuluma oku zwiwe yizi ndhlebe.

U kwazi kanjani ukuthi ngi hlala nezi mpisi e Ntabeni ye mi Khovu Mlomo na?

Amehlo e Nkosi abona kude Mubulali oMkhulu. Kusihlwa abone ku zingelwa kwaba kuhle. Kwaba sengathi a mehlo abona inkunzi yom' gankxa i baleka ixoshwa yi zi mpisi ezi ningi, zi hambhe zi khala, zi na madoda amabili a mbhethe izi khumbha zezi mpisi, la ma doda abe fana nawe Mbulali naye lo opethe iwisa oku landelayo.

Lapo ke u Mhlopekazi wayi pakamisa imbhazo u Mkhalisi-bantu kwa ba sengathi uzo ngi gencela pansi, wa buye wa ye hlisa futhi, u Galazi i Mpisi ese ngithe njo, ngawo wonke amehlo akhe.

U kwazi ka njani ukuthi nga ke ngaba u Mhlopekazi, igama ese kade lapela na? Khuluma Mlomo, nginga ku bulali.

Ngathi, Bulala uma uthanda Mhlopekazi, ukhumbhule ukuthi uma ubu chopo sebu sapazekile, umlomo u ba yisi mungulu. Lowo osapaza ubu chopo ulahlekelwa uku hlakanipa.

Wathi, "Pendula!" ngathi, angi penduli. U ngu bani wena onga pendulwa yimi na. Ngi yazi; se kwanele ke Lalela ngi ku tshele engi thunywe kona.

Lapo ke u Mhlopekazi wa thukuthela wa dhla imi hlathi wathi, Ngeke mina ngi zo kwe delelwa emuzini wami. Quba othunywe kona. Khuluma, lo Mlonyana."

Ngi thunywe loku ke, si khulwana esi ncane. IZulu eli Mnyama linga ka fi, wena wathumela u Masilo ku lona, wa thumela uku khuluma i Zulu elinga zange li ku zwe ku khulunywa ka njalo ku lona, wau yobulawa ngaloko ku khuluma kwa kho wena si pukupuku esi gcwele ukuzi khukhumeza, kodwa kwa fa lona iZulu eli Mnyama ku qala, kwaba u ku sinda kwakho loko. Manjena ke, u Dingane oku uyena ose ngamele isizwe, oyi Nkosi engi yi khonzile, oku uyena ose hlezi esi khundhleni se Zulu eli Mnyama eli nga sekho, ukhuluma nawe ngami, mina Mlomo wakhe, u funa ukwazi loku, ukuthi, kuyi qiniso yini ukuthi au funi wena ukuba ube pansi kwakhe uthele kuye, umu khonze ngama doda na nge zi ntombhi na nge zi nkomo na, nase zi mpini ube pansi kwakhe na? Pendula mnumzane ndini pendula ngo ku fushane u nqamule!

U Mhlopekazi ke lapo wa thukuthela waze we hluleka noku khuluma, iminwe ya khe yase iyo patha embhazweni ya khe enkulu. Wathi, wena Mlomo u sinda ngoba nge thembhise ukuthi auzu ku velelwa yi lutho, uma be ku nge njalo, ngabe ngi kwenza enga kwenza amabutho athile aye thunywe u kuba ayo funa u Mhlopekazi. Kodwa ke ngi zo ku pendula nga mazwana ama fushane. U yayi bona leya mi khonto iyi nxenyana

ye mpi yami engi nayo: yi mpendulo yami leyo. Manje na ke buka ku leya ntaba, yi ntaba ye mi khovu ne zi mpisi—aya ziwa, ayi hanjwa nga pandhle kwami no munye; yi mpendulo yami leyo. Imi khonto ne ntaba kuyo hlangana—intaba iyo gcwala imikhonto na ma zinyo ezi lwane. U ma u Dingane efuna u ku khonzwa mutshele aye khona. Se ngi khulumile!"

Nga hleka ka khulu ngi funa u ku hlola inhliziyo ka Mhlopekazi enga mu khulisayo futhi ukuthi injani.

Ngathi, Isilima lesi!" U mfana one ngqondo enje nge ye nkawu, nga le mpana onayo u Dingane anga thumela i khulu lezi nsizwa zifike zi yi sizile yonke intaba nge mi khovu yakho nezi mpisi lezo, bheka mina Mlomo ka Dingane ngi ku tsakela amathe konke loko, nga sho ngi tsakela pansi.

Lapo ke u Mhlopekazi wa thukuthela waze wa vevezela, nga yi bona ne mbhazo yakhe enkulu seyi benyezela, wase uya penduka ubheka enduneni eyayi semuva kwa khe wathi; We Galazi oyi Mpisi, ku njani si mubulale lo muntu nabo bonke ahambha nabo na?

IMpisi eu Galazi yathi "cha," aba nga bulawa, uthembhise ukuthi uyo ba patha kahle. Ba yeke ba pindele ku le nja eyi nkosi yabo, yi khona izo thumela imi ndhlwana yabo ukuba izo kulwa ne zi mpisi zethu. Ku ngaba yimpi emnandi.

"Suk'uhambhe Mlomo" ku sho u Mhlopekazi, suk'u hambhe khona manje, kungaze ku konakalele! U kudhla uyo ku thola nga pandhle kwe sango lomuzi wami, udhle usuthe. U ma usu qedile ukudhla ubu suya hambha, ngoba uma kuze kube yi ngo muso emini use lapa eduze no muzi wami, se ni yo fela khona lapo Mlomo ka Dingane i Nkosi."

Nga shaya sengathi ngi ya suka ngi ya hambha, ngase ngi buye ngi ya penduka masinyane ngathi:

Akhona amazwi owa wu wa thumele eZulwini eli Mnyama eli nga sekho, ngo muntu othile—kunje ubani igama lakhe na?—u Mbope.

Lapo ke u Mhlopekazi wathi ukwe thuka, nje ngo muntu eqhushuzwa u mkhonto, wa ngi gqolozela.

U Mbope! "Uthi unjani po, Mlomo na?—U Mbope sewafa, mina ngi zalwa uye na?"

Ngathi mina "Ha!" yebo se wafa pela, yi Zulu eli Mnyama eli nga sekho oku yilona ela bulala u Mbope. Po, wena Mbulali uyi ndodana ya khe kanjani na?

U Mbope se wafa ku sho u Mhlopekazi, futhi wafa kanye nabo bonke abo muzi wa khe, baba shaya baba qothula, ku nga kho ngi li zonda nje i Zulu eli Mnyama no Dingane ngi ya mu zonda ngoba ungu mfowabo, anga fa abe nje ngo Mbope no muzi wa khe ku qala enga yi tholanga noma yi nye inkomo yo ku khonza epuma kimi.

Sonke leso si khathi ngi khuluma no Mhlopekazi, izwi lami nga ngi li guqulile baba, nga se ngi ya li yeka ke, se ngi khuluma nge lami ngathi.

Manje na ke, seu khuluma iqiniso eli se nhliziyweni ya kho mfana, se ngi ku gwangqe nga ku gwangqa nga ze nga fika oqotsheni lwe ndaba. I Nkosi uye delela nge nxa ya le nja eu Mbope eya fayo.

U Mhlopekazi wa lizwa manje izwi lami, akabe esa vevezela ngo ku thukuthela, kodwa wa mangala eno kwe saba. Wa ngi bukisisa, enga sa khulumi lutho.

Au nayo yini indhlu ese duze, Nkosi Mbulali sitha seNkosi, u Dingane, lapo mina Mlomo ngi nga khuluma nawe siso babili, yi khona ngi zo bambha kahle ongi yaleza kona ngi nga posisi. Musa ukwe saba Mbulali ukuba sibe so babili nawe endhlini! Angi hlome lutho, futhi se ngi mdala, wena upethe loko, engi kwe sabayo, ngi sho i mbhazo.

Wathi u Mhlopekazi, "Ngi landele Mlomo, wena Galazi sala na labo bantu esho eqhaqhazela."

Nga mu landela ke u Mhlopekazi saye sa ngena endhlini enkulu. Pakathi ku ma thunzi ngoba ilanga lase li shona nga qale nga thulisa ngi linde ukuba amehlo aze ejwayele isi khashana esi nga ngo kuba

uma ubala ama shumi ama hlanu, kwaze kwaba sengathi seku ya khanya. Ngase ngi yaye mbhula ingubo ebusweni nga mu buka u Mhlopekazi.

Ngi buke ke manje Nkosi Mbulali, wena owake waba u Mhlopekazi—ngi buke usho ukuthi ngi u bani na. Wa ngi buka wa khamisa umlomo.

"Uma unge siye u Mbope ongu baba ose gugile, ungu Mbope ose wafa waba u Mkhovu," esho e khulumela pansi.

"Ngi u Mbope uyi hlo, Mhlopekazi," ku sho mina We puzile uku ngi bona, mina ngi ku bone khona ku qala. U Mhlopekazi wase uya khala kakhulu kodwa enga pumeseli, wa dedela imbhazo u Mkhalisi ya wela pansi, wa zithi mbho pezu kwami wa khalela khona. Nami nga khala.

Wathi, "Hawu! baba, nga ngi thi wafa kanye na banye, namuhla ubu yele kimi, mina ngo bu lima ba mi ngaze nga ku pakamisela imbhazo. Ngi ya jabula ngoba ngi sa pilile, angi ka fi, ngoba nakhu ngi sabu bona futhi ubuso enga ngithi se bafa kanti bu se khona noma kambhe se ba guquka kabi kanje, sengathi bu guqulwa yi zi nsizi ze minyaka.

Ngathi, Thula Mhlopekazi mntanami. Nami be ngithi wa fela emlonyeni we bhubesi, kodwa nge mpela be ku yisi mangaliso kimina ukuthi, be ku ngaba ubani uma ku nge Mhlopekazi obe ngenza lezi zinto ebe ngi zi zwa ukuthi ze nziwa u Mbulali oyi Nkosi yabantu base zembheni - ehene, edelele u Shaka uqobo lwakhe. Kodwa au ka fi, nami futhi angi ka fi. Omunye u Mbope lowo owa bulawa u Shaka. Yi mina enga bulala u Shaka, u Shaka angi bulalanga.

U Nada ke, we nze njani u Nada u dadewethu na?

U Makhoba, unyoko no dadewenu u Nada se bafa Mhlopekazi. Ba bulawa aba kwa Vilakazi aba khe e Swazini.

Ngi yezwa nga labo bantu, kupendula u Mhlopekazi no Galazi i Mpisi olapaya naye wa bezwa. Naye uya ba zonda ngoba ba bulala uyise, kimina ke ba bili;

'ba bulala u mame no dade wethu. Yeku Nada udadewethu! Hawu u dadewethu u Nada, washo umuntu emkhulu wa mbhoza u buso nge zandhla, waba no sizi.

Njalo ke baba nga fikelwa u mcabango wokuba, u Mhlopekazi ngi mu tshele iqiniso ukuthi, u Nada aku siye u dade wabo, no kuthi naye azalwa yimina, uzalwa u Shaka enga mubulalayo. Kodwa noko nga buye nga yeka, se ngi fisa se ngathi ngabe nga mutshela. Ngoba nga bona ukuthi, u Mhlopekazi uya zazisa ka khulu futhi u cabanga izinto ezi nkulu, nga bona futhi ukuthi uma engase akwazi ukuthi uyena ofanele ukuba yi Nkosi ya ma Zulu ngo mthetho, aku kho oku nga buye ku mu vimbhele ukuba anga hlubuki alwe no Dingane oyi Nkosi, ngoba ngo ku buka kwa mi kwa ku nga ka bi siso isi khathi so kwenza loko. Impela uma nga ngazi ngo nyaka onga pambhi kwa lo wo, ukuthi u Mhlopekazi use khona, nga be uye ohlezi esi khundhleni sika Dingane namuhla, kodwa ke nga ngi ngazi, laze la dhlula ke lelo thuba okwesi khashana. Nga leso si khathi ke u Dingane wa ye yi Nkosi epethe ama butho ama ningi, ngoba nga me nqabela uma efuna uku khipa impi iyo hlasela nje ngoba wa yeke wa funa ukuba ku yo vinjezelwa ama Swazi. Noma ithuba lika Mhlopekazi lase li dhlulile nje, kodwa lali zo buye livele. Angi yeke ke lapo. Nga bona ukuthi ku hle ngi ba hlanganise boba bili u Mhlopekazi no Dingane ndawonye, ukuze u Mhlopekazi aziwe ezweni ukuthi, u yi Nkosi enkulu ne qhawe loku qala ema qhaweni onke. Bese ngi ya mu khupula ngi menza i induna enkulu yempi epethe izimpi ze Nkosi, ngokuba lowo opethe izimpi usuke ese cishu ukuba ngange Nkosi.

Nga yi yeka ke lendaba, kwaze kwasa si hlezi no Mhlopekazi si khuluma izi ndaba ezi ndala, na nga mhla e thathwa yi bhubesi ngo mlomo, li baleka naye Nga mu xoxela ngo ku bulawa kwa ba fazi naba ntwana bami, na ngo ku hlushwa kwami, nga mu khombhisa ne sandhla sami esi mu hlope esi shwabeneyo Nga mu tshela futhi na ngo kufa kuka Baleka, u Da-

dewethu, nanga bantu bonke ba kithi e Langeni na ngo ku zi pindisela kwa mi ku Shaka ku kho konke okubi aye nge nza khona, ngenza u Dingane ukuba abe yi Nkosi esi khundhleni sika Shaka, no kuthi na muhla yimina umuntu omu khulu ezweni pansi kwe Nkosi, nokuthi u Dingane uya nge saba ka khulu, futhi angi tandi ka khulu. Kodwa angi mu tshelanga ukuthi u Baleka ungu nina.

Ngathi lapo sengi mu xoxele konke, naye wase ungi xoxela eyakhe, uku sindiswa kwakhe ngu Galazi ebhubesini le nkomazi, no kuze abe umngane we zi mpisi be no Galazi, na ngo kwe hlula kwakhe u Jikiza na ma dodana ka Jikiza ayi shumi, aze abe yi nkosi ya bantu be Mbhazo, nalapo ese ganwa u Zinita, wa khula waba mu khulu ezweni.

Ngase ngi ya mubuza ukuthi, kwaba ka njani ukuba akwazi uku zingela nge zimpisi, nje ngoba nga mubona nga ku sihlwa. Wa pendula wathi, manje use khulile asa funi lutho, nge si nye isi khathi uma ene si zungu u hambha no Galazi ayo zingela nge zi mpisi azi li bazise ka njalo isi zungu.

Nga mutshela ukuthi, mina ngi nga mu khombhisa uku zingela oku ngcono ku sa suka pansi nje, nga mu buza futhi ukuthi, umkakhe uya mu thanda nge mpela yini na? Wathi u Mhlopekazi, ngi ngabe ngi ya mu thanda uma aka ngi thandi ka khulu ngoba uthi, ngi nesi khwele futhi ngi ne nhliziyo encane, wathi loko ku ya mu dabukisa. Nge muva ko kulala ka ncane, sase si ya puma e ndhlini, sase si piwa i nkomo na bantu bami, nga xoxa no Zinita no Galazi i Mpisi. E ku gcineni nga mu thanda u Mhlopekazi. U yena ke umuntu lo ofanele ukuba ni fula thelane empini. Inhliziyo yami kodwa ya yi nga mu thandi u Zinita. Waye muhle, emude, kodwa enamehlo esabekayo, owaye loku e buka ngawo u Mhlopekazi sonke isikhathi. Nga bona ukuthi noma ku ngekho akwe sabayo nje, kodwa kwa ku sengathi u ya me saba u Zinita. Nami u Zinita wa ye ngangi thandi, ngoba wathi uku ba abone u Mhlo-

pekazi e bambhelela kimina, wase uba no mona, futhi ese no bu khwele na ngo Galazi. Waye yongi xosha uma waye nawo amandhla. Inhliziyo yami ya ngi tshela kanjalo ke ngo Zinita, ayi ngi tshelanga okubi okunga pezu kwa loko owa buye wa kwenza.

## ISAHLUKO XXIV

### Uku bulawa kwa ma Bhunu

Nga ku sasa nga muthatha u Mhlopekazi nga yo khuluma naye so babili ngathi:

Mntanami, izolo unga ka ngazi ukuthi ngi ubani, wazi ukuthi, ngi u Mlomo ka Dingane ku pela, ungi pathise ama gama ukuba, ngize ngi wa kkulume e Nkosini u Dingane, ukuba ngi mu tshele ezi ndhlebeni zakhe. Lawo ma gama a ngenza ukuba wena nabantu ba kho ni fe. U muthi omile wodwa ethafeni, Mhlopekazi u cabanga ukuthi mude, no khuthi awukho omunye ono mthunzi onga ngo wawo. Kanti ikhona eminye imithi emi khulu ku nawo. Wena ungu muthi omile wodwa Mhlopekazi, kodwa amagatsha apezulu omuthi engi konze kuwo, ma khulu ku ne siqu sakho nga pansi ko wakhe umthunzi ku khona izi qopamithi ezi ningi ezi puma ziyo thena imithi ekhulayo ukuba inga khuli ka khulu. Au lingani wena no Dingane, noma wena wa khe lapha wedwa ehlane, wa khula waze waba mukhulu uma uzi bu ka na pambhi kwa bantu bakho opakathi kwabo. Na nga pandhle kwa loko Mhlopekazi, ku hle wazi loku ukuthi, u Dingane se u ya ku zonda nge nxa ya ma gama owa wa thumela nge silima esi u Masilo ku Shaka nge mi nyaka ese ya dhlula, ngoba naye wa wezwa lawo magama, naye une si fiso sokuba aku shanele. Si nye ku pela isi zathu esi menze ukuba angi thume lapa ku we, ube funa ukuba ake ahlukane nami, asi lutho nje noma ngi buya ne mpendulo enjani amukho uma hluko, buyeza u busuku lapo uyothi we thuka impi ibi si ku vimbhezele emasangweni.

Wathi u Mhlopekazi, "Po ku sizani ukuba si khulume ka khulu nga leyo ndaba baba na? Seku yo kwe nzeka loko oku ngase kwe nzeke. Ngi zo hlala khona lapa ngi yi linde impi ka Dingane ukuba ifike, ngo lwa ngi ze ngi fe.

Aku njalo Mntanami Mhlopekazi, zi ningi izi ndhlela zo ku bulala umuntu nga pandhle, ko ku mu gwaza, ne nduku eyi si gwegwe unga ye lula ngoku yi fusa enthuthwini. Kuyi si fiso sami Mhlopekazi ukuba u Dingane aku thande ku nokuba aku zonde, esi khundhleni so ku fa, ukhule; uyo khula ube mkhulu uma upansi kwakhe. Lalela! u Dingane afani no Shaka, noma kambe be fana ngo laka. Lo Dingane uyisi lima, mhlaumbhe ku nge nzeka ukuba atholakale ukuthi, ubani oku u yena yena, kwaba pansi kwa khe, isi gcino aze amu dhlule Be ngi nga kwenza mina; kodwa sengi mu dala, senga gugiswa na yizi nhlupeko, angi sa funi ukubusa. Kodwa wena use musha, amukho ofana na we ezweni. Futhi ku khona ezinye izi ndaba oku nga fanele ukuba ngi zi khulume, ezi nga ku siza akuba zi ku hlengele ebu khulwini.

U the esuka u Mhlopekazi wa ye bheka pezulu, ngoba ku lezo zikhathi wa ye funa ukuba mu khulu, efisa ukuba abe umuntu opambhili pakathi kwa bantu, nga khona ngoba wa ye ne gazi lika Shaka kuye, wa ye nga buye abe yini futhi na.

U na li su lini po baba na? Au sho ukuthi, loko ku nge nzeka kanjani na?

Ku nge nzeka ka nje, Mhlopekazi. Pakathi kwe sizwe sa kwa Vilakazi e Swazini, ku khona intombhi i gama layo u Nozimbhali. Yi ntombhi enhle kakhulu, u Dingane uyi funa nga mehlo abomvu ukuba ibe umka khe. Nge si khathi esi pambhili, wa thumela ama nxusa e Nkosini ya kwa Vilakazi ukuyo cela ukuba uNombhali abe umka khe. Inkosi ya kwa Vilakazi ya bu yisa amazwi okwe delela yathi, U bu hle bo mhlaba, abu fanele uku nikwa inja ya kwa Zulu bube umka yo. Wa thu-

kuthela u Dingane wa funa uku hlomisa impi iye kwa Vilakazi iyo bulala ibuye ne ntombhi, kodwa nga ma lela ngathi akuka bi siso isi khathi sokuba ku pume impi entsha. U Dingane ke ungi zondela loko, uyayi funa impela ukuba ayo yikha le mbhali ye Swazi. U ye zwa ke manje Mhlopekazi na?

Wathi, okunye ngi ya ku zwa, kodwa kanyisa kahle. U wewu Mhlopekazi, Aku funeki umuntu aku qede konke uku khuluma ku leli lizwe la kithi. Lalela ke Nanti ke i cebo lami. Hlasela kwa Vilakazi u fike uba shaye uba bhuqe, ubuye ne ntombhi uyo ye thula ku Dingane ibe u mnikelo wo xolo.

Wa vuma wathi, lihle lelo cebo baba. Noma intombhi ngi yayi thola noma angi yitholi, ukulwa kona ku yo lwiwa, be se kwa belwana izinkomo.

U bo qale u be hlule kuqala, be se u lungisa impango Mhlopekazi. Wathi uku cabanga ka ncane wase ethi, Kuhle ngi bize u Galazi i Mpisi induna yami. U nga me sabi, uyi ndoda ethembhekileyo amazwi akhe ma fushane uma ekhuluma.

Wase uya fika u Galazi, wa fike wa hlala pambhi kwe thu. Nga yi faka ka nje indaba kuye, ukuthi u Mhlopekazi uzo hlasela kwa Vilakazi abuye ne ntombhi u Dingane ahlale ekhala ngayo ukuba ibe umkakhe, afike aye thule kuye ibe umnikelo wo xolo. Kodwa ngi ya me nqabela u Mhlopekazi ngoba abakwa Vilakazi ba yi sizwe esi khulu esi na mandhla. Nga sho njalo nge nzela ukuthi uma u Galazi eli sola leli cebo, ngi be nakho u ku pumelela. U Mhlopekazi wa bona u kuthi ngi qondeni ngo ku sho njalo ku Galazi, kanti na lobo bu qili bami babu nga dingeki ngoba u Galazi wa ye yi ndoda ene qiniso.

U Galazi i Mpisi walalela wa thula wathi nya, ngaze nga gcina, wa ngi pendula ngo ku thula.

Ngo mthetho yimina inkosi yaba kwa Vilakazi, Mlomo ka Dingane, ngi bazi kahle. Ba na mandhla, ba nga yi khipa imizila emibili ya ma butho ba yi hlomise ipelele

kanti u Mbulali, anga khipa umzila ube munye ku pela, futhi ube mu ncane. Futhi aba kwa Vilakazi ba ne zinhloli zase bu suku nase mini, ku khona ne zi hlakazeke lonke izwe, aku kho uku ba zuma; futhi ba ne nqaba yabo enkulu eu mpandu ovuleke nga pezulu. Leyo nqaba yabo, aba kho abake ba yidhla, futhi ayi bonakali, nga pandhle kwa ba yaziyo. Ba yingcosana aba yaziyo, ngi ya yazi mina nga yi khonjiswa ubaba ngi se u mfana. Nga loko ke, Mlomo ka Dingane, uyabona ukuthi aku siyo into elula ukuba u Mbulali kanye nathi si be hlule aba kwa Vilakazi. I mu mele kanjalo ke indaba u Mbulali, mina ke ingi mele ka nje, Mlomo ka Dingane: Nge minyaka emi ningi eya dhlula, u baba wa ye gula ese zo kufa edhliswe umthakathi wo mfazi wa khona, nge nza isi fungo ku baba ese fa ukuthi, ngi yo mu pindisela ngo ku si bulala sonke isi zwe sa kwa Vilakazi, ngo wa bulala ama doda akhona, ngi thumbhe aba fazi ba wo ba yo ba abe zizwe, aba ntwana babo babe yi zi gqili! Imi nyaka nge minyaka ne zi nyanga nge zi nyanga, no bu suku ngo bu suku, be ngi lala nge dwa lapaya e ntabeni ye mi Khovu, ngi cabanga uku thi, konje lesi si fungo sami ngi nga si gcwalisa kanjani, ngi ngaze nga qonda ukuthi ngi nge nze njani. Namuhla sengathi indhlela isi khona, ngi ya jabula. Kodwa pela le ndaba yi nkulu, mhlaumbhe kungathi uma kwe nzeka, bese bepele bonke abase Mbhazweni. Wa thula, wa bhema ugwayi eba buka pezu kwe ntshengula.

Wathi u Mhlopekazi, nu kimina le ndaba Galazi ingo kunye. U yi hlo wa bu lawa yi zinja za kwa Vilakazi mina be ngi ngazi, ngi ze nge zwa khona ku sihlwa nje ukuthi, u mame no dadewethu engi mu thanda kangaka u Nada, se bafa bo ba bili ba bulawa aba kwa Vilakazi. Lo muntu o ngu Mlomo ka Dingane, esho ekhombha mina wathi, uthi uma ngi ngase ngi ba qothule aba kwa Vilakazi, ngi thumbhe intombhi u Nozimbhali, si nge zwana no Dingane Angi na ndaba no Dingane ka khulu. Ngi nga zi hambhela nge dwa,

ngi zi hlalele lapo ngi thanda khona, ngi fe uma ngi fa noma ngi bulawa u Dingane noma ngi bulawa abanye, asi lutho. Kodwa nge nxa yoku fa kuka mame u Makhoba no dadewethu u Nada, owaye thandeka kangaka kimina, ngi zo kulwa naba kwa Vilakazi, ngi be hlule noma nge hlulwè yibo. Mhlaumbhe Mlomo ka Dingane uzo buye ungi bone masinyane emuzini we Nkosi e Mahlabathini, ngi fika ne Ntombhi u Nombhali nezi nkomo za kwa Vilakazi; mhlaumbhe ungabe usa ngi bona, uyobe seuya bona ke ukuthi nga fa, na ma qhawe ase Mbhazweni apelile.

Wa khuluma ka njalo ke u Mhlopekazi kimina ku khona u Galazi i Mpisi, ese qedile wa ngi gona wa ngi valelisa, ngoba waye nge nalo i thembha eli khulu lokuba singa pinde si bonane futhi. Nami ngi ngabaza ngoba nje ngo kusho ku ka Galazi, kwa ku nge siyo into encane uku yo hlasela kwa Vilakazi, kodwa nje ngoba kade nga ngi bona, one si bindi uyena ovama uku pumelela. Se hlukana ke, mina se ngi zo goduka ngi yo bika ku Dingane ukuthi, u Mbulali oyi Nkosi yaba se Mbhazweni, seu hambhile wa yo kulwa na ba kwa Vilakazi abuye ne ntombhi, u Nozimbhali, azo hlaula ngayo ku Dingane. Ngi mu shiye ehlomisa impi isi lungisela uku puma.

Nga hambha nga mandhla ngi pu ma eNtabeni ye mi Khovu, se ngi buyela emuzini ka Dingane u Mgungundhlovu. Nga ya pambhi kwakhe u Dingane, wa qala wa ngi buka ngo ku jabha. Kodwa kwathi lapo se ngi mu tshelile engi thunywe kona, no kuthi i Nkosi u Mbulali u yena ozo puma impi ayo kulwa ukuze azuze u Nozimbhali amu lethe ku ye. Lapo ke wa qala ukwe nama. Wa se u ngi bambha isandhla, wa ngi bonga wathi, nge nze kahle, wathi bengi yisi lima uma ngi nga kholwa u wena uma wala ukuba ngi khipe impi iyo hlasela kwa Vilakazi. Wase uya li bona isu lami lo kuba lo mlilo wa kwa Vilakazi ngi wu chithe nge sinye isandhla, ku sinde esa khe isandhla si nga shi, wa ngi bonga.

Wa buye wa thi, uma le Nkosi ya bantu be zembhe inga letha kuye le ntombhi ayi thandayo, ange gcine ngo ku mu thethelela uku khuluma aye ku thume uMasilo ku Zulu eli Mnyama ese lafa, kodwa anga munika zonke izi nkomo ezi dhliwe kwa Vilakazi zibe eza khe, amenze umuntu omkhulu ezweni. Nga pendula nga thi, konke loko ku ngaba uku thanda kwayo i Nkosi, Mina ngau sebenza umsebenzi wa mi, ngi u sebenzela i Nkosi, uma ku ngase ku vele oku velayo, isi khulu esi zi gabazisayo si ncipiswe, i Nkosi ingabi na ndaba ne zitha ezi hlaselwayo, mhlaumbhe ku gcine ngo kuba i Nkosi iyi thole i mbhali yayo. Ngase ngi hlala pansi nga lindela oku za u vela.

Manje na ke baba indaba yami se yi zo patha ama Bhunu, Hawu! U ma ngi wa cabanga lawo ma Bhunu, inhliziyo yami i ba mbhi, kanti njalo yimina enga wa siza ukuba ehlule u Dingane, sino Mhlopekazi.

Kwa se ku qalile ukuba abelungu aba yi ngcosana ba loku be fika emi zini yawo Shaka no Dingane babuye ba hambhe; kwa ku aba suke be zo thandaza, be nge zile uku zokulwa. Manje ama Bhunu wona ayalwa abuye athandaze; akwenza koku bili, futhi aya ntshontsha, angi ku qondi kahle loko, ngoba imi thandazo yenu be Lungu ithi azi nge nziwa izinto ezi njalo.

Kwathi ne nyanga inga ka peli ngi buyile entabeni ye mi Khovu, kwa fika ama Bhunu anga ma shumi ayisi thupa epethwe yi nduna yawo u Retief, be hlome izi bhamu ezide, eza zi pathwa nga lezo zi khathi, sebe bonke nezi nceku zabo babe nga hlangana ikhulu. Babe zo cela izwe elise Natali, ku suka oThukela kuye e Mzimvubu. Nga me luleka u Dingane ngi ne zinye izi nduna ukuthi, ku hle avume awa nike leli zwe alicelayo uma ama Bhunu engase ahambhe ayo hlasela isi khulu esakhe o Khahlambha u Sigonyela, ngoba wa ntshontsha izi nkomo ze Nkosi abuye nazo azi lethe ku Dingane. Aku vuma loko ama Bhunu, nge muva kwe si khashana abuya nazo izi nkomo, ese ba bulele bonke aba kwa

Sigonyela. Abuya ne zinye izi nkomo ezi nge sizo ezebiwa ku Dingane.

U buso buka Dingane ba ncibilika lapo ebona izi nkomo, nga lobo busuku wa si biza thina bandhla la ma pakathi sa hlangana, wa si buza nge ndaba yo ku nika ama Bhunu izwe. ‹Kwa khuluma mina ku qala. Ngathi, asi lutho ka khulu uma be nikwa, ngoba iZulu eli Mnyama li nga ka fi lase lili nike ama Ngisi, abantu baka Joji, ku zauba kuhle ukuba ama Bhunu na bantu baka Joji ba lwe bodwa be li banga. Ama zwi e Zulu eli Mnyama aya gcwaliseka, ngoba sesi yakuzwa uku gijima kwe zinyawo zaba mhlope abazo ku dhla umbuso.

Kwathi uma sengi khulume ka njalo, u Dingane wa jabha, no buso bakhe ba nyukubala, ngoba amazwi ami angena ku ye ana mathela nje ngo mkhonto oyi nhlendhla. A pendulanga, wase uyau chitha umhlangano.

Nga ku sasa i Nkosi ye thembhisa uku sivuma isi celo sa ma Bhunu, ukuba awa nike izwe nje ngo ku cela kwa wo, kwa thula ke kwathi nya, nje nga manzi enga za nya zanyiswa moya. Lu nga ka thintwa u siba, i Nkosi yenza ukuba kube khona oku khulu uku sina, ngoba yayi miningi imi zila ya ma butho eyayi buthene esi bayeni, kwaze kwa pela izi nsuku ezi ntathu ku sinwa, ngo lwe si thathu usuku imi zila ya chithwa yonke kwa sala waba munye wa ma bhungu, okwa thiwa au hlale. Ku so sonke leso si khathi nga ngi mangele nje ukuthi u Dingane u cabangani, ama Bhunu ngi we saba. Kodwa kwa ku yisi fuba sakhe owa si tshela izi nduna ze butho ku pela, amukho noma munye amu tshelayo kwa bo mu pakathi. Kodwa noko nga ngazi ukuthi wa kha icebo elibi. Ngaba nomcabango wo ku ba ngi yi tshele induna u Retief, nga buye nga yeka, nge saba uku zenza isilima. Ha! baba, uma nga ba tshela, baningi aba be yo sinda, kodwa bafa nga so leso si khathi! Kodwa asi lutho ngoba noma nga ngi ba tshelile, ngabe se ba fa manje.

Ngo suku lwe sine eku seni, u Dingane wa thuma isi thunywa ema Bhunwini, e wa tshela ukuba babo-

nane esi bayeni lapo eyo fike a sayine incwadi ye si vumelwano. A fika ke ama Bhunu, izi bhamu zawo azi shiya inqwaba esa ngweni, ngoba wa ye bu lawa noma ubani, noma umlungu uma eza pambhi kwe Nkosi ehlomile. U muzi wase Mgungundhlovu wa wa khiwe we nziwa isi zingelezi esi khulu nje nge si godhlo. Nga pandhle kwa wo kube u thango, nga pakathi ko thango kube yizi ndhlu ezi yi zi nkulungwane, zi nga zi nhla zi ntathu pakathi ko thango olu nga pandhle no lu nga pakathi. Pakathi ko thango olu nga pakathi kube yi bala eli khulu, oku nga pelela kulo imi zila eyi si hlanu ya ma butho, enhla nalo ibala, ma qondana ne sango, ku be yi si baya sa khiwe khona ebaleni nganhlanye sa misa oko cezu lwe nyanga. Nge muva ke se kuba yise mposeni indawo lapo ku hlala khona ama khosikazi e Nkosi, ne ndawo ya ba lindi bo muzi,—ne ndhlunkulu lapo ku hlala khona i Nkosi. U Dingane wa puma nga lelo langa, wa fike wa hlala esi gqikini nga pambhi kwe si baya, eceleni kwa k e ku mi indoda ipakamise i hawu pezu kwakhe imenzela umthunzi ukuba anga shiswa yi langa. Na thi thina bandhla eli pakathi sasi khona, si kxelile othangweni olu se baleni, si hlome izi nduku ezi mfushane zodwa, ama wisa si nga wa pethe, lali khona ibutho la ma bhungu u Dingane owa yethe ali nga hambhi, induna yalo ihlezi eduze ne Nkosi, nga kwe so ku nene sayo.

Angena ke ama Bhunu ehambha pansi, aqonda khona e Nkosini eyi dhlanzana, u Dingane wa wa bingelela ngo musa, wa yi xhaula induna yawo u Retief. U Retief wa se ekhipa ipepa esi khwameni sakhe sesi khumbha oku bhalwe khona umncele wezwe aba li celayo. I Nkosi ya humushelwa yi humusha. U Dingane wathi ku lungile, wa li sayina u Retief nawo wonke ama Bhunu ba jabula, ba mamatheka ba bhekana. Athi lapo ese funa uku valelisa, wa we nqabela wathi, anga qale ahambhe enga ka dhli abu kele ka ncane ama butho esina. Wa se ethi, ma ka piwe inyama epekiweyo eya-

yisi vuthiwe na masi. Ama Bhunu athi abe se dhlile, kodwa ubisi alupuza nge zi nkambha.

Aqala ke, ama butho uku sina, e hla belela ingoma kwa ku yi ngoma yempi leyo baba, ama Bhunu ahlehlela emuva abuyela pakathi ne bala, ededela ama butho ukuba athole indawo yo ku sina. Yi leso si khathi engezwa u Dingane ethuma isi gijimi ukuba sisheshe siye enyangeni emhlope ye mithandazo (umfundisi) eyayi hlezi nga pandhle kwe sibaya ukuba, siyi tshele ukuba inge sabi. Nga mangala nje uku thi konje kungabe yini okuthiwa inyanga ye mi thandazo ayi nga kwe sabi, loku sonke isikhathi ku sinwa ikhona nje na. Masinyane wa sukuma u Dingane wa hambha elandelwa yi bandhla lakhe, wa dabula ezi xukwini, wa qonda lapo ku mi khona u Retief, wamu valelisa wa mu xhaula wathi, hambha kahle. Wa fulathela wa qonda esangweni lase ndhlini yakhe yobukhosi, nga bona induna ye butho imi ngasesangweni, senga thi imele uku thunywa.

Masinyane baba, u Dingane wema wa memeza wathi, Bulalani abathakathi!" wase embhoza ubuso bakhe nge chopo lengubo wa puma othangweni.

Tina bandhla lakhe se ma simangele, saba nje nge zi punzi nje. Sise mi si nga ka khulumi lutho, ye zwa kala nayo induna ya ma butho yathi, "Bulalani abathakathi!" bezwa bonke abantu. Lapo ke baba, kwa duma ubugidigidi bezinyawo zezinkulungwane, no msindo wo ku khuza isiga, pakathi ko thuli ngabona amabutho eziposa ema Bhunwini, ngezwa kukhala induku. Ama Bhunu akhipa imimese alwa ngayo njenga madoda; kodwa ngesikhashana esincane nje, ungaka bali uhlanganise i khulu; kwa pela, baba yi ngcosana aba be file ba donselwa nga se sangweni kanye na ba nga kafi, beba ningi ka khulu aba sezwa, bonke bayiswa e gqumeni lapo ku bulawelwa khona abantu, lapo ke bafike ba shaywa ba bhuqwa bonke. Angazi ke ukuthi ba ba bulala kanjani, izi dumbhu zabo bazi nqwabela inqwaba, indaba ya bo ya pela ka njalo ke baba.

Sase si ya buya ke, tina li bandhla la pakathi, sa ngonda endhlini ye Nkosi. Sa yi fica imi pambhi kwe ndhlu yayo enkulu, sa pakamisa izandhla sa yi khulekela ngo ku thula, asaze sa khuluma. Kwa khuluma yena u Dingane ehleka-hleka nje ngo muntu one sazelo enga khululekile enhliziyweni yakhe.

Wathi "Ha, zinduna zami," athi lapo amanqe ezi choba, ekhala ebheka pezulu e lambhile namuhla, abe ngazi ukuthi azo thola idili eli nga nga leli engi wa pe lona. Nina ke zinduna za mi, be ni ngazi ukuthi inkulu ka ngakanani inkosi ena yi bekelwa yi Zulu, futhi ningazi ukuthi, i jule ka nga ka nani ingqondo ye Nkosi eya luse inhlalo ya bantu bayo. Na muhla, izwe li pumule yi laba ba thakathi aba Mhlope, u kuza kwa bo okwa shiwo yi Zulu eli Mnyama mhla li fayo, mhlaumbhe ba seza, ngoba abo ku qala laba. Minani! zi thunywa! wa bheka nga se ma dodeni aye mi emuva kwa khe, gijimani khona manje, niye ema bu thweni abu thene nga le kwe ntaba, niye ku wona nifike nithi, ezi nduneni. I Nkosi ithi, ayi gijime impi iye kwe lase Natali ifike i bulale ama Bhunu i wa shaye i wa qothule, ama doda, naba fazi ne zi ngane. Gijimani.

Izi gijimi za sho i bayede, za suka za sakazeka nje ngo ku chitshwa kwe mi khonto, masinyane za nyamalala. Kodwa thina madoda e bandhla la pakathi, sa loku si mi si thule.

Wa pinda futhi u Dingane wa khuluma ese khuluma nami.

Inhliziyo yakho isi pumule yini manje mfo ka Makhedama na? Kade wa u loku u ngi ba ngela umsindo endhlebeni nga laba be lungu na nge zinto aba zo zenza, bhe kake, se ngi ba pepethe ngo moya waini, aba sekho. Ba fe bonke yini aba thakathi ba ma Bhunu lapaya Mbope na? U ma be khona aba nga ka fi, ngi funa uku khuluma nomunye wabo.

Nga mu buka ebusweni u Dingane ngathi,

"Se ba fe bonke Nkosi, na we futhi se u file." Kuhle uyi cacise leyonto oyi shoyo nja ndini, kusho u Dingane

Ngi ya shweleza e Nkosini ngi sho ukuthi, nge ke uba bulale laba belungu, ngo kuba isi zwe sabo asi sinye, ba zi zwe ezi ningi, u lwandhle lu yi khaya labo, ba puma e manzini amunyama. Ba bulale nje laba aba lapa, kodwa ba zau fika abanye ba zo ba pindisela na banye njalo njalo. Wena u gadhlile nge sakho isi khathi, nabo ba zo gadhla nge sabo isi khathi. Manje ba pansi ba file, ba bulewe u wena, nge linye ilanga Nkosi, kuyobe ku;lele wena pansi ubulewe yibo, Nkosi. I Nkosi isuke ya ngenwa ubu hlanya, yaze yenza into enje, izi thelo zo bu hlanya zi zoba ukufa kwakho. Se ngi khulumile mina nceku ye Nkosi. Intando ye Nkosi ma ye nziwe.

Nga se ngi ye ma ngi ya thula, ngi lindele ukuthi ngi zau bulawa, ngoba uku thukuthela enga ngi nakho nge nxa yo bubi ose benziwe, angi banga nawo ama ndhla oku zi bambha. Kwaze kwaba ka thathu u Dingane engi buka ngo buso obe sabekayo, kodwa noko enge saba ku hlangene no ku thukuthela, nga lindela uku bona ukuthi uzo gcina ngo kwenza njani, noma uzonge saba oko ku pela, noma uzo thukuthela agcine pi. Isi gcino, wa khipa izwi laba linye wathi, "Hambha!" abanga ma thathu.— Nga hambha ngi pilile, i bandhla la pakathi la ngi landela, i Nkosi sa yi shiya yodwa.

Nga hambha inhliziyo yami i buhlungu baba nge zinto ezimbhi ebe ngi zi buka, ngoba kimina kwaba sengathi za zi ximbhi ku nazo zonke,—ukuba ama Bhunu abu lawe kabi kangaka ngo ku nge siwo umthetho nokuba ku ze ku thunyelwe impi ukuba iyo bulala aseleyo, ibulale na ba fazi naba ntwana bawo nga pandhle ko mthetho. Yebo ke, ba wa bulala ama khulu ayisi thupa nga pesheya e Mpofane kwaba yi zwe lezi nyembhezi.

Ake ungi tshele baba ukhuthi u Nkulunkulu ohlezi pezulu ema Zulwini, uye kelani ukuba kwe nziwe izinto ezi nje na. Ngi ke ngi yizwe intshumayelo ya ba mublope bathi, ba yamazi u Nkulunkulu, bathi, ama gama

a Khe, u Somandhla, u Sokulunga, u Nothando. U ye kelani po uku ba kwe nziwe zonke lezi zinto—uba vumelelani abantu aba nje ngo Shaka no Dingane, ukuba ba hlupe abantu base mhlabeni, isi gcino sabo bafe kanye nje, kanti bona sebe bulele izi nkulungwane na. U thi kambe ku nge nxa yo konakala kwa bantu; cha, aku njalo, ngoba aba nge na cala bafa kanye na ba ne cala—yebo, ingani aba ntwana aba nge na sono ba bu lawa nga makhulu khulu na? Mhlaumbhe ikhona impendulo yalo mbuzo, ingabe ngi ubani-ke mina, ukuba ngi buze izinto ezi nga buzwayo nge nxa yo bu lima bami.

Mhlaumbhe lento engi yi buzayo, ku se iyo leya engi ke nga yi sho ukuthi, umfanekiso ose ndebeni e pethe amanzi oku Hlakanipa kwaKhe. U wewu! angi qondi, mina ngi umuntu wa sendhle nje, angi ka zazi nezi nhliziyo zenu, nina aba mhlope eni thobileyo. Nazi izinto ezi ningi, kodwa lezi eze nziwa u Nkulunkulu ani zazi, nge ke nisho ukuthi, uma umuntu ku sa sele i hola azalwe usuke enjani, nokuthi uma sekupele i hola umuntu efile usuke ese njani, nge ke nisho futhi ukuthi, umuntu uzalelwani nokuthi u felani. Ni pila ngo kwe thembha no ku kholwa kube uku pela, mhlaumbhe baba ku ngaka peli ama langa ama ningi, yimina engi zobe sengi hlakanipe ku nani. Ngoba sengi mu dala amandhla oku pila kwami ase shona pansi, asa silele engqondweni ku pela, yi lapo esa qine khona, kodwa na khona azo pela masinyane, nga leso si khathi ke mhlaumbhe ngobe se ngi ya qonda.

## ISAHLUKO XXV

### Impi yakwa Vilakazi

Manje na ke baba, ake ngi ku tshele ukuthi o Mhlopekazi u Mbulali no Galazi i Mpisi, benze njani uma belwa na ba kwa Vilakazi. Kwathi uma se ngi hambhile pansi kwe Ntaba ye mi Khovu, u Mhlopekazi wa biza

aba numzane, wa ba tshela isi fiso sa khe ukuthi, isizwe sase Mbhazweni aku funeki si hlale sisi ncane, ku funeka si be si khulu, nezi nkomo za so zi balwenge zi nkulungwane ezi nga ma shumi shumi.

Ba buza aba num'zane ukuthi, loku ku nge nzeka ka njani na? Ku funeka ku lwi we ne Nkosi u Dingane yini na? Wathi u Mhlopekazi cha, ange zwana ne Nkosi u Dingane nga lendhlela; wa se uba xoxela nge ntombhi u Nozimbhali; na nge sizwe sakwa Vilakazi ezweni lama Swazi, nokuthi leso sizwe singa hlaselwa ka njani Amanye amadoda amu vumela, amanye amu pikisa. Kwa khulunywa kwaze kwa hwalala. Isi gcino wa sukuma u Mhlopekazi wa thi uyena i nkosi ye Mbhazo, amukho omunye nga pandhle kwa khe, wathi ku yi ntando ya khe ukuba ku hlaselwe kwa Vilakazi. U ma ikhona indoda e pikisa intando ya khe, kuhle i pumele ngapambhili ilwe naye, oyo kwa hlula omunye uyena oseyo shaya umthetho. Aku pendulanga muntu, ngoba babe yi ngcosana aba nga qoma u ku bhekana no Mkhalisi wa bantu, kwa ze kwa vunyelwana ke ukuba isizwe sase Mbhazweni silwe ne sa kwa Vilakazi, u Mhlopekazi wa thuma izi thunywa ukuba zi bize bonke aba fanele uku puma impi, beze kuye.

Wathi ukuba u Zinita, inkosikazi ya khe, iyi zwe lendaba, ya thukuthela ya musola u Mhlopekazi, mina Mbope ya nge leka nge zi qalekiso, ngoba ya yazi mina nge dwa ukuthi, ngi u Mlomo ka Dingane yathi, yimi impela engi fake lo mcabango ku Mbulali. Yathi, "Uthini!" au hlezi kahle yini, aunako yini konke okudingayo, ufuna uku yo kulwa na bantu aba nga ku qalanga nga !utho, mhlaumbhe ufike ufele khona noma uvelelwe ububi na. U thi ufuna uku zwana no Dingane ngo ku mfunela intombhi. Ingani u Dingane unezi ntombhi ezi ningi, naye ange na ku zibala na. Ku ya bonakala nje ukuthi, wena seu diniwe yithina bafazi bakho uyo zi funela intombhi nje, Mbulali, uma ufuna ukuba uzwane no Dingane, hlala pansi upumule, niyo

zwana ka khulu. U ma i Nkosi ithuma impi ukuba izo kulwa nawe, yi leso si khathi ke oyo ku lwa ngaso, lesi silima esi nge na ngqondo!"

Wa sho njalo ke u Zinita ku Mhlopekazi emu thethisa kabi—ngoba wa ye vama uku bheda yonke into ayi cabangayo, u Mhlopekazi enge na ku lwa naye. Nga lokho ke, wa ye ku bekezela konke uku khuluma kwa khe ngawo wonke amandhla anawo, ngoba ku ya vama loko baba, ukuba abantu aba khulu ka khulu, ezi ndhlini zabo baba ba ncane.

Yena wa bona ukuthi u Zinita ukhuluma ka njena nje, ku yi ngoba enziwa u thando.

Ngo suku lwe si thathu ba pelela bonke aba zau puma impi ba be ngaba yi zi nkulungwane ezi mbhili za ma doda aqinile na ne sibindi. Wa puma u Mhlopekazi waya uku yo khuluma nabo, e ba tshela oku zau kwe nziwa, eno Galazi i Mpisi. Ba lalela ka hle abantu kwa khanya ukuthi, pakathi kwa ba numzane aba vumelani bonke. U Galazi wase e khuluma nabo nga ma zwi ama fushane wa ba tshela ukuthi, uya zazi izi ndhlela ezi qonda emi pandwini futhi uya bazi no bu ningi be zinkomo za kwa Vilakazi, kodwa nokho, aba numzane ba nkonona. Kwaze kwa khuluma u Mhlopekazi wathi,

Ngo muso lapo ku sayo, kuyo suka mina mpathi we Mbhazo, inkosi yaba se Mbhazweni, kanye no Galazi i Mpisi u mfowethu, si hlasele kwa Vilakazi, si yo hambha noma be nga ba yi shumi ku pela aba hambha nathi. Manje na ke, khethani nina zi nsizwa! Abeze aba thandayo, aba nga thandiyo ma ba hlale ekhaya na ba fazi naba ntwana.

Ba memeza bonke ka khulu bathi, siyo hambha nawe si yo nqoba noma siyo ku fa.

Kwa hanjwa ke nga ku sasa, ba khala abe si fazane base Mbhazweni. U Zinita ku pela onga khalanga, we ma nje ethukuthele ebuka ububi obu zau vela, ne ndoda ya khe ayi valelisanga, kodwa kwathi lapo isi hambhile maye wa khala.

Njalo ke u Mhlopekazi ne mpi ya khe, ba hambha ba shesha baye ba fika kude, be hambha be lambha, bo me, isi gcino ba ze ba fika ezweni lika Mswazi; nge muva kwe si khashana ba li ngena ela kwa Vilakazi nge si khala esi pakemeyo esi u mngcingo. U Galazi i Mpisi wa ye nqenekile sengathi bazo fica ku khona impi ese si khaleni, ngoba noma babe nga limazanga muntu e ndhleleni uma beza, futhi babe thathe izi nkomo ezi lingene ukuba badhle, wa yazi ukuthi, izi nhloli za kwa Vilakazi zi gijimile emini za bika ukuthi impi iyeza. Kodwa aba funyanisaga muntu esi khaleni, bathi ukuba ba si dhlule, ba fike ba pumula nga le kwaso balala khona ngoba base be khathele. Lapo ku sayo, u Mhlopekazi wa buka pambhili na ma thafa nga le kwawo, u Galazi wamu khombhisa ukhalo olude olu nga pakeme, kusa sele ama hola amabili ba fike ku lona wathi:

Lapaya ke, mfowethu, yi lapo ku khona umuzi wasempakathi wa kwa Vilakazi, lapo nga zalwa khona, ku khona u mpandu ku leya ntaba, omkhulu.

Ba hambha ke, lithe i langa li nga kabi pezulu ba fika pezu kwayo, be zwa ku khala izi mpalampala ngale kwe ntaba. Be ma pezu kwayo intaba, ba bona ku de, impi ya kwa Vilakazi igijima iza kubo, kwa kuyimpi enkulu.

Wathi u Galazi, ba buthene nge mpela. Ba ningi ngoku pindwe ka thathu ku nathi. Abanye ba ku bona lokonabo, ba pela amandhla. Waba khuthaza u Mhlopekazi wathi:

Naziya izi nja za ma Swazi bantwa'bami, zi ningi, thina si yi ngcosana. Ni funa ukuba kuzwakale emakhaya ukuthi, sathi si abe gazi la kwa Zulu sa xoshwa umhlambhi we zinja za ma Swazi na. Nifuna ukuba aba fazi na ba ntwana bethu basho njalo ezindhlebeni zethu zi nsizwa zase Mbhazweni na?

Abanye bathi, "Pinde!" kodwa abanye ba thula nje; wa pinda futhi wathi: Aba pindele emuva aba thandayo, sise si khulu isi khathi. Aba buyele emuva aba thandayo

kodwa nina eni ama doda, wo zani ngi hambhe nani. U ma ni thanda godukani nonke ni shiye u Mkhalisi wa bantu nge Mbhazo kanye ne Wisa eli u Mlindi, siyi lwe sodwa.

Ba memeza kakhulu bathi, "Siyo kufa ndawonye, ngoba be si hlala ndawonye!"

Wathi u Mhlopekazi, ni ye funga na? esho epakamisela pezulu u Mkhalisi.

Bathi, Si funga i Mbhazo.

Njalo ke o Mhlopekazi be no Galazi ba lungela ukuba ihlangabezane. Izinsizwa ezincane bazi beka emagedugedwini enzansi ne qele, ngoba kwaku yizona ezazi fanele ukuyi qala, zazi pethwe u Galazi i Mpisi, ezindala za hlala eqeleni no Mhlopekazi.

Yeza eyakwa Vilakazi, iyi mizila emine epeleleyo. Ya gcwala ithafa kwaba munyama, imemeza ibanga umsindo, imikhonto yayo i bengezela njengo ku nyazima kwe zulu. Yathi lapo iqala uku khupuka iqele yema, kwa thunywa isi thunywa ukuba siyo buza ukuthi, abase Mbhazweni bafunani kubona na. U Mbulali wathi ba funa izinto ezintathu kubona. Okoku qala bafuna ikhanda lesi khulu sabo, isi khundhla saso siyo thathwa u Galazi; okwesibili ba funa intombhi enhle oku thiwa u Nozimbhali igama layo; okwe sithathu ba funa izinkomo ezi yinkulungwane. U ma nikwenza konke loko siyoni yeka nina bakwa Vilakazi; kodwa uma ninga kwenzi, siyo ni bulala nonke, siku thathe konke esiku funayo.

Sabuya isi thunywa safike saba tshela impendulo, simemeza ukuba bezwe bonke. Kwe zwakala oku khulu uku hleka ezi nhleni zempi yakwa Vilakazi, kwa hlekwa kwaze kwa zamazama umhlaba. U Mhlopekazi wathukuthela wa bheja waba bomvu, uma ezwa bemu hleka waba khombha nge mbhazo yakhe u Mkhalisi wa Bantu.

Wathi, liyothi lishona nibe ninga sa hleki, esho eya le, na le, ezinhleni ze mpi ya khe, ekhuluma nabo nga munye nga munye, eba biza nga ma gama abo, eba misa isi bindi.

Be zwakala aba kwa Vilakazi be lhi, ayi bambhe ezi nsizweni ezi ncane ezi pe thwe u Galazi i Mpisi, kodwa nga pesheya kwe qele kwa kwe nile; lapo kwa ku zau hambha khona eya kwa Vilakazi, ibutho eli pethwe u Galazi lezi nsizwa ezi ncane, ama bhungu, za ba hlangabeza khona eme nweni za ba bulala, kodwa noko zeza eza kwa Vilakazi ngoba zazi zi ningi zinge na ku vinjelwa, isi gcino impi ya bambhana ye lula u khalo, kwa thula kwathi mbho, u Galazi wa ye yi pake kahle eyakhe impi ya ma bhungu, alwa nje nga ma doda, u Galazi ewa bhekile. Yonke imizila yempi yakwa Vilakazi, yaze ya pelela ku leli butho lama bhungu, linga ka peli, linga baleki. Kwaze kwa ba ka bili u Galazi edumelisa ngalabo aba qoqayo. Impi ya kwa Vilakazi kwaze kwa ba ka bili be yi hlehlisa, bayi hlakaze i pithizele. Isi gcino ya hlangana yonke kwaba yi ngxova ngxova, imizila yonke ya bambhana. Kodwa aku gcinanga nga loko, ngoba iningi la ma bhungu lase li file, aba be sa sele be hlehliswa be nyuswa intaba, kodwa belwa ku ubu niki niki.

· Kodwa sonke leso si khathi u Mhlopekazi ne butho la ma kehla ba be hlezi be yi zinhla pezulu ne qele be bukela. Wa thi u Mhlopekazi. Leziya zi nja za ma Swazi zi ne nduna eyi si pukupuku. Iyi khipe yonke imi zila akukho butho eli sele nge muva loku fakelela u Galazi eyakhe impi se u yi buthele ndawonye ayi se yizo izi nhla se ku yi si xuku.

Aqala manje ama khehla uku nyakaza ehlezi pansi· ese loku enaba abuye afinyele. Ajeqeze lapo ilwa nga khona, abuye abukane odwa a khulu-khulume ka ncane We hluleke u lwile Galazi! U wewu! u wile lowaya! Insizwa ene sibindi! Hawu! yi wisa e lihle u Mlindi Impi se yi sondela kithina mfowethu. Bwa qala manje ubuso babo, uku qina ne minwe yaloku ibambhisisa imi khonto yabo.

Ye zwakala manje induna imemeza u Mhlopekazi ka khulu yathi,

"We Mbulali!" akukabi yiso yini isi khathi soku sukuma kwe nziwe na? Bu manzi lobu Ishani esi hlezi kubo, futhi sesi ne nkwantshu.

Wathi u Mhlopekazi, au kahle ingcosana baze ba khathale yi loku ku dhlala aba ku dhlalayo. Ake ba dinwe ku qala, ngi sho njalo.

E sa sho njalo nje, aba kwa Vilakazi ba buthana ndawonye, bamu hlehlisa u Galazi nezi nsizwa zakhe ezi ncane ezazi sa sele ngomdumeliso wabo. Isi gcino za fulathela za baleka, ama Swazi aba xosha, ababe gijima pambhili kwa ba kwa Vilakazi, kwa ku yisi khulu sabo, si kakwe ama qhawe akhona.

Wa bona u Mhlopekazi, wa gxuma we ma nge zi nyawo, wa bhodhla nje nge mpisi, wa memeza wathi, "Ayi bambhe zi mpisi!"

Lapo ke, izi nhla za ma qhawe za sukuma nje nge gagasi lo lwandhle. Izi dhlodhlo zabo zi fana na ma gwebu. Ba sukuma bathi nje vumbhu, masinyane kwathi niki, be hlisa i qele. Pambhi kwabo ku gijima u Mbulali epakamise u Mkhalisi, lapo ke hawu! enga sa gijimi. U kuba wa ye gijima, waba shiya bonke waze waba yi banga pambhi kwabo. U Galazi wa lu zwa udumo lo ku gijima kwabo, uthe ethi uya bheka wa mu bona u Mbulali edhlula nge jubane, egijima nje nge nyamazane. Naye u Galazi wa sukela, ba gijima boba bili aba ngane bezi mpisi be hlisa igquma, be hlu kene nge mi khonto emine pakathi kwabo.

Aba kwa Vilakazi baba bona ba be zwa, ba zama uku hlangana ndawonye, benzela u kuba hlangabeza. Pambhi kuka Mhlopekazi, kwa ku yi si khulu sa bo si kakwe yi mi khonto indoda ende. U Mhlopekazi wa qonda khona lapo ku hlangenwe khona ku fana no thango lwa ma hawu, ya pakama imi khonto ukuba imu hlangabeze, na ma hawu bawa pakamisa, kwa ba u thango, onge kho owa ye ngase alu fohle enga fanga. U Mhlopekazi yena waye nga lu fohla ka njani eyedwa na? Na ngo ke! seu gijima ka ncane, seu funa uku gxuma, wa gxuma! Wa gxuma wa bheka pezulu,

izi nyawo za khe za thinta ama khanda ama qhawe, za khalisa izi hloko za ma hawu awo. Athi lapo ethi aya gwaza, agwaza ubala ese dhlulile nje nge nyoni. Seu be qile waye wa hlala, kwa funyaniseka ukuthi u thango lwa ma hawu selu kake ama khosi ama bili, eya kwa Vilakazi no Mhlopekazi. Kodwa aku banga yisi khathi eside ku njalo. Hawu! wa pakama u Mkhalisi wa Bantu wehla, po loku yena avikwa nge hawu noma yi nge si zenze, wali shaya ihawu le nkosi yakwa Vilakazi wali kxebbula kanye nayo, ba sa la bodwa be ngase na mu pathi.

Ba hlangana ndawonye manje laba abebe kake inkosi ya kwa Vilakazi. Zi pukupuku ndini! Seu kinina u Galazi! Ku njani ke njalo na? Bukela ke manje! Au bheke uku thi, ma ngaki ama thambho a pukileyo ku lowo u Mlindi owe hlela pezu kwakhe! Ku njani ke! Wa wa futhi omunye! Hlanganani nina ba ma hawu! Hlanganani! Hayi! ni ya baleka yini na?

Ha! igagasi se li wele ogwini. Lalela uku duma kwalo lalela uku duma kwa ma hawu! Yimani nina madoda akwa Vilakazi—yi mani! Impela kanti se be yi ngcosana nje. Kanti se ku pelile! Ngi mu funge u Shaka! ba ya hlakazeka—ba ya hlehliswa—manje, i gagasi eli bulalayo se li pithizela ezi hlabathini—manje, isi tha se si ya shanelwa nje nge zibi, kwa haza yonke indawo nje nga manzi kwathi Ji! Ji! Ji!

Ku njalo ke baba. Mina se ngi gugile. Angi se na ndaba ne mpi, no buhle bayo. Kodwa ku ngcono uku fela e ku lweni oku nje, ku no ku pila noma yi ka njani. Zi njena ke izi mpi engi hlezi ngi zi bona. Zi ningi ezi nje engi hlala ngi zi bona. Ho! sasi kwazi uku lwa ngi se yi ndoda baba, kodwa amu kho kwe nga ngi bazi owa ye nga lwa nje ngo Mhlopekazi u Mbulali, indodana ka Shaka, eno mfowabo we gazi u Galazi oyi Mpisi! Njalo ke sa ba shanela sa ba xosha labo ba kwa Vilakazi; sa ba shanela nje nge ntombhi ishanela uthuli endhlini, na nje ngo moya u pepetha

ama qabunga omileyo. Yasheshe ya pela ayi thathanga na si khathi eside. Abanye ba 'baleka, abanye bafa. Ya pela ka njalo ke leyo mpi. Cha, cha, aku pe langa konke uku lwa. E ya kwa Vilakazi ya chithwa enkundhleni ku pela, aba ningi ba baleka baye ba ngena e mu pandwini omkhulu lapo se ku yo nqamuka khona uku lwa. Wa suka ke lapo kwa ku lwelwa khona u Mbulali ehambha nempi ya khe ese leyo. Maye ba ningi aba fayo; kodwa akukho uku fa oku ngcono okwa ku nga dhlula okwa leyo mpi. Bonke aba be sele, kwa ku sengathi base bonke, ngoba base be qonda ukuthi aku funeki ukuba be hlulwe ka lula, uma be sa holwa yi Mbhazo ne Wisa.

Manje base bemi be bheke i gquma okwa ku ngathi uma uli zu ngeza pansi kwalo unyathele ka zi nkulungwane ezi ntathu, lali nga pakeme ka khulu, kodwa umuntu enge na ku khupuka aze a fike .pezulu ngoba pezulu nalo kwa ku yi dwala, ingekho indawo yo ku nyathela, ku hambha izi bankwa nezi ntenesha ku pela Kwa ku ngekho muntu nga ku leli gquma, na se mzini omkhulu wa kwa Vilakazi owa u ngase mpumalanga kwa lo, kanti pansi ku gcwele izi nyawo ze zi nkomo na bantu, pakathi entabeni ku zwakala uku khala kwe zi nkomo.

"Nasi isi dhlwane saba kwa Vilakazi," ku sho u Galazi i Mpisi. "Ne mpela u qobo lwaso," ku sho u Mhlopekazi, kodwa si nga fika ka njani ema qandeni aso si wa puze na? Lomuthi one si dhleke au nama gatsha oku khwela.

Kodwa ku khona imbhobo esi qwini sawo ku sho u Galazi.

Wa hambha nabo baze ba fika lapo ku bhuduleke khona se ngathi ku se sangweni lesi baya se zi nkomo; ba bona isi khewu esi qonde esi weni, esi fana ne se nziwa yini be lungu. Kodwa lesi si khala sasi valwe nga matshe ama khulu anqwatshelweyo ongeke u wa suse uma unga pandhle. Aye nqwatshelwe uma ku ngeniswa' izi nkomo.

"Ngeke sa ngena lapa," ku sho u Galazi. Landelani mina. Ba mu landela baze ba fika ngase nyakatho kwe ntaba, kude ku duze i banga onga ciba umkhonto ka bili, kwa kumi insizwa, e yathi ukuba i ba bone ya nyamalala masinyane.

"Ku khona lapo ke," ku sho u Galazi, leya mpungushe ingena ku wo umgodi. Ba gijima ba ya khona, ba fike ba bona imbotshana encane engena e dwaleni, ecishu kuba nga pezu dhlwana kwo mgodi we sambhane, ku leyo mbhobo ku zwakala umsindo, futhi ku khanya.

Yi mupi ke oyi nkentshane ozo hlola lo mgodi omushana? Kusho u Mhlopekazi, Onga se ayi hlole ayi thole kahle, uyo thola ikhulu le zi nkomo.

Kwa puma izi nsizwa ezi mbhili eza zi langa zelela uku hlabana, eza zi nga funi lutho nga pandhle koku thola udumo lo ku zuza lezi zi nkomo zathi:

Yithi ama nkentshane Mbulali. E mgodini ke! ku sho u Mhlopekazi, lowo oyo pumelela uku thola imbhobo yoku ngena, abo fika e me enzele ukuba ku ngene abanye.

Izi nsizwa ezi mbhili za gxumela e mbhotsheni zo zi mbhili, eya fika ku qala ya fike ya ngena i gaqa nge zandhla na nga ma dolo pezu kwe hawu, imi khonto ya khe eyi bambhe wayi bhekisa pambhili. Kwaba yi thunzi akwabe ku sakhanya emgodini, we zwakala ehu quzela pakathi. Kwase ku zwakala umsindo wo ku shaya pakathi. Ya buye ya khanya imbhobo. Kanti umuntu use file.

Ya thi le nsizwa ye sibili nayo efuna uku nge na "I dhlozi lakhe libi, li mu balekele."

Ya guqa pansi nge zandhla na nga ma dolo ya ngena nje ngayo ya ku qala, kodwa yona yazi mbhoza ikhanda nge hawu layo, kwa ba yisi khashana be muzwa e huquzela, kwa pinda futhi kwe zwakala umsindo wo ku shaya e hawini le si khumbha se nkabi, nge muva ko ku shaya kwa landela umgqumo. Kanti naye se u file, kwa bonakala ukuthi ufele khona embhotsheni ngoba

aku bange ku sa bonakala uku kha nya. Kwa bangwa yi loku ke baba, ba mu shaya qede wa hlehlela emuva emu godini wa fela pakathi, akwaba bikho muntu onge nayo amu donse khona nga le.

Aqala manje ama butho uku gqolozela emgodini, akwabe ku sa ba bikho muntu ofisa uku yibuka le mbhobo, ngoba umuntu ufa kabi enga lwanga. O Mhlopekazi no Galazi nabo ba buka be cabanga.

Mina igama lami ngi yi Mpisi ku sho u Galazi, impisi aku fanele ye sabe u bu mnyama; futhi abantu bami laba, ku funeka ku hambhe mina ku qala ngi yo ba bona, wa guqa pansi nge zandhla na nga ma dolo, wa yeka uku khuluma oku ningi. Wathi u Mhlopekazi, "Kahle Galazi, esho ngoba ekade e lunguzile emgodini, futhi a ku ngene mina ku qala! Se ngi li tholile, i cebo Wena u zongi landela, nina bantwa'bami, nizo memeza ka khulu ne nzele ukuba ba nga sizwa si nyakaza; uma siye sa pu ma nga le, ni bo shesha nisi landele ngo ba ngeke sibe nawo amandhla oku vimbhezela kuze kube yisi khathi eside.

Lalelani, nakhu engi ni tshela khona, uma ngi fa, ni bo beka enye i Nkosi—nibeke u Galazi i Mpisi uma enga fanga.

Cha Mbulali, musa uku patha elami igama kusho i Mpisi, ngoba siyoba kanye nase kufeni.

Shiya lapo ke Galazi, se niyo zi khethela eni mu thandayo ke, niku yeke loko engi ni tshela kona, ngoba uma se hluleka uku ngena amukho futhi omunye onga ngena, funani uku dhla ni hlale pansi lapa zize zi baleke lezo zi mpungushe, lungani ke. Salani ka hle, ba ntwana bami. "Hambha ka hle Baba. U bo hambha ngo ku qapela, singa sali sodwa nje nge zi nkomo ezi nge na melusi, sizule si hlupeke.

Wa ngena ke u Mhlopekazi e mgodini, wa li shiya i hawu, kodwa emu pethe u Mkhalisi-Bantu, emquba pambhili, elandelwa u Galazi. Wathi uma ese hambhe i bangana ehuquzela nge sisu, we lula isandhla, na nge

mpela, nje ngo ku cabanga kwa khe, wa zizwa izi nyawo ze nsizwa ayayi ngene ya fela pakathi. Njalo ke u Mhlopekazi wa hlakanipa we nza nje: wa shumeka ikhanda lakhe pakathi kwe mi lenze yomuntu ofile, wa shuma waya pambhili waze waba nga pansi, isi dumbhu saba se mu hlane wa khe, wa se usi bambha nge sandhla sinye, wa bambha iza ndhla zo file zo mbhili, wa zi hlanganisa ndawonye nga sandhla sinye. Wa huma ke wase bona ukuthi, seu sondele eku pumeni nga pakathi, kodwa lisa sele ithunzi elimu nyama ngoba kwa ku khona itshe eli khulu eli sitha uku khanya. Wathi u Mhlopekazi, leli tshe liya ngi siza ngoba nge nxa ye thunzi lalo ngeke ba kwazi ukubona ofile no nga file. Mhlaumbhe ngi nga sinda. Wa bezwa aba kwa Vilakazi be khuluma nga pambhi kwa khe, nga pandhle ko mugodi bethi:

Omunye ethi, Ama gundane akwa Zulu au thandi lo mu godi, aya lwe saba u gibe lwa magundane. Aba mbheka kahle impela, wa hleka omunye.

Wa huquzela waya pambhili nga mandhla u Mhlopekazi ebelethe umuntu ofile. Masinyane wa pumela nga pandhle ko mugodi obala ethunzini le tshe eli khulu.

"Ngi fung'u Nozimbhali, nang'o munye we sithathu," ku sho elinye lama butho. Susani leli gundane lo mZulu Wa musho ka khulu umuntu ofile nge wisa. Omunye wathi "Nanso futhi!" emu bhudhluza ngo mu khonto owa ngena waze wayo pumela ku Mhlopekazi nga pansi wafike wa mu hlaba. No munye wathi "Nanso!" No munye futhi "Nanso futhi!" No munye njalo, baze baba ba ningi be shaya be gwaza.

Wa gquma ka nzima manje u Mhlopekazi e thunzini eli mu nyama, walala wathi nya. Aku sa sizi uku mu shaya, ku sho owaye mushaye ku qala. Nge ke asa bu yela kwa Zulu lo, ngi cabanga ukuthi sebe yi ngcosana aba zo mu landela. Asi sale se si ba vimbhela, aba gijime abanye ba yo funa amatshe si vale imbhobo, ngoba se konakele.

Wa sho e fulathela, bonke ba fulathela sebe hambha. Kwaba nje ngo ku fisa kuka Mhlopekazi. Wa gxuma wema nge zinyawo wamu lahla pansi ofileyo. Bezwa, ba penduka futhi. Lapo ke u Mkhalisi-Bantu, wase eloku engcefeza kahle nje, na lowo owaye the ufunga u Nozimbhali, ba pela ubu doda ku ye. U Mhlopekazi wase egxuma eqonda pambhili, wa gxumela pezu kwe tshe eli khulu, wa qhwakela kulo nje nge nyamazane.

Wathi, I gundane la kwa Zulu ali bulaleki ka lula bo chakide ndini! beza ku ye be qhamuka ma cala onkengasi khathi sinye, be bhodhla. Wa galela nga lapa na nga lapa ngo ku shesha, bangaze ba bona ukuthi u shaye nini, ngoba waye galela nga lapo u Mkhalisi-Bantu e cije nga khona. Kwathi ingani abantu aba boni kahle ukuthi u galela nini, baba, ba bewa be khithika pansi kwakhe. Zaze zamu kaka manje u Mbulali izi thazi mu gxumela njenga manzi ema tsheni—kwa cwazimula imikhonto yonke indawo imu dhlodhla ngalapa nangalapa. Aba be muvelele nga pambhili na ngaseceleni wa ba vimbhela, omunye wa ze wa limaza u Mhlopekazi entanyeni, omu nye owaye se wu pakamisile efuna uku mu gwaza emuhlane, wadilikela pansi wagoba i khanda wa wela othulini, waba uthuli.

Nga leso si khathi i Mpisi nayo yayi si pumile, u Mlindi ese sebenza naye, wa se benza kakhulu, ka ngangokuba u Mbulali, abange ese saba ukuthi, kukhona oku nga muvelela nge muva kwase kuba yibona abasemuva kwakhe abe saba ka khulu. Ba lwa nge si bindi boba bili, ba bulala abaningi ngesikhashana; kwa qhamuka ngalinye, ngalinye ikhanda eli ne si dhlodhlo be puma embhotsheni abase Mbhazweni aba ngalo ezi nkulu, ba yi bambha. Ba ngena ngo ku shesha be gxumela pakathi eku lweni nje nge mithini igxumela emanzini, ba hlangana i shumi, ba dhlulela ema shumini ama bili—baqala abakwa Vilakazi uku hlepuka ba baleka, ngoba ba be nga qondi ukuthi ku ngaba nje. Ba ngena ke abase Mbhazweni ngesi khala leso, sebe zi ngenela kahle inga se kho impi, kwaze kwa hwalala be nga peli uku ngena.

## ISAHLUKO XXVI

### Uku Tholwa kuka Nada

U Mhlopekazi wa yi viva ama butho impi yakhe wathi, se ku ya hlwa, kodwa kuhle ke si yo vusa lezi zi mbhila emigodini yazo. Woza mfowethu Galazi, u yazazi wena lapo zi bhace khona, aku hambhe wena pambhili.

Kwa ba njalo nempela, u Galazi wayi hola impi. Wa yi ngenisa esi godini esi banzi esi no mthombho pakathi si gcwele izi nkulungwane zezi nkomo. Wase uya nga kwe so ku nene pansi kwe ntaba ene si wa, lapo ke kwa ku khona imbhobo engena emu pandwini omkhulu. Imbhobo ya yi mu nyama, kodwa emnyango ku nqwa tshelwe inqwaba ye zinti ezi ne nhlaka, eye nza ku khanye.

Wathi u Galazi, nakhu oku khanyiswa nga kho. Ba thatha lezi zinti ba zi lumeka emlilweni owa wu baswe ngase mnyango wo mpandu. Bangena ke nge ndhlovu-yangena, be shaluzisa izi hlonti zo mlilo, be pakamise imi khonto Lapo ke ba hlangabezana nayo eya kwa Vilakazi okwase ku iyona yo ku pela. Izi hlonti za khanya ubu shalu shalu, ze hla zi khupuka, isi ba-mbhene nge zi hluthu. Ko dwa ya shesha ya baleka, ngoba yase ipele amandhla. U wewu! ba ningi aba bulawa, angi bazi ukuthi ba ngaki. Ngazi lokhu nje, ukuthi isi zwe sa kwa Vilakazi asi sekho sa qedwa u Mhlopekazi oku thiwa u Mbulali; wasi nyathela nge zi nyawo—asi sekho se kwa sala igama nje manje. Abase Mbhazweni ba ba xosha ba ba khipela obala, uku lwa kwa pela se ku qakaze izi nkanyezi, sebe se zi nkomeni.

Kwenye ingosi yomu pandu, u Mhlopekazi wa bona i xukwana la ma doda ku sengathi ku khona eli ku bu nganyeleyo ukuba li ku vikele. Wa gijima wa ya kubona eno Galazi na banye. Kodwa kwathi lapo u Mhlopekazi ese qedile, wase ebona ngesi hlonti umuntu omude omu ncane ngo mzimbha, enqike odongeni lo mhume ezi fihle ubuso nge hawu.

Wathi, "uyi gwala!" wa mu galela ngo Mkhalisi. Isi zenze esi khulu sali qhumbhusa i hawu, kodwa sa li posa ikhanda nge muva kwe hawu, safike sa shaya ka khulu etsheni, kwe zwakala izwi eli mu nanjana lithi

"Hawu!— musa uku ngi bulala! U ngi thukutheleleni ka ngaka na?"

Kwathi ukuba ihawu ali shaye nge si zenze la puma esa ndhleni, ezwini la lomuntu kwa ba khona okwenza u Mhlopekazi angabe esa galela futhi. Kwa ba se ngathi u pupa ekhumbhula ubu ntwana. Isi hlonti sakhe sase si vutha ka ncane wase uya si pakamisa ukuba abone lomuntu ose khobele etsheni. Waye gqoke nje nge ndoda kodwa isi dumbhu somzimbha si nge siso ese ndoda pinde, sasi fana ne so we sifazane omuhle, ocish'u kuba mhlope umbala wakhe. Waze hlisa iza ndhla ebu sweni, ba bonakala kahle ubuso bakhe. Wa wa bona amehlo a khanya nje nge zi nkanyezi, nezi nwele ezi ama shoba ezi lengela pezu kwa ma hlombhe, no buhle obu nga ziwa pakathi kwa bantu, nezwi akhuluma ngalo kwaba sengathi yi zwi owake wa lizwa, na mehlo futhi, nawo sengathi wake wa wa bona nge minyaka emininingi eya dhlula, no buhle obu menza akhumbhule into anga ya ziyo.

Wa yi buka le ntombhi u Mhlopekazi, iyi nhle ipelele, yamu buka ukwe sabeka na mandhla akhe, ebomvu yi gazi, ena ma nxeba empi. Ba bukana isi khathi eside bo ba bili, be khanyiswe yi si hlonti so mlilo ezi ndongeni zo mpandu, no ku dhla oku banzi kwo Mkhalisi be kakwe umsindo wo ku lwa. Isi gcino wa buza wathi, Ungu bani igama lakho, umuhle kangaka nje na?

I gama lami ngi u Nombhali manje; ku qala nga ngi ne linye. Ngangi u Nada i ndodakazi ka Mbope, kodwa igama nakho konke loko se kwa fa, nami se ngi ya khona e ku feni. Ngi bulale, ngi sale se ngi fa. Ngi zo cimeza amehlo yi khona ngi nge zu ku sibona lesi si zenze esi khulu si ngi genca.

U Mhlopekazi wa yi gqolozela futhi le ntombhi, u Mkhalisi wa wa esa ndhleni sa khe.

"Au ngi buke Nada mtaka Mbope, ekhulumela pansi Ngi buke ubone ukulhi ngi u bani."

Wa pinda u Nada wa mu buka futhi. Waze wa be lula ubuso nje ngo muntu emi pezulu elu nguze pansi emhlabeni; wa bukisisa waze wa mangala. Wathi, "Ngi mu dala bandhla, ungu Mhlopekazi umfowethu ose wafa ebe ngi muthanda noma ese file yena yedwa, zwi."

Sa cisha isi hlonti u Mhlopekazi wa yi bambha le ntombhi ebu mu nyameni wayi sondeza ku yena wa yi qabula, wa ze wa mu thola u dade wabo ngemuva kwe mi nyaka emi ningi kangaka, naye u dade wabo wa manga umfowabo.

Wathi, se uya ngi qabula manje, kanti khona manje kade u ngi genca izi nwele zami nga lesi si zenze esi khulu kwa sala kancane ungangi genci na manje na nje, ngi sa bezwa be lwa. Hawu u ne nhlanhla mfo wethu, u ne nhlanhla impela; aku ngabe ku saba bikho obulawayo, ngoba si pindile sa bonana. Aba kwa Vilakazi sebe hluliwe. Kube kuhle be hlulwe ngoba nabo ba ba bulala kanje engangi hlala nabo ku qala. Kodwa bebe ngi pethe kahle, aba nge ndisanga nge nkani, ba ngi vikela naku Dingane, se ngathi unga sale se u ba yeka pela mfowethu.

Wase uya memeza ke u Mhlopekazi ethi, aba yeke uku bulala, wa thuma izi thunywa ukuba zi gijime zi sheshe zi ba tshele loko ukuthi, U thi u Mbulali, lowo oyo pakamisa isandhla abulale abantu ba kwa Vilakazi nga pandhle kwa laba asebe bulewe, ku yo bulawa yena, nembhala ba ulalela lowo mthetho, amukho owa pinde wa bulawa. Ba ba yeka ba baleka, kwa sala aba fazi na bantwana aba be hlaliselwe uku thunjwa. Ba baleka baze ba fika kude nga lobo bu suku. Aba buyange ba hlangane ukuba ba be yi sizwe, ngoba ba be saba u Galazi i Mpisi owaye zoba yi nkosi yabo, ba hlakazeka izwe lonke, ba khonza kwa be zizwe.

E se dhlile asutha ama butho, edhla obe ku bekwe aba kwa Vilakazi, izi nhloli za thunywa ukuba zi yo kwe qela izinkomo zi hlole aba ngase ba zume, u Mhlopekazi wa khuluma isi khathi eside no Nada, u Nozimbhali, wamu thatha, wa buyela naye eceleni, wa mu tshela konke uku pila kwa khe. Naye u Nada wa mutshela indaba nawe baba oyaziyo, uku hlala kwakhe nabantu kazana ababe khonze kwa Vilakazi, yena no nina u Makhoba, no ku babazeka ko buhle bakhe pakathi kwe zwe. Wa mu tshela no kuthi, aba kwa Vilakazi ba ya mu banga, nokuthi baze ba gcina ngo ku muthatha nge mpi, babulala abantu ba lowo muzi ba bulala no nina. E muva kwa loko wa se ehlala kwa ba kwa Vilakazi aba mu qambha igama elisha, bathi u Nozimbhali, ba mu patha kahle, be mu hlonipa ngenxa yo bu hle bakhe, be nga mendisi nge nkani.

A wendi ngani nje wena dade wethu, Nada na? ku buza u Mhlopekazi, nje ngoba sesi ku shiye kude nje isi khathi so mendo na.

Wathi angazi, esho ebheka pansi, angi nayo leyo nhliziyo. Ngi funa uku yekwa nje, ngi zi hlalele.

U Mhlopekazi wathi uku cabanga ka ncane wase ethi, U yazi nje Nada ukuthi ngi yenze leni lempi na, nokuthi ku ngani aba kwa Vilakazi ba file ba chithwa ne zi nkomo zabo zi dhliwe yi zi khali zami na? Ngi zoku tshela. Ngi ze u ku zo thatha wena, ngi ku zwe nge ndaba ukuthi, uyi ntombhi engu Nozimbhali enhle ku nazo zonke, ngize uku zo ku ku thatha ukuba uyoba yinkosikazi ka Dingane. Isi zathu enge nze ngaso le mpi, esokuba ngi thole wena ngi yo xolisa ngawe ku Dingane, sengi kwe nzile ke ngaze nga fika eku peleni.

Wathi ukuba ezwe la mazwi u Nada, u Nozimbhali wa qhaqhazela wa khala, wa hlala pansi wa bambhelela ema dolweni ka Mhlopekazi wa mu ncenga. Hawu unga yenzi lento embhi ngami, ngi u dadewenu, oku ngcono thatha le mbhazokazi enkulu u ngi qede, uqede bonke lobu buhle ose bu ba nge usizi olungaka, nge nxa yami. Se nga thi ngi ngabe angi li gudhluzanga

i khanda lami emuva kwe hawu, sengathi ngabe ngi liyekile nje isi zenze sa li genca. Nami be ngi bhince nje nge ndoda nge nzela ukuba ngi fe uku fa kwe ndoda. Ha! yisi qalekiso so bu thakathaka bobu fazi bami lesi esi nge puce uku fa, sa ngi nika i hlazo.

Wa mu ncenga ka njaloke u Mhlopekazi nge zwi eli munandi eli khulumela pansi, u Mhlopekazi angena kuye lawo ma gama, kanti yena ngokwakhe waye nga ku qondile ukuba u Nada amu nike u Dingane nje ngo Baleka owa nikwa u Shaka, ngoba mhlaumbhe nakuye u Nada kwa kuyo gcina ngokuba ku be nje nga ku Baleka ku Shaka.

Baningi o Nada, ku sho u Mhlopekazi, aba ngeze baku bona ukuthi, ku yi si sila ukuba babe ama khosikazi e nkosi enkulu ku na manye.
Wathi u Nada, mina angi siye okanye naba njalo, cha, mina ngi yo ku fa ku qala, ngi zi bulale uma ku fanele.

Manje wa mangala u Mhlopekazi uku thi yini eyenza u Nada acabange ka nje ngo kwenda, kodwa aba nge esa yi patha leyo ndaba, wase egcina ngo kuthi, Ngi tshele ke Nada ukuthi ngi nga zi khulula ka njani ku lomthwalo. Ngi zo buyela ku Dingane nje ngo ku thembhisa kwami u baba u Mbope, ngi fike ngi thini ke ku Dingane uma engi buza ukuthi, lo Nozimbhali enga hambha ngi yo mufunela yena amu thanda ka ngaka upi na? Ngi yo thini ke mina ukuze ngi sinde olakeni luka Dingane na?

Wathi lapo u Nada ese cabangile wathi, U bo fike umtshele mfowethu ukuthi u Nozimbhali ngenxa yokuba ube bhince nje nge butho lempi, wa fa nge ngozi e mpini. U ya bona pela amukho kwaba kini owaziyo ukuthi seu ngi tholile, ba libele uku cabanga nge zinye izinto ku ne zintombhi ngalesi si khathi so ku nqoba kwabo. Yi lelo ke isu lami, sizo funa ke, ngoba ku khanyise izi nkanyezi, size sisi thole isi dumbhu se ntombhi enhle efileyo, ngoba ku fanele babe khona aba bulewe nga ma puthu empi, leso si dumbhu esi yosi

thola, si yo si bhincisa umutsha we nsizwa ye mpi, bese si beka eceleni kwaso, isi dumbhu so munye wa ba kithi. Ngo muso lapo ku sa, bese uthatha izi nduna zama butho akho, isi dumbhu se ntombhi siyobe sesi bekwe ethunzini lo mu pandu bese uyazi khombhisa isi dumbhu masinyane, uzi tshele ukuthi, yiso isi dumbhu sika Nozimbhali lesi si bulewe omunye wa bantu bakho, nawe wa mubulala, umu thukuthelele ngoba ebulele intombhi. Nge ke ba yi bukisisa ka khulu, uma ngo ku nga yi bukisisi bacabange ukuthi yimbhi, bayo kuthi yimbhi ngoba se yi file. Indaba ke oyo fike uyi tshele u Dingane, izo kwa khiwa iqine, uyo kholwa u Dingane ukuthi iyi qiniso,

Wabuza u Mhlopekazi wathi. Kuyo kwenzeka ka njani ke loku Nada uma abantu be ku bona upakathi kwa ba thunjiwe, baku bone ngo buhle bakho na? Ba bili yini o Nozimbhali ezweni na?

Ngeke nga ziwe Mhlopekazi, ngoba angi yu ku bonwa muntu. Kuzoba ku hle u ngi khulule ku sihlwa nje ngi suke lapa ngi bhince nje nge nsizwa, ngembhathe ingubo, uma ngi hlangana no muntu uyo ngi bona ngani ukuthi ngi u Nozimbhali na?

"U zo hambha ushone pi Nada na? seu ya ko kufa yini. Sizothi si bonene nge muva kwe minyaka eminingi ka ngaka bese se hlukana okoku pela na?"

Konje uthe uhlalapi mfowethu na? Ngi hlala pansi kwe thunzi le Ntaba ye miKhovu, umuntu oli bona ngo kuma kwalo itshe ngoba lifana ne salukazi esa penduka itshe, aku njalo na? Ngi tshela ke indhlela eya khona.

Na nge mpela u Mhlopekazi wamu yalela indhlela, wa lalela kahle u Nada. Wathi kulungile. Ngi qinile futhi ngi ne jubane, mhlaumbhe ngi nga wa thola amandhla oku fika khona, uma ngi ngaze ngi fike ethunzini laleyo ntaba, ubo ngi funela indhlu ngi cashe khona, pela mfowethu Mhlopekazi.

Impela ngi yo ku kwenza lokho dadewethu, kodwa indhlela yinde, futhi izi ngozi zi ningi ku muntu oyi ntombhazana e hambha yedwa, enge nakho ukudhla ne ndawo yo ku lala, esa sho njalo u Mhlopekazi wa khumbhula u Zinita umka khe, ngoba wa bona ukuthi noma u Nada engu dade wabo nje, ngeke athandwe u Zinita.

Noma ku njalo, ku ya funeka ku hanjwe nge sibindi khona ezi ngozini ku pendula u Nada emamatheka. Po lokhu ayi kho enye indhlela.

U Mhlopekazi wase ebiza u Galazi i Mpisi, wa mu xoxela yonke indaba, ngoba uyena yedwa u Galazi owa ye me thembhile. Ya lalela i Mpisi i thule ithe nya, ima ngaliswa ubuhle buka Nada eyayi bu bona ngo ku khanya kwe zi nkanyezi. Wathi lapo ese tshelwe konke wathi, aku mangalisi ukuba aba kwa Vilakazi ba delele u Dingane baze bazi bangele ukuba ba fe nge nxa yale ntombhi.

Kodwa ke nokho ngo ku fushane, u Galazi wa yi bona ukuthi yimbhi le ndaba, ngoba wa bona yena ukuthii zo banga ukuba ku fe abaningi wathi, ni mu bona e pambhi kwethu nje, yi nkanyezi yo Kufa, esho e khombha u Nozimbhali.

U ma ezwa la mazwi u Nada wa qhaqhazela ngoba aye hlola umhlola, u Mbulali wa thukuthela. Kodwa u Galazi wa gcina khona lapo. Wathi ngi khuluma oku bonwa yi nhliziyo yami.

Ba sukuma bayo funa ezi dunjini intombhazana leyo abase be khulume ngayo, ba sheshe bayi thola intombhi enhle, ende, ya thwalwa u Galazi, wa yi singatha wa yo yi beka e mu pandwini omkhulu. Emhumeni kwa ku aba file bodwa, be u caca yonke indawo be lele be ngase na ku vuka se be babi uba buka ngoku ba khanyisa nge si hlonti so mlilo.

"Ba lele bathe nya," ku sho u Nozimbhali eba buka ku mu nandi uku pumula."

Nathi si zo shesha si ku thole uku pumula mntanethu, ku sho u Galazi, wa pinda futhi u Nada wa qhaqhazela.

Ba the lapo se be mu bhincise eze butho le mpi u Nada, babeka i hawu no mu khonto eceleni kwa khe, isi dumbhu se ntombhi efile basi beka pansi ethunzini lo mu pandu, base beyo funa isi dumbhu se nsiwa yase Mbhazweni, basi beka eceleni kwe se ntombhi. Ba hambha ba puma ku lowo mu pandu, ba shaya se ngathi kade be yo buka izi nhloli, o Mhlopekazi no Galazi ba hambha kuzo zonke izi ndawana be landelwa u Nozimbhali enje nge nhloli, ubuso ba khe ebu fihle nge hawu, epethe umkhonto, ethwele umgodhla wa mabele no mu qwayiba.

Ba dhlula baze ba fika embotsheni ese celeni kwe ntaba. Ama tshe okwa ku kade ku valwe ngawo imbhobo, ese susiwe ukuba ku pume aba kwa Vilakazi ba baleke, labo aba be sinde eku bulaweni ngo ku ncengelwa u Nada, kodwa ba be khona ababe linde nga pandhle emgodini, be bheke ukuba ku ngabi bikho obuyayo.

U Mhlopekazi wa fike wathi ku labo balindi "U yi li pi!" ba mu khulekela, wa ba bona ukuthi sebe khathele uku lwa, badhlula abaze ba kwazi aba ku bonayo na ba ku khulumayo. Ba dhlula ke o Mhlopekazi no Galazi no Nada ba pumela ethafeni nga pesheya.

Lapo ba fike ba valelisana khona o Mhlopekazi no Nozimbhali, u Galazi e bukela, u Mhlopekazi wa jablıa lapo ese buya, wa mubuka u Nozimbhali empeza ethafeni nje nge nkonjane.

Wathi u Mhlopekazi, anga zi ke uku thi siyo pinde si hlangane nini.

Se ngathi ni nge pinde ni hlangane ku sho u Galazi ngoba ngi qinisile ukuthi, uma upinda uhlangane nalo dade wenu, ku yo ku fa abantu abaningi nge nxa yo

buhle ba khe, aba nga pezu kwa laba ase be file. U yi Nkanyezi yo Kufa ethi, uma i shona izulu libe bomvu.

U Mhlopekazi apendulanga, wa hambha ka ncane nje, engena embhotsheni eceleni kwe ntaba.

Induna ye zinhloli ya buza yathi, Kwe nzeka ka njani Nkosi na? Ku pume abantu aba thathu manje, ba buya sebe ba bili ku pela.

Wathi u Mhlopekazi, "Sipukupuku! U dakwe u tshwala ba kwa Vilakazi yini, noma u pethwe ubu thongo au boni na? Ba bili aba pumile, ba bili aba buyileyo. Ebe si hambha naye ngi mu thume emuva lapo si ngenise khona." "Ku lungile!"

## ISAHLUKO XXVII

### U KU CINYWA KO MLILO

Nga ku sasa, impi ya vuka seku pelile uku khathala nge muva ko kuba sebe dhlile, u Mhlopekazi wayi viva nga ma.butho. Kwa funyaniseka ukuthi, aba seleyo ba cishu kuba yi nxenye yabo, elayi zolo ilanga, ba li buke ba li gcina oko ku pela. U Mbulali wa ba hlanganisa ndawonye wa ba bonga ngomu sebenzi aba wenzile, na ngo ku thola u dumo ne zi nkomo. Ba jabula ababe be sa cabanga ka khulu nga ba file, ba bonga u Mhlopekazi no Galazi ka khulu nge ngoma. U ma seku pelile uku hlabelela u Mhlopekazi wa khuluma futhi wathi, kwe hlulwe enkulu impi, ne zi nkomo ezi dhliweyo zi ningi ngo ku nge naku balwa. Kodwa ku khona oku seleyo, obe ku funeka ku yo kwe thulwa ngako ku Dingane akukho oku ngu yena le mpi epume nge nxa ya khe. U pi manje u Nozimbhali na? U be khona lapa izolo ebhince umu tsha nje nge ndoda, e pethe i hawu wathi, naye le ndaba uyi zwe nga ba dhliwe empini. Po manje seu shonepi na?

Alandela onke ama butho athi amu bonanga. Kwa thi lapo seku pelile uku khuluma, u Galazi wa posa izwi, ngoba base be ku lungisile loko be no Mhlopekazi.

Wathi, bathe lapo be vimbhezela u mpandu, wa bona umuntu esu kela ibutho eyoli bulala. U the ukuba afike ku lona ese zo li bulala, la lahla pansi i hawu la khala la zi ncengela, u Galazi wa bona uku thi aku silo iqhawe lempi ya kwa Vilakazi leli, kanti yi ntombhi enhle ka khulu. Wase uyamu memeza lo muntu wathi, ayi yeke anga ye nzi lutho, ngoba kwa ku khona umthetho wo kuthi, owe si fazane anga bulawa. Kodwa leli butho nge nxa yokuba se li ngenwe yi qungo le mpi lathi, noma eyi ntombhi noma eyi ndoda ma ka fe, wa yi bulala njalo. Nga lokho ke yena—Galazi kwa mu thukuthelisa loko, wa li sukela leli butho, wa fike wali galela ngo Mlindi wa li bulala nalo futhi, wa zi landulela wathi, yena ako nanga ngo kwe nza njalo.

Wenze kahle impela mfowethu ku sho u Mhlopekazi. A ku ze abanye si yo funa le ntombhi efile. Mhlaumbhe uye u Nozimbhali, uma ku uye, umnyama wethu lowo, ngoba angazi ukuthi siyo fike si thini ku Dingane.

Za hambha ke izi nduna no Mhlopekazi no Galazi, zaze za fika lapo kwa ku bekwe khona isi dumbhu sentombhi, eceleni kwaso ku bekwe eso muntu wa base Mbhazweni.

Ku nje ngo ku sho kwayo impisi mfowethu, ku sho u Mhlopekazi, eshaluzisa isi hlonti somlilo pezu kwe zi dumbhu ezi mbhili. Na nge mpela na ngu okuthiwa u Nozimbhali, ebe size uku zo mu funa, eceleni kwakhe ku khona lesi silima esi mu buleleyo, naso sa bulawa u Mlindi. Ba sobala nje, baya bonakala. Yimbhi indaba e ngi yo fika nayo emzini ka Dingane. Po, lokhu ose kwenzakele kwe nzakele, aku sekho ukwenza ngo kunye. Le ntombhi ebi yinhle ku nazo zonke abusekho manje u buhle bayo. Asi hambhe!" Wa buye wa penduka futhi wathi:

Bopani le ntombhi efile nge si khumbha se nkabi, niyi thele u sawothi, ni yi lethe si hambhe nayo. Nembhala ba kwenza.

Izi nduna zathi. Ne mpela ku njalo baba, aku sekho ukwe nza ngo kunye, u Dingane umu lahlekele umakoti wa khe. Za sho njalo zonke izinduna, kwa sala leyo ye zi nhloli, o Mhlopekazi no Galazi no munye, aba dhlula ku yona uma sebe ngena e mbhotsheni. Lo muntu ashongo lutho kodwa noko sasi kwazi aku cabangayo. Ngo ba yena ngo kwa khe wa ye thi uba bone ba ba ba thathu be puma embotsheni be nge ba bili, futhi ecabanga ukuthi isi puku esa se mbhethwe yilo muntu we si thathu, wathi lapo edhlula kuye, se mbhuleka kwa vela umzimbha wo muntu wesi fazane omuhle nge nhla kwo mzimbha kwa vela iso lo wesi fazane eli khulu eli mnyama nje nge le nyamazane.

No kuthi futhi u Mbulali aba bizanga aba dhliwe yimpi ukuba ba zomu bona ukuthi na nge mpela yiso yini isi dumbhu sika Nozimbhali na no kuthi esi dunjini sa khe wa fika wa shaluzisa isi khuni, kanti isandhla sakhe asi nalo idumbhe. Konke loku induna ayi ku kholwanga, yaku khumbhula konke.

Kwa se kuthi ke endhleleni se ku buyelwa ema khaya baba, u Mhlopekazi wa yi thethisa, ngoba ya yi funa ukwe puca omunye impahla ya khe owaye yi pange kwa Vilakazi. Wa yi khulumisa ka lu khuni, waze wayi khipa nase bu duneni wabeka omunye ukuba abe pansi kwakhe. Futhi waye puca izi nkomo wa zi nika lowo eya yi funa uku mu panga.

Nge muva kwaloko, kwathi ingani lomuntu wa hlulelwe kahle wa loku ecabanga njalo ngo muntu we sithathu owa puma embhotsheni yomu pandu, akabe esa buya, owa bukeka sengathi u yi simo sowe si fazane omuhle, ona mehlo akhanya sengathi awo muntu we sifazane.

Nga lelo langa ke, u Mhlopekazi wa qala uku bambha indhlela eya emu zini wase Mgungundhlovu, lapo ku hlala khona u Dingane. Kodwa enga ka bheki ngase khaya wa buza ku Galazi pambhi kwa ma butho ukuthi uyo buya naye yini, noma uthanda uku sala abe yi

nkosi ya kwa Vilakazi nje ngoba uyena ofanele ngo ku zalwa na nge mpi. IMpisi lapo ya hleka ya pendula ngokuthi, yona ibi zozi pindisela, ibi nge zile uku zofuna isi khundhla so bu khosi, yathi futhi, noma ibi funa leso si khundhla, sebe yi ngcosana abantu ba kwa Vilakazi aba seleyo. Yabuye yathi futhi i Mpisi; si khule sinje nge mithi enje nga ma wele, si nga ba zalwane be gazi, sa khula ndawonye kwaze kwa hlangana izi mpande zethu nokuthi, uma omunye umuthi ungase u mbhiwe uyo tsha lwa emu hlabathini wama Swazi, le mithi inga suke ibune yomi bili, noma ku bune yena u Galazi othanda, muntu mu nye ku pela, kanye ne zinye izi mpisi.

Wa thula u Mhlopekazi akabe esa yi patha indaba yobu khosi, wa hambha ne zi nkomo ezi ningi ezi yisi piwo sika Dingane nesi xuku saba pangwe empini, izi ntombhi na ba ntwana, ngoba waye funa uku yo xolisa inhliziyo ka Dingane, ngoba enga mutholanga lowa aye mu funa—u Nozimbhali, imbhali yezi mbhali. Kodwa nge nxa yo kuba waye hlakanipile ene nkolo encane ukuthi, ama khosi anomusa wathi, ukuba u Mhlopekazi angene kwe la kwa Zulu, wa khetha izi nkomo ezinhle nezi ntombhi ezinhle, na bantwana, konke loko kwa thunyelwa emi zini ya bantu base Mbhazweni, ngase Ntabeni yemi Khovu. Leyo nduna eyase i khishiwe ebu .duneni, yaba nje ngabantu bonke, ya kubona konke lokho kwe nziwa.

Kwathi nge linye ilanga eku seni, mina Mbope ngi hlezi emuzini wase Mgungundhlovu ne Nkosi u Dingane Ngoba ngangi sa loko ngi nayo njalo i Nkosi, ya yi nga ka khulumi lizwi elibi noma eli hle kimi seloku kwa yizolo, lapo ngangi mu tshele khona ukuthi, igazi labelungu aba khohlisile liyoba ukufa kwa khe. Ngo kuba baba, kwa ku yi nga ku sasa, ama Bhunu ebulewe nga yizolo, mhla u Mhlopekazi efika emzini wase Mgungundhlovu epuma empini.

Inhliziyo ka Dingane yayi m'nyama ethanda uku yi duduza, wase ekhumbhula u mlungu othandazayo owa fika efuna uku fundisa thina ma Zulu uku khonza abanye

o Tixo, ngap andhle ko ku khonza umkhonto ne Nkosi. Lo mlungu wa ye lungile, kodwa imfundiso yakhe yayi nge nayo inhlanhla, ngoba sasi nga yi qondi, nga pezu kwa loko izi nduna za zi nga yi thandi, ngoba yayi fundisa ukuthi, ku khona enye inkosi enga pezu kwe khona, futhi ifundisa uku thula ku bantu aba pila nge zimpi. U Dingane wa mthumela ukuba abizwe lo mlungu, u kuba eze azo pikisana naye, ngoba yena u Dingane wa ye cabanga ukuthi uyena ohlakanipe kunabo bonke abantu.

Wa fika ke u mlungu, kodwa ubuso bakhe se bu papathekile nge nxa ye nto ayi bone ye nziwa ema Bhunwini, ngoba waye umlungu othobekileyo enga thandi ukubona izinto ezi nje nga lezo.

I nkosi yathi ma ka hlale pansi, ya khuluma naye yathi. Nge linye ilanga wena mlungu wa ngi tshela nge ndawo yom'lilo, lapo ku ya khona aba fileyo, aba kade benza okubi be sa pila. Ake ungi tshele ke wena ngo kwazi kwakho ukuthi, obaba ba kuyo yini leyo ndawo na.

Ya thi inyanga yomu thandazo, ngi nga kwazi kanjani loko Nkosi na? Angi kwazi ukwe hlulela abantu nge zenzo zabo. E ngi ku shoyo yi loku ukuthi, aba bulalayo, ba pange, ba hlupe aba nge na sono, ba ba qambhele amanga, ba yo kuya ku leyo ndawo yo mu lilo.

Ku sobala ukuthi obaba ba zenza zonke lezo zinto, uma be ku leyo ndawo, nami ngi yo kuya kuyo, ngoba ngi yazi ukuthi ngi yo gcina ngokuba ngi be kanye nabo. Kodwa ngi ye thembha ukuthi, ngi yo ku yi thola indhlela yo ku sinda ku lowo mulilo uma se ngi fike khona.

"Ka njani Nkosi na?"

Nga leso si khathi ke u Dingane wayese eye nzele icebo inyanga yo mu thandazo, wa ese nqwabele inqwaba ye zi nkuni, pakathi ne bala lapo aye bulalele khona ama Bhunu, kwa ku ama hlahla nga pansi, nga pezu

kwawo, kwa nqwa tshelwa izi nqodo, kwe lekwa ngi sho ne mithi emi khulu. Mhlaumbhe baba leyo nqwaba ye zi nkuni, ya yi ngaba yizi nqola ezi ama shumi ayi sithupa ezi gcweleyo.

Wathi u Dingane ku lo mu thandazi, "U yozi bonela nga mehlo akho ke Mlungu," wa tshela abantu ukuba inqwaba ye zi nkuni bayo khele ngo mlilo yonke indawo wa se ubiza lelo butho lama bhungu, elali sele ekhaya. Mhlaumbhe kwa ku yi nkulungwane ne nxenye, be nga dhluli kuloko--bona ababe bulele ama Bhunu.

Wa qala umlilo uku vutha ka khulu la ngena ke i butho lafika lema nge zi gaba zalo, kwathi lapo sebe pelele bonke umlilo wase uvutha yonke indawo, kwathi ingani si hlezi kude nawo, sasi li thola ikhoza lawo uma ku penduka u moya.

Ku njani ke manje Nyanga yoMthandazo, leyo ndawo yakho oyi shoyo iya shisa ku na lo mulilo na?

Wathi u Mthandazi, angazi kodwa khona kuya shisa impela.

Ngi zo ku khombhisa ke ukuthi ngi yo puma ka njani ku yo uma ngi fika khona. Ngi sho noma iyobe inkulu ngo ku pindwe ka shumi ku na le. Wathi, ema buthweni akhe. Minani! bantwana bami! esho e sukuma Ni yaubona lowa mulilo. Gijimani kakhulu ni fike ni wu gxobe ni wu cime nge zi nyawo. Kuze ku be ama lahle no m'lotha.

U mlungu wa pakamisa izandhla encenga u Dingane ukuba anga yenzi into enjalo, ngo kuba kuzokufa abantu abaningi, inkosi yathi maka thule. U mlungu wa bhekisa amehlo ezulwini wa thandaza ema dhlozini akhe. Ama butho aqala abukana engabaza ngoba umlilo wau vutha ingomane, ku loku kusuka ama langabi enqamukela pezulu, seku shisa umoya yonke indawo, ya memeza induna yathi. Ani yi zwa yini i Nkosi enkulu ka ngaka ini dumisa na. Izolo si bulele ama Bhunu be ku nge siyo into enkulu, ngoba abe

nga hlomile. Naso ke isi tha senu si ni lingene. Wo zani bantwana bami, asi geze emlilweni—yi thina esi na mandhla ku nomlilo. Yi nkulu le Nkosi esi nika lolu dumo!

Ya sho njalo qede ya gijima ya qonda pambhili, i khuza isaga ya landelwa ama butho, bezi posa emlilweni izi nhla nge zinhla. Kwa ku abantu aba ne sibindi i mpela, be qonda kahle ukuthi, lo mlilo onga pambhi kwabo, ukufa, nalowo osala nge muva usalela ukuba afe, ku ngcono uku fa ngo dumo ku no kufa nge hlazo. Ba ngena njalo sengathi bezwa ubumu nandi be mpi, induna yabo iba hola pambhili, be ngena be hlabelela ingoma ye mpi ya ma Zulu. Ya sondela induna lapo umlilo u duma khona, sayi bona i pakamisa ihawu ivika uku shisa, ya nyamalala yayi suke ya gxumela pakathi ema langabini kwa ba yisi gcino sayo njalo. Ya landelwa yisi gaba so ku qala. E sangena si shaya umlilo ngama hawu aso ezi khumbha zezi nkabi, ewu gxoba nge zi nyawo ezi nga fakwe zi cathulo, be dilizela pansi izi ngodo ezi vuthayo, be zi chilizela ema celeni. Amukho noma munye baba, owa sinda ku leso sigaba, ba khithikela pansi nje nge zi vemvane ezi ndizela esi banini, bafele lapo be wele khona. Ba landelwa ezi nye izi gaba, kwaba ngcono ku labo aba gcina uku ngena. Manjena ke kwa ba khona enkulu intuthu, ya hlangana ne langabi, ilangabi laya ngoku ncipa njalo kwa se kuba ku ningi intuthu, nga le ko mlilo kwa puma abantu asebe munyama, be nga se nazo izi nwele benga sa bhince lutho, be na ma bhamuza, sebe mhlope be fuswe umlilo, be hambha bewa yonke indawo. Ba landelwa esinye isi gaba enga sekho ama langabi, seku yintuthu yodwa, ba bonakale be hambha pakathi be yizi thunzi, kwase ku shesha ku ya pela ke baba, ba wehlula umlilo, izi gaba zoku gcina ezi yisi khombhisa azi shanga ka khulu, umlilo wona bawu nyathela bonke.

Aba fayo angi bazi ukuthi ba ngaki, aba lwanga, kodwa kulo lonke lelo butho kwa sala inxenye yalo kupela, i Nkosi yaze ya li gcwalisa nga banye.

"U ya bona ke Nyanga yo Mthandazo," ku sho u Dingane ehleka, ngi yo sinda ka njalo ke emlilweni wa ku lelo zwe okhuluma ngawo, uma ku yi qiniso ukuthi ukhona, ngi yo khipa impi yami iwu gxobe i wu chishe.

U Mthandazi wa hambha wathi, a sewuku pinda afundise ama Zulu, nge muva kwa loko wa muka ku lelo zwe.

E se hambhile, umlotha na ma lahle na bantu aba file kwa shanelwa, aba yizi nkubele be lashwa, aba she ka khulu ba qedelwe, aba be she ka ncane be za enkosini ba zo yi bonga.

Bant'abami, niza u funelwa ama hawu ama sha ne zi dhlodhlo, ku sho u Dingane, ngoba ama hawu ase munyama ase shwabene, ku lelo butho ba yi ngcosana aba puma nezi nwele ema khanda kanye ne zi dhlodhlo.

"U wewu! Loku oku shiwo abelungu ukuthi izi levu zi ya pucwa, zi nga puceka kahle na ka lula ku lo mlilo ku sho u Dingane ebuka amabutho aseleyo.

Wase ebiza u tshwala ukuba ba puziswe ngoba, se bo miswe uku shisa.

Noma unge zu ku kholwa baba, ngi ku tshela le ndaba ngoba ikanye ne ndaba engi yi xoxayo, ngoba kwa lhi konke loko ku nga ka peli, kwa fika izi gijimi zathi u Mbulali oyi Nkosi ya base Mbhazweni kanye ne mpi yakhe sebe fikile, ba nga pandhle ko muzi, ba fika ne mpango e ningi abayi dhle uma be bulala aba kwa Vilakazi ezweni lama Swazi. Kwathi u kuba ngi zwe lawa mazwi inhliziyo yami ya gxuma ye nziwa uku jabula, ngoba ngase nge nqenekile ka khulu ngaye u mntanami. No Dingane wa jabula kakhulu wa gxuma waze wa sukuma, wa sina eya le, na le ejabula nje ngo mntwana.

Wathi, saze sa ku thola okuhle eku gcineni, wa khohlwa masinyane uku gxoba umlilo. Namuhla amehlo ami azo buka leya mbhali, isandhla sami ekade sasi funa uku yikha.

Mu ngeniseni u Mbulali nabantu ba khe sheshani.

Kwa qale kwa thula kwathi nya; kwase ku ye zwakala kude nga pandhle ko thango olude lwa leyo ndawo enkulu, u msindo wo ku hlabelela; ema sangweni o muzi, kwa ngena nge jubane ama doda ama bili ama khulu, efake izi dhlodhlo ezi munyama ema khanda, epethe ama hawu am'nyama nge zandhla zoku nxele, nge zo ku dhla omunye epethe i mbhazo, omunye epethe iwisa; ema hlombhe be bopelezele izi khumbha zezi mpisi be gijimela pansi be linganisene, be qhube ama hawu pambhili kanye na ma khanda, nje nge nyamazane ixoshwa yi zinja, uku gijima oku njalo aku zange kubonwe emuzini wase Mgungundhlovu oku fana noku gijima kwa ba zalwane bezi mpisi. Ba fika bema pakathi ne bala, bema qede kwa thunquka uthuli lwo mlotha wo m'lilo owa wu su cimile, lusuka ezi nya weni zabo lwaba yi fu eli ncane.

"Wo bandhla! ake ni bheke laba a beza pambhi kwami be hlomile!" ku sho u Dingane enyukubala, owenza nje uya bulawa. Ngi tsheleni, ubani lowaya muntu omkhulu owe sabekayo opakamise imbhazo na? U ma be ngi nga kwazi ukuthi iZulu eli M'nyama se lafa, be ngi zothi yi lona, elali u mfowethu lali nje ya, nge si khathi se mpi ya kwa Zwide, ne khanda lalo, lali mi ka nje ya pezu kwa ma hlombhe alo, futhi lali nga qalazi, lenza nje nge bhubesi.

Nga pendula ngathi, Ngi ya bona ukuthi u Mbulali isi Khulu sabase Mbhazweni Nkosi.

Po ubani lowaya ahambha naye na? Naye futhi mkhulu angi zange ngi ba bone abantu aba nje nga laba ababili.

Ngi cabanga ukuthi u Galazi iMpisi ongu mfowabo ka Mbulali we gazi, futhi uyi nduna yakhe ye Mpi.

E muva kwabo ke, kwase ku ngena ama butho abase Mbhazweni, be hlome izi ndukwana ezi mfushane ku pela, be hambha nga bane, bonke be bhekise ama khanda pansi, be pethe ama hawu amunyama, be wa

qhubele pambhili, ba fike ba zi viva izi gaba nge muva kwa ba zalwane be zi mpisi, baze ba pelela bonke. E muva kwabo kwa landela isi xuku saba thunjwa ba kwa Vilakazi be qhutshwa, aba fazi naba fana nezi ntombhi be ba ningi—be ma nge muva kwe zi cheme be buthene ndawonye nje nga mankonyana e thukile.

Ama doda ane si bindi impela, ku sho u Dingane, uma e buka ama qhawe ane zi dhlodhlo ezi mnyama na mahawu amnyama. Angi nawo ama butho angcono ku na lawa kwe yami impi, kodwa amehlo ami aya qala ukubona aba nje, wa pinda futhi wanyukubala.

Masinyane u Mhlopekazi wa pakamisa imbhazo yakhe wa gijima wa qonda pambhili nge likhulu ijubane, emuva kwa khe kwa duma izi gaba zi mu landela, ba gijima ba ya pambhili, izi dhlodhlo zabo zaze za ntata emoyeni, kwaze kwaba se ngathi bazo khwela pezu kwethu. Wa thi lapo esese duze ne Nkosi, se ku sele ama nyathelo ayi shumi wa pakamisa u Mkhalisi wa Bantu futhi, no Galazi wa pakamisa u Mlindi wama Zibuko, impi engase muva kwabo yema khona lapo, kwa suka u thuli lwa bheha pezulu nje nge fu, bema be u hla olu de be qhubele pambhili ama hawu, ama khanda be wa bhekise pansi, amukho noma munye owaye lipakamisile ikhanda. Bathi ukuma isi khashana wa pinda futhi u Mhlopekazi okwe sithathu wa pakamisa u Mkhalisi wa Bantu, nge si khashana nje bathi thwi! bonke, ba sho kanye kanye bathi, "Bayede!" basho kwa duma yonke indawo.

"Kuhle impela," kusho u Dingane, lama butho a fundiswe ka hle, kodwa azange ange nzele lutho, ne Zulu eli Mnyama ku sa busa lona, lo Mbulali yi nduna ye mpi uqobo lwayo. Wa ba biza wathi, ake nize lapa no babili.

Nembhala aba zalwane be zi Mpisi baya ba fika be ma pambhi kwe Nkosi kwaze kwaba yisi khathi bemi pambhi ku ka Dingane be bukana.

## ISAHLUKO XXVIII

### U ku Lethwa kwe Mbhali ku Dingane

Ni ngo bani ama gama enu na?

Si ngo Mbulali no Galazi i Mpisi Nkosi, ku pendula u Mhlopekazi.

U wena yini owa thuma isithunywa e Zulwini eli Mnyama eli nga sekho Mbulali na?

Yebo Nkosi, yimina enga thuma isi thunywa, kodwa sengi zwile ukuthi, u Masilo enga ngi muthumile, wafika we qisa kwe ngangi muthume kona, ngoba wa gwaza iZulu eli Mnyama. U Masilo wa ye ne nhliziyo embhi.

U Dingane we thuka ngoba wabe azi kahle yena ukuthi, i Zulu eli Mnyama la gwazwa uyena eno Mbope wa cabanga ukuthi lesi si khulu esi puma kwe linye izwe, asi kayizwa leyo ndaba, wase uyayi yeka leyo ndaba ye si thunywa.

Ni kwenze ka njani ukuba nize pambhi kwami ni hlomile na? Ani wazi yini umthetho ukuthi oza pambhi kwe Nkosi uya bulawa na?

Asi ka wuzwa lowo mthetho Nkosi, kusho u Mhlopekazi. Nga pandhle kwa loko nansi indaba ekhona. U mthetho wa le Mbhazo engi yi pathayo, ukuba ngi buse ngedwa. Uma ngi ngase ngi bonwe ngi nga yi pethe isi khundhla sami si nga thathwa noma u bani othandayo, ngo kuba imbhazo iyi Nkosi kazi ya Bantu be Mbhazo lowo oyi pathayo uyi si khonzi sayo.

"Umthetho oyi nqaba ke lowo" ku sho u Dingane, ake yi dhlule ke leyo. Wena ke Mpisi uthini nga lelo wisa lakho eli khulu na?

Nge ndaba ye wisa ku nje Nkosi, ku pendula u Galazi "I wisa li amandhla oku vikela uku pila kwami. U ma ngi nga bonwa ngi nga li pethe, ngi nga bulawa noma ngu bani othandayo, ngoba iwisa li u Mgcini wami, akumina u Mgcini we wisa.

Au zange ubese ngozini yoku lahlekelwa yi wisa no 'ku pila kwakho, kusho u Dingane ese thukuthele.

Mhlaumbhe ku njalo Nkosi, ku pendula i Mpisi. U ma sesi fikile leso si khathi, ngo ku sobala u Mlindi uyo ku yeka uku linda.

Ni abantu aba yisi mangaliso, ku sho u Dingane. Ni pumapi manje na, futhi ni zo kwenzani lapa esi Godhlweni se Ndhlovu na?

Si puma ezweni eli kude Nkosi, ku pendula u Mhlopekazi. Be si se zweni eli kude, sifuna i Mbhali ukuba ibe yisipo se nkosi, sithe lapo siyifuna sa nyathela insimu ya ma Swazi ebi gcinwe yi labaya, ekhombha aba thunjwa—nga pandhle ku khona izi nkomo ebe zi yi lima.

"Kuhle Mbulali! Ngi yaba bona nami aba limi be nsimu ne zi nkomo ngi ya zizwa zi khala. Kunjani ke nge Mbhali na? Ipi le Mbhali ebe niyo yi funa kude kangaka, niyo yimbha emhlabathini wa ma Swazi na? I b! si qhakazile yini kambhe na?

Yebo Nkosi ibisi qhakazile, kodwa ku hlupe ngoba isi bunile. Ayi sekho seku sele uthi lwayo ku pela, seyi bune yaba mhlope nje nga ma thambho abantu.

We thuka u Dingane wema nge zi nyawo wathi, "U thini uma usho njalo na?" I Nkosi izo zi bonela ku sho u Mhlopekazi, wa penduka wa khuluma nezi nduna zakhe ezazi se muva kwakhe. Masinyane izi nhla za vula isi khala, kwa putshuka ama doda amane epuma esi gabeni esi nge muva etshethe uhlaka, ohlakeni ku khona into esongwe nge zi khumbha ze zi nkabi, ku boshwe nge zi nqotho. Ba fike ba khuleka, umthalo wabo ba wethula pambhi kwe Nkosi.

"Sombhululani!" kusho u Mbulali, nembhala ba sombhulula, kwa vela isi dumbhu se ntombhi okwa bonakala nje ukuthi yayi kade iyi nhle, iyi nde-kazi, isi dumbhu si gqunyiswe ngo sawoti.

Yilona ke uthi lwe mbhali lolu Nkosi!" kusho u Mhlopekazi esi khombha nge si zenze, ayi sa qhakazile.

U Dingane wayi gqolozela lento efileyo, wase uya thukuthela ngoba waye funa ubuhle ba le mbhali bube obakhe, eyi thanda nga pezu kwazo zonke izinto.

Wathi, "susani le ngcuba niyo yi lahla ezi njeni!" washo njalo ke entombhini aye kade efuna ukuba ibe umkakhe, ese yi bona ukuthi ifile. "Susani, wena Mbulali ngi tshele ukuthi, le ntombhi ya bulawa kanjani, se u yo sinda ngokuba ungi pendule kahle, uzo sinda noma ufe nga mazwi akho.

Njalo ke u Mhlopekazi wa yi landa yonke indaba owaye se yi lungisele uku thukuthela kuka Dingane, wathi lapo ese qedile, u Galazi naye wa landa ngokwakhe, eyoku bona kwakhe ibutho li bulala i ntombhi wa thukuthela wa li bulala lelo butho. Kwa se ku suka enye induna ya pumela nga pambhili, leyo eyayi thole i butho ne ntombhi be fele ndawonye, ya landa kona loko nayo.

Wa thukuthela kabi u Dingane, kwa fumaniseka ukuthi, aku kho oku nge nziwa. I mbhali ifile ngenxa yo muntu munye, naye seu file asekho.

Wathi, "Sukani lapa, nina na bantu benu, aba thunjwa, nezi nkomo, ngi ya kuthatha. Bongani inhlanhla ngoba nginga ni bulalanga okoku qala, ngoba ni hambhile naya kuyo ku lwa nga pandhle kwami, okwe sibili, ni ngi lethele isi dumbhu somuntu ebe ngi mufuna, ani mu lethanga ezwa.

Kwa thi lapo i Nkosi i patha igama lo ku bulala bonke abase Mbhazweni, u Mhlopekazi wa mamatheka ngo ku bhinqa wathi, jeqe ngase ma buthweni akhe. Wayi khulekela i Nkosi, wa guquka ese hambha, lapo ethi uya fulathela kwa qhamuka indoda ezi nhleni, ya pumela nga pambhili yathi ku Dingane.

Ngi nga vunyelwa yini ukuba ngi khulume iqiniso pambhi kwe Nkosi na? E muva kwa loko ngi fe, ngi fele pansi kwe Nkosi na?

Lo muntu uyena owa ye kade eyi nduna ye zi nhloli ngo bunye ubu suku, mhla ku dhlula abantu aba thathu

be puma embhotsheni, ba buya sebe babili, kwa ku iyo leyo ndoda u Mhlopekazi owaye yi khipe ebu duneni.

Khuluma, ku lungile, ku sho u Dingane.

Yebo Nkosi, izi ndhlebe zakho bazi gcwalise nga manga. I nkosi ma yi ngizwe! Nga ngi yi nduna ye zi nhloli ku sihlwa, mhla si bulala aba kwa Vilakazi nga ngi pethe izi nhloli, ezazi gcine imbhobo engena emu pandwini. Kwa fika abantu aba thathu esangweni— kwa ku o Mbulali, ne Mpisi u Galazi no munye. Lona omunye waye muncane emude, epakamisele pezulu ihawu — ele nze nje. Wathi lapa owe sithathu e dhlula esangweni, isi puku sakhe owa ye sembhethe sa penyeka, kwa vela isi fuba oku nge siso ese ndoda Nkosi, sasi mise nje nge sowesifazane, umu bala wakhe umu hlope, emuhle ka khulu. Wathi lapo ethi uya zembhesa kwa vela ubuso ba khe, aye bu fihle nge hawu kwa ku nge sibo ubuso be ndoda Nkosi, kwa ku ubuso bo muntu wesi fazane, be ntombhi enhle efana ne nya nga ipuma, na mehlo akhanya nje nga we zi nkanyezi. Kwa puma abantu aba thatnu embhotsheni ese ntabeni Nkosi kwa buya ba ba babili, ngathi lapo ngi ba cinga nga mubona owe sithathu e kxaya nge jubane ethafeni egijima nje nge ntombhi Nkosi. Okunye futhi Ndhlovu u Mbulali wa ngi pikisa ngi yi nduna ye zi nhloli, lapo ngi buza ukuthi owe si thathu u shonepi, wathi ube nge kho, ba pume be babili kupela. Futhi aku bizwanga muntu kwa ba banjiwe ukuba azo bona isi dumbhu se ntombhi ukuthi yiso sakhe u Nozimbhali impela na? Kungebe ku se nziwa manje, na lowo muntu owa yefele eceleni kwakhe, abu lawanga u Galazi emu pandwini. Wa ye fele nga pandhle eshaywe nge wisa aba kwa Vilakazi. Nga mubona ewa, nga wami amehlo, nga mu bulala owa ye mu shayile. O kunye futhi Nkosi ye zwe lonke, abantu aba dhliwe empini, oku yi bona be ngcono ku na laba, abakho ku laba aba zo piwa wena—base mzini wakhe u Mbulali oyi si Khulu sase Mbhazweni. Ngi beka lapo ke Nkosi, yebo ngoba eyami inhliziyo

ayi wa thandi amanga. Se ngi li khulumile ke iqiniso Nkosi, ngi cela ukuba i Nkosi ingi vikele ku laba bangane be zi Mpisi bangangi bulali ngokuba ba ye sabeka Nkosi.

Sonke isi khathi leli mbhuka li khuluma konke loko, u Mhlopekazi waye loku esondela ka ncane ku lona ngo ku nga bonakalisi, waze waba se duze kanga ngokuba waye ngathi uma elula umkhonto amu thinte ngawo. Yimina Mbope ku pela engangi mu bona, mhlaumbhe no Galazi waye mubona, abanye babe ngamu boni, ngoba babe libele uku buka ubuso buka Dingane ukuthi uzau thini.

Ungabe sabi abangane bezi Mpisi, ku sho u Dingane e gwaliza amehlo a bomvu, u nyawo lwe bhubesi lu ya ku vikela mntanami."

E nga ka qedi uku sho njalo u Dingane, wa gxuma u Mhlopekazi, wa gxuma wa hlala pezu kwalo imbhuka enga khulumi lutho, amehlo akhe ese sabeka kabi. Wa hlala pezu kwalo wali bambha nge zandhla enga hlome lutho. Nga mandhla akhe ama khulu wa le pula nge zandhla kwaba se ngathi yi ngane ye pula izinti—angazi nami ukuthi wa kwenza kanjani—pinde, kwaba yisi khashana nje umuntu enga ka boni. Wa mepula qede wa mu jikijela pezulu waze wa yo wela ezinyaweni zika Dingane ese file.

Wa sho ka khulu wathi, "Thatha isi chaka sakho na nge mpela si fele pansi kwa kho."

Kwa thula kwathi, khwathalala, kwe zwakala u mgqumo wo ku pefumula kwa bantu wo kwe saba no ku mangala, ngoba asi zange si be khona isenzo esi nje, esake se nziwa pambhi kwe Nkosi, pinde ngi sho kusa busa o Senzangakhona.

We zwakala u Dingane nge zwi eli khulu ethukuthele e qhaqhazela.

Nge zwi eli yisi hosho wathi, "Mu bulaleni! Yi bulaleni inja nabo bonke aba hambha nayo!"

Manjena ke se ku zau kwenziwa into engi ya ziyo ne ngi kwazi uku yenza, ku sho u Mhlopekazi. Minani bantu be Mbhazo! Ni zo vuma uku bulawa yi lama gundane ashileyo na? Esho ewa kombha ngo Mkhalisi-Bantu, ama qhawe aye sinde emlilweni, kodwa ubuso babo bu fusekile.

Bamu pendula ngo hleko olu khulu bathi.

Cha Mbulali, nathi asi ku funi uku bulawa yilama gundane a shile, ba penduka ba bhekana nezitha, kwe zwa kala yonke indawo ubu gubha-gubha ba ma hawu.

Wa gijima wa pindela emuva u Mhlopekazi ema buthweni akhe ukuba awa hole. E za nga ma jubane ama butho e Nkosi ngo ku thunywa kwa wo, ingabe aye nge nzani. U Galazi i Mpisi yena wa gijima wa ya pambhili ku Dingane epakamise i wisa kazi lakhe, nge zwi elikhulu wathi "Kahle!"

Kwa thula futhi kwathi cwa ka, abantu sebe bona ithunzi lo Mlindi seli mnyama pezu kwe khanda lika Dingane.

Kuya dabukisa ukuthi, kuzoze kufe abantu aba ningi kanti uma e munye wa nele, kusho i Mpisi, futhi uma ngi nga se ngi shaye kanye nje lapa ethunzini le wisa, izwe alizu kuba nayo i Nkosi. Khona nje ukuthi, Nkosi! kuyo pela.

U Dingane wa mu buka pezulu lo muntu omukhulu owayese me ngamile, wathi uma ecabanga nge wisa eli cwebezelayo seli mu shaya ebunzini, wa qhaqhazela futhi—ngaleso si khathi ke, waye qhaqhazeliswa u kwe saba. Wathi, "Hambhani ngo ku thula!" Yi zwi lakho eli hle lelo Nkosi, ku sho i Mpisi ngo sulu, yase i hle-hlela emuva ka ncane iya ku bantu ba kubo ithi, "Bongani e Nkosini! I Nkosi ithi ku bantwana bayo, aba hambhe ngo ku thula.

Kodwa uthe lapo ese bona u Dingane ukuthi asekho engozini yo kubulawa yi wisa, wa buye wa thukuthela waye se funa uku biza ama butho akhe futhi ukuba aba dumele abase Mbhazweni, nga ma lela ngathi:

Ku zo ku fa yona i Nkosi, u Mbulali uzo ba sizila bonke laba bantu aba lapa, abe se uya pinda futhi u Mlindi uya kwe ngama Nkosi.

Wa ku bona loko u Dingane ukuthi ku yi qiniso, akabe esa wa biza ama butho, ngoba wayese sele nalabo bantu aba be sele emlilweni. Impi yonke yakhe yayi ngekho yayi yo bulala ama Bhunu e Natali. Kodwa noko efuna yena ukuba ku chitheke i gazi, wase u guqukela kimina.

U yi mbhuka wena Mbope, kade nga kwazi, ngi zo ku lungisa, leya nja—wathi uya ngi gwaza ngomkhonto owa ye wu pethe.

Ngau bona use za, nga gxuma nga bheka pezulu, ngau vika. Nga fulathela nga baleka nge jubane, nga landelwa ama butho engi xosha. Abase Mbhazweni ba bese duze nami, bangi bona ngiza be qhutshwa u Mhlopekazi, wa gijima wa ngi hlangabeza. Ababe ngi xosha be funa uku ngi bulala, bema abaze ba sondela esi zezeni.

Ngase ngithi ku Mhlopekazi. Lapa e Nkosini, angi se na ndawo mntanami.

U nge nqeni lutho ku loko baba, ngi zo ku funela indawo, ku pendula u Mhlopekazi. Ngase ngi thumela umuntu e Nkosini ngathi abo fike aitshele i nkosi ukuthi:

Yenze into embhi ngo ku ngi xosha mina Mbope, ngokuba yimina enga yi beka esi hlalweni sobu khosi yimina kupela engi nga yenza i Nkosi ihlale njalo kusona inga suki. U yi tshele futhi ukuthi, ingabo ngi funa lapo ngi khona, ngoba mhla sa bhekana ubuso no buso kuyo ba yi langa lo kufa lelo. U sho njalo u Mbope oyi nyanga ongaze anga yi khuluma into i nge nzeki.

Sa hambha ke sau shiya umuzi wase Mgungundhlovu ngabuyela ku wona ngoba se ngi yowu shisa, sengi shisa lapo u Dingane enga shisanga khona, ngathi lapo

se ngi pinda ngi bona u Dingane--hayi! cha, baba ngi yo buye ngi yi xoxe leyo.

Sa muka ke lapa ekhaya, asi vinjelwanga yi lutho, ngoba kwa ku ngekho okwa ku ngasi vimbhela, kwathi lapo se si hambhe i bangana u Mhlopekazi we ma wathi.

Ngi cabanga uku buyela emuva lapo si puma khona ngi yo mu bulala u Dingane, ngoba uma ngi muyeka uzo ngi bulala.

Kanti ke kuhle uku liyeka ibhubesi ele sabayo emenweni walo mntanami, ngoba uma li bhacile ku lu khuni u kulwa nalo. Khumbhula ukuthi, manje bonke abantu aba dala na bancane sebe hlome ba pelela, sebe wa kake onke ama sango omuzi wa se Mgungundhlovu mntanami, ba lungi sele wona lowo mcabango wakho, noma u Dingane ebe saba nje kodwa noko anga ku lwela uku pila kwa khe. Isi khathi ongabe umu bulele ngaso umu yekile, manjena ke sesi dhlulile.

"Amazwi uqobo lawo!" Sengathi kanti ngabe ngi mu dedele u Mlindi nge si khathi ngi me ngame ngaye."

U thini ke manjena baba na? Ku buza u Mhlopekazi.

Ngi thi ke kinina no babili, yekani uku hlala nga pansi kwe thunzi le Ntaba ye mi Khovu, kodwa qoqani abantu benu ne zi nkomo zenu, ni hambhe ni bheke nga se Nyakatho nga lapo kwa shona khona iNgonyama eu Mzilikazi eya baleka ku Shaka, ni fike ni buse ndawonye noma ne hlukane, ni nga pinde ni pupe ngo Dingane.

Angi zuku kwenza loko baba, ku sho u Mhlopekazi. Ngi zo kwakha nga pansi kwe thunzi le Ntaba ye mi Khovu mina.

Nami futhi, kusho u Galazi ngi nga kha nase ma tsheni ayo nje. Uthini! uthi ngi nga zi shiya zodwa izi mpisi zinga zingeliswa muntu na? O Khalelimpunga, no Zinywelimnyama, no Gazi, no Bambhufele, nezinye ezi mpunga nezi mnyama zi ngi khalele zinga ngi tholi na?

Ye nzani nje ngo kubona kwenu ba ntabami, ni se basha ani ba laleli aba dala. Se ku yo zi khanyela khona.

Nga khuluma ka njalo ke ngi nga qondi ukuthi, u Mhlopekazi athandi ngani u ku suka. Kanti kwa ku yi ngoba, waye tshele u Nada ukuthi, ba yo hlangana khona.

Kwa ku yothi uma ese mu tholile abese uya hambha ke, kodwa ke kwa ku sa lungile ingekho ingozi.

U ma u Mhlopekazi u mntanami wa ngi lalela nje. Ngabe wa busa nje nge Nkosi, ngabe azulanga nje ngo muntu oxoshiweyo ayo zula emazweni akude engi nga waziyo, no Nada ngabe afanga, na Bantu base Mbhazweni ngabe aba pelanga.

Kwa ba njalo ke ngo Dingane. Kwathi ukuba awezwe ama gama ami, wangenwa ukwe saba futhi, ngoba wa engazi ukuthi amanga angi wa qambhi.

Wa ke wa hlala wa thula isi khashana, ayi thumanga impi ukuba iyo hlasela u Mhlopekazi, esaba ukuthi funaze ngi mu bulale nje ngo ku sho kwami. Kwathi ukwe saba kwakhe ku nga ka peli, kwa fumaniseka ukuthi se uya lwa na ma Bhunu, ngoba waye khipe impi ukuba iyo kulwa na ma Bhunu owaye wa bulele enge nayo ke impi eseleyo yokuba ayi khipe iyo kulwa nesi khulu esi ncane kude kangaka.

Kodwa uku thukuthela kwa khe kwa ku ku khulu, ngoba ngenxa yako, futhi ku ukwenza kwakhe aye ku jwayele, wa bulala abantu aba ningi nga pandhle kwe sono, ethi uya zi duduza.

## ISAHLUKO XXIX

### U Mbope Elanda i Ndaba ya Khe

Nge muva kwa loko ke, lapo si hambha endhleleni, u Mhlopekazi wa ngi xoxela yonke indaba yo ku bulala kwakhe aba kwa Vilakazi, na ngo ku thola kwa khe u Nada.

E ku zweni kwami ukuthi kanti u Nada indodakazi yami use khona, nga khala ngi khaliswa uku jabula,

kodwa noko soba bili sa si no ku ngabaza no kwe saba ukuthi intombhazana ihambha yodwa isuka eSwazini iya e Ntabeni yemi Khovu, ku kude. Sonke lesi sikhathi angi mu tshelanga lutho u Mhlopekazi iqiniso loku zalwa kwakhe, ngoba sasi hambha nabantu abaningi endhleleni ngoba nayo imithi uqobo lwayo inazo izi ndhlebe, nawo nje umoya esi nyenyeza ku wo unga buye u yoyi nyenyezela i Nkosi. Kodwa noko nga bona ukuthi isi khathi sokuba ngi mu tshele sesi fikile ngoba kwa ku se nhliziyweni yami ukuba ku menyezelwe ukuthi, u Mhlopekazi uyi ndodana ka Shaka, uyena okufanele ukuba abe yi nkosi ya ma Zulu esi khundhleni sika Dingane owe lamana no yise. Kodwa ke zonke lezi zinto zazi si pambhile ngoba kwaba sekwe nzeka njalo ke baba. U ma nga ngazi mhla ngi bulala u Shaka ukuthi, u Mhlopekazi use khona, nga ngi yo kwenza ukuba abe yi nkosi. Uma futhi kwe nzeka nje ngo ku misa kwa mi ukuba le ntombhi u Nozimbhali alethwe ku Dingane, no Mhlopekazi akhule abe mu khulu pansi kuka Dingane, kwa ku yo lunga. Kodwa zonke izinto zonakala. U Nozimbhali lowo kanti kwa ku uye u Nada, yena u Mhlopekazi waye nga kwenza kanjani ukuba alethe udade wabo emazi kahle ukuthi futhi uyi ndodakazi yami, amulethe ku Dingane enga thandi na? Kwa ku ngenxa ka Nada ukuba o Dingane no Mhlopekazi ba zondane kangaka, futhi yiso leso si zathu nami ngize ngi dunyazwe ngi xoshwe, ne ze luleko zami zi ngase zwakali e Nkosini.

Izinto zonke ku funeka zi qalwe ngo ku sha, nga cabanga kakulu endhleleni, si hambha siqonde eNtabeni yemi Khovu ukuthi konje ku nga qalwa pansi kanjani. Kodwa angi qalange nga khuluma.

Saze sa fika pansi kwe Ntaba ye mi Khovu, sa bu buka ubuso be tshe bomfazi ongu mthakathi ohlezi khona kuze kube pakade elindele uku bhubha kwo mhlaba. Ngabo lobo bu suku safika emuzini wase Mbhazweni, sangena ku wo si hlabelela ka khulu. U Galazi yena angenanga nga leso sikhathi, wa ye nge kho eyo

biza izi mpisi za khe ezi ntabeni, nathi kwathi lapo si dhlula pansi kwe ntaba, se zwa izi mpisi zi khala ngoba zi bona yena efika zi mu bingelela.

Kwathi lapo se si sondela ekhaya, kwa puma bonke aba fazi naba ntwana, basi hlangabeza, ku hambha u Zinita pambhili oyi nkosikazi enkulu ka Mhlopekazi. Beza be jabula, kodwa kwathi lapo sebebona aba ngekho ukuthi ba ningi ka ngakanani, uku jabula kwabo kwaba yi sililo, uku khala kwabo kwa khupukela ezulwini.

U Mhlopekazi wamu bingelela u Zinita ngo musa, kodwa noko nga bona mina ukuthi, akusiwo umusa opeleleyo. U Zinita wa qale wa khuluma kahle nje kodwa kwathi ukuba ayizwe yonke indaba, abuyange a khulume kahle, wa ngi thuka wa thetha ka khulu no Mhlopekazi.

Wathi, "U yabona ke Mbulali, uya ku bona ke ose kwenzekile ngenxa yokuba usuke wa lalela lesi si pukupuku se xegu!" esho mina ke baba. Lesi si pukupuku esi zi biza ngo kuthi si u Mlomo! Yebo ke, waze waba umlomo ke, umlomo oku puma ku wo ubu lima na manga. U be khuluma ukuthini nawe na?—ukuba uyo kulwa na ba kwa Vilakazi ufunele u Dingane i ntombhi! Wenze njani ke wena na?—ulwile na ba kwa Vilakazi ngo ku so bala ubulele abantu aba ningi abange nasono nga leyo mbhazokazi yakho enkulu, futhi inxenye ya ma butho isele khona em'pandwini wama Swazi ukuba ibole ibe ama thambho amhlope, u thenga ngabo lolu hlotshana olu ncane lwe zi nkomo, kanye ne zintombhi na bantwana ukuba sizo ba khulupalisa!

Aku siko uku pela kwako loko. Be uyo funa intombhi efunwa u Dingane, wathi lapo seu yitholile wa buye wa yi yeka ya hambha, ngoba uthi ingu dadewenu ayifuni uku gana u Dingane. Aku silo yini iqiniso ukuthi, lo dadewenu imu fanele i Nkosi na? Isi gcino ke yini na? Inkosi uye nzela ubu qili, nge nxa ka dadewenu wa banjwa. Wese ubulala umuntu pambhi kwe Nkosi

wase uya baleka ubuya na lesi silima se xhegu, u Mlomo ukuba sizo ku fundisa ubu lima baso. Se u lahlekelwe yi nxenye ya bantu bakho wazi bangela ukuba i Nkosi ibe yisitha sakho, oku zothi nge linye ilanga izo si bulala sonke kanye na lesi silima esi ume luleki wakho U wewu! Mbulali, wu qhube lowo msebenzi wakho ba yoze ba ku bone.

Wa khuluma kanjalo ke u Zinita, ekhuluma enga nqamuli, lali khona iqiniso ema zwini akhe. U Zinita waye u mfazi othethayo. Nga hlala nga thula nje mina waze wa qeda uku khuluma, no Mhlopekazi naye wa thula nje kanti seu thukuthele kabi, ngenxa yo ku khuluma enga khawuli, lingabi bikho ithuba lo ku mu pendula no ku ponsa izwi nje.

"Thula, mfazi!" musa uku khuluma kabi nga bantu aba ziyo, aba kade babe bona wena unga ka zalwa, ku sho mina isi gcino.

U ngabo khuluma kabi ngo baba, ku gwavuma u Mhlopekazi. E hene! noma wena unga qondi nje, lo Mlomo owu thukayo u Mbope, u baba.

U ma ku njalo ke, pakathi kwa Bantu base Mbhazweni ku khona u muntu onoyise oyi silima. Le ndaba yi mbhi ku nazo zonke.

Wathi u Mhlopekazi. Pakathi kwa bantu base Mbhazweni ku khona umuntu ono mfazi owe delelayo no thethayo, esho e sukuma, "Suka lapa Zinita!—uma ngi pinda ngi ku bona ungqavuzela ubaba ongi zalayo ama zinyo futhi, uzo hambha uyi shiye indhlu yakho, ngoba ngi yo ku xosha lapa emzini wami. Se nga ku bekezelela ka khulu.

"Se ngi ya hambha ku sho u Zinita. Hawu! nga kholiseka! yimina enga kwenza waba yi si khulu, manje se ufuna uku ngi xosha."

E zami izandhla eza ngenza ngaba yisi khulu, kusho u Mhlopekazi, wa gxuma wamu khipa nge nkani endhlini.

Nge muva kwa loko wathi u Mhlopekazi kimina, ku yinto ebuhlungu uku thatha umfazi onje baba.

Yebo kuyinto embhi Mhlopekazi, kodwa noko yimithwalo oku fanele u kuba ama doda ayi thwale. Funda ngayo uku hlakanipa Mhlopekazi, unga bo jwayelana ka khulu na bantu be si fazane, ungabo ba thanda ka khulu, uma wenza njalo, uyo thola uku thula. Ngasho njalo ngi khuluma ngi hleka, kwa ku yoba kuhle uma wa walalela amazwi ami, ngoba u Mhlopekazi wa shoniswa uku thanda isi fazane.

Konke loku se ku ne minyaka e miningi kwe nzeka ngi sanda kuzwa khona manje na nje ukuthi, u Mhlopekazi se wa baleka wa bheka ngase nyakatho, nokuthi sewaba umhambh'uma waze wa fa nge nxa yo ku dalulwa umfazi, owa shaya sengathi u Lozitha umfowabo ka Mhlopekazi ubu lewe u Mhlopekazi. Angazi nami ukuthi kwe nzeka kanjani, kodwa lowo owa ye kade e sabeka ena mandhla, waye nabo lobo buthakathaka obu fana nobu ka yise omncane u Dingane, oba gcina ngo ku m'bhubhisa u Mhlopekazi nge nxa ya lokho ke angi seu ku pinda ngi mu bone.

Manjena ke baba, kwaze kwaba yi si khathi si hlezi si thule endhlini si so dwa, kwa ba se ngathi ngi zwa igundane li khwashaza etshanini be ndhlu.

Ngase ngi ya khuluma ngithi, Mhlopekazi, seku yisi khathi sokuba ngi ku nyenyezele indaba endhlebeni, ngi zo ku nyenyezela into ebe ngi ku fihlela yona seloku wa zalwa.

Khuluma baba, esho naye emangele.

Nga khasa ngaya emunyango, nga fike nga lunguza. Kwa ku m'nyama angaze nga bona muntu, kodwa noko ngo kwe nqeneka, nga puma nga yi zu ngeza indhlu Hawu baba, uma ufuna uku khuluma isi fuba (imfihlo) unga yengeki ngeze, we neliswe uku lunguza uqalaze. Yimbha pansi endhlini, ufune nase tshanini obu fulele indhlu, uma usu kwe nzile konke loko, hambha uye kwenye indawo indaba yakho uyoyi xoxela khona. U mfazi waye qinisile, kanti yimi enga ngi yisi pukupuku na kho konke ukwazi kwami nobu mpunga bezi nwele

zami. U ma ngangi nge siso isi pukupuku, kwa ku fanele uku ba ngi li qumbhe nge ntuthu lelo gundane ngi nga kau vuli umlomo. Lelo gundane kwa ku u Zinita baba, wa ye khwele pezu kwe ndhlu ebusuku ku mnyama, wa lala pezu kwayo elalela; oku khulunywa endhlini nge zi mbhobo ezi puma intuthu, enza into embhi kabi futhi ehlola imihlola, ku lapo abantu be si fazane ba fike ba zi dumaze khona, ngo ku thanda ukwazi izinto ezi fihlwayo oku nga funeki zaziwe yibo, futhi bangabi nawo umcabango wo kuthi zi hlola ukuthini.

Ngathi lapo sengi funile, nga qalaza angaze nga bona lutho pandhle, ngase ngi ya khuluma no mntanami u Mhlopekazi, ngi ngazi ukuthi ngizi bangela ukufa kodwa umfazi ulalele konke pezu kwe ndhlu.

Ngathi, "uya bona Mhlopekazi au zalwa yimi, noma wena wazi ukuthi, ngi ngu yihlo ku su kela ebu ntwaneni bakho, wena uzalwa endhlini enkulu Mbulali."

— Wathi u Mhlopekazi, mina kuya ngi thokozisa ukuba wena ungu baba, ngoba ngi zalwa endhlini enhle. Kanti ngi zalwa ubani na?

Ngase ngi ya khothama ngi ya mu nyenyezela, kanti ngi nyenyeza nje ku ye zwakala, lapo ngithi uzalwa yi Zulu eli Mnyama, eli nga sekho, yebo, ungowe gazi li ka Shaka waku zala ku dadewethu u Baleka.

Wathi u Mhlopekazi, kanti ngi se gazi linye nawe Mbope, ngi ya jabula nga loko. U wewu! ubani ke owaye nga qagela ukuthi ngi zalwa yilesi ya si lwane se nkentshane lo muntu na? Ngi yabona ukuthi yikho loko oku ngenze ngi thande uku hlala nezi mpisi nje ngo Galazi, kodwa enhliziyweni yami angi mu thandi neze u baba nabo bonke aba semuzini wa khe.

Asikho isi zathu sokuba umuthande Mhlopekazi, ngoba wa bulala u Baleka u nyoko, nawe waye funa uku ku bulala. Kodwa wena uzalwa u Shaka kupela, auzalwa omunye umuntu ngapandhle kwakhe.

Angabe abu khali ke baba amehlo omuntu uma engase amu bone uyise eningini, kodwa noko ngake nga yizwa le ndaba, kodwa bese ngi yi khohliwe.

Wa yizwa ngobani Mhlopekazi na? Njengoba khona manje ngi nga ka ku tsheli ibiyaziwa yimi nge dwa kanye na banye ase bafa na? Manje na ke sesi ba bili thina esi yaziyo ngawe. Po wena wa yizwa kubani na?

Ye zwakala ngabo aba fa, ngoba u Galazi i Mpisi wayi zwa kumuntu ose wa fa ohlezi emu pandwini we Ntaba ye mi Khovu, wathi, ku yofika umuntu ku Galazi afike abe umfowabo igama lakhe u Mhlopekazi u Mbulali, indodana ka Shaka, wangi tshela u Galazi leyo ndaba kodwa bese ngi yi khohliwe.

Nga pendula ngathi, kanti abafile ba no kwazi, ngoba na khoke namuhla wena u ngu Mhlopekazi u Mbulali futhi, nakhu sengi ku tshela ukuthi, uyihlo u Shaka, kodwa ke au lalele ngi ku tshele.

Ngase ngi ya mu landisa ke kusukela esi khathini soku zalwa kwa khe njalo, kwaze kwathi lapo sengi mu tshela amazwi akhulunywa unina u Baleka, na nge pupo lami engali tshela u Baleka, na ngo kufa kuka Baleka ebulawa u Shaka, nango hlobo afa ngalo, u Mhlopekazi wa khala, kanti wa ye nge siye u muntu okujwayeleyo uku khala. Kwathi lapo sengi ya eku peleni kwe ndaba, nga mubona ukuthi imu zwisa ubu hlungu nje ngo muntu elalele indaba emuhlupa enhliziyweni, ngi the ngi ngaka gcini wathi.

Kanti Mbope, malume, uma ngi zalwa u Shaka no Baleka, u Nada u Nozimbhali asiye u dadewethu.

Cha, Mhlopekazi, u Nada ungu mzala wakho.

U ngu mzala kude, oku nge na mu sebenzi pakathi kwethu, ngamu bona encibilika ebu sweni.

Nga mu bukisisa. Wathi, wa jabha baba na? Mina ngi buka ukuthi, uma u Nada esapila ngi zomu thatha abe u mkami, ngoba amukho umuntu we si fazane engake nga mu thanda nje ngo Nada Nozimbhali, uthe

ukuba asho njalo, nga lizwa futhi igundane li nyakaza etshanini be ndhlu.

Mu thathe uma u thanda Mhlopekazi, kodwa ngi ya bona ukuthi u Zinita inkosikazi yakho angaba nezwi ku lendaba.

U Zinita uyi nkosikazi yami e nkulu, kodwa anga ngi vimbhela yini ukuba ngi ganwe abanye aba fazi loku u mthetho wa kithi lowo na? E buza ngo ku thukuthela kwakhe ukuthi wesaba u Zinita.

,Ngathi, loko ku umthetho, ku lungile, kodwa ku ke ku bange inkathazo nge zinye izi khathi. U Zinita angeze asho lutho ka khulu uma ehle zi esi khundhleni sakhe sobu khosikazi, futhi, nawe umu thande nje nga ku qala. Asi yiyeke ke eyakhe. U Nada aka fiki mhlaumbhe ngeke afike. U ya bona Mhlopekazi, kuyisi fiso sami ukuba izwe lakwa Zulu li buswe u wenà nge lungelo lo zalo, noma kambhe izinto zi mi kabi kodwa ngiyabona ukuthi, indhlela inga tholakala.

Wa buza wa thi kanjani na?

Kanjena: Izi khulu ezi ningi engi zwana nazo zi yamu zonda u Dingane futhi zi ya mesaba, uma zi ya kwazi ukuthi indodana ka Shaka ikhona no kuthi, leyo ndodana u Mbulali yi zona ezi nga mu pakamisela esi hlalweni sobu khosi. Futhi ama butho aya li thanda igama lika Shaka noma aye wa patha kabi nje, kwenza ngo ba waye ne sibindi, epana. Kodwa aba mu thandi u Dingane ngoba une zi nkathazo ezi fana nezi ka Shaka. Kodwa na ye une sipiwo sakhe. Indodana ka Shaka ba nga yi jabulela ka khulu uma be nga se ba yazi ukuthi iyo nge mpela. Kodwa ke ku fike ku be lukhuni lapa, ukuthi, yimi ngedwa engaziyo, amukho omunye kodwa ngi zoke ngi linge.

Mhlaumbhe ku fanele ke ku lingwe futhi, mhlaumbhe aku fanele malume, ku pendula u Mhlopekazi. Into engi yaziyo. Ngi funa ukubona u Nada engena ema sangweni omuzi wami ku sihlwa nje, ku noku khulekelwa yi zi khulu zonke ezweni zithi, Bayede.

U zo buye u cabange ngo kunye Mhlopekazi, manje kufuneka ku thu nywe izi nhloli ziye emzini wase Mgungundhlovu zi sitshele ukuthi i Nkosi icabangani, singathi sethuka bese ku fika impi izo si vimbhezela si ngazi. Mhlaumbhe isa libele ngoba, lawa maBhunu ayofike imikhonto ayi hlangabeze nge zi nhlamvu. E linye izwana loku gcina yi leli, unga yi khulumi ku muntu le ndaba yoku zalwa kwa kho ngi sho nakuye u mkhakho u Zinita, noma yi ku mupi umfazi.

Wathi u Mhlopekazi, ungazi hlupi ngaloko malume, ngi ya kwazi uku fihla.

Ngemuva kwa loko u Mhlopekazi wa ngi shiya waya kwa nkosikazi yakhe u Zinita, wayi funyanisa ilele izi songe nge zi ngubo sengathi ilele.

Yasho ka ncane yathi. Saubona ndoda yami, njengo muntu ebingelela seku sile. Ngi pupe ipupo eliyi nqaba nje, ngawe. Ngi ku pupe uyi nkosi ye zwe lonke, pambhi kwa kho ku dhlula imi zila yama butho ama Zulu ethi kuwe, Bayede.

U Mhlopekazi wa mubuka e mangele ngoba, engamazi ukuthi, ku khona aku zwile noma uhlola oku zau kwe nzeka. Wathi, ama pupo anjalo ayi ngozi, uma umuntu epupe kanjalo ku funeka anga waxoxi athule athi du, aze akhohlwe.

Athule kuze kwe nzeke, kusho u Zinita. Wathula nje u Mhlopekazi wamubuka emangele.

Ku sukela ku lobo busuku nga u qalake u msebenzi wami, nga beka izi nhloli emzini ka Dingane nga kuzwa konke okwe nzeka eNkosini.

Ya qala ngokuthi, aku hlome impi iyo bulala abantu base Mbhazweni, se yishilo njalo, kwase ku fika umbiko wo kuthi, impi yama Bhunu engama khulu ayisi hlanu egibele amahashi iyeza iqonde emuzini wase Mgungundhlovu. Kwa fumaniseka ukuthi, u Dingane azu kuba nayo impi yo kuya entabeni ye mi Khovu, thina esakhe khona sisa zokhe si hlale ngo ku thula.

E hlulwa ama Bhunu nga leso si khathi, nge nxa ka Bhongoza owa ye yi nhloli, owa thatha ama Bhunu wawa yisa lapo impi ka Dingane yayi ba lalele khona, kodwa noko ayi ngcosana afayo ngoba a hlehlela emuva enzela u kuba athathele kahle, no Dingane wa kubona loko akwe nzayo. Kuso leso si khathi nawo ama Ngisi ase Natali, apethwe u Joji, amu hlasela u Dingane be mu velela ngase nzansi no Tukela, babulawa ama butho akithi nabo bonke aye hambha nabo.

Mina ke, ngi hlangene nezinye iza ngoma, nga thumela pakathi kwe zwe nga gcwalisa ama hemuhemu nezinto ezizau kwenzeka, ne zindaba ezimbhi; nga sebenzisa ubuqili ezi khulwini enga zana nazo, nga thumela izinkulumo ezi nga cacile ezi khombha ukuthi ma ba lungisele ukuthi, kukhona ozau thunyelwa pakathi kwabo. Ba lalela kodwa kwa funyaniseka ukuthi yinto ezauthatha isi khathi eside, ngoba abantu aba khile ndawonye, be hlukene, abanye futhi bengekho ba hambha nama butho.

Sa hlala isi khathi ke, seloku safika entabeni ye mi Khovu. U Mhlopekazi engasa khulumisani no Zinita, kodwa u Zinita ehlala ngoku mu bheka, u Mhlopekazi waba umuntu ojabhile ku lawo ma langa, ngoba waye lindele u Nada, kodwa u Nada enga fiki.

Isi gcino waze wa fika.

## ISAHLUKO XXX

### U ku fika kuka Nada

Ngo bunye ubusuku, ngo nyezi inyanga ihlangene, sasi hlezi sobabili no Mhlopekazi endhlini kwami, si khuluma ngama su ethu esi wa khayo, sathi uma sesi qedile, sase si khuluma ngo Nada u Nozimbhali.

" Hawu, he! malume, u Nada lo asi seu pinda si mu bone, ku sho u Mhlopekazi edabukile, impela se wafa, uma e nga file u boshiwe, ngoba ngabe se u

khona manje, ngabe kade wa fika. Senga mfuna yonke indawo, angi zwa ndaba ngaye.

Sa hlala sa thula isi khashana, sisa thule, sezwa inja ikhonkhota, sa sukuma sa puma endhlini siyo bona ukuthi kwe nzenjani, ngoba kwase ku hlwa, ngoba kwa ku fanele ukuba si hlakanipe ngoba inja inga khonkhotha noma ku zamazama iqabunga, noma mhlaumbhe izwa izigqi ezi kude ze mpi ezayo.

Sathi si ngaka yi kude, samu bona umuntu omude ono mzimbhana omncane emi egolozele ezi ndhlini se ngathi uye saba, epethe ihawu ngesinye isandhla, esinye sipethe umkhonto. U buso bakhe singa bu boni ngoba wa ye fulathele uku khanya, embhethe ingubo ema nikiniki, ese nezi londa ezi nyaweni, ngoba wayemi ngalu nyawo lunye. Sasi mubuka si se thunzini lendhlu engasi boni yena. Wema isi khathi e thule, wase ukhuluma yedwa, izwi lakhe lili ncane isi mangaliso.

E thi, ziningi izi ndhlu lapa, angazi ukuthi eyo mfowethu ngi nga yi bona ka njani. Loku ngizothi lapo ngithi ngi ya memeza, bese ngi zi bizela ama butho, bese ku funeka ukuba, ngi zenze indoda, kanti loku seku ngi khathazile. Ngi zo lala lapa pansi ko thango kuze kuse, ku thambhile ku nezinye izindawo ebe ngi lala kuzo, se ngi khathele uku hambha, angi lale wa penduka ehlaba i khefu wa bhekana no ku khanya kwe nyanga.

Kanti baba, ubuso buka Nada indodakazi yami, ese ngi nemi nyaka ngi nga sa mazi, kodwa nga mubona noma iminyaka se yi miningi nje, kwathi ingani seu pelele ebu ntombhini, nga mu bona ukuthi uyena. U buso bakhe sebu khathele bu diniwe, kodwa bu buhle, angi zange, futhi angi pindange ngi bu bone ubuhle obunje ngabo, ngoba u buhle be ndodakazi yami u Nozimbhali babu nje, kwaku sengathi buya hluma nga pakathi nje ngo ku mfoma—nga khoke, ehlukile kwa banye abe si fazane bakithi abathi uma bebahle, babe bahle nge nyama yodwa.

Inhliziyo yami yaba ku Nada khona lapaya lapo emi khona ku nyezi, engena bani engazi nalapo enga lala khona, u Nada ose wasala yedwa nje kubobonke abantwana bami ase bafa. Ngamu qhweba u Mhlopekazi ngi mu tshela ukuthi acashe ethunzini, nga pumela nga pambhili mina.

Ngathi. "Heyi", ubani lo ;mkhenkethe, ngi sho ngo laka, ufunani lapa na.

Wathi ukwe thuka u Nada nje nge nyoni eye saboyo, kodwa wabuye wazi qinisa, wa penduka wangi bheka ngo ku zi gabisa.

Wathi, U ngu bani wena ongi buzayo na, izwi lakhe eli fanisa nje nge le ndoda. Yimina engi kwazi uku shaya ama sela, naba hambha ebusuku, mfana.

Ngi tshele ukuthi ufunani, usuke lapa. Ausiye umuntu wa lapa, impela lowo mutsha owu bhincile owe si Swazi, Asi wa funi thina lapa ama Swazi.

Wathi u Nada, uma ubu nge siye umuntu omdala, bengi zo ku ku shaya ngo ku nge delela, ezama uku zenzu umuntu onesi bindi kanti njalo ufuna uku baleka. Futhi, angi yi pethe induku, ngi pethe umkhonto kupela, ngi wu pathele ama qhawe odwa, angi wu pathele umfokazana onje ngawe nje. Ehene, baba, yasho njalo indodakazi yami kimina yangi biza ngo mfokazana.

Ngase ngi shaya sengathi ngi thukuthele, nga gxuma ngakhwela kuye ngi pakamise iwisa, wakhohlwa ukuthi kade ethi unesibindi esabi, umkhonto wakhe wazi wela pansi, wa khala enswininiza kancane. Wa loku eli pethe ihawu ezi fihle ngalo ubuso. Nga mu bambha nge ngalo, nga shaya i hawu nge wisa—nga shaya kancane nje, ngoba ne mpukane yayi ngeke ife, kodwa leli qhawe eli nesi bindi laqhaqhazela kabi.

Sipi manje isi bindi sakho, wena ongi biza ngo mfokazana na, U khala nje nge ntombhazana, futhi ne ngalo yakho ithambhe nje nge ye ntombhazana.

Ka ngi pendulanga, wa suke wazi goqonga nge ngubo yakhe ema ntwenguntwengu nje kupela, nga yi yeka ingalo nga bambha ingubo ngayi dabula, kwa vela isifuba ne hlombhe, nga hleka, ngase ngi ya mu-yeka, ngathi.

Au bheke leli qhawe eli nga shaya umfokazana ngoba edelela, iqhawe eli ne siqu esihle somzimbha ofanele ukuya empini. Po ntombhi yami enhle, ehambha ebu-suku ibhince nje nge ndoda, ufunani na. Khuluma masinyane, uma we puza ngi zoku hudula ngikuyise e Nkosini ngi yoku pa ngawe! Ngi zwa bethi inkosi ifuna u makoti.

Wathi ukuba u Nada abone u kuthi sengi mubonile ukuthi uyi ntombhazana, wali lahla pansi i hawu, nje-nge nto enge namu sebenzi wa lutho, wa bheka pansi ekhopoza. Kwathi lapo ngi pata indaba yo ku muyisa e Nkosini wazi wisa pansi, wa ngi bamba ema dolweni, engi ncenga ukuba, ngi nga muyisi enkosini, ebona ukuthi ayisiye u Mhlopekazi ngoba ngithe iyi xegu.

— Hawu, baba, hawu, baba, kusho u Nozimbhali, ngi haukele! Ehene! ngi yi ntombhi angi siye umfazi, wena ngoba usu mu dala, mhlaumbhe unawo amadodakazi anje ngami, se ngi cela egameni lawo ukuba, ungi haukele. Baba, ngi puma kude, ukuze ngi fike lapa, ku busa khona u mfowethu ngi hlupeke ka khulu, kanti ku sengathi, ngi fike emzini onge siwo owo mfowethu. Ngi thethelele ngo ku khuluma kwami oku nje ngaloko, baba, bengi zenzisa ngoba sengi hlupekile ngithi ngi fihla ubu fazane bami, ngoba uyazi nawe baba ukuthi, kubi ukuba wedwa pakathi kwa bantu besi lisa.

Angi mu pendulanga, ngasi zathu sinye sokuthi, lapo ngi zwa u Nada ethi kimina, baba, engangazi, nga mubona engi bambha ema dolweni engi ncenga e ga-meni le ndodakazi yami, encenga mina ongena mntwana nga pandhle kwa khe, nga cishe nga khala. Kodwa yena, wa cabanga ukuthi, angi mupenduli ngoba ngi thukuthele, sengi funa ukumuhudula ngi muyise esi khu-lwini angasaziyo, wa ngi ncenga na nge zi nyembhezi.

Wathi, baba, musa uku nge nza lento embhi. Ngi yeke ngi hambhe ngi khombhise indhlela engi zo yi buza, wena, ngoba se u mdala, uyazi ukuthi ngi muhle angi fanele ukuba ngi hudulwe ngi yiswe ku lesi si khulu sakho. Au lalele! bonke engi baziyo se bafa, se nga sala nge dwa nga pandhle kwa lo mfowethu engi mu funayo. U ma ungi dalula ngi yofisa ukuba nawe indodakazi yakho ivelelwe okunje ngo kwami. Nayo futhi ibu thole ubu gqili, no ku ngabi nayo intando, wa thula wa khihliza ekhala.

Ngase ngi pendula ikhanda nga khuluma ngi bheke ngase ndhlini, ngathi, "Nkosi", Idhlozi lakho libe no musa ku we ku sihlwa nje, ngoba li kupe intombhi enhle nje ngo Nozimbhali wakwa Vilakazi,—lapoke u Nada wa jeqeza pezulu nje ngo hlanya. Wozake uzoyi thatha intombhazana.

U Nada wa guquka ese funa uku hwitha umkhonto pansi, angazike i ngabe waye funa uku gwaza mina, noma isi khulu lesi ayese saba, noma waye funa uku zi gwaza yena yini, wa thi lapo eguqukayo, ngo ku dabuka kwa khe wa biza u Mhlopekazi nge ndhlela yokuthi "Maye"! noma "U Mhlopekazi yini"! Wa u cosha umkhonto, wema, wa ze lula futhi U the ethuka pambhi kwakhe kwa se kumi inkosi ende ye ncike esi zezeni, kodwa ixhegu ebeli funa uku menza ka bi linga sekho—kodwa linga yile kude, likhona eduzane nje lisi thele nge ndhlu.

U Nada Nozimbhali manje wa buka wa cikica amehlo, wa buye wa buka futhi.

Wa se ethi, Kungabe ngi ya pupa yini kodwa na. Loku khona manje benqi khu luma ne xhegu, esi khundhleni salo seku mi ofana nengi fisa uku mu bona.

Ngi cabangile ntombhi ukuthi eli ka Nada lelo zwi eli ka Nada eli biza u Mhlopekazi, ku sho owe ncike esi zenzeni.

Yebo be ku sho mina, po se li shone pi i xhegu eli ngi pathe ka bi, ka ngaka na. Ku nani po na? Kuhle

ahlale lapo ekhona. Kodwa unguye wena u Mhlopekazi ongu mfowethu noma ufana naye ngo bu khulu nange si zenze. Angi kwa zi uku qiniseka kahle ukuthi u wena, kodwa isi zenze sona ngi yasi bona kahle ngi nga si fungela ngoba sake sa hwipiliza eduze na mehlo ami.

Wa khuluma kanjalo ke u Nada ekhuluma emu bukisisa ukuthi, uye ngo qobo yini u Mhlopekazi, waze wa mubona kahle impela ukuthi uyena akusiye omunye umuntu. Wase uya thula seu zi posa kuye uya manga.

Ngi ye tiembha ukuthi u Zinita ulele ubu thongo manje, ku cabanga u Mhlopekazi, ngoba wa khumbhula masinyane ukuthi, u Nada asiye u dadewabo nje ngo ku cabanga kwakhe.

Kodwa mina Mbope ngase ngi gijime nga ngena endhlini ku qala, uthe lapo engena u Nada wa ngi funyanisa se ngi hlezi ngo tha umlilo.

Na ngu ke mfowethu ku sho, u Nada engi khombha ngo munwe, yilo leli xhegwana eli umfokazana, uma ngi nga pupi elikade lingi hlazisa—ehene mfowethu uze wa ngi shaya nge wisa ngi yi ntombhazana, ngoba ngi the ngi ngase ngi mu gwazwe ngo ku nge delela kwa khe oku khulu, angenze khona kuna loko, ufungile wa thi uzo ngi donsa ayo ku pa ngami esikhulwini esi yi xhegu, uthe lapo ese funa uku ngi donsa kwase ku fika wena. Aku funeki yini umuntu onje ajeziswe mfowethu na?

U Mbope wathi uku mamatheka ka lukhuni wase ethi.

U theni kimi khona manje Nada, uma ungi ncenga uthi angi ku vikele na? Aushongo ukuthi baba na. Ngase ngi bu pendula ubuso bami ngi bu bhekisa ngase ku khanyeni ko mlilo, ba khanyiswa umlilo ba ba sobala.

E hene ngi shilo ukuthi ungu baba xhegu ndini. Aku siso isi mangaliso leso ngoba, uma umuntu enge na khaya ehambha izwe ku funeka athi baba ku lowo ahlangana naye—kodwa kanti! hayi, kungaba yiko—se

waba nje—kepa lesiya sandhla esi mhlope. Kodwa, hawu! ungu bani kanti wena na? Kwa ku khona i ndoda igama layo ku u Mbope, yayi ne ntombhazana encane igama layo ku u Nada.

O! baba, u baba wami, se ngi ya ku bona!

Yebo, Nada, mina ngi ku bone khona ku qala, ubhince isi doda. Ngi ku bonile noma imi nyaka isi mingaka nje.

U Nozimbhali wazi posa kimina wa khala, ngi ya khumbhula nami ukuthi nga khala.

Ese qedile uku khala kwakhe koku jabula u Mhlopekazi wa mu lethela amasi no mdokwe, wa wadhla amasi, kodwa u mdokwe wa wenqaba wathi ukhathele.

Wase usi xoxela indaba yo hambho lwakhe ku sukela mhla be hlukana no Mhlopekazi enqabeni yakwa Vilakazi, kwaba yindaba ende ka khulu, ngi ngeze nga yi landa. Ngi ngathi nje, u Nada wa ke wa banjwa aba pangi, kwaze kwaba yisi khathi eside be cabanga ukuthi uyi nsizwa. Kodwa isi gcino baze bamu bona ukuthi uyi ntombhazana, base be funa ukuba abe umfazi wo mu pangi oyi nkosi yabo, wa ba ncenga wathi, ayi bulawe le nkosi yabo. Bavuma ba kwenza loko ngenxa ya lawo mandhla u Nada owaye nawo emehlweni akhe afana nomuthi abange nawo abanye abe si fazane, wa ba busa aba pangi nje nga ba kwa Vilakazi. Kodwa isi gcino, bangenwa uthando bonke wathi u Nada, yena uyo kwenda ku lowo oyo kwe hlula abanye, no na mandhla ku nabo bonke. Waba qhatha aba pangi balwa bodwa ngoba waye kwenza uku lwisa abantu, bathe lapo besa libele uku bulalana wa baleka ethi, afuni uku ba buka belwa impi yabo, kodwa ufuna ayo hlala kwe nye indawo alindele ukuzwa isi gcino sokulwa kwabo khona.

Nge muva kwa loko, wa velelwa ezinye izi gigaba ezi ningi, waze wa gcina ngo ku hlangana ne salukazi esa hambha naye sa mu khombhisa indhlela eya e Ntabeni ye mi Khovu. Amukho owa sazi lesi salukazi ukuthi si ubani, kodwa u Galazi wa funga wathi uye

lowo mfazi oyi tshe wase ntabeni, uzi guqule isalukazi enzela ukuba akhombhise u Nada indhlela eya ku Mhlopekazi, ukuba ayoba usizi ne njabulo yabantu base Mbhazweni. Angazi ke lapo baba, kodwa angi boni mina ukuthi lo m'thakathi omdala, angaze aguquke ebu tsheni bakhe azi guqulele indatshana encane kangaka.

Kwathi lapo u Nada ese yi lande yonke indaba yakhe u Mhlopekazi naye wa landa eyakhe no Dingane. Wathi lapo ese landa indaba ye sidumbhu se ntombhi esa lethwa ku Dingane ku thiwa esi ka Nozimbhali, wathi, wenza kahle kakhulu. Kwathi lapo emu xoxela ngo ku bulala kwakhe imbhuka elamu dalula ku Dingane, u Nada wa jabula waze wa shaya ne zandhla kanti njalo u Nada u nenhliziyo e thobileyo, athandi ukuzwa nge zindaba zo kufa. Waze wayi qeda indaba yakhe u Mhlopekazi, wa dabuka ka khulu u Nada wathi, isi sila sami si yangi landela kanti abantu base Mbhazweni base ngozini, u Dingane anga benza kabi ngenxa yami.

Ha! mfowethu, esho ebambha u Mhlopekazi nge sandhla ethi, be ku ngcono ngi fe, ku nokuba ngi ku lethele ububi nawe.

Ku ngeze kwa siza lutho Nada, ngoba noma ufile noma uya pila, inzondo ka Dingane ayi sena ku pela Futhi ke Nada, kuhle wazi loku ukuthi, angi siye mina u mfowenu.

Wathi uma ezwe loko u Nozimbhali wa khala, wasi dedela isandhla si ka Mhlopekazi, wa bambha esami wa nama thela kimina.

I yini le ndaba baba na? Lo muntu engi yi wele naye ne nga khula naye, kanti ube ngi khohlisa yonke le minyaka, aka siye u mfowethu, kanti ungubani yena baba na?

U ngu mzala wakho Nada.

"Ha! se ngi ya jabula ke. Be ngi zo dabuka uma umuntu ebe ngi mu thanda ka ngaka abe kanti umfokazi engi nge na ndaba naye. Wase uyamamatheka ngo ku jabula.

Ngase ngi yamu tshela ngo ku zalwa kuka Mhlopekazi ngoba nga ngi methembha.

Ngathi lapo se ngi qedile wase ethi, "Ha kanti Mhlopekazi uzalwa endhlini embhi kangaka ingani njalo eyase bu khosini. Sengi zo ku thanda ka ncane ke manje, mntwana we ndoda eyi nkentshane.

Yindaba embhi leyo, kusho u Mhlopekazi, kuhle wazi Nada ukuthi, ngi funa uku ba ungi thande kakhulu manje ku na ku qala—ku funeka ube umkami ungi thande nje nge ndoda yakho.

Lapo ke ubuso be Mbhali ba ba no sizi ba ba buhle, kwa pela konke uku bhinqa ezi nkulumweni zakhe—ngoba u Nada wa ye ku thanda uku bhinqa.

Konje wa ke wa khuluma yini kimi ngo Zinita umkakho oyi nkosikazi ya bantu base Mbhazweni ngo bunye ubusuku emu pandwini wa kwa Vilakazi na?

Lapo ke u Mhlopekazi wa nyukubala wathi, Po u Zinita u nani na? Nempela kuyi lona iqiniso, uyi nkosikazi yami enkulu, kanti ku ya liwa yini ukuba umuntu athathe abafazi abaningi na?

Wathi u Nada, ngi yethembha ku yenziwa, esho ematheka, nga pandhle kwa loko amadoda ahlala isi khathi eside enga ganwa, kodwa angabe esazi thola izi ntombhi eziningi ngoba ababe besa hlala nabo kakhulu Kodwa ke Mhlopekazi uma abafazi be ama shumi amabili, kuya dingeka ukuba abe khona owo ku qala. U ya bona ke beku vama ukuba kube kanje; yonke indawo lapo kade ngi ba khona be ku bekwa mina pambhili, mhlaumbhe ku nge nziwa njalo futhi—ku ngaba njani ke loko Mhlopekazi na?

U nga qale usi khe isi thelo singa ka vuthwa Nada, uma ungi thanda wende kimina, kwa nele loko.

. Wathi u Nada, ngi ya cela mina ukuba ku nga gcini ngaloko, esho elula isandhla sakhe esi qhubela ku Mhlopekazi. Hau lalele Mhlopekazi, buza ku baba ukuthi

nga thini ngise mu ncane ngingakabi u mfazi nge minyaka eminingi eya dhlula, ngangi no mame u Makhoba mhla nge hlukana no baba siya e Swazini. Ngemuva kokuba wena u suthathwe yi bhubesi. Ngathi ku baba angi yi ku gana muntu mina ngize ngi fe, ngoba ngi thanda wena wedwa ku pela, wena owa se ufile. Wangi thethisa ubaba wathi, angi nga khulumi kanjalo ngo mfowethu, kodwe kwa ku puma enhliziyweni yami loko enga ku khulumayo, kwa ku yi qiniso loko, ngoba nawe uyabona Mhlopekazi, kanti au siye umfowethu, ngi sasi gcinile leso si fungo sami. Angazi ukuthi ba ningi ka ngakanani abantu aba funa ukuba ngi ba gane, ngi ku tshela ukuthi ba nga nga ma qabunga emithi. Akukho noma munye kubona enga muvumelayo, kanti iyona nhlanhla yami leyo, ukuba anga bibikho ongi bopelezela emendweni. Namuhla ke ku ya ngi lungela ngoba umuntu obengi lahlekele sengi mutholile. U yena ku pela engi muthandayo. Kodwa ke Mhlopekazi, qapela loku ukuthi. Aba banga nayo inhlanhla ababe ngi thanda nge si khathi esi dhlule, ngi sho nalabo ababe funa uku ngi bona. Ngi yowu thwala wonke lowo mthwalo, kusho u Mbulali.

Nge muva kwa loko wase ethi, seu funa ukulala ngoba waye khathele ese funa uku lala. Wa hambha ke u Mhlopekazi.

## ISAHLUKO XXXI

### Impi yaba Fazi

Nga ku sasa lapo ku sayo, u Galazi wa zi shiya izi mpisi zakhe, we hla entabeni ye mi Khovu, wafike wa ngena ema sangweni ase khaya.

Pambhi kwendhlu yami, wa bona u Nada i Mbhali wa mu bingelela ngoba babe sa bonana. Weza lapo ku hlala khona ibandhla sa khuluma.

Inkanyezi yo kufa se i fikile ku bantu base Mbhazweni Mbope, kusho u Galazi, beku iyo yini ebi zwiwa izi mpisi zami kusihlwa uma zi khala kabi ka njeyana na? Angazi, kodwa ngazi ukuthi, ikhanyise mina kuqala eku seni ingi hlolela ukufa. Yinhle ka khulu ifa nele ukuba ibulale aba ningi Mbope, wa hleka wa dhlula ezulisa u Mlindi. Amazwi akhe ahlala engi hlupa, kanti njalo au bu lima, ngoba angi kumbhulanga ukuthi ubuhle buka Nada obebu jabulisa amadoda babu wa donsela ekufeni.

Nga hambha ke, nga yo thatha u Nada ukuba ngi muyise enkundhleni ye bandhla, nga mu fica ese ngi lindile. E se bhince izi bhinco zabe si fazane engangi mu lethele zona, izi nwele za khe ezi ama shoba zithe bhu emahlombhe akhe, esi hlakaleni, nase ntanyeni nase dolweni, efake amasongo opondo lwe ndhlovu, nge sandhla epethe imbhali ye ntebe owaye yikhe uma eyo geza emfuleni. Mhlaumbhe waye yi khelela ukuba efuna ukuba abantu bakwa Zulu bamu qambhe igama ngayo, nje nga kwe zinye izi ndawo, ngoba ku u mkhuba we si Zulu ukuba umuntu aqanjwe igama nge sici ase nzayo. Kodwa ke ubani onga qonda ukwenza kwo muntu we si fazane na, noma lembhali wayi ka ngesizathu noma wazi khelela nje, baba, na. Futhi wa tsheleka isi pika sami esa senziwe ngoku hlakanipa a Besuthu nge zi mpape ezi mhlope ze ntshe, wa sithatha wase mbhatha ema hlombhe, sa khaula okhalweni. Waye kujwayele u Nada ku sukela ebu ntwaneni bakhe ukuba anga lingisi amanye ama ntombhazana ngo ku hambha enge mbhethe lutho nga pandhle kwesi gege, yena waye funa ingqeshana noma eye si khumbha embhese isi fuba. Mhlaumbhe waye kwenza loko ngoba isi khumbha somzimbha wakhe si sihle ku nabo bonke abe sifazane noma waye kwenza ngoba azi ukuthi, ofihla umzimbha wakhe uba muhle u thandeke ka khulu, noma mhlaumbhe kwa ku yi qiniso yini ukuthi ku khona igazi eli mu hlope ku ye, nokuthi ukwe mbhatha loku ufuze aba muhlope. Angazi baba, kodwa yena waye nza njalo.

Nga mu thatha nge ngalo ke u Nada eku seni ngaya naye lapo ku buthanela khona i bandhla, awu! lapo ke waye muhle e dhlula intsasa nomoya wayo omu nandi.

Kwa ku buthene abantu aba ningi e nkundhleni, ngoba kwa ku yi langa lom'buthano wa nyanga zonke, ku buthene ibandhla laba numzane, ku khona na be sifazane base khaya, ku hleli u Zinita pambhi kwabo. Kwase ku zwakele ukuthi, intombhi eyayi yo funwa u Mbulali ifikile emzini waBantu base Mbhazweni, amehlo onke aye buka yona.

E zwakala ama doda lapo isi dhlula ku wona, imamatheka inga qalazi nga lapa na nga lapa, kanti iba bona kahle bonke—,athi "U wewu! u wewu! yinhle le mbhali! Aku mangaleki ukuba abakwa Vilakazi baze bayi fele.

Abe si fazane nabo bayi buka, kodwa aba shongo lutho ngo buhle bayo, kwaba se ngathi aba buboni ubuhle buka Nada.

Kwa sho waba munye nje wathi, uye lo okufe abantu ba kithi abaningi, bafa benga gqitshiwe ngenxa yakhe.

Wathi omunye, loku okuhle aku bhincile uku thathe pi loku ufike lapa ku sihlwa eyisi hambhi seku bu hlungu nezi nyawo na?

Azi menelisi leziya zimpape, ake nibheke upethe ne zimbhali futhi, yizona ezi fanele izandhla zakhe ku ne geja, kusho owesi thathu.

Ngi yabona ukuthi, isi khulu saBantu be Mbhazo, sesi thole into esi zoyi khonza ku ne mbhazo, abanye bazo sala be khala, kusho owesine, esho ejeqeza nga ku Zinita nakwabanye abesi fazane bakhe u Mbulali.

Ba khuluma kanjalo ke, be jikijela ama gama nje ngo kucitshwa kwe mi khonto, u Nada wa bezwa bonke wayi qonda into aba yi shoyo, kodwa wa loku ema-mathekile njalo. U Zinita ku pela onga khulumanga lutho, waye loku emi nje ebuka u Nada ngama shiye agobileyo, nge sinye isandhla e bambhe indodakazi

encane ka Mhlopekazi ezalwa uye u Zinita, nge sinye isandhla ecubungula ubu hlalu obuse ntanyeni.

Sa mu dhlula si mazi ukuthi, ungu bani. Naye u Nada emubona ukuthi uye u Zinita, wa pendula amehlo akhe wa wabu ka amehlo ka Zinita agcwele ulaka, amehlo abo ahlangana ba bukana isi khashana. Ingabe u Nada wa cabanga uku thini ngoku buka u Zinita angazi, kodwa u Zinita ngi yamazi ukuthi uyi gwala kwezinye izinto, ku khona aye kwe saba uma ebukana no Nada, ngoba uyena u Zinita owabe seu upenduka u bheka le, ya dhlula iMbhali imamatheka, ya bingelela u Mhlopekazi ngo kuthi, nqeku, ikhanda ka ncane.

Sau bona Nada—. Wase ukhuluma na ba numzane bakhe wathi. U yena ke lo esasi yo mufunela u Dingane emi pandwini ya kwa Vilakazi. U wewu! le ndaba kanti se yi yaziwa, omunye wayi khuluma emzini wase Mgungundhlovu, kodwa aseuku pinda ayi khulume. U Nada wa ngi ncenga ukuba ngi nga muyisi ku Dingane, ne mpela nga kwenza loko. Ake ni mubuke pela, bakithi ni ngi tshele ukuthi, angi mu tholanga ka nzima yini— I Mbhali eyi ntebe, engekho efana nayo ezweni, izoba uku jabula kwa base Mbhazweni i be umkami.

Aba numzane ba pendula nga zwi li nye bathi. Impela wenza kahle Mbulali, ngoba be xhoshwa ubuhle buka Nada.

Yi Mpisi eu Galazi ku pela eya nikina· ikhanda nje ayaze ya khuluma lutho, ngoba akusizi lutho uku khuluma upikise abantu uma beya engozini. Nga buya nge zwa kamuva ukuthi, inkosikazi enkulu ka Mhlopekazi u Zinita, ese zwile ukuthi kanti ku nje, nokuthi kanti u Nada akusiye u dade wabo ka Mhlopekazi. Wathi ukuba ezwe ukuthi use funa uku menza umfazi wakhe, wathi ku Mhlopekazi, ku ngaba kanjani loko, Nkosi, na?

U buzelani kanjalo Zinita na? U muntu amuthathi yini omunye umfazi uma e thanda na?

Impela Nkosi uya muthatha, kusho u Zinita, abantu ababa thathi odadewabo, ngi zwa ukuthi wa mu sindisa

ku Dingane ngoba eu dadewenu, wa bangela abantu base Mbhazweni ukuba ba zondwe u Dingane nje ngoba ezoba bulala bonke nje.

Nami nga ngithi u Nada u dadewethu Zinita, sengi zwile ke manje ukuthi, aku njalo. U Nada uzalwa u Mbope yena lowaya, asiye ubaba wami noma kambhe kade ku njalo, no nina ka Nada asiye u mame. Injalo ke indaba madoda.

U Zinita wase ebuka mina wakhulumela pansi wathi, Silima ndini so Mlomo, ngangi vele ngi kwe saba.

Nga muzwa nje, kodwa angaze nga naka, wa pinda futhi wathi ku Mhlopekazi. Nasi isi mangaliso ke Nkosi, Mbulali. Kungebe kuhle yini ukuba usi tshele ukuthi uyihlo ubani na?

Wa pendula wathi, angi naye u baba, ese thukuthela; ubaba wami yi zulu eli pezulu. Ngi zalwa yi gazi no mlilo, u Nada uzalwa uBuhle ukuba abe umngane wami Thula ke manje, mfazi.

Ngemuva kwe si khashana ethule wase ethi, uma ufuna ubaba, yebo, u baba kwaku u Ndabezimbhi isangoma, owaye yi sanusi se nkosi ozalwa u Api. Loku u Mhlopekazi wa kusho ese ku shwampuluza, Ingenxa yokuba kufanele amusho uyise ngoba mina ese ngi pikile, enga funi u ku patha igama le Zulu eli Mnyama ese lafa. Kodwa ngase muva kwe minyaka izwe la kwe mukela ukuthi u Mhlopekazi uzalwa u Ndabezimbhi i sanusi, esi kade sa hambha ngo ku baleka, naye enga ku landuli loko. Kwathi lapo uku khuluma seku miswe kanje, u Mhlopekazi athandanga ukuba kwa ziwe ukuthi uyi ndodana ka Shaka, ngoba waye ngasa ku funi ukuba abe yi Nkosi esaba uku zi xabanisa no Mpande.

U ma abantu bezwa u Mhlopekazi esho nje ku Zinita ba cabanga ukuthi, uya mu bhinqa, kanti njalo amazwi akhe aku qala, awa khuluma ethukuthele uma ethi u zalwa yiZulu eli pezulu, waye qinisile ngoba thina ma Zulu inkosi yethu si yi biza ngo kuthi yi Zulu eli Pezulu.

sa sho njalo ne sangoma esi u Ndabezimbhi ngo suku olu khulu lo mhlahlo. I bandhla ali nakanga uma ethi uzalwa yi zulu, la kholwa ukuthi uqinisile uma ethi uzalwa u Ndabezimbhi oyi sangoma, ese sa baleka ezweni, engi nga sazi ukuthi sa shona pi.

U Nada wase ebheka ku Zinita, wa khuluma naye nge zwi elihle eli thambhileyo wathi. U ma ngi nge siye udadewabo ka Mbulali, masinyane ngi zoba u dade wenu, wena nkosikazi enkulu Zinita. Awu zu kwe neliswa yini yiloko na? Yini ungangi bingeleli ngomusa nango ku thula, ngi pu ma kude kangaka ukuba ngi zokuba u dadewenu Zinita na? U Nada we lula izandhla zakhe ukuba ba xhaulane noZinita, angazi noma lezi zandhla waye zi qhuba nge nhliziyo enhle yini, noma mhlaumbhe waye ziba abantu yini, ukuthi wenza into efaneleyo, angazi. U Zinita wa nyukubala wazi hluthula u mgexo wakhe wobuhlalu entanyeni, wawu gqa shula kwa hlakazeka ubuhlalu yonke indawo endhlini.

Wathi loko ku bingelela kwakho oku hle, ku londoloze ntombhi, uyo bingelela ngakho inkosi yakho, esho ngo laka. Abantu base Mbhazweni uyo ba chitha nje ngoba ku chitheka ubu hlalu bami lobu.

Wa fulathela u Nada e babaza, abantu ba vungazela ngoba be buka ukuthi u Zinita amupathanga kahle u Nada. Wase elula isandhla sakhe futhi enika u Mhlopekazi i mbhali ethi.

Nanku u mkonzo wo ku ganana kwethu, Nkosi, ngoba mina nobaba asi zange sibe nayo noma yinye inkomo esi nga yi thumela, ngoba sa chitheka, nge mpela zi nga shaywa u myeni. Sengathi ngi nga letha uku thula no thando nkosi yami!

U Mhlopekazi wayi thatha imbhali, wa suke waba nje nge si pukupuku nje nayo, kwa ku fanele ukuba apathe isi zenze, anga pathi imbhali, kwema lapo ke loko ku khuluma.

La fika ke ilanga nje nge siko labantu base Mbhazweni ukuba kuthi nge linye ilanga, kanye ngo nyaka

u mpathi we si zenze abize noma ubani othanda uku banga isi zenze naye ukuba balwe. Kwa thi lapo inkulumo yalowo msebenzi isi yenziwe, wa sukuma u Mhlopekazi ebiza lowo ongalwa naye, engazi ukuthi ukhona onga vela ngoba kwase ku yi minyaka eminingi ku ngekho onge za abhekane naye ugenxa ya mandhla akhe. Kodwa kwa puma ama doda amathathu, ama bili ku wona, kwa ku yizi nduna za khe ze mpi ezi thandwa ka khulu u Mbulali, kwa mu mangalisa loko nabantu ba mangala uma be ba buka.

Wathi, ku kanjani loku na, ebuza ku leyo nduna eyayi se duze naye, ekhuluma ka ncane.

Ya mu pendula ngo ku khombha u Nozimbhali owaye mi ngaku Mhlopekazi waba se uyezwa u Mhlopekazi ukuthi, imbhangi yokuba ba fune uku lwa, ubuhle buka Nada ba funa ukumthatha ngoba lowo onga zuza isi zenze angabe seu zuza no Nada futhi. Kwa fumaniseka ukuthi u Mhlopekazi uzo kulwa na bantu abaningi aba funa u Nada. Kodwa maka lwe, uma ku nge njalo ahlaziswe.

U ma se ku lwiwa ke, baba, aku kho ndaba ende. U Mhlopekazi wa mu bulala owo kuqala no wesibili futhi wa mubulala ngesi khashana esi ncane nje, ngenxa yokwe saba owe sithathu abange eseza.

"Ha! ku sho u Galazi owaye bukela, ngi theni ku we Mbope na? Isi qalekiso sesi qale khona manje. Lapo ku hambha khona le ndodakazi yakho ku khona uku fa.

Nga pendula ngathi. Ngiya bona ukuthi ku njalo, kodwa noko intombhazana yinhle i lungile iya thandeka.

Aku soze kwa siza lutho loko, ku sho u Galazi.

Nga lelo langa ke u Mhlopekazi wa mu thatha u Nada wa menza u mkakhe, kwa ke kwa thula kwathi cwaka, isi khashana.

Kodwa ububi bamu velela u Mhlopekazi kusuka kulelo langa amu thatha ngalo u Nada, engasa funi neze noku buka u Zinita, enga zondi yena yedwa, ese ba zonda bonke abafazi bakhe. U Galazi wathi, u Nada seu mu

gadhlile u Mhlopekazi, kodwa mina ngazi kahle ukuthi ubu thakathi buka Nada kwa ku amehlo akhe, no buhle bakhe, no thando lwakhe. Ku sukela ku leso si khathi kuze ku pele isi khathi eside u Nada esafa u Mbulali waye loku emu thanda, yisifo esi yisi mangaliso leso endodeni.

Nje ngoba kwa ku fanele ukwe nzeka ke, baba, u Zinita kanye na banye aba fazi, lolu thando lwaba patha kabi. Bake ba thula nje isi khathi impela, becabanga ukuthi, lolo lu thando luzo buye lupele, ba qala manje uku bubula endodeni yabo naku bantu, isi gcino abantu ekhaya ba hlepuka izi gaba ezi mbhili, abanye ngaku Zinita, abanye ngaku Nada.

Aba ngaku Zinita kwa ku yisi fazane sodwa kanye namanye ama doda athile, athanda kakhulu, futhi esaba aba fazi bawo, kodwa abangaku Nada babe ba ningi ka khulu ku ama doda odwa epethwe u Mhlopekazi, yiso ke leso sigaba esasi no mu sindo kakhulu noku xabana ezindhlini. Kodwa o Nozimbhali beno Mhlopekazi aba nakanga kakhulu, aba banga na ndaba nje nga lutho ngoba babe libele uthando lwabo boba bili.

Nge linye ilanga ekuseni seku pele izi nyanga ezi ntathu be ganene, u Nada wa puma endhlini ya kwa khe wa qonda emfuleni emadwaleni ukuyo geza, ilanga seli pakeme, eceleni kwe ndhlela eya emfuleni nga kwe sokudhla isandhla, kwa ku khona amasimu ombhila esi khulu, pakathi ku wo ku hlakula o Zinita na banye aba-fazi baka Mhlopekazi. Bathi uma bebheka bamu bona futhi ese buya eku gezeni, ese muhle kabi, ehlome izi mbhali ezi nweleni ehambhe 'hlabelela ingoma yo thando. U Zinita ke lapo wa lahla pansi igeja.

Wathi, Singa yi bekezela into enje bo dadewethu na?

Wathi omunye cha, ayi na ku bekezelwa. Sizo kwe-nzenjani na—si nge musu kele yini si mu bulale na?

Ku ngaba kuhle kakhulu ukuba ku bulawe u Mbulali inkosi yethu, ku pendula u Zinita, ngoba u Nada u mfazi nje ufana nathi sonke bafazi sithanda konke esi

ngase siku thole. Kodwa yena yindoda futhi uyisikhulu ufanele ukuba abe no kwazi no mthetho.

Sewa mu thatha ngo buhle bakhe. Bathi abanye abafazi asi mu bulale lo Nada.

Wathi u Zinita, "cha ngi zo khuluma naye mina, wa hambha wayo kuma endhleleni, u Nada owaye hambha ngayo e hambhe 'hlabelela esonge imi khono esi fubeni.

Wathi ukuba u Nada abone u Zinita, wa yeka uku-hlabelela, we lula isandhla emu xhaula ethi saubona dadewethu, u Zinita aze ase mukela wathi, aku fanele ukuba zithi izandhla zami zi ngcole kangaka umsebenzi ngi ngcolise ezakho ezi sa nuka amakha ezi mbhali dadewethu. Kodwa ke ngize ku we ngo kwami na ngenxa yabanye aba fazi be nkosi yethu u Mbulali ukhula se lwe nile lapaya ensimini, thina ba fazi si yi ngcosana, nawe izi nsuku zakho zoku qoma seza pela, yini ungezi uzo si hlakulisa na? U ma lingekho igeja owa fika nalo upuma eSwazini, impela singa ku thengela

Wa bona u Nada ukuthi, u Zinita u thini, ikhanda lakhe lagcwala igazi nge nxa yoku thukuthela, kodwa wa khuluma kahle.

—Ngi nga kwenza kahle nje loko dadewethu, noma ngi nga zange ngi sebenze nje ema simini, ngoba yonke indawo lapo ngi ke ngi hlale khona, ama doda aya ngalela ukuba ngi sebenze nga pandhle kwo msebenzi wo kwe luka izimbhali no buhlalu ku pela. Kodwa yiloku futhi oku ngalelayo ku pela, u Mhlopekazi i ndoda yami wathi, ngi nga bo sebenza nge zandhla, angi funi ke u ku ngayi laleli indoda yami.

Hawu indoda yethu isho njalo ku we Nada na? Cha, yisi mangaliso ke lapo.

U Yabona ke, yimina i nkosikazi yakhe enkulu,— yimina enga mufundisa ukuthi imbhazo anga yi thola ka njani. Kodwa noko angi nikanga umthetho wokuthi, angi nga sebenzi emasimini ngo mkhuba waba fazi,

mina lo, ese ngamuzalela abantwana, ngi sho nalaba odadewethu omkakhe, amukho owake washo njalo ku yena.

Kungase kube yikho yini ukuthi, u Mbulali uthanda wena ku nathi, Nada, na?

Ya bona manje i Mbhali ukuthi isi ku noxhaka. Yase i qunga isi bindi.

Ku ya funeka ukuba umuntu athandwe ka khulu Zinita, uma emuhle ka khulu. Kwa ke kwaba njalo nakuwe au ngi yeke nami; mhlaumbhe esami isi khathi sizoba si fu shane. Nanga pandhle kwaloko sa thandana no Mhlopekazi ku qala ekadeni wena nabanye omkakhe ninga ka muboni, sa thandana kwaze kwaba se ku gcineni. Se ku pelileke.

Cha Nada, ku se khona okunye, yiloku. Khetha kube kunye kulezi zinto ezimbhili. U kuba u hambhe usi shiye sisale si jabula ne ndoda yethu, noma uhlale kufe bonke abantu.

Waqale wacabanga u Nada isi khashana, wase uya pendula uthi: Uma ngi qonda ukuthi isi thandwa sami singa fa sife ngenxa yo thando lwami, kungaba yi mfanelo ukuba ngi hambhe ngi si shiye, kanti uma nginga kwenza loko ngi nga fa. Kodwa Zinita aku ngi kholi. U kufa ku thandana nabantu aba bu thakathaka uma kufika, ku nga thatha i Mbhali, hayi u Mbulali wa bantu, wa dhlula ku Zinita wa hambha engasa hlabeleli.

U Zinita wa mubuka waze wayo 'shona okhalweni wa mu buka, ubuso ba khe baze ba ba bubi. Wase ubuyela kwabanye abafazi.

Wafike wathi, i Mbhali isi hleka sonke bo dade. Ake nilalele, mina ngi thi akwe nziwe idili laba fazi mhla ku thwese inyanga, kude, endaweni esithekileyo. Ku ze bonke abafazi na bantwana, ku sale u Nada yedwa, ngoba ngeke asi shiye isithandwa sakhe, uma ingase i be khona indoda ethandwa umfazi, mhlaumbhe, bo dade, leyo ndoda ingabe iya zi siza ukuba ihambhe nga leso

si khathi soku thwasa kwe nyanga, ngokuba umuzi waba se Mbhazweni uyo kwe hlelwa yi zinto ezimbhi nga lelo langa singe kho thina sise dilini.

Wa buza omunye wathi, kuyo velani, dade, na?

Wathi u Zinita, Ngi ngeze nga qonda. Into engi ya ziyo nje, ukuba se hlukane no Nada si pindiselwe nathi ku muntu ose delelayo simu thanda—ehene, kanye na labo aba landelana no buhle buka Nada. Aku njalo yini bo dade na? Bapendula bathi ku njalo. Ni ngayi khulumi ke le ndaba, asi memezele idili lethu.

U Nada wa mu tshela u Mhlopekazi konke abebe ku khuluma no Zinita. Kwa mu khathaza kakhulu. Kodwa ngenxa yo bu wula bakhe bo thando luka Nada ayi yekanga into owaye yenza, enga sasuki e celeni kuka Nada sonke isi khathi, kunga sekho aku cabangayo nga pandhle kuka Nada. Njalo ke kwathi lapo u Zinita efika kuye ecela ukuba bayo kwenza idili kude, wa vuma ngoku jabula ngoba oku kakhulu waye fisa ukuba ake akhululeke uku lo e bukwa u Zinita nga mehlo amabi, enga cabangi ukuthi baya ukuyo hlangana ngaye Wathi afuni ukuba u Nada aye ku leli dina. Ba vuma bobabili o Zinita no Nada bathi, nabo bebe nga funi ukuba abe khona ku leli dina.

Mina Mbope nga bubona ubu khazi khazi bobuso obuyenga u Mhlopekazi umntanami nga yi khuluma lendaba no Galazi ngathi, akwe nziwe isu avuswe. Nga ku yeka uku mesaba u Galazi, nga mu tshela konke anga kwaziyo ngo Mhlopekazi okuyi ngcosana. Futhi ngamu tshela nge su engili qondile, ukuba u Mhlopekazi ngi menze abe yi nkosi nakho konke ese ngi kwe nzile koku mlungisela ubukhosi, ne ngi funa uku kwenza, okwa ku funeka ngi hambhe mina ngi ye kwe zinye izikhulu ukuba ngi zi vumise.

Wa lalela u Galazi wase uthi, kungaba kuhle, mhlaumbhe kube kubi, kunga bonakala khona. Wathi yena ubuka ukuthi, ku zothi kwe nziwa konke loku indoda-

kazi yakho u Nada ibisi hlipize ya qeda, esho emu khombha edhlula elandela u Mhlopekazi.

Kodwa noko nga zimisela ukuba ngi hambhe, nga hambha mhla kuzothi kusa u Zinita abe ecela idili labe sifazane. Nga mu funa ke u Mhlopekazi nga mu tshela wa lalela, kodwa inhliziyo yake ingekho ngoba waye funa uku landela u Nada, kwa mu khathaza uku lalela i cebo lami. Nga mu valelisa nga mu shiya, no Nada nga mu valelisa—wa lipatha igama le ndoda yakhe uma sivalelisana.

Ngase ngi bona ukuthi, laba bantu bobabili ba fikelwe ubuhlanya. Kodwa kuzo buye ku pele, ngi yothi ngi buya bese be okunye.

Nga qagela kancane ukuthi ngi yothi ngi buya bese be okunye kanga kanani.

## ISAHLUKO XXXII

### U KU FIKA KUKA ZINITA E NKOSINI

U Dingane i Nkosi waye hlezi nge linye ilanga emuzini wase Mgungundhlovu, elinde ukubuya kwe mpi yakhe e Ncome. Blood River owaye yi khipe ukuba iyo bulala isi kaniso sama Bhunu, ecabanga ukuthi, izo sheshe ibuye inqobile, waye hlezi engenzi lutho ebuka amanqe ezula pezu kwe ntaba oku bulawelwa kuyo abantu, ekakwe yi butho.

Wase ethi kwe nye induna. Izinyoni zami zi lambhile

Yathi induna, Mhlaumbhe izo sheshe itholakale inyama yoku zipa Nkosi.

Kwase ku fika omunye esethi, ku khona umfazi;ocela uku khuluma ne Nkosi nge ndaba enkulu.

Yathi i Nkosi. Mutsheleni eze, sengi khathele yizindaba mhlaumbhe uzo ngi tshela eze mpi.

Ku senjalo bamu ngenisa umfazi emude, emuhle, e bambhe abantwana aba bili nge sandhla.

Wa buza u Dingane wathi. U ze ngani na? Wathi umfazi, ngi zo cela umthetho Nkosi. Wathi u Dingane Cela igazi lona eli zau shesha ukutholakala. Wathi umfazi, Ngi cela igazi Nkosi. Wathi u Dingane, U cela igazi lika bani na?

Ngi cela igazi lo Mbulali opethe abantu base Mbhazweni, nelika Nada u Nozimbhali, kanye ne laba landeli bakhe.

U Dingane wa gxuma wa bheka pezulu, we funga iZulu eli Mnyama ese lafa. Wathi, U thini na? Kunje ngo kusho kwe butho yini kanti ukuthi i Mbhali ikhona na.

Ikhona Nkosi, kusho inkosikazi yo Mbulali, ngenxa yobu thakathi bakhe lo Nozimbhali, mina nkosikazi yakhe yoku qala angisa pethwe ngo mthetho we nhlonipo. Ngalokho ke ngi cela ukuba ngi pindiselwe ku lo mthakathi nakuye lo oyi ndoda yami.

Yathi i Nkosi. U ngu mfazi olungileyo wena. Sengathi i dhlozi lami eli ngi lindayo linga ngi sindisa ku muntu onje. Wathi u Dingane, Lalela ke! Bengi nga senza isifiso sakho ngo ku jabula ngoba nami futhi ngi yamu zonda u Mbulali, nami futhi bengi ngayi bulala le Mbhali. Kodwa ke mfazi u fike nge si khathi esibi. Lapa ngi sele ne butho linye kupela, u Mbulali angali bulala impela. Au kahle kuze kubuye impi yami, yaya ukuyo shanela ama Bhunu, ngi zo kwenza loko oku celayo. Po abaka bani labo bantwana na!

Abethu no Mbulali indoda yami.

Abantwana bakhe lo ofuna ukuba abulawe na? Yebo nkosi.

Impela mfazi ungu mfazi isi bili, ku sho u Dingane. Sengi khulumile hambha ke!

Kodwa inhliziyo ka Zinita yayi lambhele uku pindisa oku sheshayo nokwe sabekayo ku Nozimbhali ose thathe

isi khundhla sakhe, noku pindisa endodeni yakhe emu susayo ibeke u Nozimbhali esi khundhleni sakhe. Waye ngasa funi ukulinda ngi sho na kancane.

Wathi, Lalela Nkosi, bengi ngaka qedi. Lo muntu u Mbulali, ehlangene no Mbope, bakha isu bafuna isi hlalo sakho sobu Khosi, u Mbope ka Makhedama owaye yi nduna ye bandhla lakho.

U songela isi hlalo sami sobu khosi mfazi na? Isi bankwa si songela isiwa ese thamela kuso na? Muyeke asonge; u Mbope lowo ngi zomu bambha.

Yebo Nkosi, ku sengaka peli. Lo muntu u ne linye igama, ku thiwa u Mhlopekazi indodana ka Mbope. Kodwa azalwa u Mbope, uzalwa yi Zulu eli Mnyama ese lafa, i Nkosi enkulu eyayi u mfowenu, imuzala ku Baleka udade wabo ka Mbope. E he, ngezwa ku sho yena u Mbope ngomlomo wakhe. Ngi yazi yonke indaba. U yena oyi ndhlalifa yalesi sihlalo sakho sobu khosi ye gazi Nkosi, wena uhlezi esi khundhleni sakhe.

Kwaze kwaba yisi khathi uDingane ethule emangele Wase emubiza u Zinita ukuba asondele kuyena amu xoxele.

Nge muva kwe si gqiki aye hlezi kuso, kwa kumi izi nduna ezimbhili ku pela, abanumzane u Dingane owaye ba thanda, yibona bodwa ababe zwe amazwi ka Zinita oku gcina Wathi, aba hambhe bayo kuma pambhi kwakhe, kude nabanye abantu lapo benge zu kuzwa khona.

Wa sondela ke u Zinita eduze kuka Dingane, wamu landisa indaba yo ku zalwa kuka Mhlopekazi nakho konke okunye nezinye izi bonakaliso ne zenzo zika Shaka owayezi khumbhula, u Dingane wa kwazi ukuthi kuyi qiniso.

Kwathi lapo ese qedile u Zinita, wase ubiza induna ye mpi indoda enkulu u Faku, wase ebiza amanye amadoda athile ayizi nceku. Enduneni ye mpi wa khuluma ngo laka wathi:

Thatha imizila emithathu kanye na bazi izi ndhlela niyo ba ngenela ebu suku abase Mbhazweni ngase Ntabeni yemi Khovu, nifike nishise umuzi ni bulale bonke abathakathi aba pakathi. Oku ka khulu, ni bulale isikhulu esi ba petheyo u Mbulali oku thiwa u Mhlopekazi. Nimubulale ka buhlungu uma ku ngase kwenzeke, kodwa ni bo mubulala ni lethe ikhanda lakhe lapa kimi. Nimu thathe lowo mfazi wakhe oku thiwa u Nada Nozimbhali, ni mulethe lapa kimi ezwa, ngoba yena ngi funa ukuba azo bulawelwa lapa. Ni buye nazo futhi izi nkomo. Hambhake, usheshe khona manje. U ma ni buya ne hlulekile, ninga wenzanga umthetho wami, noma yi kancane nje, niyo kufa ngobu hlungu kancane nonke. Hambha ke!

Induna ye mpi ya khuleka, ya gijima yaya emabuthweni ayo, yawa tshela lowo mthetho. Kwa puma imi zila emithathu njengo kuyi biza kwayo, yamu landela bapuma e sangweni lomuzi wase Mgungundhlovu nge jubane, ba qonda entabeni yemi Khovu.

U Dingane wase ebiza izi nceku za khe, wazi khombhisa laba ba numzane ababili ababe zwile uma u Zinita ekhuluma bemi emuva kuka Dingane, wathi aba bulawe.

Baku zwa loko labo ba numzane, bayi khulekela i Nkosi, base be mbhoza ubuso babo ngoba nabo bazi ukuthi, bebe lalele bezwa kakhulu. Ba bulawa njalo. Omunye ku laba ba numzane ababili uyena owayethe Mhlaumbhe izo sheshe itholakale inyama yoku pa amanqe e Nkosi.

I Nkosi yase itshela izi nceku zayo ukuba zi thathe abantwana baka Zinita zi hambhe nabo.

Wa khala u Zinita uma ezwa i Nkosi isho njalo, ngoba wayeba thanda abantwana bakhe. Lapo ke u Dingane wase uyamu bhinqa wathi:

Uthini, uyi silima noma ungu mfazi omubi yini wena. U thi ku le ndoda yakho osuyi nikela ekufeni, i zalwa yi lowo ose wafa na? uthi uyi ndhlalifa esihlalweni

sami. U thi futhi laba bantwana ba zalwa uyena, oku ukuthi uma ese file ku yosala bona babe yizi ndhlamafa esi hlalweni sami. Ngi ngebe ngi !uhlanya yini uma ngi ba yeka ba pile na? Mfazi, uzi bhabhise ngo no xhaka wakho. Basuseni.

Sa qala isi khuni ukudhla umkhwezeli ku Zinita, wa qala uku zisola ekuhlupekeni kwakhe, wa thwala izandhla zakhe ekhala ethi, seuyazi sola ngo bubi abenzile wathi u zoba tshela o Mhlopekazi no Nozimbhali aba zau kwenziwa kona. Wa penduka ethi ufuna ukubaleka ayo puma ema sangweni. Ya muhleka nje i Nkosi ya vuma nge khanda, bamu buyisa, naye wa bulawa nje ngaba ntabakhe aye fike eba bambhe nge sandhla.

Kwaba njalo ke baba, za thela kanjalo izi thelo zo bubi buka Zinita, inkosikazi e nkulu ka Mhlopekazi, umntanami.

Abo kugcina ke lapa aba bulawa e mzini wase Mgungundhlovu, ngoba kwathi lapo u Dingane ese mubulele lomfazi na ba ntwana bakhe wa ziwa ekhathazekile emu pefumulweni wakhe, uthe uma ethi uya buka wabona iqele lentaba limunyama abantu, waba bona ngo ku bhinca kwabo ukuthi, iyona impi yakhe—aye yi khipe ukuba iyo hlasela ama Bhunu.

Kepa yini ibuye isi jabhe kangaka, zipi izi dhlodhlo zayo, api ama hawu ayo, ayi zwakali ngani ingoma yoku nqoba na? Yiwo impela amabutho, kodwa ase hambha izi xukwana nje nga ba fazi, ebhekise ama khanda pansi nje nga bantwana.

U Dingane wa lizwa iqiniso ukuthi, impi yehluliwe lapo ibi lwela khona emfuleni wase Ncome, izi nkulungwane ezi ningi zi fele esi kanisweni, nezinye izi nkulungwane ezi ningi zi muke no mfula i Ncome, amanzi omfula aze aba bomvu yi gazi, umfula waze wagcwala izi dumbhu, aba pilile ba hambha pezu kwazo.

Wakuzwa qede u Dingane konke loko we saba, ngoba kwa thiwa ama Bhunu ayi landela eduzane impi eya hluliweyo, ahambha nga mandhla.

Nga lelo langa wa baleka wayo ngena ehlathini lase Mfolozi emnyama, isi bhakabhaka ngalobo busuku, saba bomvu u mlilo owa wu shisa umuzi wase Mgungundhlovu, lapo i Ndhlovu ingase yuku pinda ikhale ku wo, na manqe ethuswa uku duma kwa ma langabi abaleka entabeni yoku bulalela abantu.

U Galazi waye hlezi em'lenzeni womthakathi we tshe egqolozele ema thafeni abanzi nge nzansi, ku muhlope uku khanya kwo nyezi seku zau kusa. U Khalelimpunga enswini-nswiniza eceleni kwa khe, u Bambhufele eshumeka ikhala lakhe esandhleni sika Galazi, kodwa u Galazi aze anaka, ngoba waye cabanga ngo ku wa kuka Mhlopekazi kwo kade eyikhona ese zoba nje ngo mfazi oyi sigqili, futhi ecabanga nango ku chitheka kwa bantu base Mbhazweni, ngenxa yoku fika kuka Nada. Ngokuba bonke abe sifazane nabantwana, babe ngekho beye e dilini labe sifazane benge zukubuya ku ze kube yisi khathi eside, ku Galazi kwaba sengathi kukhona amadoda amaningi a nyenyile ahambha, sengathi bezwe ingozi ezayo.

Wa sho kakhulu u Galazi ku Bambhuzufele wathi. "Ha i Nkosi yezi Mpisi u mfowethu isi pendukile, ngenxa yo kwa ngiwa u mfazi. Ayisa zingeli, ngeke apinde apakame u Mkhalisi wa Bantu, seu funa ukwangiwa umfazi kupela, asa funi ukuthintwa ulimi lwakho olu hayayo, use loku ebambhe isandhla somfazi, asa bambhile isi bambho esi bushelelezi so pondo, yena obe sabeka kunabo bonke abantu engo wokuqala, ngoba ufikelwe yileli hlazo loku gcina. Impela u Shaka waye yi nkosi enkulu, noma waye mubi nje, ubukhulu bake wabu bonakalisa ngo ku nqabela ama qhawe ukuba aganwe, uku ganwa ku yenza inhliziyo i thambhe, ne gazi li penduke libe amanzi.

Wathula uGalazi, wa ponsa amehlo ngase muzini wabase Mbhazweni, wa bona uku khanya oku sengathi ku lo ku ngena ku buye kupume eku peleni kwe thunzi lentaba yemi Khovu, ku njengo sungulo lungena lupuma esi khumbheni, ku vele kubuye ku nyamalale.

We thuka wa buka, Ha! nakho uku khanya seku puma ethunzini. Ha! ngi mfunge u Shaka kanti uku khanya kwe mi khonto!

Wa pinda wa buka futhi u Galazi wabona ukuthi yimpi encane, sengathi ama doda anga makhulu amabili be gijima ngo ku nyenya, kodwa abayi empini, ngoba abazi fakile izi dhlodhlo. Kodwa noko baya ukuyo bulala, ngoba ba gijima beyi zigaba nge zi gaba ba pethe imi khonto nama hawu.

U Galazi wayeke ayi zwe impi enje e zingela ebusuku, wabona kahle futhi ukuthi, yizinja ze Nkosi lezi, zi zingela abantu, iya emuzini omkhulu onamadoda ase lele, mhlaumbhe izinja za khona ziyi ngcosana. Mhlaumbhe yonke leya mpi ithunywe ukuba iyo bambha inyamazane izwa yini na? U Galazi wa mangala nje ukuthi ifuna bani. Wayi bona isi bheka ngase zibukweni wase uya bona ukuthi ifuna umfowabo u Mhlopekazi no Nada i Mbhali na Bantu be zembhe. Yi zinja ze Nkosi lez'ya, zi vulelwe u Zinita. Yi kho enze idili laba fazi nje, naba ntwana bakhe wa hambha nabo, yikho abaningi be biziwe bapuma ekhaya nge zi zathwana ezithile nje, kwe nzelwa ukuba basinde eku bulaweni.

U Galazi wa gxuma wema nge zinyawo, wathi uku cabanga isi khashana. Laba ba zingeli bona bange zingelwe yini na. Angeba bulale yini yena nge mihlathi yezi mpisi nje nge nye impi ye Nkosi ayi bulala kanjalo na. Yebo, uma ubesheshe wayi bona khona ku qala, ngoba beku ngeke kusale noma munye obe ngaze ayo fika emfuleni epilile, ngoba ubezoba lalela endhleleni nge zi mpisi zakhe. Kodwa manje aku sena kwe nzeka ama butho ayese sondele ezibukweni, eqonda kahle u Galazi ukuthi, abantu bakhe aba mpunga aba naku zingela ethafeni eli nga pesheya, isizathu saloko waye sizwile si khulunywa ofile epupweni.

Po uzokwe nzenjani na? Kunye ku pela anga kwenza ku ukuvusa u Mhlopekazi. Kodwa kanjani na. Kumuntu onje ngaye nje okwazi noku hlambha emfuleni otha-

thayo, kwa ku lungile ngoba yayi khona indhlela emfushane eya e Mbhazweni. Leyo ndhlela yayi li nganisene naleyo ehambha impi, kwe zinye izi ndawo ize isondele ka khulu kwe nye, noma ku njalo wabona ukuthi, anga hambha, ngoba waye ne jubane ku nabo bonke ezweni nga pandhle ku ka Mhlopekazi. Wabona u Galazi ukuthi kuhle ake alinge. Mhlaumbhe impi izoke i libale uku puza emfuleni.

U ku cabanga kanjalo kuka Galazi kwa shesha nje ngoku nyampuza kwo nyazi. Wasuka nge jubane wehlisa intaba. E ngqesheza ematsheni nje nge nyamazane afolokohlela emenweni nje nge nkunzi, antaze obaleni nje nge nkonyane. Wayi qeda intaba, kwasala ukuba awele umfula owau pambhi kwakhe amanzi awo empofu, unama gwebu ugcwele, waye ke wau wela ku qala mhla eyo funa umuntu ofile. Wa gxuma wa sho pakathi emsingeni, amanzi ethatha kodwa wawa shaya ngesi fuba. Waye washo nga pesheya, wema odongeni enikina amanzi emzimbheni nje nge nja, wasuka nge jubane we nyusa umhoshana wa matshe eqonde kwe lide iqele, egijima nje nge zi mpisi zakhe.

U the ethuka umuzi wase u pambhi kwakhe, nganhlanye ukhanyiswe yi nyanga isi shona i mhlope, nga nhlanye u lu thuthu wenziwa uku sa. Hau! seyi khona impi, wayi bona i hambha esi khotheni nge sango eli nga sempumalanga; wazi bona izi nhla ezinde zaba bulali zi nyonyoba, abanye beya nga kwe sokunene, abanye beya nga kwe sokudhla komuzi.

Wa khohlwa nje ukuthi anga dhlula kanjani bengaka wuhlanganiseli umuzi na. Kwa ku se yi banga afike emuzini, kodwa impi isi se duze nomuzi. U mbhila wase u khule waba mude ensimini, kwe nye indawo wa wusondele kakhulu othangweni. Wenyuka nge ndhlela waze wa cabanga ukuthi yena, u mfowethu u Mhlopekazi anga gijima ka ngaka, adhlule impisi igijimela ukuyo msindisa na. Wafike wa casha ema khabeni ombhila. Impi yafike yawu kaka umuzi nga pandhle ko thango yawu hlanganisela pakathi.

"Hawu! yini leyo, kusho omunye ku bantu baka Dingane, ebuza ko munye uma sebe wuhlanganisela umuzi ukuba bawu bhubhise. Hawu! ku khona into enkulu emunyama e folokohlele othangweni pambhi kwami.

Ngi yi zwile mfowethu, ku pendula omunye. Ngi kuzwile nje, kodwa angi ku bonanga. Mhlaumbhe be ku yinja, amukho umuntu onge qa indawo epakeme kangaka.

Be ku fana ne mpisi, ku sho owo ku qala. Siya jabula, kodwa ngoba be kungesiso isi dawane ebesi zosi faka eqomeni. Seu lungisile umlilo wakho mfowethu na? Hewu! laba bathakathi bazo vuka sebe fudu mele, seku zo sheshe ku shiwo ukuthi asi shise khona manje.

Kwe zwakala izwi elikhulu lithi. "Vukani nina eni leleyo, ingene."

## ISAHLUKO XXXIII

### U ku pela kwa Bantu aba Mnyama na ba Mpunga

U Galazi wa gijima wa ngena pakathi ko muzi ememeza ka khulu, nge muva kwa khe kwa nyakaza abantu. Babe lele bonke lapa ekhaya, ku ngekho nhloli elinde umuzi, ngenxa yokuba u Mhlopekazi wayese libele ezo thando luka Nozimbhali, wa khohlwa uku hlakanipa, engasa yi cabangi indaba yempi no kufa no ku zondwa u Dingane. Masinyane i Mpisi yafika endhlini entsha enkulu u Mhlopekazi owaye yakhele u Nada Nozimbhali wa fike wangena eqonda ukuthi uzo fike amuthole khona umfowabo u Mbulali. E nhla ne ndhlu babe lele bobabili, ikhanda lika Mhlopekazi li camele esi fubeni sika Nozimbhali, eceleni kwa khe ku cwebezela isi zenze esi khulu u Mkhalisi-Bantu.

Yafike yathi i Mpisi, "Vukani!"

U Mhlopekazi wavuka wa gxuma we ma nge zi nyawo, wa dumela isi zenze sa khe, u Nada wa suka waze nekela izi ngalo zakhe wathi, ngi yekeni ngilale bu munandi ubu thongo.

Wathi u Galazi, "Ngase ulale ungabe usa vuka khona manje. Pangisa mfowethu, bopela isi khumbha se mpisi, thatha i hawu! Shesha bo—ababulali be Nkosi sebe se ma sangweni akho!"

Naye u Nada wavuka wa gxuma, boba bili benza abaku tshelwa u Galazi, kwaba sengathi baya pupa; besa libele uku funa okoku bhinca ne hawu, u Galazi wa dumela utshwala wa bu puza wa pumula. Bema nga pandhle kwe ndhlu. Ngaleso sikhathi ke izulu lase li mpofu ngase Mpumalanga, nangase Ntshonalanga nangase Nyakatho nangase Ningizimu ama langabi omlilo ese nqamukela pezulu, aba bulali sebe wo khele ngo mlilo umuzi ka Mhlopekazi.

Wau bona u Mhlopekazi, kwasa kuye, wa qonda kahle wathi. Sizo puma ngapi mfowethu na?

Asi pume khona emlilweni na pakathi kwe mpi, siye ku bantu bethu entabeni, ku sho u Galazi, uma singa pumelela singa fike si thole uku lamuleleka.

Ba zo kwenze njani laba bantu bami abase khaya mfowethu na? Ba yi ngcosana mfowethu ngoba aba fazi na bantwana abakho. Ama doda se ngi wa vusile abaningi bazo sinda. Asi suke lapa singaze si she.

Ba gijima ba qonda othangweni, kwase ku fika amanye amadoda ba hlangana i shumi ba gijima ndawonye, be ngaka qabuki kahle ebu thongweni, be shaywe yizi mvalo, abanye be hlome imi khonto abanye ama wisa, iningi labo linga bhincile. Ba gijima ndawonye be qonde othangweni lo muzi olwase lu umlilo lonke, o Mhlopekazi no Galazi be pambhili, bobabili be bambhe i Mbhali nge zingalo. Sebe se duze no thango be zwakala aba bulali nga pandhle be memeza—po, umlilo wa we sabeka. U Nada wa hlehlela emuva

esaba, o Mhlopekazi no Galazi bamu donsa, bazi ponsa ku wo ama langabi omlilo bau bhula nge sizenze na nge wisa. Kwa vuleka isi khala, ba puma ba limala kancane. Nga pandhle kumi iviyo laba bulali, beyi bangana kude no mlilo, be hlehliswe uku shisa kwa malangabi. Aba bulali baba bona, ba memeza bathi. Nango u Mbulali mu bulaleni u mthakathi, baba sukela sebe ba pakamisele imi khonto. Abantu base Mbhazweni bamu kaka u Nada, pambhi kwabo ku u Mhlopekazi no Galazi. Ya dumelana naba bulali ababe pambhi kwabo, abantu baka Dingane ba simze ba shaneleka ba hlakazwa u Mkhalisi wa Bantu kanye no Mlindi, ba pepuka nje ngo thuli lupeshulwa u moya na nje ngo tshani bu sikwa yi sikela.

Ba sinda, kwa fa waba munye kupela, kwa menyezwa kwa thiwa, i nkosi yaba thakathi ne Mbhali umfazi wayo, ba balekile. Kwa baleka bona okwaku thiwe abo bulawa. Induna ye mpi yayi biza yonke impi ekake u muzi ya xosha u Mhlopekazi. Ngaleso sikhathi ke kwase ku bulewe ikhulu labantu base Mbhazweni, kwabaka Dingane be ama shumi ayi si hlanu, ngoba kwathi ukuba ba vuswe uku memeza kuka Galazi abantu base mbhazweni balwa nje nga madoda, kanti njalo aba bonani ukuthi owa kubo yimupi, bengayazi ukuthi i nkosi yabo ibaleke ya shonapi, yaziwa yilabo aba yi shumi kupela aba baleka nayo.

Abangane bezi mpisi, ba shaya ba chitha kanye nabobaze baba kude, ba sinda ka lula ngoba ba be namajubane ama khulu bedhlula bonke abantu—u Nada akwazanga uku gijima kanye nabo, kodwa noko ba gijima impela baze baba pakathi nase muva na pambhili esi hosheni esi qonde emfuleni, impi ka Dingane ingaka fiki, baze bafika eku gcineni kwaso izi tha sezi sondela lapo sikhaula khona lesi sihosha si u mngcingo baba, njenge ntamo ye si gubhu,—wa fika wema u Galazi wa khuluma.

Yimani nina base Mbhazweni ke si khulume kancane na laba aba semuva ke si hlabe ne khefu. Kodwa,

dhlula wena mfowethu no Nozimbhali lowo. Siyo hlangana e hlathini, kodwa uma singasa hlangani seu yozi bonela nawe, ubofike ufake u Mbhali emupandwini, bese uya buya uyobiza ezi mpunga. Cha! mfowethu, kuyoba kuhle ngi kubone, ngoba uma lezi zinsizwa zika Dingane zi funa into enhle sizoba nomuhle umzingelo entabeni ye mi Khovu, naye lo mfazi ongu Mthakathi anga zange aubone. Hambha ke khona manje mfowethu.

Aku siwo umthetho wami ukuba ngi fulathele ngi baleke abanye bemi belwa, ku sho u Mhlopekazi, kodwa ngenxa ka Nada ngi zo baleka.

"O! unga zi khathazi ngami, kusho u Nada. Yimina engi bange lolu sizi—Se ngi khathele, ngi yeke ngife, ngi bulale uzi sindise wena."

U Mhlopekazi wamu pendula ngo ku mu bambha nge ngalo wa gijima naye wa qonda emfuleni, we zwakala umsindo nge muva kwakhe engaka fiki emfuleni se yi bambhene, aba bulali be khuza isiga se mpi, bethelekela abase Mbhazweni, u Galazi umfowabo ehlaba umkhulungwane lapo ihlangabezanayo, yebo wezwa kala u Mlindi wama Zibuko efohloza.

"Wa shaya kwaba munandi Mpisi!" kusho u Mhlopekazi, we ma lowo amu shayile aku dingeki amu pinde hawu sengathi nami—wa buka u Nada, wase uya gijima futhi.

Ba ngena emfuleni ona magwebu, kwaba kuhle ngoba i Mbhali yayi kwazi uku hlambha.— Ba welela nga pesheya ba qonda eqeleni lentaba. Ba hambha pakathi kwe mithi, bathe lapo sebe zoli qeda ihlathi u Mhlopekazi wezwa ku khala impisi.

Kwa funyaniseka ukuthi, kuhle u Nada amu beke emahlombhe amuthwale, alingise u Galazi mhla ethwala omunye, ngoba kwaku ukufa kodwa kumuntu ohambha entabeni ye mi Khovu ngapandhle kwa ba ngane be zi Mpisi uma izi mpisi sezi vukile.

Masinyane umhlambhi wezi mpisi wa fika wa mu kaka, za gxumela kuye ze nziwa uku jabula, zamu

khipela amehlo esabekayo ohlezi ema hlombhe ka Mhlopekazi. U Nada wazi bona wa cishe wawela pansi wa quleka ukwesaba, ngoba zazi ziningi izi mpisi, futhi ze sabeka, zithi uma zi khala ku jiye igazi lakhe li bande nje nge qhwa.

Kodwa u Mhlopekazi wa mududuza, wa thi yi zinja zakhe azingela ngazo.

Isi gcino bafika ema dolweni omthakathi we Tshe omdala, nase munyango wo mupandu. Kwaku ngekho lutho ku wona nga pandhle kwe zimpisi ezi mbhili, ngoba u Galazi waye ngasa vami uku hlala khona, ubethi noma ese ntabeni, alale ehlathini ngokuba lise duze nomuzi wo mfowabo u Mbulali.

Kuhle usale seu hlala lapa mtakhwethu, kusho u Mhlopekazi esezi xoshile izi mpisi wazi khipa. U zo hlala lapa ke kuze ku pele le ndatshana yaba bulali. Sengathi ngabe si pathe nokudhla, kodwa besi ngase naso isi khathi. U ya bona ke ngi zoku khombhisa imfihlo yetshe, ngi zoli sunduza lize li fike lapa linga dhluli. Bese uli thinta ka ncane nje bese liya valeka, kodwa uma se livulwa lidinga ama doda amabili ana mandhla.

Njalo ke uǹga li duduli kakhulu lize li dhlule indawo yalo, noma uya thanda noma au thandi. U nge sabi, ngoba aunaku velelwa yi lutho lapa, amukho oyaziyo lendawo nga pandhle kuka Galazi nami nezi mpisi, ngeke futhi ya bonwa muntu. Sengi ya hambha ke manje sengiya ukuyo funa u Galazi ingabe use khona yini; uma enga sekho, ngenze engase ngi kwenze ku babulali nginge dwa ne zi mpisi.

Wa khula u Nada wathi, uye saba u kusala yedwa ethi ase yu kupinde amubone u Mhlopekazi, wakhala kwaze kwa ba bu hlungu ku Mhlopekazi. Kodwa noma seku njalo, u Mhlopekazi wa mu valelisa wa hambha, wa li vala itshe nje ngo ku valwa kwalo. 'Kwathi lapo seku valiwe, kwaba munyama emu pandwini, ku khona imbhotshana encane ku pela engenisa uku khanya.

ububanzi bayo bu ngange sandhla somuntu, uma u pakathi inga kwe soku nene etsheni. U Nada wa hlala wa qondana nayo ngoba wa ye ku thanda uku khanya ehlupeka uma ku ngekho nje nge mbhali. Wahlala ke e cabanga ebumunyameni bo mu pandu, waba nokwe saba no sizi. Esa libele uku cabanga kanjalo, uku khanya kwa cima, wezwa umsindo wezilwane zi hogela into eziyi dhlayo. Wa bheka ethunzini wabona ikhala eli cijileyo nama zinyo asobala empisi, li qondene naye ngayo leyo mbhotshana.

Wa khala ka khulu manje u Nada ese saba, ama zinyo abuyela emuva, ku senjalo kwe zwakala uku panda nga pandhle komu pandu, wali bona itshe se li zamazama. Ngobu lima bakhe wa cabanga ukuthi impisi iyakwazi uku livula itshe, wabona ukuthi izoli vula imudhle, ngoba wayeke wayi zwa indaba ye zimpisi ukuthi zi abantu ababi aba fayo ziyazi nje ngabantu. Ngenxa yokwe saba nobulima bakhe, wa libambha itshe wa li donsa nje ngo ku khonjiswa kwa khe u Mhlopekazi. La zamazama la shelela lathi khaxa, mbhe, emnyango nje nge tshe emlonyeni wesi gubhu.

Wathi, ngeke zisa ngi tholake manje izi Mpisi ngoba nami angi sa kwazi uku li zama zamisa nginga pakathi onga pandhle yena ngeke ali thinte. Wa hleka-hleka, wabuye wa kuyeka uku hleka wa khuluma futhi. Kodwa ku ngaba kubi uma u Mhlopekzai engaseyu ku buya ngingase zuku kwazi uku li susa, ngi ngaba njengo muntu ethuneni, ngi be nje ngo muntu ongcwatshwe esezwa enga guli. Wa qhaqhazela uma ecabanga ka njalo. Wa buye wa sukuma masinyane wa beka indhlebe embhotsheni walalela, wezwa kude enzansi ne ntaba umsingo woku khala kwe zimpisi owe sabekayo, no wo ku bubula kwa bantu.

Kwathi lapo u Mhlopekazi eseu valile umgodi, we hlisa intaba nge jubane ehambha nezinye izi mpisi, zi nge zonke ngoba waye ngazi bizanga. Inhliziyo yakhe ayaze ya khululeka, esaba sengathi u Galazi asekho. Futhi ese hlanyiswa uku thukuthela, wazi misela ukuthi

uzoba bulala aba bulali baka Dingane bonke nya, kodwa ufuna uku qonda ukuthi ba funa u kwenzenjani kuqala. E sa chusha ehlathini wezwa uku gwavuma kude ehlathini, wa jabula ngoba wakuzwa ukuthi ku gwavuma u Galazi, usi ndile emi khontweni yaba bulali.

Wa gijima wa qinisa esa bela. Waze wa fika. Wafica u Galazi ehlezi pezu kwe tshe epumule, ekakwe umhlambhi wabantu bake aba mpunga. Weza kuye u Mhlopekazi wafike wa mubuka, ngoba waye bukeka ekhathele. E na manxeba esi fubeni sakhe esi khulu nase zi ngalweni, ihawu seli bengeke la bengeka laba yimi chilo, no Mlindi ebonakala ukuthi ube se mpini.

Ku be njani mfowethu na? ku buza u Mhlopekazi. Aku banga kubi ka khulu, kodwa bonke ebe ngi nabo ba file, kanye naba yi ngcosana ezitheni. Ngi baleke se ngi ngedwa nje nge gwala. Baze basi dumela ka thathu kodwa saba vimbhela i Mbhali yaze yaba kude. Kuthe lapo bonke abakithi sebe wile, nga baleka Mhlopekazi nga hlambha esi zibeni nga wela, ngoba ngi khumbhule ukuba ngizo fela lapa endaweni yami.

Noma enga yi landanga yonke indaba ngi zoku tshela baba, ukuthi u Galazi wa bulala abaningi esi khaleni so donga.

Nga buye nga ba bala aba fileyo, babe ba ningi, abayi sishiya galolunye base Mbhazweni babe gqitshwe yizi dumbhu zabo.

Mhlaumbhe ku zo kufa aba bulali, mfowethu. Ku sobala ukuthi ku zau fiwa impela. Into ese nhliziyweni yami ke Mbulali yile, ukuthi ubuzalwane bethu sebuya eku peleni, ngo kuba isi khathi somuntu opatha u Mlindi esa shiwo u baba sesi ngi fikele. U ma kunjalo ke, sala kahle. Kuso sonke isi khathi si hlezi si aba zalwane nawe besi hlezi kahle. Kodwa besi sa zoyi hlala imi nyaka eminingi ndawonye uma wena Mbulali au ngenwanga uthando lwabe si fazane, uthi uya lungisa, kanti seu qeda ubuhlobo bethu nezimpi zethu ngenxa yesifazane. U mthombho wako konke loku okunje, yikho

loko, kodwa ke kwaku miswe ukuthi kuyoba nje. Uma ngi fa ku lempi, mhlaumbhe wena uyo sinda usale ulwa izi mpi eziningi, nawe u gcine ngoku fa, ufe ngo dumo ufe isi zenze usi pakamisele pezulu. Sengathi ungathola i ndoda eqinileyo no Mlindi ongcono oyoku siza nge zi khathi ezibi. U ma kufa wena ku sinde mina, ngi thembhisa ukuthi, ngi yo ku khipela isi bhongo sakho kubo bonke, ngi yi londoloze i Mbhali oyi thandayo ngi yi pathe kahle, ngi gcine lapo. Nazi izitha sezi fikile, ziza nge ndhlela ewela ezi bukweni, he sabile uku wela emsingeni, bathe kimina, ba fungele ukufa, kwa thiwa benga si bulalanga, kuyo bulawa bona, bathi kwa sho i Nkosi u Dingane. Njalo ke le mpi izoba enkulu, uma benge yu ku xoshwa ama zinyo ezi mpunga. Khuluma wena ke manje nkosi ngi yo kwenza oku shoyo.

Wa sho njalo ke u Galazi pakathi ko mkhumbhi we zi mpisi, u Mhlopekazi emi enqike embhazweni yakhe u Mkhalisi, elalele, waze wa khala ngoba ngapandhle ku ka Nozimbhali nami mina Mbope waye thanda u Galazi ka khulu ku nabo bonke abantu. Wa pendula ke wathi.

Uma ubenge kho lowaya ose mu pandwini nge nhla oyi ntekenteke no nge nawo amandhla oku zi vikela, bengi zo funga ku we Mpisi ngithi, ngi yokufa lapo kuyofa wena khona, ngi ya funga ukuthi uma ufa, mina ngi sinde, ngi yokumela nge zinyawo ngayo yonke iminyaka, ukuba yonke leya mpi ife yonke ibe nje ngawe. Mhlaumbhe ngona Galazi, ukuba ngi mulalele u Zinita khona kuqala, nga dedela abesifazane bangene pakathi kwethu. Sengathi singa lithola izwe nge linye ilanga eli ngenabo abafazi, eli nempi ku pela, ngokuba ku lelo zwe si nga khula sibe abantu aba khulu. Okwanamuhla ku funeka si ku gcine kupele kahle, abantu aba mpunga (izimpisi) balwe baze ba dele, no mthakathi om'dala ohlezi pezulu eselinde uku bhubha ko mhlaba, aze ahleke uma ebuka loko kulwa, uma enga zange aku bone nga pambhili. Ngi sho njalo ke mina, abantu

bakwa Dingane siyoba dumela ka bili, si yoba qala obaleni lwe hlathi lapo bezo fikela khona, khona manje uma be si hlehlisa siyo fike sime ema dolweni oMthakathi, pambhi ko m'pandu lapo ku khona u Nada sime khona okoku gcina. We Mpisi, bazo kulwa yini kambe aba mpunga na?

Bonke mfowethu uma ese khona oba petheyo, kodwa uma engasekho, angazi ke. Kuyo hlangabezana amazinyo nemi khonto. Isu lakho li lungile Mbulali. Woza seku pelile uku khala.

Ba sukuma, bau bala umhlambhi wabo, bau funyanisa u pelele wonke, noma wawu ngase muningi nje nge minye imi nyaka uma aba ngane be zi mpisi be qala uku zingela eNtabeni yemi khovu; ngoba ezi ningi izi mpisi zase zi pungulwe uku gwazwa abantu uma zi hlasele emizini, zingekho futhi ezi zalwayo zi gcwalise izi ndawo ze zi file. Kwa pinda futhi nje nga ku qala, umhlambhi we hlukaniswa pakathi inxenye, eye zi nsikazi ya hambha no Mhlopekazi, enye inxenye eyi zi nduna ya hambha no Galazi.

Ba hambha nge zindhlela zama hlathi, ba fike ba casha lapo ku hlangene khona umeno enhla nesi godi esi umhosha, lapo ku mnyama ka khulu khona, umhosha bau pahla pakathi. Ba lindela khona baze bayi zwa impi nge zi gqi iza aba bulali be Nkosi, iza ka ncane iba funa. Pambhi kwayo ku hambha aba bili be hambha be hlola ababa lalele endhleleni, laba boba yibo ababe khuluma bodwa lapo ku sayo, ngalo lelo langa be vimbhezele umuzi ka Mhlopekazi, uma u Galazi edhlula pakathi kwabo eqa uthango. Ba khuluma ke, be loku be qalaza ngalapa na ngalapa, bathe uma bebona ukuthi aba boni lutho, bema isi khathi lapo kuqala khona umhosha be lindele abeza nge muva, u Mhlopekazi wa bezwa uma be khuluma ethi omunye.

Yimbhi le ndawo mfowethu. Ku gcwele imi khovu noku khala engi nga kwazi ukuthi okwani, ku khona oku senza si buyele emuva, noku nswininiza oku fana

nokwe zi mpisi ezi nga bonakaliyo. Igama lale ndawo ku thiwa yi Ntaba yemi Khovu, bayi qambha kahle. Se ngathi i Nkosi nga yasi funela omunye umsebenzi, kunokuba sizo bulala laba bathakathi,—aba thakathi nge mpela, yilo ikhaya laba thakathi leli impela. Au ngi tshele mfowethu, ukuthi, be ku yini leya egxume pakathi kwethu ekuseni namuhla kuse mu nyama! Mina ngithi be ku u mthakathi. U wewu! aba thakathi bodwa. Angaba khona yini umuntu obe ngalwa ka njeya, nje ngo kwe nziwe u Mpisi pesheya ko mfula abuye anyamalale futhi na? U ma i Mbhazo ibi hlalile yaba ne Wisa bebe yo yi bulala yonke impi yethu.

I Mbhazo ibi londoloze u mfazi, ku sho omunye ehleka. Yebo, ku yiqiniso ukuthi yindawo yaba thakathi le, nazo zonke izinto ezimbhi ku lapo zi buthene khona. Ngi bona sengathi ku khona amehlo abomvu esidawane asi golozeleyo ethunzini le mithi ku ya nuka noku nuka. Kodwa noko ku funeka ba banjwe laba bathakathi. ngoba uyazi pela mfowethu ukuthi, uma size si buyele eMgungundhlovu singa kwe nzanga esa ku thunywa yi Nkosi siyofika sizi fake olakeni lwakhe oluvuthayo sifike sizi fake. U ma sifa, ngoba namanje na nje abanye aba sekho, uku ba bambha khona ku ya funeka si ba bambhe. Kunjani mfowethu, si sondele yini na? Seu se duze u Faku nempi. Sengathi u Faku induna yethu anga khetha abanye aba bili ba thathe indawo yethu, ngoba ku leli hlathi ngi fisa sengathi ngi nga gcina uku ngena kunokuba ngi ngene ku qala. Nantu unyawo lapo lu hambhe khona—olu khulu ngo kwe sabekayo lwe mpisi lu hlangene ne zi nyawo za bantu, mhlaumbhe belu ba olwe mpisi bese lubuya lupenduka olo muntu, sazi ngani mfowethu. Yizwe le mi khovu naba thakathi. Asi hambhe! Asi hambhe!"

Sonke leso sikhathi abangane be zi mpisi babe nomukhulu umsebenzi woku thulisa izi mpisi zabo, imilomo yazo seyi vuza amathe sezi qhumuze amehlo ese cwebezela zibona abantu, za gcina ngo ku be hlula, ngoba kwa khala yaba yinye kanye, za vuka zonke za gxu-

mela empinjeni wa lowo owaye saloku ekhuluma, ya hlala khona empinjeni. Bashayeka pansi umuntu ne mpisi, kwaba onga pansi no nga pezulu i mpisi no muntu, ba. bulalana kwafa koku bili.

Eye sibili inhloli eyayi sa sele, ya fulathela yembha ye mbhulula nge jubane imemeza ithi, "Safa yisi dawane! safa yisi dawane!" ipindela emuva kwaba kubo. Kodwa afikanga kubo, ngoba zamu sukela zonke izi mpisi ezi yimi khovu, zi khala ngo kwe sabekayo, zamu velela nga lapa na nga lapa zi suka lapo bezi bhace khona, zamu dwengu-dwengula wapela nya kwa sala umkhonto wakhe ku pela.

Impi ya vungazela ngo kwe saba, abanye ba fula thela ba baleka, kodwa u Faku induna yempi, indoda enesibindi yaba memeza yathi, "Yimani niqine bantwana be Nkosi, yimani ni qine, akusizo izi dawane lezi, abangane be zi Mpisi nomuhlambhi wabo. Ne nzani! nithi nizo balekela izi nja, ingani imi khonto ya madoda niyayi hleka na? Kxelani ni, kake nime ni qine.

Ama butho ali lalela izwi lenduna yawo, bema benza imi khumbhi emibili, omunye waba pakathi komunye. Ba bheka nga kwe so kudhla, lapo ke u Mkhalisi ese pezulu amazinyo empisi ese sipongweni sakhe, isi khumbha sempisi ase mbhetheyo si pepezela emoyeni, u Mbulali waba dumela nje nge sivunguvungu somoya, eza nempi yakhe enamehlo a bomvu. Impi ka Dingane ya bheka nga kwe soku nene, bamu bona u Mlindi onamandhla aba maziyo, aba muzwile uku galela kwakhe ngase mfuleni, basi bona kahle isi qhwaga ebe sizulisa induku yaso uma si bulala. I Nkosi ye zimpisi emadoda ayi shumi iyodwa. U wewu! Sebe khona! Au ba buke abam'nyama na ba mpunga, ulalele ingoma yabo ye mpi, aubheke uku gxuma kwabo seku mhlope ama zinyo pezu kwo thango lwe mi khonto. Wa chitheka umkhumbhi, u hlakazwa u Mkhalisi! Ha! u Galazi naye wawu chitha owe sibili, manje ama doda afulathelana ukuze anga fi.

Amukho owa ziyo ukuthi yalwa isi khathi esi ngakanani. Isi khathi siya shesha uma ku lwiwa. Isi gcino ba hlehliswa aba ngane be ziMpisi, ba hlakazeka nje ngo kuhlangana kwabo, ba baleka nalezo zimpisana eziseleyo. Kodwa impi ka Dingane yayi si limele ka khulu, iningi layo se lifile se ku sele idhlanzana elincane nga pandhle kwe hlathi abafile be dwengukile ba hlepuka, ba hlepuka izi dumbhu zabo zi gqitshwe eze zi mpisi.

Injalo ke impi ye mi moya emibi eyi zi mo zezi mpisi laba bantu aba abangane bazo, ba ngaba thakathi aba ngandile, ku sho u Faku induna. Ngi thanda aba thakathi aba njena mina ngoba balwa kabi. Kodwa ngi zoba bulala, uma kunge njalo ku fe mina. Kodwa nje ngoba siyi ngcosana thina esi seleyo, izi mpisi ezi ningi sezi file, ne zingalo zaba thakathi sezi file.

Wa ya pambhili ke u Faku, we nyusa intaba ehambha nalabo aba be se khona, izi mpisi zi hambhe ziba pungula nga munye na nga munye, kwathi ingani bayabezwa aba ngane bezi mpisi be duduza izi mpisi zabo, aba pindange ba hlasele ngoba ba be zonga, be zongela impi yoku gcina.

Kwa ku yi banga ukwe nyuka intaba amabutho enga yi qondi kahle indhlela, izi mpisi ezi yi mi khovu zi hambhe zi ba velela ema celeni zi ba bulala, kwaze kwa hwalala benga ka fiki ezi nyaweni zomuthakathi we Ishe, bafike ba khwela pezu kwa madolo akhe, pezu kwawo ba funyanisa kumi ku linganisene abangane bezi mpisi u Mhlopekazi no Galazi boba bili, amadoda uqobo lwawo, ku sengathi awakho afana nawo emhlabeni, ebukeka sengathi avutha umlilo be nziwa uku shona kwe langa, izi mpisi zi hambha pansi kwabo zi bomvu yigazi no mulilo wobu bomvu boku shona kwe langa.

"Ama doda uqobo lwawo!" ku sho u Faku uma ewa buka, sengathi ngabe ngilwa kanye nabo kunokuba ngilwe nabo. Kodwa nokho kufuneka be file, wa khwela eseya ku bona pezulu emadolweni omthakathi.

U Mhlopekazi wajeqeza pezulu ebusweni bomuthakathi we tshe ohlezi ngenhla, bu khanya buhlatshwa yi langa lishona.

Wathi, angi shongo yini ukuthi lempi siyo yi lwa kuze ku hleke lo mthakathi omdala na? Aumuboni! uya hleka. Khona Galazi, asisale sesi ba qedela khona bonke abantu bethu aba seleyo, ba pele ezi theni, ilwe, ku pele, kuqondane abantu bodwa si ngoniswa yi zi lwane. Gazi no Khalelimpunga! Bambhuzufele! nani bo mahlalehlathini aba mpunga naba munyama, ba bambheni ba ntabami.

Ze zwa izi mpisi; sezi yi ngcosana sezi dabukisa, zi khathele zi nama nxeba kodwa ze sabeka. Za hewula kanye okoku gcina qede, zehlela pezu kwe zitha, za ba dabula zalwa nabo, zaba bulala zaze zafa zapela zi bulawa yimi khonto kwa sala u Bambhuzufele, owaba seuya haqazela upindela emuva ku Galazi ukuba ayo fela ku ye ese limele kabi.

Wathi u Galazi: "Manje sengi yi nkosi engenabo abantu. Nami ngi ke ngaba ne nhlanhla ngi sapila. Kwaba njalo nase mizini ya kwa Vilakazi, nase Ntabeni ye mi Khovu isi gcino yiso leso, kuyauba njalo nase ma khosini ama khulu uma ese pela, ese bona u Mbulali ukuthi nabo futhi bazokufa be bodwa, wathi khetha lapo uzokuma khona, noma yinga kwe soku nxele noma yinga kwesokudhla."

Manjena ke, baba, indhlela nge nzansi yayi fike ye hlukaniswe yitshe, bese ziba zimbhili izi ndhledhlana ezincane ezi qonde pezu ke dwala lamadolo omthakathi welshe, ze hlukene nga manyathelo ayi shumi pakathi kwazo. U Mhlopekazi wema wa bhekana ne ndhlela yanga kwe soku nxele, u Galazi wa bheka kwe sokudhla. Ba lindela ke be pethe imi khonto. Masinyane afika ama butho, afike akaka idwala abemi kulo, baya kubona abanye be kwenye indhlela na banye be kwenye.

Aba ngane bezi Mpisi baba ciba nge mi khonto ba bulala abantu aba thathu. Ya pela imi khonto, izitha

zaba nabo. U Mhlopekazi wa khothama, kwa bonakala ingalo yakhe ende iloku ye luleka, bese kuthi nyampu, imbhazo, ubone obe pambhili ewa nyova.

"Munye pansi!" kusho u Mhlopekazi.

"Munye na kimi mfowethu!" kusho u Galazi esho epakamisa iwisa lakhe seli mu wisile.

Yasuka enye insizwa ya dumela ku Mhlopekazi ikhuza isaga yafika yalo iya emuva na pambhili pambhi kwa khe ipakamise umkhonto. Wa genca u Mkhalisi, insizwa ya gxumela emuva, ya papalaza imbhazo yo mkhalisi

"Washa mthakathi!" ku sho insizwa isondela kuye isi funa uku mugwaza. Imbhazo yayi papalaze yaze yayo shaya pansi, ngoku shesha ya vuka pansi amangwevu. Ithe insizwa inga ka gwazi, upondo lo Mkhalisi lwase lu ngene esi hlathini lwaze lwa fika e bu choshleni.

"Yi vume sipukupuku!" kusho u Mhlopekazi.

"Babili pansi kimi!" kusho u Galazi nga kwe so kudhla

"Nakimi babili mfowethu," ku sho u Mhlopekazi.

Kwa pinda kweza abanye aba bili futhi, amageja alingana aba limi, na kubo kwa pinda esabakuqala. Be zwakala abangane bezi mpisi bethi, "Bathathu kimi!" emuva kwa loko wezwa omunye ethi. "Bane kimi!" nomunye futhi, "Bane kimi!"

Waqala manje u Faku ukuthi kwabaseleyo, hlanganisani ama hawu ndawonye niba dudule ngawo niba suse ezindhleleni, bakwenza loko, kwafa abanye abane benga ka ba susi ezindhleleni, be bulawa abangane bezi mpisi.

"Sebe sobala ke manje, ba kakeni ni ba qede!" ku sho u Faku.

Po, ubani onga kaka u Mkhalisi wa Bantu loku yena ukhanya izindawo zonke ngasi khathi sinye, u Mkhalisi lo owaye shaya afohloze waye ngasa fohlozi, wayese loku engqofoza nje ethi, ngqofo, ngqofo njenge siqopamuthi si qopa, enga qopi ubala. U bani onga kaka leziya zinyawo ezi ne jubane eli dhlula ele nyamazane

yama thafa na? U wewu! U ba lapa! Abe lapaya! U ngu mthakathi! E sandhleni sakhe ukufa kodwa, futhi ku lunguze nase mehlweni akhe.

U Galazi kanti use khona, ngoba use zwakala u Mlindi eshaya ema hawini, nezwi le Mpisi eli yisi hosho ebala ase ba bulele. I Mpisi isi nama nxeba ama ningi kodwa noko isalwa! umlenze wayo bau gence nge si zeze bacishe bawu susa, kodwa noko isalwa! Umhlane wayo sebe wu gwaze ka ningi, kodwa noko isalwa. Kwaze kwa sala abantu ababili ku pela aba bhekene naye, omunye wa chezuka wa buyela ngemuva ku ka Galazi, wamu gwaza emu velele nge muva. U Galazi aze amu naka, wa bulala isitha esi pambhi kwa khe. Wase uya pendukake, wa mu pakamisela pe zulu u Mlindi, wehla esehla okoku gcina nga makhulu amandhla ehlela pezu kwalo muntu opambhi kwakhe, wafa wa cubuzeka nje nge qanda.

U Galazi we sula igazi emehlweni akhe wabuka aba file wathi, "Sebe pelile Mbulali!"

"Ku sele babili ku pela mfowethu," ku pendula u Mhlopekazi, esho ku khala insimbhi na mahawu.

Kwa funeka impisi iye kuye, kodwa ye hluleka, umpefumulo seu ya puma.

"Sala kahle, mfowethu. Ukufa kuhle! Ku njalo impela sengi yafa, senge ndhlele ngo cansi lwa madoda engi zolala pezu kwalo," esho nge zwi eli khulu.

"Hambha kahle! Lala ka munandi Mpisi," ku pendula u Mhlopekazi. "Seku sele munye ku pela!"

Wa shayeka pansi u Galazi pezu kwabafile, kodwa enga kafi ukuthi nya, ngoba waye sa khuluma. "Seku sele munye kupela! He! he! Maye ku lowo ose sele yedwa uma u Mkhalisi ese pakeme. Ji! Ji!

U Galazi i Mpisi wa zama waze wa vuka wa guqa nga madolo wa zulisa u Mlindi pezu kwe khanda oko ku gcina, wa wela pansi futhi wafa.

U Mhlopekazi indodana ka Shaka, no Faku induna yempi ka Dingane, ba sala bodwa begolozelene, sebe

bodwa nje e ntabeni. U Mhlopekazi ese nama nxeba amaningi, u Faku enga limele ndawo; waye yindoda eqinile naye esi pethe isi zenze.

Wa hleka ka khulu u Faku wathi, "Seku ze kwaba nje ke Mbulali. Seku funeka ukuba ku qondakale kithina sobabili ukuthi, oku shiwo yi Nkosi ku zo kwenziwa noma aku zu kwenziwa yini na. Ngi ngathi nje mina noma ku nge nzeki, ngi buka ukuthi ku yi nhlanhla uku bona impi enje nga le, ku udumo olu khulu kakhulu ukuba umuntu ahlangabezane na ma qhawe anje nga lawa. Ake u pumule ka ncane Mbulali singaka dumelani. Lowa mfowenu oyi mpisi ufe kahle, uma ku ngase kube yisi piwo sami ukuba ngi nqobe ku loku kulwa kwethu, indaba yokufa kwakhe ngi yoyi xoxa yonke imizi ezweni lonke, ku yoba yi ndaba engeyuku pela."

## ISAHLUKO XXXIV

### U ku Valelisa kwe Mbhali

U Mhlopekazi wa wa lalela, kodwa aze awa pendula amazwi ka Faku induna ye mpi, ingani wona wa wa thanda kahle, kodwa athandanga uku zi khathaza ngoku pendula, futhi kwa se ku hlwa.

Se ngi lungile ke muntu ka Dingane, wa pakamisa isi zenze sakhe. Kwaze kwaba yisi khathi beloku be zungezana boba bili, ku yi lowo efuna ithuba lo ku galela. Wa gadhla u Faku, egadhla ekhanda ku Mhlopekazi, kodwa u Mhlopekazi wa misa u Mkhalisi wavika ngaye. U Faku wa gandhla ngoku kopela pezu kwo Mkhalisi, isi zenze sakhe ngoku kopelwa saye sa genca sanqamula isi coco sakhe, saye sa fi nyelela ekhanda nga pansi kwe si coco.

Lobo bu hlungu ba mu hlanyisa, wa vuka u Mhlopekazi, isi zenze sakhe u Mkhalisi wa Bantu wa si bambha nge zandhla zozi mbhili, wagalela ka thathu

ngaso, okoku qala wagawula ihawu ne si dhlodhlo kwa suka ku Faku wahlehlela emuva i banga elingango bude bomu khonto, wa galela okwe sibili wa posa, okwe sithathu wafinyelela ngawo wonke amandhla anawo, sa shelela isi zenze ngoba izandhla zase zi manzi, ubu khali baso ababe busa qonda, ba bheka eceleni, sa fike sa shaya ngo hlangothi, kodwa noko sapelela esi fubeni sika Faku, sa shaya sahlakaza ama thambho, samu shaya wa suka etsheni owa yemi ku lona wa wela emgingqilikeni nge nzansi, wafike wathi ja, khona

"Ku pelile okwa namuhla," kusho u Mhlopekazi ehleka usulu. Tumela abanye ababulali Dingane bazo funa abafile, wa se ehambha eyo funa u Nada emu pandwini.

U Faku waye nga kafi ukuthi nya, kodwa yena elimele kabi enge naku pila. Wa zama ngawo wonke amandhlana akhe aye sa sele wavuka waze wahlala, wa jikijela u Mhlopekazi ngesi zenze. U Mhlopekazi enga boni safike sangena nge nhloko enhlafunweni ya nga kwe sokunene, safohloza i thambho senza enkulu imbhobo. U Faku wa wela pansi ese fa, u Mhlopekazi wa pakamisa izi ngalo wa wa nje nge nkabi, wa lala pansi nje ngo muntu ose file ethunzini le tshe.

Lonke lelo langa u Nada waye ququbele emupandwini elalele ukulwa kwe mpi owaye ku zwa kancane uku khala kwe zi mpisi noku memeza kwa bantu ne nsimbhi ishaya enye insimbhi, waye hlezi lonke lelo langa, kwaze kwa hwalala, umsindo wokulwa we zwakala seu sondela, waya ngoku ncipa waze wapela. Wabezwa abangane be zi Mpisi be bizana nje nge zinyamazane, be bala abafile. Wa muzwa u Galazi esho ngezwi lokufa ethi: "Jila!" Wa yizwa inhliziyo yakhe seyi gxuma ingani uyezwa nje ukuthi, usho ngelo kufa. Okoku gcina wezwa ku shayana izi nsimbhi ku zwakala ka ncane, kwase ku yahlwa, kwa thula konke kwathi nya.

Awabe usaba bikho umsindo woku memeza noku galelana noku khala kwe zi mpisi nokwenanela noku

khaliswa ubu hlungu, kwa ba khona uku thula oku njengo kokufa, ngoba base befe bonke.

Wa loku ehlezi njalo u Nada Nozimbhali ebumunyameni bomu pandu, ekhuluma yedwa ethi. Izo fika khonamanje indoda ya mi, impela izo fika, aba bulali sebebulewe, yena usa litshaziswe uku zi bopa amanxeba akhe, mhlaumbhe udweba-dwebekile nje. E he, uzofika, seku ngaba kuhle afike ngoba nami sengi bulewe yisi zungu, le ndawo iye sabeka futhi yi mbhi.

Ngo kwe thembha wa khuluma kanjalo ke, kodwa aku fikanga lutho kwathi nje nya. Wabuye wa khuluma futhi izwi la khe le zwakala emu holweni womu pandu. Manjena ke ngi zoba nesi bindi ngi nge sabi lutho, ngi zoli gudhluza itshe ngi pume ngi hambhe ngi yo mufuna. Ngazi kahle ukuthi usa libele uku siza aba limeleyo. Ngi zo hambha ngi yo musiza mhlaumbhe ulibele ukusiza u Galazi. Ku sobala ukuthi u Galazi u limele. Ngi zo kuya kuye ngi yomusiza, noma enga ngi thandi nje, nami angi muthandi kakhulu umuntu onga hlukanisa ne ndoda yami. Lo muntu oyi mpisi ya sendhle, uyi sitha ku bantu besi fazane, oku ka khulu uyi sitha kimina, kodwa noma ku njalo ngi zo menzela umusa. Kuhle ngi hambhe khona manje, wa sukuma wa li dudula itshe.

Ku njani, kanti yini. Itshe lingaze la zamazama. Wase uya khumbhula ukuthi, waye li donse wali dhlulisa endaweni yalo esaba impisi, laze ladhlulela pambhili pakathi nomlomo wo mupandu. Waye mutshelile u Mhlopekazi ukuthi anga bo kwenza loko, ngo bu lima bakhe wabe seu ya khohlwa. Wathi noma ethi uya linga pinde, lingathi qhiki, ngisho na kancane. Kwa funyaniseka ukuthi uvaleleke pakathi nga pandhle kokudhla na manzi, ku funeka ahlale kuze ku fike u Mhlopekazi. U ma enga fiki, afele khona.

Wangenelwa ukwe saba, wa nswininiza ka khulu ememeza u Mhlopekazi, kwa duma umgodi wonke kwathi, "Mhlopekazi! Mhlopekazi!" kwa gcina ngakholoko.

E muva kwa loko indodakazi yami u Nada, wa sangana ikhanda wa hlanya wa lala lapo emupandwini izinsuku no bu suku obu ningi, yena azi ukuthi wa lala isi khathi esi ngakanani. E bu hlanyeni bakhe wa pupa amapupo, wapupa ofile owa ye mutshelwe u Galazi ukuthi, uhlezi pezulu futhi emugodini ekupeleni komu pandu ekhuluma naye ethi.

U Galazi seu file. Isi khathi sakhe obe patha u Mlindi sesi mu fikele. Zi file nezi mpisi ezi yi mi khovu, nami nga bulawa yi ndhlala kulo mu pandu, nje ngoba nami ngafa nawe uzo kufa. Nada Nozimbhali! Nada, Nkanyezi yo Kufa! wena obange konke loku kufa ngenxa yobuhle bakho nobu wula bakho.

Kwaba njalo ke ku Nada ngoku buka kwakhe, uma ikhanda lakhe seli sangene, kwa ku sengathi ithunzi eli hlezi emu gaxini we tshe likhuluma naye sonke isi khathi.

Futhi ku yena kwaba sengathi kuze kwa khanya ka bili uku khanya nge mbhobo esetsheni, kwaba yimini leyo, kwaze kwacima kabili kwaba ubusuku. Okwe si thathu kwa hlaba futhi, kwa buye kwapela, wa bona sengathi uya papama wase ezi bona ukuthi uyafa, nokuthi u khulumela nga pandhle ko mugodi izwi lithi.

"Nada, U se khona yini, Nada na?"

"Yebo," ependula nge zwi eli yisi hosho. "Amanzi! ngi pe amanzi!" Nge muva kwa loko wezwa sengathi yi nyoka iya hambha ngo ku zi donsa, nge muvana kwa loko wa bona isandhla esigedezelayo si nge nisa isi gubhu sa manzi nge mbhobo. Wa wapuza u Nada wa wa tholake ama ndhla oku khuluma, la manzi awa puzayo aye fike ashise njengo mlilo emi thanjeni yakhe.

"U we uqobo lwakho yini Mhlopekazi na? Noma sewafa, ngi ya ku pupa na?"

"Yimina Nada, Lalela! Itshe kanti uli valile yini na?"

Wathi u Nada, "Hawu! yebo. Mhlaumbhe uma sili zama soba bili li nga suka."

Ehe, uma amandhla ethu abe nje nga ku qala, kodwa manje! Kodwa noko ake silinge.

Ba lizama ke itshe, kwala ingani sebe hlangene boba bili, itshe li nga zamazami.

Wathi u Nada, "Yeka Mhlopekazi, si chitha isi khathi sethu. Ake si khulume."

Kwaze kwaba yisi khashana ku thule kuthe nya, kanti u Mhlopekazi usa qulekile, u Nada wa shaya esi fubeni ecabanga ukuthi seu file.

Wa buya wezwakala ethi, asazi mhlaumbhe sizo fela khona lapa, sa hlukaniswe yi tshe, singa bonani, amandhla ami angi senawo ase nje nga manzi, senge hluleka naukuma nge zinyawo ukuba ngi yo funa ukudhla.

"U limele yini Mhlopekazi na?" ku buza u Nada. "Yebo Nada, isi hloko sesi zeze si ngi hlabe saye sa fika ebu chosheni, ngi limele kabi, induna ye mpi ka Dingane ingi jikijele nge si zenze ngi nga sazi sengithi ifile, sangi hlaba ngawa pansi. Angazi ukuthi ngi lale pansi isi khathi esi ngakanani lapaya ku leliya thunzi letshe. Ngi ya bona ukuthi kube yisi khathi eside ngoba angi senawo amandhla ezi thweni zami. Bonke abafe ku lempi, amanqe ase badhle aba qeda, kwa sala u Galazi yedwa u lindwe u Bambhuzufele olele esifubeni enu khotha amanxeba, axoshe na manqe ukuba anga mudhli. Mina ngi vuswe umlomo we nqe ebese lingi zwile lapo ngi lele khona pansi kwe tshe, Nada nga gaqa ke, ngeza lapa. Sengathi ngabe alingi vusanga, sengathi ngabe ngi fele lapo bengi lele khona, ku nokuba ngi pile isi khashana esi ncane, uze u fe kanje, ufe nje nge mpungushe ibhajiwe, Nada, nami ngi ku landele.

"Ku nzima ukufa ka nje Mhlopekazi," kusho u Nada. Nami ngi fe ngi musha ngi muhle kangaka, ngi ku thanda, nga ngi thembha ukuthi ngo ku zalela abantwana po ke, seku nje, aku sena ku suswa. Sengi pelile mina, ndoda yami, sengi qedwe uvalo no kwe saba, sengi pele amandhla, kodwa aku buhlungu ka khulu. Ake si

yeke uku khuluma ngo kufa, ake si khulume nge sikhathi sise yizi ngane sisa hambha si bambhene nge zandhla, asi khulume ngo ku thandana kwe thu, na nge zikhathi ezi munandi ebe si nazo ku sukela mhla isizenzckazi sakho esi khulu si khala etsheni emupandwini kwa Vilakazi, ukwe saba kwami kwa ngenza ngi ku tshele sonke isi fuba sobu fazi bami. Bheka, naso isandhla sami ngi sifaka embhotsheni; unge si qabule yini Mhlopekazi na?

U Mhlopekazi wa gobisa ikhanda lakhe eli fohlozekileyo, wasi qabula isandhlana esincane se Mbhali wa si bambha nge sakhe, ba hlala kwaze kwaba se ku peleni—yena enga pandhle enqike etsheni ngo muhlane, u Nada enga pakathi elele ngo hlangothi, elule ingalo eyi khipe nge mbhobo encane. Ba khuluma ngo ku thandana kwabo, be zama uku khohlwa usizi, wamuxoxela nge mpi yabo ukuthi i lwe kanjani.

Wathi u Nada, "Ha! umsebenzi ka Zinita ke wonke lowo, u Zinita waye ngi zonda nge mpela. Ngo kusobala uye othume u Dingane ukuba enze nje."

Bengi kade ngi cabanga ukuthi, si zo kufa kanyekanye nawe Nada, si hamble kanye kanye ukuyo funa u Galazi odumileyo, u mfowethu lapo ekhona. Kodwa kmanje nge thembha ukuthi, ku sekhona inhlanhla kimina, sengathi ngi sazoke ngi be khona isi khashana nge nxa ye si bhongo engi sa zoke ngi si khipe.

Musa uku khuluma ngo ku khipa isi bhongo, ndoda yami. Nami futhi se ngi seduze na lelo lizwe lapo ku khona u Mbulali no Bulewe, u Mchithi we gazi no mu Pindisi be lahleke khona ndawonye. Mina ngi ngafa ngo thando lodwa nje enhliziyweni yami na nge gama lakho wedwa nje, ngi pethe lona, yi khona kuyothi lapo siyo hlala khona uma se sifile nge thuke sengi li patha, sengi ku bingelela. Kodwa, ndoda yami, ku senhliziyweni ukuthi au zukufa kanye nami, wena usazoke upile uze ufe ngo dumo olu khulu kude na lapa, uyo kufa ngenxa yomunye umfazi.

Ku bonakala ukuthi, njengoba ngi lale lapa ethunzini lalo mupandu nga ku bona Mhlopekazi uyi ndoda enkulu, eu gaga empunga, u pakathi kokufa, ne si zeze u Mkhalisi waBantu sizula pezulu, ku khona abantu abaningi be file endhleleni emuhlope ne cwebezelayo, wena ukakwe abe sifazane abahle kakhulu, esi pongweni sakho ku khona imbhobo, nga kwe sokunxele ndoda yami.

Ku ngaba yilona iqiniso lelo uma ngi pila, ku sho u Mhlopekazi, ngokuba ithambho le pukile enhlafunweni.

Wa thula isi khathi eside u Nada engasa khulumi, no Mhlopekazi ethule e datshulwa ubuhlungu no sizi, ngoba ese zo lahlekelwa yi Mbhali kanje, futhi ife kabi ka ngaka, ngasi zathu sinye nje, so kuba umjikijolo ka Faku ume puce amandhla akhe. E senze izinto ezi ningi ezi nkulu kangaka, kodwa angabi nako uku sindisa u Nada. Waye hluleka nau kuma ebambhelele nge tshe. Athi uma ecabanga, kwehle izi nyembhezi ebusweni zi consele esandhleni sika Nozimbhali. Wa zizwa zimu consela wathi.

"Musa uku khala, ndoda yami. Bengi umfazi omubi ka khulu ku wena. U ngangi khaleli, kodwa ukumbhule ukuthi, be ngi ku thanda impela." Wabuye wa thula futhi isi khathi eside.

Wase uya khuluma ke okoku gcina, izwi lakhe li nyenyeza, li khuluma izi khawu nge mbhobo yetshe.

"Sala kahle Mhlopekazi ndoda yami, mfowethu ngi yalubonga uthando lwakho, Mhlopekazi. Ha ! sengi yafa."

U Mhlopekazi we hluleka naukupendula, wase eloku ebambhe isandhlana esincane owaye si pethe. Sa vuleka ka bili, sa valeka kabili futhi sibambhe esakhe. Savuleka futhi okwesithathu sa penduka saba mpofu, sa qhaqhazela, sase siya thula okoku pela.

U Nada wafa lapo, ku sa.

## ISAHLUKO XXXV

### U Mbope no Mhlopekazi u Mntanakhe be Khipa isi Bhongo ku Dingane

Kwathi njalo ilanga u Nada afa ngalo ngaso leso sikhathi sase kuseni, lapo ku sayo, mina Mbope nga fika emuzini ka Mhlopekazi kwabase Mbhazweni, ngi buya lapo nga ngiye khona, nga ngi hambhe kahle ngoba leso sikhulu esikhulu enga ngiye kusona, safike sawa lalela amazwi ami. Nga fika lapo kusa, nga fika ngafunyanisa sekwaba yi sobala seku mnyama insizi.

Ngathi nge nhliziyo: Nakho ke lapo ku hambhe khona u Dingane, ngaya le, na le, ngi bubula ka lukhuni. Ngase ngi thola idhlanzana lamadoda aye sinde uma ebulawa, ecashe ensimini yomu mbhila esaba sengathi ababulali baka Dingane ba zobuya, nga yizwa yonke indaba ku bona. Nga lalela ngi thule ngithe nya, ngoba baba ngase ngi zejwayele izigameko. Ngase ngi yabuza ukuthi po, bapi bona aba bulali be Nkosi na? Apendula lama doda athi, abazi, kodwa ba hambhile ba khwela entabeni ye mi khovu be landela abangane bezi mpisi no Nada i Mbhali, kwase ku zwakala seku khala izilwane ehlathini, ngemuva koku hambha kwabo kwe zwakala no msindo wempi; kwase kubuye kuya thula, amukho obuyile, kwa zula amanqe entabeni lonke lolo lusuku. Ngathi asi khupuke siye khona entabeni.

Ba qala besaba ngenxa yokuba i ntaba ikhulunyelwa kabi, kodwa bagcin ngoku vuma, nga hambha nabo, sa hambha lapo ku hambhe khona impi yaba bulali, ngaku bona oku yehleleyo. Saye safika emadolweni etshe, ngayi bona indawo lapo ya yi bhuqana khona naba Zalwane be zi Mpisi. Bonke ababe kuleyo mpi babe ngasekho seku sele amathambho abo kupela, ngoba base be dhliwe amanqe bonke, kwa sala u Galazi yedwa, ngoba kwa ku lele impisi e ndala u Bambhuzufele esi fubeni sakhe, yona isa pilile. Nga sondela eduze nesi dumbhu, impisi enkulu yalinga ukuvuka, ime-

yangi sukela ivuse umhlwenga, ikhamise umlomo, kodwa ingasa kwazi uku khala amandhla enga sekho, ya shayeka pansi, ya gingqika yafa.

Nga qalaza yonke indawo, ngi funa isizenze u Mkhalisi waBantu ema thanjeni abantu abafile, angaze nga si thola, kwafika ithembha enhliziyweni yami ukuthi, u Mhlopekazi usindile ku ba bulali. Sa hambha njalo ngoku thula, sa qonda lapo ngazi ukuthi umpandu ukhona, nga funyanisa ku fele indoda ngase munyango wo m'pandu. Nga gijima ngaya khona—kanti, u Mhlopekazi enga sena mandhla ngenxa yoku lambha, enhlafunweni yakhe ku ne nxeba elikhulu, esi fubeni nase zi thweni zakhe ku gcwele amanxeba. E sandhleni sakhe njalo futhi, epethe isandhla somuntu ofileyo esasi vele embhotsheni yetshe. Ngasi bona kahle ukuthi, esomntanami u Nada i Mbhali.

Ngase ngi yabona kahle, nga khothama nga patha inhliziyo ka Mhlopekazi, nga beka iqubu le nqe emulonyeni wakhe, ngayizwa inhliziyo ukuthi isa fukuza, ne qubu la pepuka kancane.

Ngase ngi tshela engangi hambha nabo ukuba ba donse itshe bali suse; bali susa ngamakhulu amandhla. Kwase ku yangena uku khanya emupandwini, sase siya bonakala isi dumbhu sika Nada i ndodakazi yami. Wayese muncekile kodwa emuhle, ingani use file. Nga mu patha naye enhliziyweni, yayi ngasashayi, isi fuba sakhe sesi banda.

Ngase ngithi, aba fi'e abayekwe nabafile, asi bheke aba pilayo.

Samu thwala ke u Mhlopekazi, sa mungenisa pakathi ngathi aku pekwe umhluzi, samu puzisa wona, ngase ngi mugeza inxeba lakhe elikhulu, ngali bopa nga makhambhi, ngaku khipa konke uku hlakanipa kwami. Ngoba ngangi kwazi ukwe lapa baba, ngoba kwaku yimi inyanga yemithi yoku qala kunazo zonke, ngapandhle koku hlakanipa kwami, u Mhlopekazi waye ngeke apile, ngoba waye se zokufa. Khona lapo, lapo

u Mhlopekazi elashwa wondhliwa u Galazi i Mpisi nami nga fike nga mupilisela khona. Kwaze kwaba ama langa amathathu enga khulumi, engaka qabuki kahle ngathi aku mbhiwe umgodi omkhulu pansi emu pandwini pakathi. Kulowo mugodi nga lahla u Nada, indodakazi yami, pezu kwe si dumbhu sakhe sa nqwabela izimbhali ze ntebe ukuba anga thelwa umhlabathi sase siyali gqiba ithuna lakhe, angi kumbhulanga ukuba u Mhlopekazi ngi mu khombhise isi dumbhu so file, nge saba ukuthi angasibona qede afe naye ngoba waye thanda uku landela u Nada. Naye u Galazi i Mpisi ngamulahla khona emu pandwini, iwisa lakhe u Mlindi wa Mazibuko ngali beka esandhleni sakhe, balele khona ke bobabili, sebayezwana i Mbhali ne Mpisi, ndawonye.

U wewu! iyopinda ibe khona nini indoda enje ngaleyo ne ntombhi enjenga leyo na?

Kwaze kwathi nge langa lesi thathu u Mhlopekazi wa khuluma, wabuza u Nada. Ngamu khombhisa emuhlabathini, wase uya khumbhula, wa qonda. Aqala ke amandhla ka Mhlopekazi uku buya kancane, nembhobo ese khanda lakhe yahlangana. Kodwa ke nga leso sikhathi izinwele zakhe zase zi xuba ubu mpunga enga savami uku hleka, waye sehlala e nyukubele njalo, ejiyile ku nakuqala.

Masinyane sali thola lonke iqiniso nge ndaba ka Zinita, nga besifazane na abantwana ekubuyeleni kwabo emakhaya, ngoba u Zinita nabantwana baka Mhlopekazi kupela abanga buyanga. Futhi kwa fika inhloli kimina ipuma e Mahlabathini yangi tshela ngo kufa ku ka Zinita, nango ku baleka kuka Dingane ebalekela ama Bhunu.

Kwathi lapo u Mhlopekazi ese pilile, nga mubuza ukuthi uzo kwenzenjani noma lizo kwenziwa noma ali zukwenziwa yini icebo lami ukuba abe yinkosi yezwe na.

Kodwa u Mhlopekazi wanikina ikhanda wathi, asenayo inhliziyo enjalo. Wathi angayi bulala nje iNkosi, kodwa manje asa kufuni ukuba yi Nkosi. Ufuna uko zi khokhela.

kube ukupela. Ngathi kulungile, nami ngi yafuna ukuzi pindisela, uma siku funa ndawonye singa ku thola.

Ku ningi baba engi nga ku khuluma, po ngi ku khulume yini na? Ungqoqwane seu ncibilikile, izinkomo zakho sezi tholakele lapo be ngi ku yalele khona, seu thanda uku hambha. Nami futhi ngi zo hambha ngi ya kude.

Lalela ke baba, ngi zo yenza ibe mfushane. Ngafikelwa umcabango wokuba ngi qathe u Mpande no Dingane. u Mpande ngangi muvikele ekufeni ukuba kuze ku fike lesisikhathi adingeka ngaso. Kwathi ukuba ku pele impi yase Ncome, u Dingane wa mema u Mpande ukuba eze enqineni. Ngase ngisuka mina no Mhlopekazi saya emzini ka Mpande enzansi no Tukela. nga muvusa ukuba angayi kule nqina, ngoba inyamazane uyena, oku ngcono kuhle abaleke aye eNatali nabantu bakhe bonke. Nembhala wakwenza loko. Ngase ngi zwana nama Bhunu, kakhulu neBhunu eligama lalo lingu Ngalonkulu. Nga li tshela ukuthi u Dingane umuntu omubi anga mulaleli, kodwa u Mpande uthembhekile ulungile. Kwa gcina ngokuba amaBhunu ehlangene no Mpande, alwa no Dingane. E he, yimina enga qhatha leyo mpi, ngi zi khokhela ku Dingane. Ku njalo ke uku khula kwe zinto ezincane zize zibe zinkulu.

Sasi khona yini empini enkulu yase Maqongqo na?

Ehene baba, sasi khona. Mhla impi ka Dingane isi hlehlisa, kwaze kwaba sengathi sese hluliwe, yimina enga tshela u Nongalaza icebo lokuba ama Bhunu ashaye sengathi ayalwa, ngokuba ama Bhunu aye nge nandaba naleyo mpi, kwa kulwa thina abam'nyama bodwa. U yena u Mhlopekazi owa dabula pakathi opondweni lwo mzila we mpi ka Dingane ngo Mkhalisi waze wayo fika nga le kwalo enduneni ye mpi ya maBhunu u Ngalonkulu, wafike wa mumemeza wathi aka khalime upondo lwe mpi ka Dingane. Yabaleka impi ka Dingane ngoba yaye saba ukulwa nabamhlope behlangene naba m'nyama, saba landela saba bulala, bapela ubu khosi buka Dingane.

Noma u Dingane engase siyo i Nkosi kodwa waye khona enga file, samu lambhela kabi ukuba sizi khokhele kuyena. Saya enduneni yempi yama Bhunu naku Mpande, safike sakhuluma kahle nabo sathi.

Sini sebenzele kahle, sani lwela, salungisa kahle ukuba kube yinina eni nqobileyo. Sicela ukuba ni senzele lesisi celo sethu ke, ukuba simu landele u Dingane owa baleka wa yo casha khona, ngokuba wa senza kabi, sifuna uku zi pindisela.

Induna emhlope ino Mpande ya hleka yathi: Hambhani bantwana bami, sengathi ninga mufuna, ni muthole. Akukho noma kunye oku ngasi thokozisa nga pandhle kokuba sazi ukuthi u Dingane ufile. Base besi nika ama doda ukuba si hambhe nawo.

Sayi zingela ke leyo Nkosi amasonto nga masonto nje nga bantu be zingela inyathi esi gwaziwe. Samu landela saze sayongena nase mahlathini ase Mfolozi sawa qeda. Kanti seu baleke wa dhlula, ngoba waye qonda ukuthi aba funa uku zi pindisela kuye baya mulandela. Ngemuva kwa loko salahlekelana naye isikhathi eside. Sabuye sezwa ukuthi, ulu welile u Pongolo ehambha nabantu abasa loku be bambhelele kuye. Samu landela saze safika kwa Nyawo, safike sa casha ehlathini sifuna. E ku gcineni saze samu thola. Samubona ehambha ehlathini na madoda amabili kupela. Sawa gwaza lamadoda, yena samubambha.

U Dingane wa sibuka qede wa sazi, amadolo akhe agedezela esaba. Kwase ku khuluma mina.

Nga thumela ngathini ku wena, Dingane, na, wena ongase siyo inkosi—angi shongo ukuthi uyona uma uxosha mina na, ngokuba yimina enga kubeka esi hlalweni sobu khosi, yimina ku pela engi nga kwenza uhlale kuso unga suki.

Wathula wanga pendula, ngaqhubeka.

Yimina u Mbope ka Makhedama owa kwenza ukuba ube yi nkosi Dingane, be ukade uyi yona. Yimi Mbope engi kwehlisile ebu khosini bakho. Ngangi nga thumelanga lokho kodwa. Ngathi futhi njengoba wo nile ngoku xosha mina, kodwa kuyoba kubi kakhulu mhla

sibonana ubuso nobuso, ngoba ngalolo lusuku kuyobe ku usuku lwakho loku lahlwa.

Nalapo u Dingane apendulanga. Kwase ku khuluma u Mhlopekazi wathi.

Yimina ke lowo Mbulali, Dingane, ongasesiyo inkosi, wena owa thumela ababulali aba ningi abesabekayo ukuba bayo vimbhezela abantu base Mbhazweni. Bapi labo babulali manje, Dingane, na? Sizoku khombhisa lapo bekhona kunga ka peli konke oku zokwenziwa.

"Ngi bulale, kusale seku pela konke, yi thuba lakho lelo," kusho uDingane. Aukahle kancane wena ka Senzangakhona, ku pendula u Mhlopekazi, au yuku bulawelwa lapa. Kwa ku khona umfazi igama lakhe kwaku u Nada iMbhali, i ndoda yakhe kwa ku yimina, Dingane, u Mbope lo kwa ku uyise. Kodwa sewafa u Nada, wafa ka buhlungu, wahlala amalanga amathathu nobusuku obuthathu engakafi. U zoyibona indawo lapo afela khona, nendaba yokufa kwakhe uzo yizwa Dingane. Inhliziyo yakho ethambhileyo kuzo yi zwisa ubuhlungu. Kwa kukhona abantwana ababe zalwa umfazi u Zinita, abantwana abahle aba thandekayo. Yimina engangi uyise wabo, wena Ndhlovu esise mgodini, ba bulawa u Dingane. Nabo futhi uzo yizwa indaba yabo. Aku hanjwe ke kukude lapo siya khona.

Kwa pela amalanga amabili, baba, u Dingane ehlezi yedwa eboshiwe emupandwini wase Ntabeni yemi Khovu, sa si mudonse samu khupula intaba kancane ngoba waye sinda njenge nkabi. Abathathu be mu dudula nge muva, abathathu futhi be donsa nga pambhili nge ntambho iboshelwe okhalweni lwakhe, sa mu donsa samu khupula, si hambhe sipumula simu khombhisa ama thambho abantu owaye bathume ukuba bazosi bulala, simu landisa ngendaba yaleyo mpi.

Saze safika emupandwini, ngase ngi ya bahambhisa esasi hambha nabo, ngoba sasi funa ukuba si sale sodwa no Dingane nge sikhathi soku gcina. Wahlala pansi emupandwini, nga mutshela ukuthi, ngapansi

komhlabathi ahlezi kuwo ku khona ama thambho ka Nada amu bulalayo, kanye nama thambho ka Galazi i Mpisi.

Sase siya ligingqa itshe sivala ngalo umnyango womu pandu samu shiya ne dhlozi eli u Galazi neli u Nada.

Ngo suku lwesithathu ku ngakasi sa fika samubona. "Wathi, Ngi bulaleni, imikhovu iya ngi khathaza!"

Bu pelile ubukhulu bakho sithunzi se nkosi, kusho mina, wena osu qhaqhazela wesaba imikhovu, pezu kwe miningi kangaka ose wayenza. Kuzoba njani uma seu hlezi nemithathu oku yiyona ozo hlala nayo khonamanjena na?

Wa qala uku zi ncengela manje u Dingane.

Si haukele wena, leli nkentshane!" kusho mina. Wena ufuna ukuba u haukelwe. ingani wena wau nga haukeli muntu. Buyisa indodakazi yami. U nike lo umkakhe naba ntwana bakhe, siku khulumeke uku haukela. Puma gwalandini, ufe nje nga magwala.

Lapo ke baba samu donsa samu khipa egquma, samuyisa emugaxini we dwala ngenhla, esi fubeni so mfazi oyitshe ongu mthakathi, kuwo lowo mgaxi lapo u Galazi wa thola khona amathambho. Safika sema lapo salinda ukuba kuse, isi khathi u Nada afa ngaso. Sase simu balela ama gama awo Nada nawa bantwana baka Mhlopekazi sase simu ponsa esiweni.

Kwaba yisi pelo sakhe u Dingane leso baba, owaye ne nhliziyo eyesabekayo ka Shaka, enge nabo ubukhulu bakhe.

## ISAHLUKO XXXVI

### U Mbope ese Petha i Ndaba Yakhe

Yi leyoke indaba ka Nada u Nozimbhali baba, samu pindisela ka njalo ku Dingane. Yindaba edabukisayo— yebo, iya dabukisa, kwa khulunywa ka khulu ngalawo

malanga. Kodwa ngemuva kwe zi khathi kwabuye kwaba okunye uma seku busa u Mpande, ngokuba u Mpande waye yi nkosi yoku thula.

Indaba yami isa sele kancane. Nga li shiya izwe engangi ngase naku hlala kulo, ngoba ngase ngi bulele amakhosi amabili, ngeza lapa eNatali ngazo kwakha eduze namanxiwa omuzi wakwa Dukuza.

Into yokugcina eya bonwa amehlo ami, amathambho ka Dingane ese siweni ngokuba emuva kwaloko nga penduka impumputhe, angabe ngisa libona ilanga noku khanya—ngani angazi, mhlaumbhe kwa bangwa uku khala kakhulu baba. Ngase ngizi qambha elinye igama nge nzela ukuba nginga gwazwa umkhonto inhliziyo yami eyayakhe amasu okubulala amakhosi amabili nomuntanenkosi—u Shaka, no Dingane no Mhlangana wase ndhlunkulu. Ngo ku nyenya ku sihlwa, u Mhlopekazi umntanami wangeqisa umncele wa ngi letha lapa kwa Dukuza. Ngahlala lapa ke ngi yi sangoma iminyaka emi ningi kakhulu. Ngi yisi cebi, u Mhlopekazi wazi cela wazi nikwa izinkomo ku Mpande ezazi pangwe u Dingane kimina, wazi letha lapa. Kodwa amukho lapa owaye khona kuse khona umuzi wakwa Dukuza, amukho owaziyo kwa Zwide isanusi esidala esiyi mpumputhe nga pandhle kuka Mbope owa gwaza u Shaka i Ngonyama yomZulu. Amukho manje owaziyo Seuyizwile ke indaba, wena wedwa baba. U ngayi xoxi ngize ngife.

U Mhlopekazi ke yena, yebo wapindela kubantu be Mbhazo waba um'busi wabo, kodwa aba pindanga babe namandhla futhi nje nge sikhathi so ku bulala kwabo abakwa Vilakazi emipandwini yabo, ba bulawa u Dingane. U Mpande waye muthanda u Mhlopekazi alwanga naye, ngoba waye ngazi ukuthi, u Mhlopekazi yi ndodana ka Shaka umfowabo—kwathi ukuba kufe u Nada, abuyange akufise ukuba mukhulu. Kodwa noko waba yi nduna yebutho i Ngobamakhosi, walwa izimpi eziningi, wenza izi gigaba ezinkulu, waye ngaku Mbu-

yazi indodana ka Mpande empini enkulu yaso Tukela, mhla u Cetshwayo ebulala u Mbuyazi u mfowabo.

Ngemuva kwa loko waceba icebo lokubulala u Cetshwayo owaye muzonda, uma waye ngekho umlungu owaye umzingeli u Machumuzana, ngabe wafa u Mhlopekazi. Kodwa umlungu wamu sindisa ngoku hlakanipa kwakhe. E hene, wayeke afike u Mhlopekazi azongi bona, ngoba waye sangithanda nje nga ku qala, kodwa manje sewa baleka waya e Nyakatho, angi seu ku pinda ngilizwe izwi lakhe. Cha angiyazi yonke indaba, kodwa ipatha umfazi! Abafazi ababe shonisa u Mhlopekazi, umntanami. Sengi yikohliwe indaba yalowo mfazi. Sengi khumbhula izinto ezindala kakhulu ngi ngaka gugi, ezamuva ngi yazi khohlwa.

Aubheke lesi sandhla sami sokudhla baba, angisa siboni mina; kodwa noko mina Mbope ka Makhedama ku sengathi ngi sasibona njenga kuqala, sibomvu yigazi lamakhosi amabili. Bheka—

Masinyane umuntu om'dala wa thula, ikhanda lakhe la wela esi fubeni sakhe ese sa buna. Wathi lapo umlungu owaye xoxelwa lendaba elilulamisa ikhanda ukuba amubuke, kanti usefile.

# Okusencwadini

Isitshayelelo ... ... ... ... ... ... ... ... 3
Dedication ... ... ... ... ... ... ... ... 5
Acknowledgement ... ... ... ... ... ... ... 6
Ukubonga ... ... ... ... ... ... ... ... ... 7
Isahluko I
Ukuprofeta kwomfana uShaka ... ... ... ... 9
Isahluko II
U ku hlupeka kuka Mopo ... ... ... ... 16
Isahluko III
U ku hlupeka kuka Mopo aze afike ekhaya ... 22
Isahluko IV
U kubaleka kuka Mopo no Baleka ... ... 27
Isahluko V
U Mopo ese yi Nyanga ye Nkosi ... ... ... 39
Isahluko VI
U ku zalwa kuka Mhlopekazi ... ... ... ... 45
Isahluko VII
U Mhlopekazi pambhi kwe Nkosi ... ... ... 55
Isahluko VIII
Ingombhoco enkulu ... ... ... ... ... ... 64
Isahluko IX
U kufa ku ka Mhlopekazi ... ... ... ... 77
Isahluko X
U ku thethwa kwe Cala lika Mbope ... ... 86
Isahluko XI
Ise Luleko sika Baleka ... ... ... ... ... 99

Isahluko XII
Indaba ka Galazi i Mpisi ... ... ... ... 107
Isahluko XIII
U Galazi ese ba yi Nkosi yezi Mpisi ... ... 119
Isahluko XIV
Aba Zalwane be zi Mpisi ... ... ... ... 132
Isahluko XV
U ku Bulawa kwaba Bulali be Nkosi ... ... 141
Isahluko XVI
U ku puma kuka Mhlopekazi eyofuna iMbhazo 148
Isahluko XVII
U Mhlopekazi eseba yiNkosi yabase Mbhazweni 157
Isahluko XVIII
U ku Qalekisa kuka Baleka ... ... ... ... 166
Isahluko XIX
Uku fika kuka Masilo e Mzini wakwa Dukuza 180
Isahluko XX
U Mbope etengiselana naba nt'a be Nkosi ... 190
Isahluko XXI
Ukufa kuka Shaka ... ... ... ... ... ... 199
Isahluko XXII
U ku puma kuka Mbope eyofuna u Mhlopekazi 211
Isahluko XXIII
U Mbope ezi veza ku Mbulali ... ... ... ... 219
Isahluko XXIV
Uku bulawa kwama Bhunu ... ... ... ... 230
Isahluko XXV
Impi yakwa Vilakazi ... ... ... ... ... ... 241

Isahluko XXVI
Uku tholwa kuka Nada ... ... ... ... ... 254

Isahluko XXVII
Uku cinywa ko Mlilo ... ... ... ... ... ... 262

Isahluko XXVIII
Uku lethwa kwe Mbhali ku Dingane ... ... 272

Isahluko XXIX
U Mbope elanda i Ndaba yakhe ... ... ... 280

Isahluko XXX
U ku fika kuka Nada ... ... ... ... ... 289

Isahluko XXXI
Impi yaba Fazi ... ... ... ... ... ... ... 298

Isahluko XXXII
U ku fika kuka Zinita e Nkosini ... ... ... 309

Isahluko XXXIII
U kupela kwaBantu aba Mnyama naba Mpunga 317

Isahluko XXXIV
U ku valelisa kwe Mbhali ... ... ... ... 332

Isahluko XXXV
U Mbope no Mhlopekazi uMntanakhe be khipa isi bhongo ku Dingane ... ... ... ... ... 339

Isahluko XXXVI
U Mbope ese Petha i Ndaba yakhe ... ... 345